No. 1.

779 K13/118

Imisebenzi ya Bantu

ngu

Redvers R. Bengàni.

index at end of 3rd book

indexed 13.12.46.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

whole MS was microfilmed Feb. 1947.

779.

# Imisebenzi Ya Bantu

ngu

Redvers R. Bengani
Umloki ka Phetheni (Std v)

no Wozujithathe (1st yr)

s779: 3 books

ends at p. 528

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

179 K13/118

Lencwadi ngiyibeka
ku Elizabeth Ntalimeng
oyisiphethu somthombo
wayo yonk' imizamo yami.

June 18, 1937.

Revised in 1939.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 P.P. 1- 528 779 K13/118


| Isahluko | Okuphakathi | Ikhasi |
|---|---|---|
| 1 | Amazwi Okuqala | |
| 2 | Ukusetshenziswa Kowmuthi | 16 |
| ~~3~~ | ~~Ingwenya~~ | ~~75~~ |
| 3 | Ukusetshenziswa Kowmuthi | 96 |
| 5 | Ukusetshenziswa Kwesikhumba | 97 |
| 6 | Ukusetshenziswa Kwensimbi nethusi | 189 |
| 7 | Ukusetshenziswa Kophondo nezinyo | 219 |
| 8 | Ukusetshenziswa Kwethambo | 252 |
| 9 | Ukusetshenziswa Kwetshe nobusengi | 264 |
| 10 | Ukusetshenziswa Kwezimpaphe | 283 |
| 11 | Ukusetshenziswa Kozelwa | 300 |
| 12 | Ukusetshenziswa Kokokucupha | 325 |
| 13 | Ukusetshenziswa Kobuhlalu | 349 |
| 14 | Ukusetshenziswa Kotshani | 369 |
| 15 | Ukusetshenziswa Kwentambo | 410 |
| 16 | Ukusetshenziswa Kwezinwele | 428 |
| 17 | Ukusetshenziswa Kobumba | 444 |
| 18 | Okunye | 463 |
| 19 | Ukusetshenziswa Okokwelapha | 485 |
| 20 | Ukuphothula | 505 |
| 21 | Isibonelo | 513 |


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

179 Amazwi Okuqala K13/118 4

Phakathi kwabantu zazikhona izinyanga zokulumba izinto ngezinto ezazidingeka zibe khona ekhaya ngoba zilifa lalelokhaya, zisetshenziswa khona ekhaya. ~~Ngakho singathanda ukungazamalani nalamazwi okuthi thina bantu sasingenayo imisebenzi.~~

Kulencwadi siloba ngeminye yemisebenzi eyayenziwa abantu bakudala nanamhla isenziwa phakathi kwalabo abasaphila ngokusebenzisa lezozinto.

Uma silanda umkhondo sibona ukuthi amadoda ayenza izinto ezithile, abesifazane nabo benza izinto ezithile ezisetshenziswa endlini naphandle. Imvama yezinto ezazenziwa ngabantu kwakungeyizo ezazenzelwa ukuthengisa nokuthola imali ngazo zazenzelwa ukusetshenziswa

77?)

K13/118

ekhaya. Noma ezinye zazilunjwa ngabalumbi bazo ngenhlakanipho enkulu nokho ezinye zaziba izinto ~~ngan~~ ezingezinhle kwakuya-phi.

Lokho kunokusicacela ukuthi ubuhle bento obukhulu buvezwa ukuncintisana kwezinyanga ~~kwan~~ ezenza leyomisebenzi, ziyenzela ukuyithengisa, uma izinto zenzelwa ukuthengiswa zenziwa zibeningi ngesikhathi esifushane, kube ileyonyanga ibumbe noma ibaze noma yeluke ngobuciko ukuze leyento ithathe amehlo abantu ~~abazotha ngoku legonto~~ abazoyithenga.

Akusibo bonke abantu ababenesipho sobunyanga ekubazeni noma ekwalukeni, Kwakuthi uma umnumzane engumbazi, lololwazi lwakhe aludlulisele kubantwana bakhe, nabo benzenjalo kwababo abantwana ~~lapho~~ sekuyisikhathi sabo

Kwakunjalo futhi nakwabesifazane babedlulisela kumadodakazi abo ulwazi lwabo ekwalukeni nasekubumbeni, kanti nabo bokwenza

how? in njalo. Ngako imisebenzi yalondolozeka kanjalo, ~~ku~~isizukulwane ngesizikulwane.

Ukulondolozwa kwezinto zasendulo phakathi kwezizwe kuyinto ebalulekile; nathi sinokuzi~~qhayisa~~ qhenya? ngezinto nemisebenzi eyayenziwa okhokho bethu uma siyilondolozile sayigcina, sase senza emihle kunaleyo ngokwedlulisela, senza-ke thina enokusiphilisa kulezizinsuku ~~lapho wonke umuntu asephila ngesithukuthuku sayoze kuhlwe.~~

why alter?

Namhlanje uma sibukisisa siyafumanisa ukuthi ezintweni zemisebenzi yabantu akukho owenziwayo ngabantu abaningi ukuba baziphilise ngawo ngokuthengisa babuyelwe

779

K13/118

inzuzo, ngaphandle kokusebenzisa umhlabathi kuphela nokufuya imfuyo yezilwane zonke, okuyiyona-ke imisebenzi efanele bonke abantu abakhe emazweni ezabelo, nakumaluzevu, nasemapulazini abo, nakwaqashiweyo.

Zingabakhona izizathu ezibangela ukwesweleka kwe imisebenzi emikhulu yenzuzo ephenjwa ngabantu uqobo lwabo. Lelizwe laseAfrika lalihlezi isikhathi eside lingahanjelwa ngezinye izizwe ezikhona namuhla zivela emazweni asentshonalanga.

Njengoba abantu bakithi babengakhi ndawonye okokuphela, kunokwenzeka ukuba imisebenzi emikhulu enesizikho yeswelekea.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Okunye okubanga lokhu singathi
ukuba izinswelo zabantu baku-
qala zazingeziningi njengoba
thina sesizibona kangaka, nange-
nxa yokubekeka kwelizwe maye-
lana nempilo enhle yabantu; lokhu
kwenza ukuba abantu bangakhu-
thaleli ukusebenza ngokweqile,
ikakhulu-ke ngoba babephila
~~[illegible]~~ ngokufuya imfuyo.

van 8 - 16

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 top left, each page ... 12 letters margin ... no erasures K13/118 76

# UKUSETSHENZISWA KOMUTHI

Akusibo bonke abantu ababenolwazi lokubaza ngomuthi, namanje kulezinsuku zethu kusenjalo, kwakuya ngolwazi nangesiphiwo balowo nalowo. Lomsebenzi wokubaza ngomuthi wawenziwa abesilisa.

Omunye wayethwasela into ayibazayo ethile, aze aziwe ilizwe lonke esigodini leso ukuthi ngumfo kabani kulesisifunda ~~[illegible]~~ obaza ukuthi nokuthi, ~~[illegible]~~

Uma kufuneka lezozinto azibazayo bekuyiwa kuye, belayelwa yena nabanye abafika befuna lezo zinto azibazayo. Athi-ke ngokubabazela ~~[illegible]~~ ababize intwana ethile ngomsebenzi wakhe awenzileyo mhlaumbe inkukhu noma usheleni

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ngesikhathi sokufika kwemali kulelizwe
kwesinye isikhathi wayengaze-
abiza lutho, amuphe ngesihle, kwazi-
sa ukuthi abantu babengaku-
jwayele ukuthengiselana, kwakusizwa-
na. Kanti nalowo ophiwe ngokusizwa
usezobonga ngokubonga kwakhe mhla-
umbe naye angagcini ukumbonga
ngomlomo, kodwa abonge ngento
ethile, leyonto noma incane ibe into
enkulu enhliziyweni yenyanga leyo
ngoba iyamkele ngesandla esihle
esimhlophe ithi: "Ngiyabonga wena
wasekuthini, kukhulu lokhu ongipha
khona."

Akusiyo yonke belu imithi emile
emahlanzeni nasemahlathini amakhulu
esetshenziswa ukubaza. okubazwayo
kukhethwa izinhlobo zemithi ethize
engazukudabuka noma seyomile,
futhi kube luhlobo lwemithi elukhuni
Nxa ogdulayo engena ehlathini

nembazo yakhe, uhamba ehlola imi-
thi leyo yokubaza lokho akufuna-
yo, uyayazi lapho itholakala khona
ahle aqonde khona, ngoba izinhlobo
ezithize zimila endaweni ethile,
kwenye indawo ayikho
Lokhu kufana nemithi yokwelapha
izifo ayifane imile yonke indawo,
inezifunda lapho imila khona, iyaziwa
inyanga yokwelapha ihle ibange kule-
sosigodi. Usengena ehlathini ecwani-
nga imithi eqondile yathi thwi,
uzogaula osuvuthiwe ngempela,
kumbe awise sonke isihlahla
salowo muthi esigaulela phansi
nesiqu saso uma ezobaza izinto
ezinkulu ezinjengezingqwembe noma
imiqengqe nokunye okudinga uhlonzi
oluqatha, kanti uma kungumbazi
wezinkezo uzogawula nje igatsha
lomuthi angacakeli phansi sonke
isihlahla engazukwenza lutho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngaso. Phela-ke nabatheza izinkuni basuke bengazentulile ngoba isuke iminingi yesabeka imithi yokubasuwa eseyazomela inezinkuni eziningi kanye neziphunzi zezigodo esezoma esezithezeka kalula. Ugaula ngobunono obunje ekhumbula khona ukuthi, nangomuso usayophinda azogaula kuso lesosihlahla mhla esebaza ezinye izinto zakhe. Lesi isenzo esibongekayo, ukunakekela izinto ezophinda zibe nosizo ngomuso lapho sezidingeka ukusetshenziswa, kunokuba lezozinto ezinosizo zihle zixaphaxaphazwe ngasikhathi sinye kanti okuningi akuzukwenziwa lutho ngalesosikhathi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K 13/118.



Imithi engathintwa
Imithi okwaliwa nayo.
Imithi engenalusizo
Amahlathi amakhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# Imisebenzi yemithi.

I. Okubazwa ngomuthi yilokhu:—
Ugwembě (uggoko), isixembě, iwiša, isigqiki, ukhezo, ithungă (umqengqe), isigubu, Uzwathi, umqengqe, induku, Uthi lomkhonto, isagilă, iphini, ucwalu, isihlibi, isondo lenqola, ijoke, isiqhază, iqoyi, isivalo sophico, ukubiy isibaya ngezibonda, ukubiy amasimu, incekwă, inkonjăne, ichopelo, ingodwaně, ukhozi (uboko), ishungu, Igala, izinsika, imiqadi, imishayo, izintingo, isigqulelo.

II. imbazo, isampotho, isinqindi, ucelemba, usungulo, isimbo umgxala

Umgoqo, isigongodo, ihlahla, ipali, iphehlo, uqalu,

# 13th UQWEMBE (UQQOKO) 21

179

K 49/118

52 Kubaza amadoda noma amakhehla. Indodana uma ibeka uyise ebaza nayo iyazifundela. Akukhethile iloco nje ozifundele uyabaza.

53 Kubazwa nje obala kakufihlwa kakusiwo nomsebenzi wonnuzi munye. Nabeminye imizi bayazifundela.

13 Uqwembe lolu abanye ~~[illegible]~~ balubiza ngokuthi uqwembe, lokho-ke kuya ngokubiza kwabantu ngabantu, ngoba umhlaba ~~[illegible]~~ ubanzi nabantu banamagama amaningi nahlukeneyo okuchaza nokubiza into. ~~[illegible]~~

18 Uqwembe ~~[illegible]~~ singalubiza ngokuthi ~~[illegible]~~ yisona sitsha ~~[illegible]~~ sokwephulela inyama yenkomo noma eyemvu noma eyembuzi, nayo yonke inyama ~~[illegible]~~ ~~noma~~ ezingelwe yenyamazane. Phela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Luyisitsha esiphatha yonke inyama evuthiwe nanxa iluhlaza, noma izophekwa nanxa yosiwa. Yisona-ke sithebe esihle senyama.

Izinqwembe lezi azilingani, ezinye zibankulu nxa zenziwe ngemithi emikhulu, ezinye zibancane, lezo-ezibazwe ngemithi emincane. ~~Kodwa ekungevezwa nje~~ belu.

Uqwembe yisona sitsha esihle kakhulu ~~ngaba kungathi~~ nanxa kukhona isihambi esihambele ekhaya noma sikhulekile sizodlula, sithokoze nxa ~~shona~~ sizwa umnumzane ethi kubantabakhe abalethe uqwembe. Sithokoziswa ukwazi ukuthi umnumzane uzosiphakela inyama.

Ukubazwa kwalo, lubazwa ngesa-

58 mpomptho. Isampotho siyinsimbi enjengamageja afekhandwa kuqala zinyanga ezazikhanda okwensimbi. Sinomsuka ophiselwa emphinini

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

omncane nje, ububanzi baso bungangeminwe emithathu yesandla isibanqiwe. Isona-ke isampotho okugujwa ngaso lapha phakathi la kuzoba iyona ndawo yokudlela esisiwini salo.

(No longer used) Uma uqwembe selugugile, sekwabo boka luyashiswa noma lumbelwe phansi noma lubekwe phezu komthangala wesibaya sezinkomo ngoba alusenamsebenzi waluthho.

54 Uqwembe lubazwa ngalemithi, ngendelu, elinye igama lalomuthi kuthiwa isidwadwa, luyabazwa futhi, nangomganu, nangomgqwabagqwaba, nomgxamu, nomkhamba.

55 Yonke lemithi iyizihlahla ezinkulu ezimila emahlathini emahlanzeni amakhulu. Umkhamba wona uyazimilela enkangala ezishaya sahlanzana nezihlahla. Umuthi ocishu ukwaziwa nayingane encane lonke ilizwe. Ugaula umuthi uthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

56 ungawunquma uwele phansi ubusunquma
+ isinqamu esilingene ukwenza uqwembe
17 oluqondile, ingabe olukhulu noma
oluncane. Lapho-ke ususidabula
phakathi isinqamu ngembazo encane
ephathwa ngasandla ~~sit~~ sinye.

57 Usuqala ngokuxhoza, usuqopha nga-
+ phansi wenza amasondo, phela
14 amasondo oqwembe amane, uthi uba-
+ za amasondo ubusubaza kanye nezi-
17 nkintsho ezimbili zokuphatha nokule-
ngisa ngalapha nangalapha. Uma lube-
kiwe uqwembe lungahle lulengiseke
kalula ngenkintsho lena ebaziwe.

58 Uthi uqala ukuxhoza ngembazo
+17 ubusuwathe tha! tha! tha! amagxo
lo axebuleke kalula.

Imbazo le okubazwa ngayo iyi-
mbazo eyakhandwa yaphiselwa emphi-
nini inomsuka onjengowe-geja.

Lapho-ke uqwembe seluxhozekile
selubonakala ukuthi amasondo alo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

onke asélumisa phansi kahle alusatsheki, seluphendulwa selugujwa ngesampotho ngapha ngalapha uludaɓule
58
+17
ngakhona usaklaya isigodo.
Nxa isiqediwe indlwane yokudlela sokuthathwa ummese kuɓazwa ngawo seluphalwa ngawo nangaphakathi.

Kwesinye isikhathi kuthatha izinsukwana ezithile ukuɓaza ngakho.

59 ezinye izinyanga ziqqumisa lesosinga-
19 mu somuthi ngokusibeka exhiɓeni ivukele kuso ngomuso; ezinye zisiqqiɓe emquɓeni ukuze sihlale silunama singomile, khona koɓazekakalula kusathambile.

Uma seluɓazwe lwaphela lwathi du, kuɓaswa umlilo kushiswe amagelekedla aɓemane athi nxa ese—ɓomvu kluɓu, selushiswa ngawo ngaphandle wonke luze luɓe—mnyama kanye namasondo alo, lushiswe nalapha emlonyeni walo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

ekugcineni, lusale ngaphakathi ~~[illegible]~~
lube mhlophe khona.

14 Uqwembe luvama ukwenziwa lube=
banzi phakathi luye ngokuncipha
emaceleni ngasezinkintshweni zalo.

61 Izinyanga ezibaza izinqwembe
nxa~~[illegible]~~ zizithengisa zihamba zi-
nqamula izwe zizithwele ngokuzile-
ngisa zingena ziphuma imizi ngemizi
a uma zizinhle abazifunayo bashesh~~e~~
bazithenge ubuthaphuthaphu.
Ezinkulu zazithengiswa ngembuzi,
a esingathi namhla ngeshumi la(o)sheleni
okungukuthi ~~[illegible]~~ intengo
yembuzi ejwayelekile kubantu bonke
~~[illegible]~~ abafuye izimbuzi.
Ukuthengisa kwakuya njalo ngokwedlu-
lana kwezinqwembe ubukhulu nango-
buhle boqwembe. Ezinye zazihlo-
tshiswa ngobuciko obukhulu.

18+ Uma inyama kade ibengelwa noma
19 yephulelwe oqwembeni luyaphalwa

nje ngommese bese lugaxwa endu-
kwini ehlonyiwe laphaya ezintungweni
khona endlini. Uqwembe l^w^omnumzane

20 kuvama ukuba oluhle oluncanyana,
uma-ke zithengiswa namuhla
abantu kanye nabelungu bayazithenga
ngenxa yobuhle bazo, bezithengela
ukuhlobisa ngazo ezindlini [illegible]
nokukhombisa izihlobo [illegible] uma
zihambele kubo umsebenzi owe-
nziwa abantu. Abantu bazithengela [illegible]
[illegible] ukudlela kuzo bona.

Uqwembe luyisitsha esihle kakhulu
ngoba luyephuza ukuguga luhlala
iminyaka eminingi lusebenza, ika-
khulu ngoba alusetshenziswa nsuku
zonke ngoba inyama ivela kancane

15 Kubaza amadoda ayizinyanga
zokubaza.

16 Ophandayo uyafundiswa aze naye
athwase abe ngumbazi owaziwayo
kwedlulane izandla zababazi.

779 K13/118 27.b

51 Izinyanga zibazela imizi yazo. Abantu bazibone bakhangeke bazibekise. ~~Of~~ Omunye afune ezinkulu, omunye akhethe oluncane. Inyanga iyazithengisa, ihamba izithwele izilengisile.

52 Kufundwa enyangeni ebazayo.

53 Umsebenzi wabantu bonke nje abanamakhanda okubaza-kawukhethele muntu. Ingqobo othandayo uyawethwasela uma ezobaza ngobunono uchume umsebenzi wakhe.

19 Uqwembe uma kade ludlela luyaphalwa ngesingqindi nangesiphalo luphanywe kwe. Kakuvunywa ukuba lukhothwe yinja-ngoba iluthela ngamathe ayo ilungcolise.

60 Kabeyiswa, bayaziwa nje ukuthi umfo kabani uyinyango yokubaza izingqwembe, olufunayo angaya kuyena.

61 Bathola ishumi ngoqwembe, noma imbuzi, noma yisaka lokudla.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13 779 ISIXEMBE

K13/118

Kubazwa isixembe.

13 & 14 Isixembe silukhezo olukhulu lokuphaka ukudla okusezimbizeni, emabodweni uma sekuvuthiwe okunjengemibaqanga noma izijingi. Sona-ke siyabondabonda nje nxashane usuphaka ukudla, kuqedwe ukuphaka ukudla sikhothwe ngeminwe, noma owesifazane obephaka asinike umntanakhe asikhothe ngayo iminwe bese sihlonywa ezintungweni zendlu sikhwezeka khona, sobuye sihoshelwe wona lowomsebenzi waso ngomuso.

55 Nayo inyanga ebaza izixembe ithatha imbazo yayo iye ehlathini ithi ukungena khona ihlangane nomuthi ewufunayo igawule lowomuthi, inqume isigxotshana esincane esingangengalo ubude baso lapho silinganiswa

54 Imithi okubazwa ngayo izixembe

Nqamu umgxamu, noma umphumbulu, nemvumo, nesiklali. Lemithi mikhulu imila emahlanzeni ingangomunga ubukhulu bayo. Isikhali simila emahlathini asezixotsheni.

17. Lenyanga yokubaza isinqamula isigxotshana lesi ezosibaza. isicanda phakathi kuphume izincezu ezimbili kuso, bese-ke iluxhoza olunye ucezu ngenzansi ishiye isigamu salo sibe ngangesandla somuntu ngenhla naso isigxotshana. Isigamu lesi esishiyile isisixhoza emaceleni isibuyisa sengathi osibona sisenjalo angahle athi kubazwa iwisa, isibuyisa ngembazo belungayikasebenzisi ummese, kungaphela lokho kubuyisa isithatha-ke ummese isicija ngawo isibuyibuyisa ngawo. Isandla sesejwayela ukubaza yenzayenza nje masinya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K1.3/118

ne umuntu abone sekusixembe khona singakapheli.

58. Isithatha isigwedo sokugweda, isigwedo lesi senziwa ngommese omdala osuwagqwala ofana nommese wokudlela etafuleni, uthi ungaloliwa kakhulu ugotshwe phambili uthandelwe ngemuva lapho kuzoba isibambo khona, ngamaphalo esikhumba senkomo noma uthandelwe ngesikhumba nje.

Isithatha isigwedo lesi igweda ngaso lapha ishiye khona indawo eyibaze yafana newisa. Uma isiyigwedile yayiqeda isisibeka-ke ilanga elilodwa ukuze sihwamuke, sona-ke siyahlonywa nje ezintungweni zendlu lapho kubaswa khona, khona sosheshe some ukuze sibazeke kalula. Inyanga le isisithatha sesihwamukile, isethula ezintungweni, isibaza, ibaza

Seasoned

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

amabazelo amancane khona phaka-
thi isebenzisa isigwedo ukuze kube
kuhle, igweda ngaphakathi kuphe-
?. la ayi ngaphandle.

58 Uma sesiphelile ngaphakathi isitha-
tha ummese isibaza ngawo nga-
phandle, isilokhu isiphalaphala, sibuye
isiqotha-ke manje ibaza amabazelo
amancane impela isilolongisisa
ukuze sibe bushelelezi.

57 Ithi ingaqeda ukusilolonga sonke
ithathe amagelekedla akandwe
anje ngemikhonto iwafake emlilweni
abemane noma abemahlanu uma
izixembe ezibaziwe ziziningi.
Kuthi angababomvu ngumlilo ama-
gelekedla ithathe ngalinye ishise
isixembe phezulu lapha emlonye-
ni isilobe nje isithi shi! shi! shi!

Phakathi naso isixemb-
e ibaze yasishiya isibono, lesisibono
isisiloba sibamnyama, umhlobiso lowo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Igelekedla liphola qede ilibuyisele
ezikho ihoshe elinye eselibomvu
Isilobe ngalo, sibe mnyama lapha
emlonyeni nasesibonweni kanti
simhlophe yonke indawo.
Ezinye izinyanga zokubaza ziya-
sishisa nangemuva zenze ukuba
siqine, kanti ezinye azisishisi
njalo, lokhu kuya ngokuthanda
kombazi.

18. Sithi singaphela inyanga isisinika
umame usephaka konke ukudla
ngaso, ileyondlu inesixembe sa-
kwayo, nephini layo.

15 ~~Asingadibali ukuthi~~ izixembe
~~mazi~~ zibazwa yiwo amadoda ayi-
zinyanga zokubaza ~~zona~~ nezinqwe-
mbe, nezinkezo, amaphini nezikhethi

61 Nazo ungabona umuntu ehamba
ezithwele efunisa ngazo, abanye
bamkhangeze umbidlana, abanye
bamnike openyana. ~~Ziyasha~~ ukubiza
usheleni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

16 Isiscembe sibazwa amadoda ajizi nyanga zokubaza.

Isiscembe kasibekwa phansi
17 uma sibonda sibekwa phezu kwembiza. Uma sesibondile sinikwa ingane ukuba isikhothe. Siyahlonywa ezintungweni ukubekwa kwaso emsamu.

20 Sisasethenziswa kakhulu nanamuhla.

51 Ababazi bayazithengisa.

52 Bayazifundela nje ngoba kulula ukusibaza

53 Nobani othandayo uyazibazela

57 Kugashelwa ukuba uthi lwaso ~~lubo~~ lulingane isandla lungabi nzima kakhulu. Kakubazwa ngomuthi ophehlwayo nohumuzekayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 32.3*

60 Ababazi kabatshazwa ngalutho bangabantu nje.

---

61 Bayazithengisa ngozuka nango sheleni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13

779

# IWISA

K13/118

~~Ku~~bazwa iwisa

Iwisa leli „isona sikhali esikhulu esibazwa ngomuthi esaziswa kakhulu ~~yiwo onke~~ amadoda. Ngingathi bonke

18 abanumzane bemizi banawo amawisa ezindlini ~~noma~~ nga mabili noma nga mathathu. Kuqala ~~izwe lisabusa ngokadala onke~~ amadoda ayethi nxa ehamba abe ephethe izinduku, newisa lingasali, kwakuyiyona nduku enkulu yokunqamula izwe. ~~neenkahanjwayo~~

Iwisa lalisetshenziswa kakhulu ngesikhathi sezimpi, bekuthi nxa isihlangane yabambana ngezandla ufumane izinsizwa sezidabula amawisa azo, zigalele ngawo ~~a sa~~ zisa- kaze ikhanda lenye indoda. ~~kudume~~

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

~~manzi, ingasadle nkotshana zamfazi~~
~~izwakale isho ngezwi ithi~~ "Ngadla
mina mfo kabani." Isho imdabula
ngalo ubuchopho
~~isisu umuntu kusakazeka amathu~~
~~mbu ibimeqa njalo ibeke phambili.~~
Iwisa ~~lelo~~ liyinduku yamabutho, uma
insizwa iphethe lona ~~esandleni~~ lihle
ligcwale isandla sayo, nayo izizwe
18 isinesibindi esesabekayo namandla
amakhulu, ~~kunjalonje yesabeke nempela.~~
Izinsizwa ezazibulala izilwane
zakuqala njengengwe ~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ zazisebenzisa iwisa.
Uma kukhona ingwe ~~[illegible]~~ esibu-
lele izimvu ~~[illegible]~~ bekukhethwa
izinsizwa ezingamaqhawe, ezinesibindi
~~[illegible]~~ ziyiphumele ingqina
leyongwe.
Lapho-ke zowulanda ziwulande
umkhondo wayo izinja, zothi uku-
ba zifike lapho ihobe khona ingwe
~~[illegible]~~ inyamazane ~~[illegible]~~

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

esikhumba sayo simabalabala amnyama namhlophe, uboya baso obucwebezelayo, zizwakale seziyikhonkotha zingenakusondela kuyo ngoba izogxuma ~~ngokaphazima kwesa~~ iyidabudabule nje injana isiswana, amathunjana asakazekele lena. ~~phansi~~ Uma nazo izinja zithukuthela ngempela ukuba ingaze icishu ukuziqeda nje izicakela phansi. ~~ngoba,~~

Izinja nazo ngokuyazi kwayo zozibalekela zibuyele kubaninizo. Pho! izinsizwa ziphume emakhaya ziyiqondile zihlome ngamahawu newisa insizwa ngensizwa zihle ziqonde la kukhonkotha khona izinja zoqhamuka qede ingwe izibone, kayisathukuthele lapho isimzimba usumncane ungangôwêkathi

779

K13/118

ingabe isachitha sikhathi-ke lapho nayo iyosuka igxume ibeke phezulu igxumela ensizweni eqondene nayo isiqonde ukuhlala entanyeni [illegible] ~~ingqamule~~ ithampo ~~intamo kube kuphela~~, nensizwa isizovika ngehawu layo ifike iziphose kulo, insizwa igalele phezu kwekhanda layo ilishaye idabule ubucophongaphakathi, kube kuphela isifile njalo ingwe. Isiyathwalwa noma iyahlinzwa, sokubuywa nesikhumba. Isikhumba lesi sisetshenziswa amakhosi ngokuthunga amabeshu okubincwa ~~njei noma esemakhaya kubuswa okungamihlom~~

19 Namuhla-ke iwisa leli selavalwa phakathi kwezwe kalisaphathwa zinsizwa noma amadoda chamba edabula izwe, lokho sekulicala, usungaze ulibone liphethwe amaphoyisa akwahulumeni, ngoba lesatshwa ubungozi balo phakathi kwezwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

54 Iwisa lenziwa ngalemithi; ngomnqa-
yi, nangomnquma nangomncaka nangomsi-
mbithwa, yonke lemithi itholakala khona
55 emahlanzeni, yenza nezinduku ezinhle-
kakhulu, kukhethwa imithi eqinile enga-
dabuki. Amawisa abazwa ngomncaka
ambalamibili, amhlophe nganxanye abe
bomvu nganxanye, kanti awomsimbith-
wa amhlophe nganxanye abebomvu nga-
nxanye.
56 Inyanga yokubaza amawisa ithi
ingafica umuthi ewuthandayo iwugaule
inqamule isinqamu. Bese isinqamula
izincezu noma zibentathu, kulezo-
ncezu ezintathu, yilolo luzophuma
iwisa. Isiqala ukubaza olunye ~~ue~~
ucezu iqophe induku ishiye ngenhla
isikhanjana ilapho kuzoba ikhanda
lewisa khona. Isibaza yonke induku
Inyanga isizobaza ikhanda lewisa
ngamabazelo amahle amaneane
iqothisise ukubaza kwayo ilibulunga

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

kahle ngommese libe imbulunga efana nembokodo yokuqotha umuthi wezinyanga zokwelapha izifo.

57 Khathisimbe nxa kuthi selibaziwe iwisa, inyanga yabona induku ~~to~~ yalo igoba iyalelula njengemiphini yamageja nokunye njengezixembe, ngokulicindezela nge~~nduku~~tshe eliyisicaba leluleke, noma ngokulifusa emlilweni obasiwe ngotshani, lingafuseka isifaka embaxeni yomuthi ilelula kancane nalo livume ukweluleka.

Kuyenzeka ukuba lidabuke futhi, uma-ke kunjalo iyalihuqa ngobulongwe yonke indawo, ithi ingasusa ubulongwe iliphaqe lonke ngonwali-umhlwehlwe wenkabi ogcinelwa yona lemisebenzi enjengalena.

Ukuvimbela ukudabuka komuthi obazwayo noma uluphi uhlobo nxa ludabuka ugqunyiswa emqubeni wezinkomo ngaloko ulunge.

Seasonuck

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

38.2

K13/118

779 Incekwa yiwisa elibazwe kahle labanemisele ehlatshiwe yonke imbulungu. Linamaqhuzu emaceleni. Elokusina nokukhetha emsindweni.

---

Inkonjane yiwisa elibazwe laba namaphiko, lanekhanda phezulu njengelenyoni. Libotshozwe imboko eyindiiinga ikhanda lenyoni. Nalo elokusina.

---

Ichophelo iwisana elincane libazwa lifane nephepha leli elidlalwayo lamakati okuthiwa yigoli. Liyacija phezulu liphuma amaphiko phezulu. Elokusina nezintombi zijaliphatha.

---

Ingodwane iwisana elincane lokusina emsindweni. Induku yalo imbiwa phansi esigqini somuthi libazwa kahle lithi ukugoba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/ 118 38.3[x]

Iwisa laliphathwa yiNkosi.
Amabutho ayelihloma ephitshwe yiNkosi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13 # ISIGQIKI (UMGQIKI) 1

Kubazwa isigqiki. K13/118

18 Isigqiki ~~let~~ lesi abanye basibiza ngokuthi umgqiki, umgqiki ~~[illegible]~~ ~~[illegible]~~ kuhlalwa kuwo. Singathi-ke ~~[illegible]~~ isona sihlalo sethu esihlala kuso, kuhlala kuso abesilisa bodwa abanumzane nezinsizwa, ikakhulu izinsizwa zivama ukuhlala phansi zizi nze ~~[illegible]~~ phezu kwezikhumba ziphequlile amabeshu ~~[illegible]~~ ukuze angasheshi ~~[illegible]~~ ukuguga nokuhwayeka uboya. Abesifazane kabalokothi

19 bahlale esigqikini njengamadoda, bona bendlala amacansi bahlale kuwo, nezinsizwa zihosha izicephu zihlale kuzo. Siyaziwa isigqiki somnumzane. Akekho ekhaya ongahle aqoshaqoshame phezu kwaso ngokuthanda, kungaze kube nguye umnumzane ohlonipha umuntu wokuhamba ophambukele kwakhe

Prohibition

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

ongamewusela isigqiki ukuba ahlale kuso uma engamethulelanga esinye sezikhumba zakhe ezilenga emgibeni khona endlini.

18 Isigqiki siyasetshenziswa futhi njengesicamelo sokulala, umnumzane ucamela kuso isigqiki sokulala.

14 Isigqiki sinamasondo amane kodwa asiphakeme kwakuyaphi, kulula ukuba ungacamela phezu kwaso sihlupha nje ngoba kulukuni ukucamela kuso, ngaphandle kwabaniniso abasejwayele. Abantu abajwayele imicamelo yabelungu ethambileyo bezwa ubunzima beke bacamela phezu kwesigqiki ubusuku bonke, bavuka bezibika ubuhlungu bamakhanda nokwephuka kwezintamo zabo, nezinqulu zabo ngenxa yokuhlaba kwenhlabathi elukhuni kade belele phezu kocansi, ngoba sebejwayela imibede ethambileyo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

179 

K13/118

14 Kukhona neziggqiki ezibizwa ngokuthi
imibuku ngoba phela imibukuza nje
17 yezinqamu zomuthi. Leziziggqiki
zenziwa ngokunqamula isinqamu
esilingeneyo ukuhlala phezu kwaso
mhlaumbe inyanga ebazayo iyawu-
baza phezulu noma macaleni
onke kube kuphela. Loluhlobo lwe-
siggqiki nalo luvamile phakathi ~~kom~~
kwemizi. ~~yabamnaanen~~

15 Isiggqiki sibazwa ngamadoda.

16 Amadoda ayizinyanga zokubaza
yiwona abaza iziggqiki.

20 Isiggqiki siyasetshenziswa kakhulu
nanamuhla lokhu.

51 Izinyanga ezibaza iziggqiki ziyazithe-
ngisa, imali yazo isuka esihlanwini
sosheleni.

52 Umuntu ufunda enyangeni yokubaza
Ofundayo ubaza kube izigwegwe
kube amaggqizimba nje. Kuze
kuye ngokuya ejwayele aze

779 K13/118

ethwase efundiswa yinyanga yokubaza.

53 Kubaza umnumzane nendodana ingafunda nje kuyise. Akufihlwa, kubazelwa obala phansi kwesihlahla.

54 Nansi imithi ebaza izigqiki noma umigqiki — izicamelo noma imibuku: indenda, umncaka, umkhamba, ingqayi, isifuce, ingqwangane, umgwenya. Umncaka ubaza izigqiki ezibomvu ulukhuni lowomuthi.

55 Iyagaulwa emahlathini nase mahlanzeni. Amahlathi amakhulu ase Nzonyama, ePhasiwe, eNtabakayikhonjwa, eMbone, eMhelweni - Kwa Noqgwaza.

56. Kukhozwa isingqamu somuthi osudatshulwe waklaywa phakathi, kwakhishwa umongo. Kubazwa umbumbulu kuxhozwe amasondo amane. Umongo ukhishwa ukuze umgqiki ungadabuki.

57 Kubazwa ngesampotho izembe elincane eliphathwa ngasandla sinye.

Kubazwa indawo elingene ukuhlala komuntu ngezinqe, noma elingene ikhanda nxa umuntu esecamele. Esinye sibazwa siqonde, esinye sibazwa sithi ukubensa kancane - emaceleni kushiywa isibambo esincane, esilotshwayo ngensimbi eshisiwe. Amasondo amanye abanamagilwana amancane awazongolozile. Siphalwa sesibaziwe ngamabazelo amancane. Siphalwa ngocelembanangommese. Amasondo ayangunywa alinganiswe ukuze sime sithi mpo. Singaze satsheka. Siyalolongwa ngetshe elifana nechoba size sibebushelelezi.

58 Kugawulwa ngocelemba nangezembe, Kubazwa ngesampotho nangesinginda. Umhlobiso wenziwa ngesigwedo. Kulotshwa ngamagelekedla. Kulolongwa ngechoba Imbobo yokusilengisa ibotshozwa ngosungulo.

59 Kubazelwa enkundleni ngasesangweni. Uma kumakhaza kubazelwe

endlini ngasemnyango ukuze ku-
khanye. Akuvunyelwe ukuba izingane
zigange ngezinto zomnumzane obazayo
Into ebazwayo kayibekwa nje
lapho ingeqiwa ngowesifazane. Ngoba
uma eyeqile, umyeni wakhe obazayo
angathola ingozi ~~uko~~ uma kuphethwe
izikhali. Ukhuni olubazwayo lugco-
bhwa ngobulongwe ukuze luthambe
lungadabuki - noma lukhathwe ngo-
mwali.

60 Ababazi bayaziwa njengabantu
ababaza ukuthi nokuthi. Kutshelwane
ngabo. Kodwa nabo babangabantu
nje, Kabahlonishwa ngoba bengaba
bazi. Kodwa bona bayaziwa ukuthi
ubani ubaza ukuthi.

61 Izigqiki bayazithengisa ngokudla,
nangezimbuzi - isibuzikazi sithole
isigqiki.

gaan vanaf 44 direk na 47.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 Kubazwa izinkezo

54 Izinkezo zibazwa ngomgxamu, nangomncaka, nangomdakane, nangedungamuzi,
55 nangeminye imithi etholakala emahlathini ehlanze kuya ngokuthanda kwenyanga yokubazwa izinhlobo zemithi ezikhethayo nangemithi etholakala kuleyondawo.

Idungamuzi umuthi ongabaswa uma ubasiwe kuthiwa udunga umuzi wehlukane phakathi. Umncaka wenza izinkezo ezinhle ezimbala omnyama
18 ngapha, ubebomvu ngaphaya, lezizinkezo ezabanumzane abadla ngazo
14 amasi. Izinkezo zomdakane zimhlophe,
lezi ezamakhosikazi adla ngazo imicuku. Izinkezo zisetshenziswa kakhulu uma kudliwa ngazo amasi nakho konke okunye ukudla okunjengezijingi nemidokwe. Uma sekuphelile ukudla ngezinkezo ziyesulwa zifakwe zihlonywe ezintungweni noma zifakwe

How kept?
18

779 K13/118 48

esampompeni zilengiswe endlini.

Izinyanga ezibaza izinkezo ~~ngamathe~~
56 zinqamula isinqamu somuthi sibenga-
r ngobude bengalo yomuntu, uma isinqamu
57 sisikhulu, siklaywa phakathi ngembazo
17 izincezu ezimbili, kube ilolocezu
lukhiphe ukhezo.

Lolucezu inyanga iyalubaza isixebulile
igxolo ilunciphise kakhulu sonke isidu-
mbu salo kusale ikhanjana eliqoshe-
lwe ngenzansi kwalo, isidunjana
✓ sonke sixhozwe ngamabazelo amakhu-
lu kuze kuthi nxashane sekusala
indukwana engangesithupha ubuqa-
tha iqaleke ukubaza ngokunakeke-
la, isibaze isibambo sokhezo isibu-
lubulunga sibe indilinga yonke inda-
wo yaso, kwesinye isikhathi isibambo
sisontwe ukubazwa kwaso noma
siqhothiswe ngabomu ngaphansi
siphume isibonywana noma isifunja-
na ngaphezulu kwenzelwa ubuhle

bokhezo, lume kambe induku yalo isibensi-
le. Inyanga isithatha isigwedo igwe-
de umlomo walo ishone phansi kusale
uhlonzi olulingeneyo wonke umlomo walo
kuthi uma seluphethwe ngesandla
luzwakale lungasindani, ilubuyibuyise
ngaphandle kahle ngommese ikhipha
amabazelo amancane.
Luthi lungaphela ukugwedwa ngesi-
gwedo, iqale ukululolonga yonke
indawana ngommese lube bushelele-
zi, uthi ungaluphulula luzwakale
lushelelela esandleni kungasekho
izindawo ezihwayayo.
Ezinye ziyaqoshwa umhlobiso esibambeni
zihlobiseke kahle impela, ezinye
zibemsulwa zingahlotshiswa ngalutho.
Namhlanje sekuthengwa ezitolo
iphepha lokuhwaya, ilona kulolo-
ngwa ngalo zonke izinto ezibazwa-
yo. Lungaphela luthi nya, isiluloba
lube mnyama esidunwini salo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nasemhlobisweni okhona, kwesinye
isikhathi nasohlonzini lomlomo luzu-
ngezile, olunye alulotshwa nempela.
Umlomo wokhezo ulingene umlomo
womuntu ubukhulu bawo, okungu-
kuthi lunomthamo omkhulu. olom-
numzane kuvama ukuba lukhezo
oluhle oluncanyana olunomthanyana
olingeneyo, azilokothi izingane
(noba ubani ekhaya) zidle ngokhezo
oludla umnumzane luyaziwa yibo
bonke luyahlonipheka sonke isikhathi
Abazithengisayo bazithengisa ngopeni
61 lulunye, ezinye zibiza uzuka, kuye
ngobuhle nangokwedlulana kwazo
15 njalo.
& 16 Inyanga yokubaza ithi ingabaza
izinto eziningi ihambe inqamula
izwe izithwele izithengisa, abantu
sebezokhetha abaziqokayo bazithe-
nge ngemali ekhonjiweyo.

Children forbidden

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

50.2x

779 K13/118

Ukhezo kalujikwa eziko ngoba inkomo imila izilonda embeleni.

---

20 Ukhezo luyasetshenziswa kakhulu kulo lonke izwe hanamuhla lokhu.

---

58 Isigxobo singanyulwa ngezembe. Ukubaza kubazwa ngesampo-tho noma ngesingindi, ichoba yilona okulolongwa ngalo. Lulotshwa ngosungulo olushisiwe.

---

59 Umlomo wokhezo uyalotshwa noma ugudlwe kahle ulolongwe ukuze ungahwayi umlomo womuntu esedla.

---

60 Bangabantu nje.

---

61 Bathola ozuka noshelemi ngezinhle kakhulu

---

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# ITHUNGA K13/118

## Kubazwa ithunga.

Ithunga lokusenga laziwa kakhulu ngokuthi umqengqe lilukhuni, liyephuza ukuguga, liyathandeka kakhulu ngenxa yobulukhuni.

Libazwa ngalemithi, isigonswano nomdubu, nomgxamu nomgqwabagqwaba noma eminye ekhethwa umbazi obazayo.

Amathunga omuthi alukhuni kwala inkomazi esengwayo ikhaba ngonyawo noma liwa nanxa ilikhabile alifocoki njengamathunga ~~esilungwlana~~ enziwe ngensimbi kathayela afocoka kalula.

Kuthi kungethiwa ubisi emaguleni ligezwe ngamanzi, libekwe emsamu endlini ~~ta~~ limboziwe, ~~kenga~~ zingabi nakungena phakathi izimpukane ezifuna ubisi, ngakho lihlala lihlanzekile njalo njalo.

Ngesikhathi sokusenga kuthelwa amanzi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ethungeni, lawomanzi azogeza ngawo osengayo esibayeni.

Umgqwabagqwaba okubazwa ngawo umila emahlanzeni nasemagqumeni ezintaba mukhulu isihlahla sawo,
55 amagatsha awo anameva, ehlobo uba nembali enkulu ebomvu, izinhlamvu zawo zimhlophe, muhle ngoba phakathi uyahumuzeka kalula.

Umbazi ugaula isihlahla anqume
56 isinqamu asifunayo aye naso ekhaya kwesinye isikhathi asithukuse phansi emqhubeni, asibaze, uma seliphelile ithunga uyalibeka exhibeni izinsukwana ukuze lihwamuke lize liqhine kande lisetshenziswe.

Omunye ugaula enhlana nomuthi ashiye isinqamu azobaza kuso umqengqe esiqwini somuthi awuxhozele khona lapho esiqwini, nokugweda ~~asio~~ awugwedele khona kulesosiqhu, aqophe izinkintsho zibembili ngapha nangapha

K13/118

7 Kubamba uma kuthwelwe ubisi.
Awugwede qede anqamule phansi
uyabuyela ekhaya usethwele umqe-
ngqe wakhe usicishe waphela kade
ewubazela ehlathini.

11 Abayithengisayo imiqengqe baye babize
osheleni ababili.

13 # ISIGUBU

Isigubu sibazwa ngomgqwabagqwaba,
Kugaulwa umuthi onesiqu esikhulu
55 kunqunywe isinqamu esibanzi ngokwa-
1 hele. Sigwedwa phakathi isinqamu
56 kube imbobo, kubotshozwe izimbobo
ezimbili ngapha nangapha. Ngaphambi
kokuba sigwedwe, siqala sishaywe
ngesampotho esaphiselwa emphinyaneni,
ndawo zombili, kande ukuba sigwedwe.
Siphela sithi du, kuphalwe izikhumba
ezimbili zamathole, seziphaliwe zenziwa
kahle, sezizoncwelwa amafosi athiwe
ntwe, ntwe, ntwe, zihlanganiswe zombili
phezu kwesigubu esinye sigubuzele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

Kulelicele nesinye ngakuleliya cele zihla-
nganiswe ngamafosi ziboshwe zithiwe nsi
kube isigubu esikhala kudume kude.
Kubuye kubazwe izindukwana ezimbili
kwenziwe izindwangu zibe isigaxa zitha-
ndelwe ngesikhumba siboshwe sithi nko
endukwaneni ithiwe ukuqhoshwa, lelikha-
njana liboshelwa endukwini ngefosi.
Izona zagidlana ezizoshaya isigubu
ngapha nangapha sishaywa ngeza-
ndla zombili ngokuthanda komuntu.

Isigubu sishaywa uma izinsizwa
zibizana kade zitshelene indawo
yokuhlangana, bala sizwakale qede
zibuthane zonke kuleyondawo.
Nka kuthandwa insizwa kulesosigodi
kokhala isigubu, sozwakala kusihlwa
kuhwalala koze kube sebusuku,
sezibuthene zonke khona lapho.
Zibuye ziyolala, sezovuka kusemny-
amana, ziyosishayela entabeni, zibu-
thene zonke ezemizi eyakhelene,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 55

eduze, entabeni zibase umlilo, sozwa-
kala kuse kuse kuthi dwi enzansi,
ukubuya kwazo naso ziya kobo-
sha [illegible] zifika ekhaya zi-
hloma iduku elimhlophe endukwini
ende ekhaya ekhombisa ukuthi
insizwa yasekuthini [illegible] isiyathandwa.

Nezinye izizwe [illegible] ziyasibe-
tha kakhulu isigubu emidlalweni yazo
ethile, [illegible] ungezwa
abantu sebesilingisela ngoba bayakwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zi ukulingisela into, ~~[illegible]~~ bethi sikhala sithi "Inkosi yamaku— bayifaka emgodini, —anjingi njingi njingi— usisipense nopeni— dum-dum-dum-turu-tutu-dum." Basilingisela kanjalo-ke ukukhala kwaso, kuhambise okwesulo elithile. Ezikoleni zabantwana futhi, uma benza imidlalo ~~yokwetula~~ yokudrila ~~imizimba~~ siyashaywa isigubu kwezinye izikole kuye ngokuthanda kwabafundisi bezingane.

## Ukuphehlwa kozwathi

Bengakafiki abelungu kulolonke lelizwe laseNzansi neAfrika wawuphenjwa umlilo ngabantu abansundu.

Ukuphenjwa kwawo kwakumi kanje, kwakuthathwa uzi noma umbanga-ndlala, kuthathwe uzi nenduku yale kuphehlwe umlilo, noma kuthathwe umbangandlala nenduku yawo ku-phehlwe umlilo. Uma kuthathwe uzi kwakwenziwa isigojana kulo sithi

ukushona kuthathwe induku yalo kuphehlwe ngalo, umuntu aqinise izingalo zakhe. Bekwenziwa njalo nanxa kuphehlwa ngombangandlala.
Umlilo wawuthungelwa futhi ngetshe okuthiwa igcaki, lelitshe limhlophe bekuthathwa amagwadla amabili alelitshe ashaywe ndawonye kugxume inhlansi, sekubekwe utshani obuthiwa inkondlwane phansi, ngoba bushe-she buthungeleke buvuthe umlilo, iqasha inhlansi iwele kubo buthu-ngeleke, sekuukuthunqa kwayo njalo.
Kwakuthathwa amatshe ama-bili egcaki asongwe ngenkondlwane eyelukiwe alondolozwe umnumzane othile njengoba umuzi umkhulu.
Indoda isizothumela inkosikazi yayo eyithandayo iye kumnumzane iyowu-cela, uzothi ngokuyiklwebela bonke sebokokhela baphembe ezindlini zabo.
Uzothukuzwa emalahleni, wogcinisiswa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ungaze washesha ukuphela.
Nxa ~~xxx~~ usheshe waphela ngoku-
buyela kumnumzane usezothetha
athi: "Beninani ukuwuthukusa?"
Umlilo ulondolozwa ngengoqo idaka
lesibaya nangombondwe ongasheshi
ucime, omunye umuthi ongacishi
masinya isiqalaba.
Umtholo umuthi obaswayo, awuna
lahle elihlala isikhathi eside,
lomuthi uyephuza ukubola, awu-
dliwa umuhlwa njengeminye imithi
eshesha ukudliwa umuhlwa.
Abelungu benza ngomtholo izigxobo
zocingo ezilukhuni, zihlala iminya-
ka ngeminyaka, usibone nje nawe
ukuthi sidala lesisigxobo kade
sagxunyekwa kulolucingo, seba-
bamhlobhana zimvula, kodwa sise-
mi siqinile nko.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13 UMQENGQE K13/118 59

719

## Ukubazwa komqengqe.

Isisakhulumi ngomqengqe othiwa
18 ithunga lokusenga sesiloba lapha
ngomqengqe wokuphakela izingulube
ezifuyiweyo. Kuyaziwa ukuthi izingu-
lube izilwane ezidla zichitha nge-
nilomo, ngezimpumulo zazo zibe zi-
fosha zipeketula, zivukuza inhlabathi
nesitsha esilulana siphethe ukudla
kuchithekele phansi. Ngako zifuna
ukudlela entweni esindayo ezinge-
nakuyipenula neze ngemibombo yazo.

54 ~~Kuqoshwa umuthi~~ Umuntu ugaula
isiqu somkhamba omkhulu anqamule
55 isinqamu eside ngokwanele sibe si-
56 qatha sibanzi ngokwanele, usesixho-
57 za amagxolo asixhozaxhoze ngapha-
nsi nangasemacaleni omabili, uqeda
lokho asigwede ngaphezulu, ende
indlwana yokudlela ishone phansi
kakhulu ayenze ibebanzi ibenama-
gumbi ngapha nangapha, ukudla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

kuthelwe kungachitheki nempela.

18 Umqengqe isitsha esihle kakhulu
ekuphakeleni izingulube, muhle ngoba
wephuza ukuguga, futhi azikwazi
ukuwuketula nanxa sezifosha nga-
phansi kwawo.

54 Esinye isitsha esihle sokuphakela
izingulube umqengqe owenziwe ngetshe
56 Kuqoshwa itshe lasemfuleni elizisha-
ya sadwala, elifana naleli lokugaya
lenziwe isigodi esiyindlwana phaka-
thi. Lomqengqe wezingulube uyinguga
[illegible] uhlala uba uhlalile. [illegible]
[illegible]
[illegible]

Uma-ke umuntu enomqengqe esibaye-
ni sakhe wabonwa ongenawo umu-
zwa esethi "Awu! waze wejabula
ubani yena enomqengqe womuthi,
unesitsha esilukhuni sokuphakela
izilwane zakhe, nami ngizozifunela
wona kumuntu okwazi ukubaza."

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 INDUKU 60.2

K13/118

3 Induku ibizwa ngokuthi isikhwili, noma kuthiwe umshiza noma kuthiwe umzaca.

---

3 Uvava induku evavekile esighumile, mhlaumbe ivaveka kuliwa noma ivaveke umuntu eshaya isilwane esithize.

---

Induku kayeqiwa ngowesifazane. Uma eyeqile uyalimala.
4 Ukuyeqa ku ukulimaza indoda yakhe lapho sekuphethwe izikhali.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

Ukubazwa kwezinduku.

Miningi kakhulu imithi egawulwayo emahlanzeni nxa ~~[illegible]~~ kuyogaulelwa izinduku, kuvame imithi elukhuni, kwazisa ukuthi induku isona sikhali sabantu bonke besilisa esiphambili wawungembone nempela umuntu ehamba engamula izwe ngezandla evathazela ~~[illegible]~~ engaphethe nduku. Lokho kwakungaba umhlolo omkhulu, kwakungababaza izwe lonke. Akusenjalo namuhla usubona abantu behamba ngezandla bengaphethe nduku esandleni ngenxa yempucuzeko nemfundo eseyafika. ~~[illegible]~~

Kusukela kubafana abelusayo kuze ~~[illegible]~~ emaxhegwini induku yayingaphumi esandleni nakanye. Mukhulu umsebenzi wenduku, umuntu ehamba endleleni ebona inyoka ilele uyishaya ngenduku.

Abafana belusile beqhathwa endle
18 bavika bagadle ngenduku, izinsiz-
wa ziyoshela ziyoqomisa, noma
ziye emsindweni noma emavwiyweni
emikhosi yakomkhulu zihloma
ngezinduku. Amadoda ahamba
ehlome izinduku ngambili kube
uboko lolu lokuvika nokudondolozela
emaqhegwini amadala.

15 Ukugaula izinduku ehlanzeni
akukhethele nyanga yokubaza yodwa
16 nabafana abelusayo bayaya ehla-
nzeni bayozigaulela izinduku ezi-
lingene bona. Izinsizwa nazo zi-
yaya ehlanzeni ziyozigaulela
imishiza kanye namadoda futhi.

61 Kanti-ke bakhona abazigaulayo
zibeningi bahambe sebezithengisa
ezifundeni ezisenkangala ezikude
namahlathi ezinduku. Bala aba-
ntu bozithenga baziqothule nya
kungasali neyodwa, ngoba bekhu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

mbula imishiza yokugadla lapho
kuvele uthuthuva lwempi emisindwe-
ni noma-phi.

Izinduku zigawulwa emithini
54 elukhuni njengalena, ikhukhuza,
inqayi, umzane, umthelelo elinye igama
lawo umsimbampuku, wona-ke
ubomvu umbala wawo, iwona futhi
abelungu ababaza ngawo isondo
lonke liphela lenqola, (amafelangi
nezipokwe zawo zonke.) Umthelelo
55 unesiqu esikhulu ngokwesabekayo
ububanzi baso, umile emahlathini
amakhulu odwa, ongathi nxa
ungene phakathi uduke bakuzwe
usumemeza ~~k~~ kude usudwanguzela
wedwa, mhlaumbe udliwe izilo
ezihlala phakathi. Imishiza lena
imila nasezimpandeni imile ithi thwi.
55 Nanka amahlathi amakhulu ofu-
nyaniswa kuwo kwelasePhasiwe,
naseMholweni, eNkandla naseMbona,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Eminye imithi elukhuni egaulwa izi-
nduku umnama, nomthongwane
ulukhuni lona ongenzi amashungu
okubema ugwayi, wona umila nje
izinduku zokugaulwa.
Eminye futhi egaulelwa izinduku
ilalanyathi, umnquma, umsimbi-
thwa, icibo, umdakane, iphahla.
Iphahla umuthi obaza izinduku,
nezimboko nezagila zokushaya
amanxala, izimpunzi namaqhina.
Nxashana umuntu ephethe umshiza
19/1/59
wephahla usuke ephethe induku
yenhlanhla, induku yezinkomo
ukuze umuntu abe nenhlanhla ngisho
noba eyolobolisa.
Umnukambiba umuthi ophathwa
kanye nezinye izinduku ngoba awu-
lukhuni kangako, ungeze wawe-
themba uwadwa uma uwelelwa
utho uyanqamuka.
Umqalothi umuthi odlelwa isisu uma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 Sikuluma, uyathimulisa kakhulu nxa
umuntu ewuphala, ulukhuni uɓaza
imishiza, uyaɓaɓa uma uphuzwa
amagxolo awo ~~axe~~ axetshulwayo.
Izinduku zigawulwa zinqunywe
56 kahle ngaphansi zolungiswa kahle
emakhaya sezinqunywa zilinganisiwe
uɓude ɓenduku yokuphathwa nge-
nhla nangenzansi, zisuswe amahlu-
melo amile eɓundukwini ɓayo.
Uma zigoɓile zelulwa ngokuɓa
57 zicindezelwe ngetshe elikhulu noma
zelulwe ngokufakwa embaxeni
yomuthi ziqondiswe. Ezinye zigcots-
hwa ngonwali zihlonywe emqhadini
wendlu, aɓanye ɓazifaka emquɓeni
izinsukwana ezithile.
1 Izimboko ziɓazwa ngomsimbi-
54 thwa umuthi olukhuni, zilinganiselwa
uɓude ɓomuntu, ezinye uɓude
14 ɓazo ɓufika ekhwapheni, zixe-
tshulwa amagxolo ziɓazwe kanca-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 ne zinciphe enzansi zicijiwe lapho, kuthi ngaphezulu ngasekhanda zibazwe kahle zenziwe indilinga eyisicaba phezulu.

18 Izimboko ezokuvika ngesandla sobunxele, ~~ezokudolo~~ ezokudondolozela amaxhegu ehamba esaphelelwa amandla.

Aqinisile amazwi akhulunywa izihlakaniphi, izazi zokukhuluma okuthi, "amanzi azwiwa ngoboko."

Ukhozi luboko olude olubazwe lwashiywa amaphiko anjengokhozi lwacija ngapha nangapha.. Olwezinsizwa loluboko.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

# IMITHI ENGATHINTWA

Umdlebe utholakala oBonjeni kawuthintwa. Abantu bayafa bonke. Ungaze ulethe inyanga ewuxebulayo izokwelapha ukuze ungene emzini wakho.

Idungamuzi aligawulwa, kawuzi ekhaya, kawubaswa, umuzi uyaxabana.

Isanyiwane asigawulwa, sifana nedungamuzi.

Uhluhluwe aluthintwa luso Bonjeni lunameva. Lukuhlaba ugule unyaka ufe. Abathakathi abawazi.

Uhlinzampuku nawo awugawulwa ukuhlaba ukulimaze, uvuvuke njalo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

<u>Imithi okwaliwa nayo.</u> K13/118

Kwala iNkosi nabanumzane
ebekwa amaphoyisa.

<u>Umkhoma</u> ukhanda izingola.
kodwa abantu kuqala babewuga-
wula eNkandla.

<u>Amaphumbuluka</u> - amaphumbulu
ayadliwa kawagawulwa.
Adliwa ngoNdasa. Amaphumbuluka'
kuthiwa amathunduluka.
<u>Amagwenya</u> nawo awagawulwa
adliwa ngoMbasa.
<u>Umtulwa</u> awugawulwa uvuthwa
ngoNdasa.

<u>Imithi engenalusizo</u>

<u>Inhlokoshiyane</u> ayikazi.
<u>Isiqalaba</u> asinalo usizo.

<u>Owezulu</u>

Umvithi umuthi onezulu,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

uvimbela izulu ngoba awu-
shaywa yizulu.

Imithi itholakala emahla-
nzeni, emahlathini. Nanka
amahlathi: eNzonyama,
nasePhasiwe, eNtabakayikho-
njwa, eMbone, eMholweni,
Kwa Nogqwaza, eNkandla.

---

13 UMGOQO

Umgoqo ngugongolo noma ngumvalo
wesibaya sezinkomo. Kugaulwa
14 ugodo lomuthi nje lunqunywe.
Kulinganiselwe isango lezinkomo.
18 Kuvalwa ngalo esangweni.
Uma kuhlatshiwe inkomo kuthathwa
imigoqo emibili emikhulu ilaliswe
ngapha nganyaphaya kwenkomo
ehlinzwayo. Uma isihlinzwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isikhumba sike sebulwe ngomgqogqo
olungene ukuphakanyiswa ngezandla
omunye aqqule ngawo, abanye baka-
mbe isikhumba ngakho kusheshe
kuhlinzeke.

## ISIGONGODO

13 Isigongodo kungu mgonggqolozi
noma isiqobolo noma umbo-
mbolozi.
14 Kungunywa ukhuni nje olulingene
18 kuboshelwa kulo ihlahla.
20 Kubulwa ngalo amabele lolugodo
okuthiwa isigongodo.

13

## IHLAHLA

Ihlahla kugaulwa ihlahla lomuthi
nje onamagatsha amakhulu.
18 20 Ihlahla leli kubulwa ngalo umlilo
uma kubatshelwa emva komuzi
ngokungena kobusika.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# IPALI

13 Ipali isibonda esigaulwa ngamadoda emuthini oqinile njengomkhamba.
Isigodo siyanqunywa ndawo zombili, sibe yisigxobo esilingene. Sigxunyekwa phakathi esibayeni Kusengelwa kulo. Inkomazi iboshelwa kulo ngezimpondo uma kusengwa.
Ipali liyasetshenziswa nanamuhla.

# IPHEHLO

Iphehlo libazwa ngumuntu obazayo. Uthatha uluthi lomuthi olukhuni- kuyo esesiyibalile. Uyalubaza loluthi ubude balo bube ngangengalo igcina endololwaneni. Enzansi nalo aluphehle izimbobo ezimbili- azimise ziphambane. Afake izinti zohlanga

ezimbotsheni. Iphehlo lisasetshenziswa. Bayawathengisa bathole izuka. Asenziwa nanamuhla. Kuphehlwa ngalo iphalishi eliqinile ngaphambi kokuba libondwe ngephini.

## UQALU

Kunqunywa uluthi olude olulukhuni noma kumuphi umuthi.
Uma lugobile luyelulwa ngokubekelwa amatshe, luqondiswe luthi thwi. Uqalu lungolokushayela izinkabi ngesiswebu esiboshelwa kulo. Lusasetshenziswa kakhulu.
Beziganulwa emuthini okuthiwa luqalu. Lomuthi unamalunga uqinile. Ukhula ube mude.
Uyatshalwa - Bazithengisa ngosheleni.

13 779 85

# UTHI LOMKHONTO.

Induku yomkhonto/13/118

Umkhonto isona sikhali sokudabuka kubantu, indoda ibiwuphatha iwuhlomi-le newisa nesihlangu sayo uma ihamba ingqamula izwe ungasali ngoba izwe laligcwele izilwane zasendle izilo nezi-nyamazane ezinolaka njengonkonka nezimfene ikakhulu uma zihohwe inja zinolaka kakhulu ngakho umkhonto wawunosizo olukhulu. Wawuphathwa futhi ukuze umuntu akwazi ukuzi-vikela nanxa ehlaselwa izitha engaze-lele.

Imithi yokubazwa induku noma uthi lomkhonto ile, iphahla, insiphana

4 abanye abathi indlolo, umagoklana lona linqayi elibomvu okungelona elimnyama lokubaza izinduku na-mawisa./ Lemithi kuseyiyo egawulwa

5 emahlathini, kwakuvama ukuba kukhethwe imithi eqinile yodwa.

Use Value

[illegible]

Nxa kubazwa induku yomkhonto ngephahla ~~umuntu~~ umuthi wenhlanhla,
Talikhlaywa phakathi, kubulawe umongo
56 kwenzelwa ukuthi lungadabuki ngoba
alusenawo umongo walo. Lalubazwa
luthiwe du uthi lomkhonto bese kuphiselwa umkhonto, uzophiselwa ngomsuka wawo lo ucijisiwe phambili.
Sekufunwa ingcino umuthi ombiwayo,
54 lomuthi muhle kakhulu ekuchatheni
izingane nje, unesigaxa phansi, ama-
55 khasi awo anjengawegudu.
+ Ingcino yayigaywa imanzi ibe inamfu-
56 namfu, kushiswe umsuka womkhonto ucishe ukuba bomvu, ubusuwuphisela othini lomkhonto, uthi luzohlihliza kubobosekе imbobo, uthi selubaziwe lwaluhle.
Usuthatha ingcino uyinameka usuphisela umkhonto. Ingcino izonamathela iwuqinise ngqi ungakwazi ukunyomuka noma ugwaza isilwane, ukuba kungaze ku-

nqamuke uthi lwawo. Usuzokumba
54 intane, izimpande zomhlaba usuzo-
misa zoma, zingoma usuzicwilisa
55 emanzini zithamba, usuziklaya kahle
56 uzithi nte nte zibe zinhle. Usuwucana
57 ngentane leyo oyilungisile yalingana khona
ukucana. Abanye bahlinza umsila
wenkomo bese bawufaka becana ngawo
uze womele khona, umsila lowo kuthiwa
inkulathi, nxa isemanzi inkulathi iya-
boshwa ngentanjana, ingoma-ke ubusuyi-
qaqa intanjana ihlale-ke inkulathi.
Nxa uhamba nemikhonto yakho
wanethwa imvula nemikhonto yanethwa
isuke ithambe inkulathi uxege umk-
honto ngoba isikhumba senkomo, ayifani
nentane ngoba yona umuthi iyaqina nqqi.
Abanye bawucana ngokunye, kuya ngo-
kuthanda kwezinyanga ezicanayo,
abanye bawucana ngelala, kanti na-
mhla sebewucana nangobusengi.
15&16 Imikhonto ikhetha izinyanga zokucana,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

icanwa abacani bayo, nokukhanda yona imikhonto kunabakhandi bakho akukhandi bonke. Amadoda belu.

13 # ISAGILA

Izagila izinduku ezinamakhanjana nje-
ngamawisa, zona ziphathwa abafana
14 belusile bashaya ngazo izinyoni nezi-
nyamazane. Abadala beyozingela izinya-
mazane baphatha zona izagila zoku-
phonsa uma bejikijela inyamazane.

Bafika emthini onezagila eziqinile babe-
17 ke lapho uxhakele khona, bakuqhuzule
ngembazo sebezoxhoza induku babu
yise nekhanda kahle kuphume isagila.

54 Abanye bayaziphatha ezephahla,
nezomzane, nezenqayi nezomnquma.

Ezomnquma bazibaza kahle ngoba
wenza izagila ezihle wenze namagalana
13 Igalana alisagila kahle lifana newisa,
amawisa amancane aphathwa abanu-
mzane sengathi bahlobile abizwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngokuthi unhlongweni, izichopho zomnu-
mzane.

# IPHINI

13
Amaphini abazwa ngayo yonke imithi
54 ~~[illegible]~~ awakhethele muthi.
Kunqunywa isinqamu siklaywe phaka-
thi sixhozwe amabazelo amakhulu,
56 kuye ngokunciphisa amabazelo abe ma-
+ 57 ncane uma selibazisiswa induku yalo.
Kushiywa ngenhla into ebanzi ngokwa-
nele ukubonda ukudla embizeni
kuvuthwe, ici[illegible], ukubangangesandla,
nesibambo salo sibaside ngokwanele.
Lizobazwa liphele lithi du liphalwe
kahle ngommese, noma ~~likhwa~~ lihwayiwe
kahle ngetshe. Kwakusetshenziswa
kakhulu amaphini ~~[illegible]~~ahlaba, kwaku-
thi kungaphela uvovo odliwa izinyoni-
izingcwingcwi ezinemilomo emide, kanye
nezinyoni ezimunca amanzi awo ziyokwa-
khela ngawo uluju lwazo, nezingane

Birds use it as food

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118



90/1

# IPHINI

90/2 Iphini kalibekwa phansi legiwe ngabantu. Lowomfazi waziwa ngokuthi uyinuku. Liyahlonywa ezintungweni.

~~[illegible]~~

90/3 55 Kungaphela-ke uvovo ~~bome~~ kuthi qha uthi lwawo, bese beluboncula, belu-ncontula lolothana olumisise kwephini sebezoluncwelancwela phambili balu-lolonge yonke indawo, sekubaliphini njalo, omame sebezobonda ngalo konke ukudla kwabo okuphekwayo, babonde ngalo ~~[illegible]~~, ~~[illegible]~~ likhothwe zingane lihlonywe ezintu-ngweni endlini.

90/4 13

# UCWALU

Kuthathwa uthi lomuthi oqinile kwenziwe

54+55 ngalo ucwalu lokucwala izinwele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ucwalu olokucwala ngokucindezela
izinwele ngaphansi koqondo lwezicoco
18 zamakhehla la seziphuma, ukuze
zime kahle zibe zinhle.

Lololuthi lwenziwa amazengana aba-
56 ziwe ngobunono. Amakhehla emabili
acwalana ngalo ehlezi laphaya esi-
bayeni ethamele isigcaki, elinye ikhehla
licwale elinye, lingaliqeda ukulicwala
nelinye lilicwale, lokhu kwakungu-
msebenzi wezinsuku owawenziwa
amakhehla ehlezi ndawonye, una
libalele ngokushisa okukhulu ahlale
phansi kwesihlahla acwalane eze-
kelana izindaba ezindala, eshiyelana
nogwayi, ewubema ngezintshengula
zawo.

## ISIHLIBI

13
Isihlibi sivela busha njengoba sekuboshe-
lwa izinkabi sekufuneka kuthwale uku-
dla kuvela emasimini, nokuthwala ama-

geja kuyolinywa nakho konke okunye
okuthwalekayo njengamasaka ommbila:
uma eyothengiswa, sasingaziwa kuqala:
nokho namuhla sinosizo kakhulu,
sihudulwa izinkabi ziboshelwe.
Ukubazwa kwesihlibi akukhethelwe
muthi kangako siyabazwa nanga le
54 umkhamba, noma ugomu, lomuthi wafika
nabelungu kulelizwe wawungekho uk-
hula uye phezulu kanti ubanzi isiqu
sawo. Umuntu ukhetha umuthi
onamagatsha amakhulu axhakele
aphuma izimbaxa ezimbili ezinkulu
56 awugaule, uwunquma alinganise
ububude besihlibi sisuka embaxeni siya
emuva asinqume, uma silele phansi
57 ingaphambili laso lila sihlangene
~~[illegible]~~ khona. Usesibola imbobo nga-
phambili eceleni ngapha ~~iye~~ iphu-
mele ngale. Kuleyombobo kongena
iketanga elizoba inkintsho yokunki-
ntshela iketanga lezinkabi seziboshe-

779 K13/118

lwe zisidonsa. Phezulu usebola futhi izimbobo noma zibene noba zibenhlanu ohlangothini lunye, usebaza izigxotshana azilinganisele ukungena kulezombobo, kanti futhi uzobaza baza ngembazo izigodo ezibubanzi bulingene, zanele izimbobo ezenziwe [illegible] zobekwa phezu kwesihlibi zinqunyiswe kakhulu, esezilinganisele phezu kwaso usezinquma juqu, nazo ezibola izimbobo ngapha nangale zigondaniswa nezimbobo eziphezu kwezigxobo eziyisihlibi uqobo. Uzophisela izigxotshana azicijile ezimbotsheni ahlanganise izigxobo eziphezulu kwezingaphansi ziqine nko, kube isihlibi. Izimbobo azibolile ezigxotsheni eziphansi [illegible] uzishiya phakathi zingaphumeli ngale, izigxotshana eziphiselwe zime zibeke phezulu. Ezinye izihlibi ziyaphicwa emaceleni ngophico ziphicelwa ezigxotsheni ezimile

lesike siyawuthwala ummbila oyizikhwebu uvunwa usiwe emakhaya ungafakwe sakeni. Emahlanzeni bayazibaza izihlibi ngomthathe, nangomsishana lemithi ilukhuni.

Ezinye izihlibi ziyabazwa ngezingodo zemithi emikhulu njengogomu, zixhozwe ngembazo emaceleni omabili, zibolwe phezulu, zibolwe phambili emaceleni nangemuva, lezingodo zibezinyawo zaso, zihlanganise ngezinsimbi ngaphambili nangemuva ezimbotsheni ezibotshoziwe, lezinsimbi kuthiwe amabande okusiqinisa, ngaphezulu senziwe njengezinye, ngaphansi ukuze singadleki babethele izinsimbi zamabande amadala esondo, lamabande eluliwe, nempela sihlale iminyaka eminingi siqinile. Yonke imishini yokulima iyakhwezwa phezu kwesihlibi, nomquba uyathuthwa ngaso kwendlelwe isikhumba senkomo esidala noma kwendlalwe uthayela phansi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 95

# ISONDO K13/118

13 Namuhla sekwafika izingqola ~~zabelu-~~ ~~ngu~~ kukhona nabantu asebekwazi ukuwabaza amasondo besebenzisa lemithi.
umnungumabele, umdakane, umbovw-
54 ane, umkokoko. Amapulangwe aqinile engqola abazwa ngomvumvu, nangomthathi. Umthathi uyase~~[illegible]~~tshenziswa kakhulu ngezibonda zokugxunyekwa ngoba azisheshi ukubola phansi, azidliwa muhlwa. Lomuthi owezulu uma liduma wawubaswa eziko ukuze lingakwazi ukugenisa umbani endlini kodwa lidumele eceleni.

# IJOKA

13

Ijokwe lokubophela izinkabi liyabazwa
18 namuhla ngabantu lilungele ukubophela, balilinganisela ejokweni lesilungu, konke nezimbobo zalo. Ayabazwa ngogomu nangomnquma, awomnquma aqinile.
54 Kwababaza amajokwe kazisaleli

izikeyi zalo, nazo ziyabazwa ngemithi elukhuni. Ziyaxhozwa ngembazo kushiy-we ikhanda eliqoshwa nganxanye sengathi
56 kusala inkintsho, kube nganxanye sibaze-
57 ke sisuka phansi saye saphuma phezulu.
Nganxanye senziwe amazenga amabili aqhelelane alinganiselwe ukungena isi-hibe sentambo.

13

## ISIQHAZA

Isiqhaza esibazwe ngomuthi, sasibazwa
5,54 ngomuthi olula onjengombangandlala, siba-
zwe kahle silotshwe ngensimbi eshisayo
58 senziwe imidwa, imidwa yokusihlobisa.
13 Izingwagwa yizo belu iziqhaza zendlebe
zibazwa umuntu oyinono okwazi
15 ukubaza njengezinyanga ezibaza
16 izintshengula zona zizibaza ngobunono.
Abanumzane abayizingcweti ekubazeni yibo ababaza iziqhaza.

779

K13/118

# Ukusetshenziswa Kwesikhumba I

~~Okwesikhumba~~.

~~Okwenziwa ngesikhumba~~.

Kusukela esikhumbeni senkomo nesemvu nesembuzi, kuye esikhumbeni senyamazane, ~~yasandla~~ njengokwehlukana kwazo izinyamazane, kuze ezikhumbeni zexamu nezezinyoka kukhona imisebenzi eminingi kakhulu eyayenziwa ngesikhumba abantu bakuqala, namhlanje ngokufika kwabelungu nemisebenzi eminingi kulelizwe, sesibona okukhulu okwenziwayo, okwakungabamangalisa abakuqala uma babenga~~bona~~ ~~ba baya ba [illegible]~~ imisebenzi yalezizinsuku zanamuhla.

## Imbaluko.

Imbaluko isikhwama sokufaka ishungu noma idlelo logwaiyi womuntu obemayo owamakhala. Yenziwa ngesikhumba sezinyane lembuzi eliselincane, noma ngesikhumba senyamazane encane engangobubibi nangomaboshwa ngotshani uchakide. ~~[illegible]~~

779 K13/118 98

~~[illegible]~~ Ukuhlinzwa kwalesisikhumba kusikwa entanyeni kuzingelezwe intamo, ikhanda lingahlinzwa liyekelwe lisale nje ngenhla. Kuhlinzwa ngommese uhlohlwe wehle, singaze sethiwa nempela isikhumba. Singahlinzwa intamo sesidonswa siklutshulwa sehliswe kuze kufike emkhonweni emanqineni kusikwe esihlakaleni isidladla nezinzipho zibuyele ngasesikhunjeni ~~[illegible]~~ siklutshulwa futhi sidonswa size siphume nomsila waso. Lapho sesizoshukwa njalo khona sisemanzi, sipetulwe, uboya baso buphendulekele ngaphakathi, kanti-ke ~~phaka~~ ijwabu laso selingaphandle.

Sesoshukwa size some ngakho ukushukwa. Nxa sesome nkeqe, sesithambe sathi vuthu, sesikhathwa ngamafutha noma kungaba awengulube. kungaphela ukusikhatha sesizophendulwa uboya baso bubuyele ngaphandle, ijwabu libe ngaphakathi ngoba sesiphelile, sekuyi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

mbaluko yokufaka idlelo logwayi idlelo kushiwo ishungu elagegwa.

## Ishungu lenziwa ngesithelo.

Ishungu isithelo somuthi okuthiwa umthongwane, lesisithelo siba isigujana esincane, ezinye kodwa zibankulu. Lomuthi umila emahlanzeni amakhulu, uqhakaza izimbali ezinhle ezimhlophe ekuthwaseni kwehlobo, amakhasi omthongwane aluhlaza, unameva kuwo wonke amagatsha awo, ngesikhathi ukhahlela unephunga elinuka kabi. Ebusika ngesikhathi sokuvuna ukudla emasimini, amashungu awo asuke esevuthiwe, yisona sikhathi akhiwa ngaso. Abantu abawakhayo bahamba bewathwele bethengisa ngawo yonke indawo, ayathandeka ngokugcina ugwayi ulunama ubumnandi bawo bungaze baphela, awubeme umuntu adele kunempuqumpuqu yogwayi, osongwe ekhasini oshesha uhwamuke ngenxa yokubethwa ngumoya.

779

K13/118

Akhiwa emthini, ~~xk~~ komiswe, njengoba
namaselwa okwenziwa ngawo izigubu
zamanzi, namagula amasi, namabanga
otshwala aqala ngokoma kande
abotshozwe agequwe, kunjalo nasema-
shungwini ogwayi. Lingoma nkeqe, liyabo-
tshozwa la ~~k~~ kwakumile khona imbali ku-
nqontulwe isivinjana okusuke lilenga
ngaso egatsheni lomuthi. ~~Sim~~ Lingagequa
kuphume ubuthumbu obungaphakathi,
imbobo belu isiphehliwe yababanzi
sebuziphumela kalula bonke ubuthumbu

Kaligeqelwa ishungu lomthongwane
ekhaya noma egumeni lendlu lingaze
ligeqelwe kanye emlotheni emuva kwezi-
ndlu noma ungaphambi kwazo laphaya
ezaleni, okanye lize liyogeqelwa emfuleni
ukuze izinhlamvu ezigequwayo zimuke
namanzi ommfula, uma ligeqelwa
ekhaya noma-phi eduze izinhlamvu
zalo zingase zimile. Pho, ukumila kwazo
kuyesabeka ngokuthi kugulisa abantu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngokubavala amehlo [illegible] bangabe besa-
bona baphenduke izimpumputhe. [illegible]
[illegible] Uma ligeqelwe emlotheni azimi-
li kodwa ziyabola. Liphela nya ukuge-
qwa kugaywe ugwaiyi ligcwaliswe ngawo
ugqingqwe phakathi ngothi libekwe nawo.
Liyahlala nawo ugwaiyi isinsuku eziningi
uphakathi, ubusukhishwa uchithwa
ungabenywa, nawo uyageqisiswa uphume
wonke. Emva kwalokho lethiwa amafu-
tha noma awengulube lihlale nawo
kungaze kuphele namasonto amabili.
Asezochathazwa onke amafutha
kade selibekwe eziko lafudumala
ancibilika phakathi, ngoba asuke
eseshaqile oma. Umuntu usezozigaye
la kahle ugwayi wakhe omnandi
awunongele ngomlotha wenhlaba ayi-
shise eziko, awethe kulo alivale ngesivi-
mbo salo aligqingqe, alifake embalukwe-
ni yakhe, usezoloku ebema kulo
ngokuwuchathaza. Uma esehlangana

nomuntu ehamba ngendlela, bazobingelelana, omunye abone imbaluko ilenga engalweni noma okhalweni la igaxwe khona, abesazi ukuthi uhlangana nomuntu obemayo ngoba nansi imbaluko ifake idlelo.

Esethe, "Sawubona!" usezothi, "Awungishiyele ugwayi!" noma athi, "Ekhaleni baba ingabe uyabema nje?"

Omunye uzoke awulandule ukhona athi, "Awu! awukho anginagwayi, ubona imbaluko le, ayiphethe lutho, ngiziphathele uthudlana, akukho gwayi." Usho njalo usekhipha idlelo embalukweni emchathazela emshiyela, sebebema khona lapho, bebuzana ukuphila kwemihla, nomunye usebonga ubumnandi bogwayi esho ukuthi umsizile ubeseqalekile, selokhu kusile ekazange awufake ekhaleni. Sebevalelisana behlukana, ilowo ehamba indlela yakhe ebange phambili

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 Hart Lapermont



K13/118

Amazwi enkosi uShaka.

Mayelana nomkhuba wabantu, cishe bonke, wokuba kuthi uma becelwa ugwayi baqale ngokulandulelana kant banawo bazoshiyelana khona lapho, wake wenza isimangaliso esethusa ilizwe ~~[illegible]~~ kwethuka bonke abantu ababemayo nabancishana nogwayi belandula ukhona. Inkosi uShaka wathuma indoda ~~[illegible] [illegible]~~ wathi kuyo, "Hamba ilizwe lonke ~~[illegible]~~ lami, ubusahlangane nomuntu omaziyo nongamazi ucele ugwayi uma eqale ngokukulandulela wagcina ngokukushiyela uwamkele ubeme udlule, kodwa uma ucele ugwayi umuntu akaze akulandulela, wakushiyela, uthi kuye inkosi iyakufuna uze naye lapha."

Bala yahamba indoda yenza njengokusho kwenkosi uShaka, yacela walandula, wabuye wamchathazela, wabonga, wadlula. Wenze njalo nakomunye, nakuye kwayikho lokho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Wadlulela phambili, kwabanjalo nakwabanye, baze babaningi belandula ugwayi ukhona bezomshiyela abeme. Kwaze kwathi ngelikade wahlangana nomaqondana acela kuye ugwayi kaza, mlandulela, wakhuphula imbaluko yakhe waveza ishungu logwayi wamchathazela wabema ebonga. Wathi kuye, "asihambe siye komkhulu enkosini, esigodlweni."

Kusobala leyondoda yahamba yaya komkhulu isivoshokile luvalo lokuthi ngahle ibulawe, ingalazi icala elenzileyo. Yafika komkhulu yakhuleka.

Inkosi yamxhoshisa isithole senkomo ngokungalanduli kwayo ugwayi icelwa umuntu ewuqalekele.

Nanamuhla kuvamile kakhulu ukulandula ugwayi umuntu enawo, ezobuye amonyule idlelo achathaze kubenye.

Lesosenzo senkosi salethusa lonke ilizwe kwake kwaphela ukulandulelana ugwayi kwayilowo wacabanga ukuthi kumbe

K13/118

lomuntu ongicela ugwaiji ngabe uthunywe komkhulu, ngizomlandulela kanti sengizi-lahlekisela inhlanhla, laba liqiniso izwi lezazi zokukhuluma lokuthi, "Ukubona kanye ukubona kabili."

779

K13/118

# Umuba

Umuba singathi yilonasaka labantu lakuqala okwakuthwalwa ngalo ukudla amasaka lana anamuhla engakaziwa. ~~enga- [illegible]~~.

Umuba wawuthungwa ngesikhumba senkomo noba ngezikhumba zezimbuzi zithungwe zihlanganiswe ukuze kube umuba omkhulu.

Kuthathwa isikhumba ~~sicwilwe~~ sicwiliswe emanzini izinsuku noma zingabasithupha, ukuze sithambe kuphucuke uboya baso kalula Siphalwa ~~[illegible]~~ ngesampotho bususwe bonke uboya.

Uma sesizoshukwa sichashwa ngamasi egula yonke indawo, siboshwe izinsukwana ezilingene ukusivundisa. Ngokukhishwa kwaso sesishukwa ngezandla, sithi ukwenekwa sishaywe umoya ukuze sihwamuke sisheshe some, sibuye sibekwe phansi sishaywe ngenduku kakhulu sibuye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

sithathelwe sishukwe size some sithi qha. Sesithambile sesifana nengubo ~~[illegible]~~ embathwayo.

Sesizothungwa-ke, siqala sincwelwe emacele ni onke, sesishukiwe saphela, izona nqotho lezi ezizothunga umuba uhlanganiswe kushiywe imbobo ibenye njengesaka elide. Kungathelwa ukudla usuboshwa nsi ngoqhotho, ugcwaliswa kahle ngokulingene ukuze ubekwe phezu kwenkabi uhlale wendlaleke emhlane wayo.

Umuba uthungwa ubemude ukuze ugaxeke kahle emhlane wenkomo, inkabi ~~[illegible]~~ seyaze yejwayela yakufunda ukuthwaliswa. Uma umuntu eyofuna ukudla kude, uhamba eqhuba inkabi, ehlome izinduku zakhe, alale evuka nayo ingabe uyothenga ukudla kude.

Anele akuthole ukudla ayibelethise aphenduke, uyohamba elala aze afinyelele nayo ekhaya umuba unga-nkhathazi ngalutho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779

# Umchilo

Umchilo ~~[illegible]~~ kushiwo ~~[illegible] [illegible]~~ izintambo zokubophela izinkabi nxa kulinywa, nezinkomazi uma kusengwa. Kuthi-ke uma umnumzane ehlabe inkabi yakhe esiqinile, ebona ukuba inkabi ~~[illegible]~~ inkulu uyayithanda athi: "Ngizoshuka izintambo ngesikhumba senkabi yami." Usho, ~~[illegible] [illegible]~~ isihlatshwa qede useseneka isikhumba sayo some.

Sekothi-ke ebusika kungakalinywa asicwilise emanzini ukuba sithambe. Emva kwezinsukwana singathamba usesithwala esiletha ekhaya, uselola ummese wakhe emlalazini, usesendlala phansi usesiklaya ngommese ekhipha intambo ibe nohlonzi oluminwe mibili. Usegijima naso njalo ngommese elokhu ethe ~~[illegible]~~ ntwe, ntwe ezungeza naso aze asiqede sonke.

Isikhumba ~~[illegible]~~ sisikwa kanjalo asenzi-

779

K13/118

wa ukuthi dwi, angaqeda ukusiklaya
sonke usezidonsa ezilinganisa ezinqu-
ma njalo. Uzofuna itshe elikhulu elide
ngokwanele, useyogawula isigodo
somuthi eBuya naso. Uzoncwela
ezinkwapheni zesikhumba lezo akade
ezisusa emaceleni, usethatha lamafo-
si eBopha isigodo phezu kwetshe
asiBophe ngapha nangapha.
Lesisigodo sigoBile phakathi, singathi
asiqondile siyisigwegwe, siBoshwa nje
sishiya imboBo enkulu phakathi.
Usezosika enye yalezizintambo
phambili, azithwale zonke aye nazo
phansi komuthi omkhulu onama-
gatsha agoBileyo noma umunga noma
umkhamba, ingabo umuthi onama-
gatsha amakhulu, ngoba uzozishuke
la kuwo. Itshe lelo uzolisa
khona lapho. Usezothatha intambo
eyifaka emBotsheni yetshe nesigodo,
usezoyihosha qede ayijike kulomuntu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

osekhwele phezulu emthini elindele ukuyidonsa. Usezoyidonsa lowo ayehliseleka kuye phansi, ophansi useyenqaka eyifaka futhi embotsheni yetshe bazokwenza njalo zize zilingane ukuliphakamisa itshe limiselwe njalo isigodo elihlezi kuso, zishuthekwa zidonswa zilinganiswa.

Izintambo zenziwa nje azikanqunywa, uyinquma kanye nje phambili ukuze akwazi ukuyifaka lapha embotsheni yesigodo esiboshelwe etsheni. Seziphelile ukufakwa etsheni nangale kwesigxobo segatsha phezulu emthini abesezibopha azithi mfi, afune ugodo olude phezulu emthini olubukhulu balo bungangombala wendoda; mhlaumbe athathe umgoqo, umvalo wezinkomo uma uqondile umude ngokwanele.

Ugodo uzolufaka embotsheni yesigodo netshe lapha phansi maqondana

779 ///

K13/118

naye. Ahambe nalo aphenduke ehamba ezungeza isigodo esibambe ngezandla zombili maqondana nesifuba, izintambo zisontane, zisontane ziqale ngokuvuza amanzi, zize zibe sigaxana emthini, njengoba zisontana zizovuza onke amanzi akuzo. Seziqine zasigaxana useluhosha ugodo lolo, sezisombululeka zehla, itshe lijanqule liphenduka nazo masinya.

Nxa kungama omunye umuntu eduze nengazelele zaphunyuka ogodweni, lingamshaya lowomuntu itshe lelo afe khona lapho, kuyingozi kabi ukushuka, kushukwa kuqashelwe ingozi enjalo. Usezolufaka futhi ugodo azungeze nazo zisontane kanjalo abuye aluhoshe. Zothi sezifomile onke amanzi, sezome zathi qha, abesezifaka unwali, azigcobe ngalo. Unwali amafutha lana omhlwehlwe wenkomo obunjiwe wenziwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isigaxa.

Kuyekuthi kungahlatshwa inkomo ~~nxa~~ umuntu eyibona ukuthi inonile awusike awubeke, kuthi noma emva kwezinsuku ezimbili [illegible] [illegible] awuthathe awugxobe awubumbe ubesigaxa awubeke ngokuwukhweza endaweni engathintwathintwa zingane. Ongenalo unwali uyazigcoba ngamafutha enkomo esinqumela. Lana amafutha enkomo okuthi nxa kusukee kuhlatshiwe kwaphekwa inyama yangaphakathi, asukee amafutha alenyama aqine abesinqumela, nawo-ke mahle kakhulu ekugcobeni izintambo ezishukwayo. Usezishuka zize zibemhlophe zithambe, zinelukuthamba esezishuke mhlaumbe isonto lonke ebekade ehlezezigcoba ngamafutha onwali ukuze zingenwe amafutha zinganqamuki, azehlise esebona ukuthi

sezivuthiwe zathamba, azikhumule etsheni nasemthini, namanye amadoda asesho ukuthi: "Ziuvuthiwe bani izintambo zakho, uzishukisisile."

Eseqede ukuzikhumula, uzozithatha azilinganise, kulapho la esezilinganisela ukuzenza izintambo ezinobude lobo obuthandwa nguye. Eseqede nokuzinquma lokhu uzinquma nje zinde ~~zilapha~~ zilaphaya kuye njalo nje ngezinqamukile zisashukwa emthini.

Itshe uzolishiya khona ngaphansi komuthi, nomakhelwane wakhe ethanda ukushuka ezakhe usezokhuluma naye acele ukushuka kuwo lowomuthi asebenzise lona lelotshe, usezovuma njalo angambizi lutho ngalokho ngenxa yokwakhelana kwabo nokuzwana okuphakathi kwabo.

~~[illegible]~~

Usezozibobosa ~~[illegible]~~ azenze

amakhwence, amakhwence lawa uzenza izihibe, kuthi njalo ingabe unesengo ayifake isongo leyo, kuthi engenalo isongo ibenayo ilungile angaze ayifaka. Uqeda ukuzibobosa azisonge azibeke.
Kuphume nezintanjana azokwenza ngazo izifaso zokusenga, neziswebu, nezinqotho zokubophela amaketanga emajokweni, uzokwenza nezitilobo zokubophela inkabi ejokweni. Lapha bezishukelwa khona sekwaba ngumbudu wendlela yezinyawo ezungezile.

## Isiswebu

Isiswebu kushiwo isiswebu sokushayela izinkabi ziboshelwe, esinye esincane siyaphathwa amakhehla ezihambela phakathi kwazwe, asiphathela ukwethusa izinja zemizi ezilumayo eziza kumuntu zimkhonkotha ngolaka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ziqonde ukumluma impela, ikhehla lihle lisisombulule lisidabulele kuyo yozwa ukuluma kwefosi lo likhale lathi swi, ikhale ibaleke, ayuphinda futhi ukusondela kulo.

Selizosisonga kahle lokhu besesisonjululwe ngokushesha lihamba liya phambili. Iziswebu ziphathwa kakhulu abafana abelusayo, bahambe beziqhathula, beziqhumisa amafosi, bajabule badele bezwa imbuyiselo yokuqhuma laphaya phansi nentaba noba laphaya esigodini esiphesheya kodonga. Ziyathandwa kakhulu ngabafana kunjengomshayeli wezinkabi, uyasaziba kakhulu isiswebu sakhe uma sivumelana naye sinamafosi amahle phambili.

Ukwenziwa kwesiswebu kuthathwa intambo ivulwe phakathi ingabe igoqongene, isikwe iklaywe ngommese-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ithiwe dwi phakathi ize iyophuma
enzansi ilingane ndawo zombili.
Ngengoba intambo isiklaywe phakathi
kwaphuma izintanjana ezimbili kunga-
phuma kuzo iziswebu ezimbili futhi.
Uzozincwela kahle lezintambo zombili
athathe enye yazo ayikhandakhande
kahle ukuze iwuleke yenabe, ~~[illegible]~~
yendlaleke, ayikhwife ngesineke ngamanzi
athathe uqhotho ayibulunge ngalo,
uma kukhona amaqhuzwana awa-
ncwele onke ibulungeke, nenye ayenze
njalo. Ngasebukhulwini bazo azenze
isihibe ephendula enye eyifaka kwenye
kube isihibe asidonse nsi. Lapho usezo-
siphotha sonke esigaxele ozwaneni
lwakhe, asiphothe ~~[illegible]~~ esidonsile saqina
size siphele esenze njalo. Phansi naso
uboBose imbotshana afake kuyo enye
intambo ayidonse siphele sonke, usezo-
sixhuma ngamaduwibili aye nawo ngoku-
nciphiswa kuze kuyogcinwa ngefosi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

elincane phambili.

Esinye, iklaywa qede intambo ayincwelancwele kahle asithunge ngefosi aselincwelile walilungisa. Uzosithunga sonke ngalo ehlaba imbobo ngapha nangapha ngeva ngisho usungulo ashutheke ifosi alidonse sithungeke kanjalo size siyophela. Sophela asikhandakhande kahle ngobunono ehlanganisa umthungo waso siphele asixhume amaduwibili nefosi. Sesizofakwa amafutha onwali sisongwe sibekwe siphanyekiwe. Sofunelwa induku yoqwalu ~~enl~~ enhle ezwana nalo esandleni uma siphethwe umniniso. Ezabashayeli zinezinqwalo ezinde, ezokuphathwa ngesandla zifunelwa izinqwalu ezimfushane kuphela.

## Amafosi

Amafosi izintanjana ezincane ezishukwe kahle zalungiselwa ukuxhunywa

eziswebini zabashayeli, amafosi enziwa ngesikhumba sembuzi noma isikhumba senyamazane nesikhumba esiqinile esingakwazi ukusheshá sidabuke lapho kushaywa ngaso izinkabi, ngaphandle kwamafosi ezikhumba zembuzi nezenkomo, amafosi alukhuni awezikhumba zikankonka nempofu, izinyamazane ezizingelwayo emahlanzeni, inyama yazo idliwe, izikhumba zazo zilondolozelwe lemisebenzi. Isikhumba sokwenza amafosi asishukwa kwakuyaphi siyaphulwa nje sisheshe siyekwe, hleze amafosi adabuke kalula.
Ulinganisa ububanzi befosi olifunayo, ubususika ngommese ukłaya uthi dwi, liphume enzansi, usulincwelisisa lonke lilingane. Seulinyenyeza ngamanzana ulikhwifa, ulibophele noma ensikeni ulibambe ngapha uthathe esinye isinqanyana soqhotho lwalesosikhumba

usithandele kulo ulibambe ngapha ulihuzule ngesinye isandla esiphethe uqhoshwana lolo lizelihlangane libumbane libe umsingizane, liphele uligcobe ngamafutha onwali uligoqe inkatha ulikhweze usuzolifaka esisweбini sakho uma usubophela izinkabi.

## Izitilobo

Izitilobo ezokubophela izinkabi emajokweni zenziwa ngesikhumba senkomo, nesempofu, nesenqumba ziyafana lezizikhumba ubulukhuni bazo, zedlulwa izitilobo ezakhiwa ngesikhumba sesambane sona senza ezilukhini ngempela. Isikhumba senqumba senza neziswebu nemichilo futhi.

Ukwenziwa kwezitilobo kusikwa isikhumba senziwe amasweswe ngamabili-ngamabili, kuye ngenani lezitilobo ozifunayo. Ugxumeka isigxobo ngapha wenze ikhwence isihibe esitilobeni uma zinga-

hlangene, ubusuzifaka esibondeni osigxumekile uzibije. Uzisonte uzisonte ziqine bese ubethela isigxobo ngapha uzifaka kuso zime zibesicheme ~~uy~~ uziyeke zinjalo zilale khona lapho. Ngomuso sezilungile usuzikhipha uzigcoba amafutha omvali.

Lemisebenzi yokwenza izitilobo nezisebu iqale ngokuboshelwa kwezinkabi yayingenziwa kuqala, kodwa ngoba nayo iyasetshenzwa kakhulu ngabantu lonke ilizwe namuhla kufanele ilondolozwe kanye neminye imisebenzi echazwa kulencwadi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# Ukwenziwa kwesihlangu nehawu.

Izihlangu zaziwa ngokuthi ngezamabutho empi amabutho ayehlukaniswa ngemibala yezihlangu zawo, ilelobutho lalihloma ngesihlangu salelobutho, ubude bazo zingangomuntu emile. Ezokuvika empini yemikhonto namawisa. Kukhona amahawu abizwa ngokuthi imichusho yona-ke mide ifika ocabangweni, kodwa mincane ayibanzi eyokulwa empini yezinduku nje. Isasetshenziswa kwezinye izifunda nanamuhla. Kukhona amahawu lana ajwayelekile alingene nje, ubukhulu bawo ubude nobubanzi, alingene-ke wona, ayasetshenziswa nxa kuyokhethwa emsindweni, odwendweni. ~~kuyokwendiswa esigodini~~. Ayasetshenziswa kakhulu ekulweni impi yezinduku ngoba kuvikwa ngawo.

Izihlangu zamabutho empi imibala yazo yayahlukene kanje:

Elinye ibutho laliphatha ambala omnyama laziwe ngokuthi indluba evaliwe; elinye ibutho laliphatha ambala obomvu laziwe ngokuthi antusi; elinye ibutho laliphatha ambala onkone laziwe ngokuthi anco; elinye ibutho laliphatha awaba, laziwe ngokuthi amaqola; elinye ibutho laliphatha amphunga, laziwe ngokuthi ingwevukazi; elinye ibutho laliphatha amthuku, laziwe ngokuthi amacubu. [illegible]

Isihlangu senkosi kuvama ukuba esesikhumba senkabi emhlophe ethe qwa. Inkosi uShaka wayenezinkabi [illegible] ezimhlophe ebezibizwa ngokuthi [illegible] uPhongolo. Lesisihlangu senkosi sigatshelwa ngamagabelo amnyama buqe.

Ukwenziwa kwehawu noba isihlangu kukhethwa isikhumba senkomo enhle ingabe umbala wayo ubomvu noma umnyama noba unjani kuye ngobuhle

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

besikhumba. Siyacwiliswa emanzini uma sesizosikwa, singathamba sikhishwe sisiwe ekhaya. Sendlalelwa umqhuba kahle phansi sichaywe phezu kwawo ijwabu laso libeke phezulu uboya bubeke phansi ukuze bungaphucuki nempela, sesikhandwa ngembokodwe yonke indawo ukuze sikale senabe sithi ne yonke indawo. Nxa sesoma kancane sesizosikwa kahle sithiwe swe, swe, swe, ngapha nangapha. Sizoncwelwa ~~[illegible]~~ kancane lapha emaceleni sincishiswe phezulu nangaphansi, futhi sizothi ukubuyiswa Sekuthathwa induku ~~[illegible]~~ engaphezu komunwe, yona-ke isibekwa phakathi naso iqondiswe ithi nto, sekukhwejwa eduze nenduku kuthiwa klwi kuze kuphume ezansi kusuka phezulu, kungaze kwasikwa kodwa kubonakale ~~[illegible]~~ kahle umudwa odwetshiwe. Induku le

isona silinganiso okulinganiswe ngayo umudwa oqondile. Isisuswa lenduku sekubotshoswa eceleni kwemidwa kwenziwa amagabelo phakathi naso angazaphumela enhla naso nangenzansi naso ngoba nxa zilishaya ezinye izinsizwa kuliwa uliphethe uvika ngalo lingadabuka. Amagabelo azokwenziwa ndawozombili. Nxa-ke izimbobo sezibotshoziwe, sekusikwa amagabelo amanqina enkomo ahlinzwa embaleni yenkomo ngoba nawo acwilisiwe emanzini athambile.

Asezosikwa amaswesiwe alingana nalezimbobo, asefakwa-ke.

Sekucijwa uthi oluwubemba okuzo cindezelwa ngalo sekufakwa amagabelo. Amagabelo azofakwa ndawozombili. Sekwenziwa inkotha, kuphendulwe igabelo lifakwe nga la lisikwe ngakhona.

Sekwenziwa inkokha yokuliphatha kufakwa iminwe.

Ngokuphela ~~kokwenziwa~~ kwenkokha sekuhlonywa umsila la kwakufakwe khona induku. Izinkokha lezo izona zizobamba induku yamagabelo. Amashoba afakwa endukwini yetawu imisila ephathwa kuvunulwe kukhethwa ile: ~~insimba~~ umsila wensimba nowensimango ophathwa amadoda, nowesilo ophathwa inkosi namadoda amakhulu, kuphela. Amashoba aphathwa izinsizwa namanye amadoda emahawini awomvuzi, nomhlangala, neqaqa, nenyengelezi.

Ihawu leli liphela lithi nya ligcotshwe amafutha onwali ejwabini, bese licindezelwa ngemigqiki noba ngetshe ukuze lelulekе lingagobi, ligoqongane ligongobale. Liphuma lapho liyaphathwa ukuze lizwane nomninilo. Izihlangu namahawu zisikwa zinyanga zawo ezaziwayo obani nobani.

779 126

K13/118

# Imbeleko

Imbeleko eyokubeletha umntwana omncane emhlane kanina sonke isikhathi aze ahambe dunyulwe nasebeleni likanina. Izingane zamantombazane esezikhulakhulile zisala ekhaya, onina beye emasimini noba beyotheza noba beyosika utshani bokufulela izindlu, noba beye odwendweni zibelethe abantwana ngayo imbeleko.

~~[illegible]~~ Imbeleko into enkulu kakhulu ngoba umntwana noma ekhala ubekwa emhlane unina ahambe naye emlolozela aze athatheke athule azumekeele emhlane, nemisebenzi yonke owesifazane uyayisebenza aze ayiqede ingane isemhlane. Singathi ifana nenqodlana yezingane zabelungu ezikhulisiwa ngayo ~~[illegible]~~ ziyijwayele. ~~[illegible]~~, nanxa sezikhuluma zithe-

fuya zingahle zikhale zingamnikithuba,
unina zithi: "Ngitete mayo! Ngitete
mayo!" Bala woyibeletha ngembeleko
unina ingane yakhe ithule du
ukukhala uyizwe isihleka noma
isihlabelela lapho unina elidudu-
zela emhlane ethi: "Thula thana
uyeza uyihlo uzokupha okumnandi"

Ukwenziwa kwembeleko
yenziwa ngesikhumba sembuzi
eyahlatshwa, ihlatshelwa yena
umntwana ngesikhathi ezalwayo.
Oku ukuthi isipho somntwana amkee-
lwa ekhaya ukuba naye adle konke
okwasekhaya lapha isibusiso esibusisa
yena esebongwa ngoba lokhu umntwa-
na uyakukhalela uma kungenziwanga.
Wokhala umntwana ukuba lokho kukhala
kungaze kumngenisele ukugula. [illegible]
[illegible]
[illegible]
[illegible] Nempela yonele ihlatshwe

athule okokuphela umntwana.

Isikhumba siyacwiliswa emanzini, siphalwe sishukwe, sesithambile sidatshulwe emaceleni kususwe imilenze nemikhono yaso besekudatshulwa amafosi; lamafosi akhungelwe ngenzansi amabili, amabili akhungelwe ngenhla anqanyulwe phakathi lamafosi, elinye lathungelwa ngapha elinye lathungelwa ngale la bekulifosi elilodwa. Akhungelwa nje ayathungelwa khona kubotshozwa ~~ngaa~~ ngosungulo kuthungwe ngefosana. Ngokuphela kwayo isibizwa ngokuthi imbeleko yokubeletha umntwana.

Umakoti uyenzelwa nguyise womyeni wakhe. Uyise uyasiphala isikhumba sembuzi, umntwana ahlatshelwe yona ukuzalwa kwakhe, asishukeke, asidlulisele kumame sesithambile. Umame usesisika amafosi esakha ubumbeleko uyena-ke osithungayo

asiqede asinike umakoti, nomakoti abonge abelethe umntwana wakhe ngayo lembeleko.

sesikhumba semvukuzane
Isikhwama ~~sesikhumba ngesikhumba~~.

Imvukuzane isilwane ~~[illegible]~~ esihamba phansi kwenhlabathi sivukuze inhlabathi siyikhiphele ngaphezulu siyenze iziqoqwana, amadulana sibe singa phansi emagumkini emigodi yaso siyawuthanda kakhulu ubatata siwudla siwuqothule ensimini yawo. ~~[illegible]~~ Umuntu usuke enenhlanhla eke wayibona ihamba ngaphandle. Isikhumba sayo senza isikhwama sokuphatha imithi yezinyanga. Senza nembalukwana encane yogwaiyi. Sihle kakhulu ngobuncane baso. Ababema ngaso bathi uma ubema ugwaiyi waso ubamnandi noba kade umubi ubamnandi ngoba uthólana nephunga lesikhumba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

semvukuzane. Uma kwenziwa isikhwama asihlinzwa kodwa siyahlohlwa siklutshulwe njengembaluko.
~~[illegible]~~

Imbaluko yesikhumba sevondwe.
Ivondwe ~~[illegible]~~ lenza isikhwama esiyimbaluko yeshungu logwaiyi. Nalo lihlinzwa ngayo ~~[illegible]~~ indlela yokuhlinzela ukwenza ~~[illegible]~~ izimbaluko.
~~[illegible]~~
Inyama yevondwe iyadliwa, liyinyamazanyana encane ~~[illegible]~~ engangezinyane lembila; lihlala esihlanjini sommfula ematsheni amancane edotsheni. Lapho lihamba khona lenza umzila ocishe ukuba ngangendlela yezinyawo zabantu, kodwa alithandi ukuvela ngaphezulu kotshani, eyalo indlela ingaphansi kotshani. Lidla umbila emasimini sengathi kudle ingungumbane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 131

<u>Isikhwama</u> esenziwa ngesikhumba <u>somuqha</u>.

Isikhumba somuqha senza isikhwama esithandwa kakhulu izinyanga zokwelapha, siphatha imithi yazo. Kuthiwa isikhumba salenyamazane sinenhlanhla, sinesulubezi, ngoba umuthi ophuma kuso uvama ukudlula umuthi obusungaphambili, uma isandla saleyonyanga sinenhlanhla simelapha ogulayo ngemithi ephuma kulesisikhwama uyasinda. Umuqha uyahlinzwa, isikhumba sawo sishukwe, sikhuhlwa ngecoba sithelwe amanzi, sinyenyezwe ngawo ukuze sithambe, bese sishukwa. Nxa sesithungelwa isikhwama sizothungwa uboya baso bubengaphandle.

Umuqha ufana nembila kodwa unebala elimhlophe emhlane, inyamazane ehlala emahlathini ayihlali esixhotsheni njengembila. Umuqha

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

uhlala empalwini yomuthi, phansi esiqwi-
ni somuthi omkhulu [illegible] osuwa-
bola wanembobo, kodwa amagatsha
awo abesaphila eluhlaza onke, nohla-
ngothi lwawo beluseluhlaza. Ikhona
imithi emile kanje ezindaweni, ebole
nganxanye ibisaphilile nganxanye.
Umuqha ungangembila nawo awu-
namsila, futhi awukhalisi okwembila
yesixhobo. Ukhala kakhulu ebusuku
Uyakwazi ukukhwela ukopele emthi-
ni ebusuku ubaleleka izinja.
Inyama yawo iyadliwa bathi [illegible]
imnandi kakhulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Isikhwama esenziwa ngesinye senkomo. Uma kuhlatshwe inkomo enkulu noba incane, kwesinye isikhathi isinye saleyo-nkomo ehlatshiweyo sisetshenziselwa umsebenzi wokwenza isikhwama sokuphatha imithi yezinyanga zokwe-lapha abagulayo.

Isinye senkomo sikhishwa amanzi aso sivuziswe bese siba iwokosi okuthi sibe igobongo elingasenalutho phakathi. Sizokwenekwa somiswe, emva kwalokho sesizoshukwa kancane ngezandla siyekwe sesiphelile njalo. Inyanga isizi fakela amakhubalo nezimpande noma amakhambi ngokwazi kwayo. Lesisikhwama abanye bayasenza imba-luko futhi yokufaka idlelo, logwayi. Ukuze naso sithambe siya-gcotshwa amafutha.

Okunye okwenziwa ngesinye senkomo, uma kuchachambe ukhamba

779 K13/118

olulingene ~~[illegible]~~ lubenofa lokuda-
buka kanti abaninilo bayaluthanda
luhle, isinye sizochithwa amanzi aso
sifakwe okhanjeni sidonselwe khona
okhanjeni sifakwe sithi ne, sesibosh-
wa ngentambo nko, ukhamba lolo
lubekwe, lungaze lwathintwa izinsu-
ku ~~[illegible]~~ ezithile.

Emva kwezinsukwana luhlezi, isinye
lesi sesinamathele nko okhanjeni selu-
zothathwa kuqaqwe izintambo
ebezibophe zansinya nko, sekuthe-
lwa ukudla kulo, akesakwazi
ukuvuza futhi lokhakudla okhambeni
lomuntu, solukhandiwe ~~[illegible]~~
~~[illegible]~~
khona ekhaya lapha.

Ukugezwa kwamahawu namabeshu.
Kuhamba kuhambe amahawu
esesthenzisiwa angcole abeluthuthu-
va, asensila asagcwala izintuli.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kazisawathandi izinsizwa esengcole enje, ngoba zona zingabantu abangamanono, yonke into yabo nabayiphathayo inhle nxa[illegible] ikhazimula ibukeka, [illegible] zihambe zicwashaze ngokuzazi [illegible] nangobuqhawe [illegible], nobunono obumangalisayo. Uma-ke izihlangu zezinsizwa [illegible] zingcolile azisathandeki nezinye sezothi: "Wethu ubogeza isihlangu sakho akuseyikho lokhu singcolile." Bala ihawu lizogezwa kanti beseliluthuthuva lalikade limhlophe umbala walo, [illegible] [illegible], logezwa libuye libemhlophe lithi qwa, ~~[illegible]~~, [illegible] [illegible]. Inkosikazi ipheka izinkobe zommbila zivuthiswa okwezinkobe zokuvuba amasi zibe umqotho zingabi zicaba. Sezivuthiwe zigaywe kanjalo, sekuzokwendlalwa isicephu phansi bese kubekwa ihawu liphuqwe ngomcaba ngesandla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

lizelicwazimule. Uselithatha eliphakamisa elishaya ngenduku evuthulula umcaba, uboya balo ebubekise phansi, seligezekile-ke. Ibeshu uma selingcolile nalo ligezwa kanjalo.

Ukugezwa kweshoba.

Amashoba okuhloba nokuvunula agezwa ngecile emfuleni phezu kwamadwala agezwa abafana abancane.
Icile insipho yakuqala eyayimbiwa. ~~[illegible]~~ ~~[illegible]~~ ~~[illegible]~~. Imila endaweni eyifenya, ~~[illegible]~~ Umuthi oyisihlahlana, amakhasi alomuthi madana abanzi, angamakhekhebana alekenyene sengathi angamahlanu athe pheqe ukuvuleka phezulu. Unesigaxa phansi lomuthi, isona esimbiwayo. Simbiwa sisikwe phakathi, kucwiliswe ishoba emanzini, kuhlikihlwe ngecile, lapho kuphuhluzeke amagwebu alensipho embiweyo agezeke amashoba abemahle kakhu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

Abanye bathi Isibodiya abanye bathi isidenga

Isidiya lesi abanye basibiza ngokuthi umbodiya, si isicwayo sikamakoti. Ukucwaya ukwembatha kowesifazane obincayo uma ebophele isidiya sakhe noma libayi noba yini, wayibophela ngenhla kwamabele, usuke ecwayile nxa enze njalo.

Isidiya senziwa ngesikhumba sempunzi, impunzi inyamazane-ke. Sihlinzwa kahle ngokunakekela kuthi izinselo zemilenze nezemikhono zihlinzwe zibuyele esikhunjeni.

Sonikwa inono lisichuke ngoba uma sesiphalwa asibonculwa bonke uboya siphalwa senziwe amagwinci sihlotshiswa ngabo uboya. Sonikwa owesifazane ozokwazi ukusingqonga asingqonge ngosinga, ozokwazi ukuphetha kahle ngosinga ngenhla la umakoti ezasibophela ngakhona.

Sesihlotshiswa kahle ngamaqhu-
lwa anamakhongcwana ama-
ncane, izimbotshana. Sasihlotshi-
swa ngoboya kuqala. Sesiphelile
ukwenziwa uzosembatha uma-
koti asibophele ngenhla kwama-
bele; uma esekhulelwe usibophe-
la ngenzansi kwamabele akhe
esiswini sibe ngaphambili.
Naso siphela sithi du sigcots-
hwe amafutha onwali ukuze
sithambe ngoba singamhlaba
singagcotshiwe.
Isithadiya siyingubo yakhe
yokwembatha. Ugqeda ukusina
sekuchitheke bonke abantu
asifake. Sakhiwa ~~[illegible]~~ emzini la
eganele khona. Sithungelwa
amafosi okusibopha ngenhla.
Mhla ebelethayo uyasikhumu-
la asikhweze ezimpahleni
zakhe, nomakoti ~~[illegible]~~

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

ongakhulelwanga
[illegible] [illegible] wobona agana
kanye nabo sebebeletha naye
asikhumule noma engenam-
ntwana. Uma sisesihle uzothi
omunye oganayo nxa esitha-
nda asithenge konaso.

Isikhakha

Isikhakha imibeletsha yokubi-
ncwa amakhosikazi anemiye-
ko ekhanda yisona sidwaba
sawo ngoba wona kawabinci
sidwaba. Kawasibinci amakho-
sikazi akhehlé izicholo ekhan-
da ngoba wona abinca izi-
dwaba. Izikhakha zimbili
sisodwa esibincelwa ngapham-
bili, sisodwa esibincelwa ngemu-
va, yileso singqondelelwa ngokuwaso
siboshelwa esingqeni ngamafosi.
Uma sezembathwa, sezibincwa izi-
khakha kuhlale kuhlale zigco-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

tshwe ngamafutha uma seziqala
ukoma, ngoba zingawukhwa ya
umzimba zingasagcotshwa.
Zinde ezinye zifika emaqakaleni
kuya ngobukhulu besikhumba
zinde ezenziwa ngesikhumba se-
ntondolo.

Isikhakha senziwa ngesi-
khumba sembuzi, abahloniphayo
bayibiza ngokuthi intshitane.
Lesisikhumba siyaphalwa sibo-
shelwe ezigxotsheni ezibethelwe,
siphalisiswa size sivele umswe-
nde. Sesikhuhlwa ngecembe
elomile lenhlaba elinamazenga
angamevana ahlabayo, wona azo-
siklwayisisa. Sikhuhlwa nje
sesifafaziwe ngamanzi ashisa-
yo. Sesichashwa ngobuchopho
benkomo noma obembuzi
obethiwa esiguqini bungapheki-
we balondolozelwa wona lomse-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

benzi. Ubuchopho lobu [illegible]
sebunephunga ngakho, isigubu sako
silengiswa laphaya ezihlahleni.
Cishu ukuba okushukwayo kube-
nephunga, nezikhumba ezishu-
kwayo namuhla zinephunga
elibi noma uhamba emgwaqe-
ni udlula la kushukwa khona
liyezwakala, bunjalo-ke ubu-
chopho okuchashwa ngabo isikha-
kha. Sesishukwa kakhulu size
sithambe. Sesithambile sesenekwa
ukuba some, asisezuvuka siku-
ye sibelukhuni ngoba sesitha-
mbile. Singoma sizombelwa em-
qubeni, silala kuwo size sikhishwe
sinyantululwe sesithambile nga-
kusasa. Kubethelwa-ke izigxobo
selulwe ngazo. Sesizosikwa
kahle owesifazane oyinyanga
yokusika, okwaziyo ukusisika
asenze amachopho ngenzansi

ngasemlenzeni. Sekusikwa amafosi athungelwe ngenhla la sizoboshelwa ngakhona. Ngokuphela kwaso sesigxotshwa, sikhathisiswa ngamafutha sonke, owesifazane usezozibincela zonke izinsuku.

## Isidwaba

Isidwaba siyinguba yokubincwa sibincwa abesifazana abaganile, amakhosikazi amasha nasemadala. Intombi esiganile, eyinkehli iyasibinca uma ihamba iya ngala iganele ngakhona nanxa iyobuka emsindweni, ~~[illegible]~~ ngoba yenqena ukuthi izohlangana nabakwayo ingabincile Isidwaba esenziwe ngesikhumba senkomo sinzima, siyasinda ngakho kujwayelekile nje ukuthi abesifazana asebebadala kakhulu bathande ukubinca izidwaba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ezenziwe ngezikhumba zezimbuzi
ngoba zona azisindi kangako
zilula.
Isidwaba senziwa ngesikhumba
senkomo, uma kuyisikhumba
senkabi enkulu kuphuma izidwaba ezi-
mbili. ~~[illegible]~~ Uma
kuyisikhumba senkomazi encane
kuphuma isidwaba sibe sinye.
Esezikhumba zezimbuzi, zizezibe-
yisikhombisa noma zibeyisishiya-
galombili kuye ngobukhulu
besi~~[illegible]~~-dwaba.
Isidwaba esenziwa ngezikhumba
zezimbuzi, zona-ke ziqala ngoku-
phalwa bonke uboya zingaqwili-
swanga emanzini. Zingaphalwa
zichashwa ngobuchopho benkomo
noma ngamasi zishukwe.
Nxa sezithambile zinikwa amakho-
sikazi akwazi ukuzisika. Zisikwa
kahle zenziwa izizibu-amaswesu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sezizothungwa lezizikiba ezinga-
-maswewe zihlanganiswa ngosi-
nga. Umfingcizo wenziwa izizikba
la zihlanganana khona. Lesigcotsh-
-wa ngamafutha kakhulu, sibu-
qelwe ngamalahle sonke sibemn-
-yama.

Esenkomo isidwaba, kuthath-
-wa isikhumba siyocwilisiwa ema-
-nzini mhlaumbe isonto lonke
liphela elinezinsuku noma ezi-
-ntathu sisemanzini. Sithi sik-
hishwa emanzini besesithambile
uboya sebuziyobukela nje.
Sesibethelwa ngezigxobo seluliwa
ukuze siphalwe, siphalwa nge-
cembe lenhlaba lona linameva umuntu alibambe ngapha nangapha. Namuhla kufunwa isigxobo sibungelwe ameva ensimbi acijwe phambili sikhwaywe ngalameva. Hapho-ke siyaphalwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

sikhuhlwe size sishuke sithathe ukoma, sesishukile. Sesizoggunyiswa ezinsisheni zotshwala sikoshwe siqiniswe izinsuku ezintathu nokazine, siyakhishwa sesishukwa ngezandla, kwesinye isikhathi siggitshwe emqukeni siyakhishwa sesichashwa ngamasi, sishukwa. Soshukwa sizesithambe. Uboya baso sebufana nobenguko, uboya bejwabu osekuvokomele, bavuka ejwabini ngenxa yokushukisiswa. Ngokoma kwaso sesisikwa akesifazana besithi klwe, klwe, besikhipha imiswesve emide enaphe ngaphezulu yanda ngenzansi. Imiswesve izohlanganiswa ithungwe ngosingo, yothi ithungwa ifingcizeleke, umthungo waso ukengaphakathi. Sesithungwe saphelela, sithungelwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 

K13/118

amafosi okusibophela esinqeni.
Kasitungwa sihlanganiswe sithi nya
sisala sivulekile nganxanye nxa
sibincwa sibincwe siphambaniswe
siboshwe ngamafosi. Sigcotshwa
kakhulu ngamafutha, sigcotshelwa
elangeni ukuze angenisise, bese-
sibuqelwa ngamalahle asezikho
noma ngamalahle ambiwe
entabeni. Sesiphelile-ke, usezo-
sibinca owesifazana. Sibukeka
sisihle kakhulu uma sisesi-
sha, simnyama buqe siqwebe-
zela, sivokomele yonke indawo
kuyabonakala ukuthi sifudu-
mele, kasibisisde kwakuyaphi
sikhawula ngamadolo nje
~~[illegible]~~ athi
nxa ehamba sijikazele.
Akuhlalwa phezu kwesidwaba hleze
sisheshe singcole, sishwabane, bayasi-
~~[illegible]~~
nakekela kakhulu uma behlala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# Ibeshu

Ibeshu libincwa abesilisa, amakhe-
gu, amadoda, izinsizwa nabafana.
Amabeshu ayenziwa ngalezizikhu-
mba, ngesikhumba seza, newula,
nesenxala, nesomziki, nesikanko-
nka, nesembabala nesempunzi
nesenkonyane yenkomo, nesephithi
nesenśimango, nesomthini.
Inkosi ibinca ibeshu lesikhum-
ba ~~[illegible]~~ sengwe, nangaphambili izinene
kube ezengwe, mayithanda ilibe-
kela izinjobo ze ~~[illegible]~~ nśimba emaa-
leni, alibilide liyalingana nje.
Isinene salo sibayinsonto
yesilo, inkosi iyalifaka idlaka
elicaziwe nje lacaywa, lacaywa
ngesikhumba ~~[illegible]~~ sengwe njalo.
Abanumzane abakhulu ~~aba[illegible]~~
-bincа ~~[illegible]~~ ingwe bahinca indlozi nenśimba.
Uma kusinwa odwendweni

779 K13/118 148

ibeshu eliyigugu elenkonyane
~~[illegible]~~ embala olunga, noma
ontusi, noma omnyama noma
onjani, uboya baso buluwathile. Odwendweni lamabeshu
abekelwa izinjobo zesikhumba
sensimba, lapho libelihle ka-
khulu. Izinsizwa ziyawabinca
nje namabeshu esikhumba se-
phithi nesembabala kanye nawe-
zinye izinyamazane.
Ayenziwa nje nangesikhumba
sembuzi noma esemvu akwase=
makhaya noma kuhleziwe
nanxa kusetshenzwa, kuthi
uma kuyoshelwa noma kuyoku-
kwa kubincwe amahle ezinyama-
zane ezithile.
Ibeshu seliphelele lonke nesinene
noma nezinjobo liyabizwa ngokuthi
~~umntsha~~ ibeshu.
Ukwenziwa kwebeshu, kuya ngoku-
khulu kohlonzo lwaso isikhumba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uma sinohlonzo olukhulu siyapha-
lwa somile ngesampotho, imbazo yoku-
phala, sibethelelwe ezigxcotsheni
siphakame ngenhla, usuzoguqa
ngamadolo ususiphala, uqede
ukusiphala usikhuhle ngechoba.
Uma uhlonzo lwaso lulunoane
siyakhuhlwa nje ngechoba, sifafa-
zwe ngamanzi sigoqwe sithambe.
Kasifakwa emqukeni isikhathi
eside uma sifakiwe ~~sabange nga-~~
~~ba usagavundasa~~ siyavunda uboya buncontu-
ke kanti ibona obulenza libelihle.
Sesithambile siyenekwa some, si-
gcotshwe ngamafutha athambile
engulube noma awenkomo noma
awembuzi noma sichashwe ngo-
bisi, sifafazwe ngalo. Sesizoshukwa
size sithambe. Sesithambile
sesisikwa emaceleni omabili nge-
nhla nangenzansi ususe, ukhiphe
izinkwapha, izinkwapha izona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezizoba amafosi, izintambo zokuli-
thunga ngoba zilukhuni kunozi.
Uzi luyashesha ukubolisiwa izithu-
kuthuku. Usinga nalo lwaluwathu-
nga amabeshu, kodwa lusheshe
luguge lunyibilike luthambe lu-
dabuke. Sezikhishiwe izinkwapha
zonke, intamo nomsila, lilingani-
swe kahle ububeshu.
Kusikwa enhla entanyeni yesik-
humba amaswesiwe lamaswesiwe
azokwenza iziphenama phezu
kwebeshu ngenhla, iziphenama
lezi imiphetho yokulihlobisa.
Ngokuphela kwalo selithungelwa
ngamafosi ngenhla ngapha na-
ngapha kuhlatshelwa ngosungulo.
Ibeshu lenziwa umuntu okwazi
ukusika amabeshu abenahle
oyinyanga yawo. Akuhlalwa
phezu kwalo funa liqothuke lingco-
le, liyaphequlwa. Uma libekiwe liyale-
ngiswa emgibeni endlini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

# Isinene

Isinene senziwa ngesikhumba sezinyane lembuzi, noma esempunzi noma esembabala, nesendlozi, kuze ngokuthanda komuntu. Sihamba kanye nebeshu sifakwa, sibinawe ngaphambili sona ibeshu libengemuva. Kushukwa isikhumba sisikwe amasweswe, isweswe liklaywe phakathi amasweswana amancane. Kuthathwe isiphenama sokuphetha ngaphezulu, siphethe ngenhla sithungelwe ngefosi. Ifosi leli kushiwo umchilo oncwelilwe wamuncane. Amasweswe alekwa ngamabili ukuze abenzima, abese bekelwa isiphenama, kuthandeka amasweswe enza isinene angabilula ukuze kuthi nxa ehamba obincile ungavele umzimba wakhe. Amasweswe enziwa ngamabili nga-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/ 118

mabili aze abemane engamabili akwazi ukuphela isinene asethu-ngelwa onke ebekelwe isiphenama phezulu sokuwaphetha, asethunge-lwa amafosi ngapha nangapha sekuyisinenekle [illegible] soku bincwa.

## Izinjobo

Izinjobo zenziwa ngezikhumba zamazinyane ezimbuzi nawezimvu nangesikhumba seza, nesembila nesikanogwaja, nesephithi neseqhi-na, nesonhlangala senza ezibe-kelwa emaceleni emabeshwini. Esensimba nesephithi senza izinjo-bo ezibekelwa emabeshwini emaceleni Abanye benza idlaka lazo izinsi-mba nelamaphithi, idlaka ilemi-tsha ecaywa imicayo emincane.

Izinjobo ziyakhiwa nangesikhum-ba sewula nesomziki, nesembila.

Ukwenziwa kwezinjobo, isik-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

humba sokwenza izinjobo asishukwa
sona siyathanjiswa - ~~[illegible]~~ ngokunye-
nyezwa ngamanzi sesahlinzwa
sanekwa soma, ~~be~~ bese sifakwa emqu-
beni olulana, sikhishwe sisiwe em-
thunzini la kungekho langa, sekuzo-
kwenziwa izinjobo isikhumba sitha-
mbile. Zolinganiswa ngeminwe
emibili ukuze zingadlulani, ezinku-
lu ziminwe mithathu. sosikwa
amasweswe aze abe maningi.
Lamasweswe aqoshwa ema-
celeni amaqakathana amancane
azosontwa, abijwe kusale indle-
lana phakathi. kusontwe ngapha
nangapha la ~~[illegible]~~
kusikwe khona. Izinsonto zoqala
enhla zizeziphume phansi
ngapha nangapha eswesweni.
Sezithungwa zihlanganiswa ngent-
ambo ezibanqayo njalo.
Injobo inye imasweswe mabili.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ebanqiwe elinye phezu kwelinye. Kwenziwe amanye gozeziphele zibanqwa. Sezelulwa zigcunyekelwa ~~amafa~~ izikhonkwane ~~olu~~ esinye la esinye laphaya, zithungelwe amafosi zelulwe, zibekwe llangeni ukuba zome. Sezikhunyulwa zithungelwa ngefosi zilakanyene njengoba sengishilo. Kuthathwa umswesswe wesikhumba zithungelwe kuwo ngenhla. Lelibande lophelela esineneni lifakwa amafosi, lelifosi lihlangane nelebeshu enqulwini. Izinjobo ezibekwa emabeshwini emaceleni zokuhloba ezinye zibangaktathu, nobangane noba zibesithupha.
Hapho obince kanje ahambe esenjikazela, esefana nentshe kuma khona ekude abonakale esecije ngesingenzansi wakhula ngesingenhla.

779

K13/118 155

# Izinyamazane

<u>Iza</u> inyamazane ehlala ezinkalweni, ingangenkonyane yehashi, impofu umbala wayo, iyadliwa inenyama emnandi nsa ingagijimanga ngoba igijima kakhulu lenyamazane. Elenduna linezimpondo, izinjobo zalo zinhle.

<u>Iwula</u> inyamazane engangembuzi limpofu umbala walo, lihlala emadotsheni endaweni elihlanzana. Lenza izinjobo ezinhle. Liyagijima.

<u>Umziki</u> uhlala ezimfundeni nasehlathaneni eliyihlanzana. Ubomvu umbala wawo unezinkwapha ezimhlophe. Unjengetheneshe.

<u>Insimba</u> imbala omnyama nathandukuba nsundu ayiziyingi, iyadliwa inyama ilikhuthu nga kusasa.

<u>Indlozi</u> umbala uthanda ukufana nowembiba, ~~[illegible]~~, impunga

inemigqa emnyama ethandukuyo-
phuma emsileni. Iyadliwa njenge-
nsimba.

<u>Insimango</u> inoboya obuyinubunu-
bu njengevolo eliboya buyinsaka-
nsaka obungabophene. Impunga
njengenkawu, ayinaboya obuningi
ebusweni, inemihlathi emnyama.
Iyadliwa, inenyama emnandi kaki.
mude umsila wayo uchophe ngoku-
mnyama buqe.

<u>Isangci</u>, Isingci sinoboya obukhu-
lu obumnyama emhlaze, kodwa
simpofu sifana nenja siyakhonko-
tha siyazidla izinkukhu, sihlala
emgodini wesambane. Sibeka
phansi, asilumi, asimbeki umu-
ntu, sikesambeka kuthiwa
uqothuka izinwele zonke agule
afe. Abanye bayasidla, kasidliwa
sona ngemvelo.

<u>Umhlangala</u> ungangekati

lasendle, mude unemilenzana emifushane. Unoboya obungamangqangqasi, uboya buyasuka usuhlinziwe njengakunogwaja.
Umpunga umbala wawo, bufana neshoba lenkomo uboya bawo, uyazidla izinkukhu namabuzi nezimbiba, uyadliwa, uphekwa kuswathe amanzi achithwe kuthelwe amanye ngoba unephunga.
Awubanjwa izinja esikhotheni, uphambanisa umkhondo, ziwubamba ungene emgodini.

Unogwaja abanye bathungisela izulu ~~abanye~~ ngesikhumba sakhe, nokuchela umakoti eseyokwenda.

Imbila ayinamsila, ihlala esixhotsheni ~~na~~ ikhala ithi "ngafa:" Umhlolo omubi imbila ikeyabonwa izongena ekhaya kuyelashwa impela. Iyadliwa inyama yayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

Imvubu

Ummfula okuthiwa wakewanezimvubu kuleli laseSilungwini uThukela, noMhlathuze kwaZulu, nasoBivane enhla nelakwaZulu, naso Phongolo, nase Mngwenya.
Ukuzingelwa kwezimvubu zazimenyelwa inqina, ziyoqwazwa ziphumile emmfuleni zelukele emhlangeni, inqina izikake izigwaze ezinye zizeziyofela emanzini. Ziyaluma, zinamazinyo amade amakhulu. Inyama iyadliwa inonile. Isikhumba sinohlonzo olukhulu. Yohlinzwa isikhumba sidatshulelwane khona endle lapho, kanye nenyama yayo. Sobethelwa emakhaya isikhumba ngezikhonkwane enhla nangenzansi, sidonswe singafinyeli emaceleni sithiwe qha qha. Ngokoma kwaso sofakwa emqu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 

beni size sithambe, isinqindi sikwa-
zi ukusiklaya. Siklaywa senziwe
izinduku ezinde, ziphume zibening
nezimfushane zibekhona.
Ileyonduku isizobazwa ngesinqindi
incwelwe ngaso kuyilo kukhithika
amabazelo, ibazwa iyancishiswa ngo-
kuya iyoncipha phambili ngokuci-
ja, ikhanda layo lisale lijige-
ngqozana, isidunu sayo sibeqatha
kuye ngokuya wonke umzimba
wayo. Yobazwa izinsuku nje ezi-
thile kuze kuphele zonke izigodi
zayo, ikhukhuzeke. Ithi ibazwa
nje ibiqale yakhandwa ngemboko-
dwe enhle, ikhandisiswe ukuze
ibumbane ibenohlonzo olukhulu.
Ibisibazwa-ke, ayilungi ingakha-
ndwanga kuqala, ingaphenduka
ibesixcembe, kanti ifuneka ibu-
lungane yonke iziyophuma phansi.
Iphela igcotshwe unwali, isiphe-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lile, isizobekwa elawini. Amafutha
kanye nokuyiphatha ngezandla
kuyiphendula ibemnyama. Lapho-
ke lenduku ibizwa ngokuthi imvu-
bu, iphathwa izinsizwa namado-
da kanye nezinduku zawo, kuhlonywa
ngayo eyokuphonsa kuliwa,
iwama ukukopela ingene enyame-
ni kabuhlungu, isishaya isida-
bule isikhumba sensizwa. Insila-
ne induku embi kakhulu, namu-
hla kayisathandathandeki kahle
kuhulumeni ngenxa yengozi yayo.
Izinsilane ezincane zibotshozwa
izimbobo zifakwe ifosi lokuziga-
xa engalweni zinhle ekugibeleni
~~izinjomane~~ amahashi. Ezinye
ziyacanwa kahle ngobusengi.
zihlotshisiwe, nalapho ithanda
ukuvithizeka khona ukuguga
ngaphambili iyacanwa. Insizwa
ehlome ngemvubu inesithunzi awushe-
shasheshi ukuyigigijimela nje.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 161

Inkohlomba

Inkohlomba singathi isonasikhwama sabantu sokushutheka sigase ukudla kwemikhonto, izijula nezingindi. Abelungu banayo inkohlomba abafaka kuyo insabula. Inkohlomba yenziwa ngesikhumba senkomo kodwa asishukwa, siyaphalwa bonke uboya ngesampotho. Kusikwa esikhunjeni isweswe elide libebanzi ukulingana ukuphindwa ukuze kungene ukudla kwemikhonto. Isweswe lizophindwa libuyiswe, la lihlangana khona lithungwe ngefosi lesikhumba sentondolo yembuzi esiqinile. Lithungwa isweswe lihlangane nangaphansi, kusale imbobo phezulu yokufaka imikhonto. Inkohlomba ithungelwa ibande lefosi elinohlonzo lokujigaxa ehlombe liphume ngaphansi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwekhwaptha lebinye isandla izinduku zemikhonto zime zibeke phezulu, ibengemuva, umuntu akwazi ukukhwelela ehashini eyigaxile imikhonto yakhe ngenkohlomba. Izinqindi nazo zinezinkohlomba zazo ezilingene zona. Iyasiza ekuvikeleni ukulimala nokusikwa ukukhali besikhali esiloleke sacija ngaloluhlobo imikhonto iphatheka kalula.

Ingubo yengwe.

Ingubo yengwe (nomsila wayo) iyingubo eyaziwa ilizwe lonke ukuthi yembathwa inkosi kuphela, konke okwenziwa ngesikhumba sesilo okwe nkosi, iyona ebinca ingwe, ibeshu, isinene, izinjobo noma umutsha. Angahlawula kakhulu umuntu nje ongayembatha nongayibinca, lokho kungabe kungumhlolo

akwenzeki nempela. Ingwe eyama-
khosi onke. Kapho sikulewe isilo ~~[illegible]~~ izi-
nsizwa ezithukuthelayo, ezingama-
qhawe nasempini, ezinesibindi, ezisi
shaya ngewisa sikhwelela siqonde
ukuhlala ethanjeni lentamo, isik-
humba sisiwa kamkhulu.
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ Isikhumba esihle kakhul-
u esimabalabala amhlophe ~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ nammnyama, sihlinzwa ngobuno-
no sikhishwe nekhanda namehlo
aso nomsila waso uphela.
Soshukwa umuntu okhethwe ink-
osi, asishuke kahle sithambe
kakhulu, sisongeke kalula.
Sesishukwe sathamba yonke indawo
sayimvithi, sesigcotshwa sonke
ngesineke ~~[illegible]~~ ngokuna-
kekela ngamafutha ephehlwa.

Ulaza
~~kuma~~ ngamafutha ekhethelo ~~bela~~,
lwengulwa ~~[illegible]~~ obisini lubekade
lulele lwazibekelwa yiwo lama-
futha ngaphezulu, izinkomazi
ezinamafutha amaningi ezincelisa
amaguqa amathole. Abelungu
benza ibotela ngalamafutha
ukudla okugculisa inhliziyo
ukudlile kubicwe ocezwini luka-
jeqe ~~[illegible]~~ nesink-
wa esenziwa ngempuphu ecoleki-
leyo yahlungulisiswa kakolwe
otshalwa ~~[illegible]~~ kuvunwa
emazweni aphakeme anamakha-
za angabi namvula enkulu,
lempuphu imhlophe qwa iyoleki-
le iyinamfunamfu iyaboseka
iyathengwa ezitolo.
Yilolelphehlwa ulaza ~~o~~lugcoba
ingwe, ingubo yenkosi, lama-
futha afakwa amakha anuka
iphunga elimnandi elikhangi-

sayo. Siphele sithi du, sisihle [illegible] sinesithunzi, asithwale ayosethula komkhulu enkosini. Inkosi iyayembatha ilala [illegible] ingubo yesikhumba sengwe. [illegible]

## Isiphuku sokulala

Isiphuku siyingubo yokulala ethambile kakhulu sinoboya yonke indawo. Lengubo yayenziwa ngesikhumba sethole lenkomo eseliyiguqa eliphelele selaphuma izimpondo zangaphezu kwesithupha nenkomazi enesikhumba esithambile esingenalo uhlonzo oluyisiqqinsi kakhulu, nangezikhumba zezimbuzi, nezezimvu, nezezinyamazane zasendle imbabala, iphithi, umuqha, impunzi nembila.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Izikhumba uma zizoshukwa ziyachelwa ngamanzi ngasejwabini, sezingenwe amanzi zibethelwe ngezigcobo zidonswe ukuze zinwebeke zibebanzi. Ziyashukwa zidonsiwe zibanzi.

Izikhumba ezinohlonzo olukhulu zibethelwa ziphalwe ngesampotho, ~~[illegible]~~. Ziphalwe ijwabu kunwebuleke imidweshu yamaphalo edweshulekayo, lokhu untwentwesi lwesikhumba olunwebulekayo. Zikhuhlwe ngetshe lechoba, lelitshe limhlophe lifana nosimende esahlangana namanzi. Sezishukwa ngezandla zize ziphume umswende, zoshukwa zize zithambisise. Zizogcotshwa ngamafutha, zikhishelwe elangeni, zenekwa kungene amafutha. Zingenisiwe, sezisongeka njengengubo ethambile kulalwe ngazo. Ezezinyamazane nazo

zichelwa zikethelwe, zomele lapho sezinwebekile, uma zinohlonzo olukhulu azishukeki kahle zingaphalwanga kuqala njengesembila, nesephithi nesikankonka osemncane isihamu.
Zishukwe zize zithambe, eginaane zithungwa zihlanganiswe ukuze kube isiphuku esikhulu, zithungwa ngosungulo nangamafosi amancane nangosinga. Zithungwa nje zisikwe kahle izinkwapha zalinganiswa kahle, amakhanda azo ame abeke phezulu. Zizothungwa nangenzansi zichunywe ukuze zibe isiphuku sokulala.
Umnumzane unesiphuku sakhe senkomo alala ngaso, nenkosikazi inesiphuku sayo senkomo, abantwana bamantombazane nabo banesiphuku sabo ingabe esezimbuzi noma esezi-

nyamazane, kunjalo nakuba-
fana ekhaya lapha. Iziphuku
ziyafudumala kakhulu ebusuku
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ ziyathokomalisa.

## Isiphuku sokwembathwa.

Iziphuku zokwembathwa, indoda
ibizembatha noma zimbili izi-
gaxe iziphambanise esinye
ngapha esinye ngale, zihlanga-
ne emhlubulweni ezinhlangothini
zomuntu. Abanye-ke babembatha
ngasinye uma lina basibuyisele
ngala kuqhamuka khona imvu-
la, noma kunomoya omakhaza
basibuyisele ngala kuvela
ngakhona umoya oqandayo.

## Izikhumba zenkosi.

Izikhumba okwakwaziwa ukuthi
ezenkosi kwakuyisikhumba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sengonyama ~~[illegible]~~ ibubesi, nesikhumba sesilo ingwe, nesikhumba semfene, nesikhumba sentsele.

Kuthi la kudlala umkhosi, inkosi ibince ibeshu lentsele, iphathe ihawu eselabamnyama nembazo yayo eseyabamnyama. Lezizinto sezafusiwa umusi ngoba zahlonywa ezintingweni zendlu sezaba nomule. Imbazo iyona inkosi ezogenca ngayo inkunzi, ezobanjwa amabutho ngezandla ayithwale ayilethe phambi kwenkosi, iyigence ngezembe layo. Uma inkosi ithanda yayibinca ibeshu lemfene.

## Amashoba.

Amashoba ezinkomo ezinemsila emhlophe ayengalahlwa aye-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lungiswa kahle, ngoba kwaku-
khethwa ngawo emsindweni, ~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ amanye ehloba eyimu-
nulo enhle kakhulu, nasemi-
khosini ethile enjengokuchangu-
zisa umakoti. ~~[illegible]~~
Ishoba lihlinzwa enkomeni
likhishwe lenekwe lome. Lofakwa
emqubeni likhishwe sesithambile
isikhumba salo lishukwe isikhu-
mba lesi. Lishukwa nje lasikwa
inkulathi lakhishwa lonke itha-
mbo lomsila, lizosikwa amaswe-
swe amabili asontwe, ngoba
liyamsika umuntu uma ~~[illegible]~~
lingasontwanga lasontisiswa.
Kuzohlotshwa ngalo likoshelwe
engalweni ethanjeni elifuphi
ngenhla kwendololwane, izingalo
zombili, amanye akoshelwe
emlenzeni ngenzansi kwamadolo,
kube kuhle kudele. ~~[illegible]~~

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ishoba lokuphathwa ngesandla noma kusinwa, lihlinzwa ngokugululwa ethanjeni lomsila lingaze laklaywa, ligululwa liphequwe isikhumba liklutshulwe, lehliswa ithambo selikhishwa lonke. Selifakelwa uthi lwalo olubazwe kahle, lifakwa khona lisemanzi liboshwe ngentambo encane yesifonya, inamathele nko inkulathi endukwini, sekulishaba elihle kakhulu, nezimpukane liyaziphunga zingasondeli nempela ebusweni bomuntu oliphetheyo, nemithi iyachelwa ngalo.

## Iziqqoko

Iziqqoko zazithungwa ngezikhumba zezinyamazane esengikengazibala imibala yazo, ukuze kuqondakale umbala wesiqqoko noma isikhumba esingethuka

siselamela ngamehlo namuhla, lokhu izinyamazane sezaba yingcosana kazisenala; kuqala ilizwe lisabusa ngokwasendulo kuzikukwampunzi zidla-emini.
Iziqqoko zazenziwa ngesikhumba sendlozi, nesentsimba, nesentsimango, nesesanga, nesomhlangala, nesomvuzi.
Umvuzi inyamazane ehlala emanzini udla izilwane zamanzi nezinkalankala.
Ukwenziwa kwesiqqoko, isikhumba sesiqqoko sasingashukwa kakhulu sasishukwashukwa siyekwe, sesizosikwa isikhumba inyanga ekwazi yo ikhiphe ukhakhayi lwaso lusuka esiphongweni luzoshaya esiphundu ngokulinganisa. Isisika izinhlangothi amabeqeba amacele. Sekusikiwe kanjalo, sesithungwa ngefosi elincane ngobunono, ku-

hlanganiswa amabeqeba lana asemaceleni ami. Abeke phezulu simiswe kahle ngomthungo, sincwelwe la sivokomele khona saphuma iqhubu. Emphethweni waso sinanyathiselwe iswesiwana laso elincane ngobuciko umthungo ube ngaphakathi. Ijwabu lesikhumba lingaphakathi uboya bungaphandle. Siphele asithathe umnniniso asiqgoke.
Izigqoko zazingavame kantu bonke, ikakhulu zaziligugu kubantu abazizinyanga akelaphayo, uhle ubone inyanga iseza kude ngaso isiqgoko senyamazane.

779

K13/118 174

# Isikhumba sikaxamu.

Uxamu ebulewe wayehlinzwa kwe-
nekwe isikhumba sakhe, kothi la
umuntu ebulawa ubuhlungu
besandla kusikwe isweswe laso
likoshelwe esihlakaleni leso, lelibu-
nde lingumuthi odonsa ubuhlungu
ibengcono ingalo. Isikhumba
sikaxamu sasithunga imbeleko
yokufaka idlelo logwayi womnu-
mzane, sichelwe sishukwashukwe
sithambe sithungwe sibe isikhwama
seshungu. Kwakuthungwa ne-
mbalukwana enhle encane ngaso
yokufaka intshengula yomnumz-
ane azosithunga qede ayithu-
ngele ifosi ezolenga ngalo
~~[illegible]~~ entanyeni ifake intsheng-
ula yakhe. Kwakuthungwa
ngaso isikhwama esihle esimaholo
sokufaka amakhubalo ezinyanga
sivalwe lesosikhwama noma sivuleke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Isikhumba sokwendlalwa

Izikhumba zokwendlalwa phansi ezindlini ezezimbuzi nezezimvu nezamankonyane. Nxa kuhlatshiwe ekhaya imbuzi noma imvu noma kufe inkonyane isikhumba saleyompahla siyabethelwa ngakusasa ngezigcobo selulwe some. Sesomile siyanavelwa kahle izi.:kwapha zaso emaxaleni kube-ke isiphuku sendlu. Namhla sekwabakhona usaoti sezifafazwa ngawo zisemanzi zibethelwe, wona uthambisa isikhumba. Endlini emini lezisiphuku ziyagacwa kuthi nxa kungena umuntu wesilisa sethulwe ahlaliswe kuso. Ziyendlalwa kulalwa kulalwe kuzo. Zihlala amadoda nezinsizwa ngoba abesifazana bendla-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

la ~~[illegible]~~ ucansi oludala nje bahlale kulo bona. Ziyathandwa ezezintondolo ngobukhulu bazo.

Ilengisi.

Ilengisi lalenzelwa ukulinda izinyoni emini esifeni samabele ekwindla aze avuthwe athande ukuzahlula ngobulukhuni zinciphe. Kusikwa isikhumba sembuzi iswesiwe elikanzi, ukukanzi like ngangesandla somuntu sivuliwe, ila kuzogaxwa khona itshe elizophoswa ezinyonini phakathi nensimu ~~[illegible]~~ sezingene zihlezi kuwo. Lenzelwa amafosi amabili amakhulu amade athungelwe kulesisikhumba emaceleni, esisi-kwe sathi ukunqashiswa naso emaceleni sengathi siphuma ngelana ngapha nangapha. Nganxanye elinye lenziwe isihibe sokulingenisa esandla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ni. uma kuphoswa kudedelwe
elinye ifosi. Unomshwiko omkhu-
lu itshe lelengisi liphumisa okwe-
nhlamvu yesathungisa [illegible]
[illegible] Izintaka nemizwili-
li, namahobe namavukuthu
nojomela, ezona nyoni zidla
amabele nezinye [illegible] zindize
ziphaphatheke zilizwa lithi
- zwi - zwi - zwi.

## Imbadada

Imbadada okuthiwa ingcabulela
yokucathulela ezinyaweni
abesilisa bodwa yenzelwa imi-
kenke onyaweni namazenga
engqakaleni. Kusikwa isikhu-
mba senkomo esidala kulinga-
niswe ngonyawo lomuntu, sesi-
cwiliwe sathamba. Sesisikiwe
kuthungelwa ifosi elizohamba
ngaphezu konyawo ngaphamb-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ili, kuthungelwe isweswe lesikhumba ngemuva ~~kwe~~ kwesithende~~ni~~, kulelisweswe kuthungelwe ifosi likembasa mbili liphume ngapha nangapha konyawo liyohlangana neli-ngaphambili likoshelwe kulo noma lithungelwe. Imbadada iyanyomuleka kalula onyaweni ikhunyulwa. Zazingenziwa endulo. Kuyabonakala ukuthi abantu babone la ezicathulweni zabamhlophe ngokufika kwabo kulelizwe. Namuhla izimbadada sezande lonke ilizwe. zakhiwa ngamasondo ezimoto agugile alahlwa zikahambisa kahle nasokhetheni lwemigwaqo abazisebenzisayo.

## ~~Im~~ Isifutho

~~Isi~~ Imfutho ebizwa ngokuthi isifutho noma umhlanti eyokufutha umlilo wamalahle

779



K13/118

kukhandwa insimbi. Abanye baya-
-yakha ngesikhumba sembuzi siphaliwe sashukwa kancane kasathamba sithungwe sihlanganiswe ngosinga, ikhanda imilenzana nezinkwaphana kusale imbotshana yokufaka uphondo oluzoba ngumbobo wokudonsa umoya liwuse ezikho, lungeniswe sithungelwe kulo nko.

Isifutho siyakhiwa ngesikhumba senkomo, siyacwiliswa emanzini singathamba sikhishwe, sibethelwe phansi sishe amanzi. Sesomile kugxunyekwa izibonda, sibashelwe kuzona zimile, kuthathwe isampotho siphalwe bonke uboya. siphendulwe siphalwe ejwabini.

Siphela siphindiselwe emanzini usuku. Sikhishwa ngakusasa kufudumala ilanga sesibashelwa egatsheni lomuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

kokunye sigxunyekelwe izigxoko.
Sikhungelwa simanzi lapho, ku-
thathwe itshe likoshelwa kuso
ngaphansi, itshe lokushuka
sisontwe ngothi sizesikumbane
sikesigaxcana ukusonteka.
Luyahoshwa ugongolo siyasombu-
luleka, siskukwe kanje sizesing-
ake sisavuza amanzi. Sikhun-
yulwe singomisisile, sesizofakwa
embizeni yezinsipho zotshwala
izinsuku ezimbili. Siyakhishwa
siyasizilwa sikhuhlwe ngembo-
kodwe, singagxcotshwa hleze si-
sheshe sidleke sesisebenza.
Liyabekwa itshe lembokodo si-
shukwa ngezandla, size sivu-
melane nazo. Silosesidonswa
selulwa ukuze sinwebeke
ngoba ngesesifutho. Kusikwe,
amafosi embuzi anowelwe
~~[illegible]~~ efakwe amafutha.
alolongwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Sesisikwa lesisikhumba, sihlanganiswa sithungwa ngalamafosi, sifakelwa uphondo lwenkomo olungumbobo ngaphambili luthungelwa kuso nko. Selubumbelwa ngebumba ukuze lungashi umlilo. Kusele enye imboko encane ngemuva yokuhola umoya ngaphandle iwungenisa Sekushukwa, kuzokhwela phezu kwaso ngezinyawo kudivazelwe kuthiwe diva ngapha sivokomale ngale, kuthiwe diva ngale sivokomale ngale, uyahamba kelu umoya uyafutha, sekuyisifutho-ke ~~yo~~kukhanda.

Namahla [illegible] abantu Sebezenza zibe zinhle. [illegible] Njengoba ngiloba nje nasi phambi kwami esakhiwa umuntu ngoko uyafutha ngikhuluma nje, njenga

779

K13/118

kusihlola kwami manje, lomuntu
wasenza kahle kakhulu, wasakhe-
la ngamapulangwe lesisifutho
sakhe, linye phansi linembotshana
yomoya, kukhona amapulangwe
futhi phakathi, ngenhlana kwale-
li, elinye eliwukhakhayi lokukamba
isikhumba, ngenhla kwalo ipula-
ngwe elinemboko yokukhaphela
umoya ngenhla oqhamuka
ngaphansi, ngenhla kwaleli lukha
khayi lwepulangwe eliyimboko nje,
phezulu ipulangwe lokugaina
elithe mbo, isikhumba sathiwa
qha, qha, emapulangweni ngezi-
pikili, phambili umbobo wenzi-
mbi uye waphumela eziko elak-
hiwe ngamatshe. Phezulu isifutho
lesingiggquba ngothi olubohel-
we ogodweni, nsa eluthinta
eluehlisa siyavuka sifuthe
ngoba luboshelwe ngemuva

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779

luyasiphakamisa. [illegible] Usakhele ngezigcoko ezine ezimi wangumisa ezimbili ngaphansi sona sihlezi sizinze phezu kwalezi eziphansi. Isinqe sago siphezulu ukuze singadliwa muhlwa singabolisiwa mvula. Usakhele indawana esithile. [illegible]

omit

## Umqhele

Umqhele wokuhloba wawakhiwa wenziwa ngezikhumba zezinyamazane ezithile, lezizinyamazane intsimba, indlozi, intsimango nezinyane elimnyama lemvu, umthini, umvuzi nonogwaja

zenza imiqhele emihle kakhulu.
Izinsizwa ziyahloba ngeminyе
kodwa azihlobi ngentsimango
le ifakwa amadoda odwa.
Inkosi ihloba umqhele wengwe
nangonogwaja lo ompofu omvukum-
vuku, osithukisaqanda nezinye.
Ukwenziwa komqhele kusikwa
isikhumba sesashukwa satha-
mba sasikwa amasweswe
abemabili nobalinye. ayasont-
wa asontwe athungelwe amafos-
ana okuthekeleza esiphundu.
Akususwa uboya ibona buyim-
vunulo yomqhele. Amakhekhe
~~[illegible]~~ ay(z)afaka imi-
qhele ngaphansi kwesicoco.
Kuvunulwa ngawo kuyosinwa
noba kuyobukwa kufakwe
nezidlodlo nomnqgwazi ziyi-
kazele, nongenasicoco kube sen-
gathi usasithwala kanti umqhele.

779



# Umnqwamba K13/118

Kuzalwa ingane ekhaya inikwe imbuzi, isikhumba sayo senziwe imbeleko yomntwana. Kuthi lesisikhumba siqedwa ukuhlinzwa siseluhlaza simanzi sisikwe emlenzeni isiqephu esingesikhulu kwakuyaphi. Sesibotshozwa izimboko ezintathu umntwana afake ingalo kwenye ngapha nangapha nekhanda kwephakathi. Sime sibe imichidlwana emine yehlele ngaphambili nangemuva yiwona umnqwamba womntwana lona. Inikwa umntwana nje lembuzi eyokubonga amathongo, nayo iyabongelwa ngaphambi kokuka ihlatshwe ibongelwa umuntu omdala ebonga abadala. Umntwana uzothelwa ngenyongo yayo isifuthwa engqwaziswa yoze izigugele yona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

Unina womntwana uzohlala ewukhu-
mula umnqwamba ewugcoba ngebomvu
ewuphuqa uze wome. Awushuke utha-
mbe ungaze wamsika umntwana.
Sewomile awugcobe amafutha, awusu-
swa uboya. Kothi sewumqina umntw-
ana ungasamlingani ngoba ekhu-
la ukhunyulwe ukhulu awulonde
ngokuwuhloma ofindo emsamu we-
ndlu yakhe awukhweze khona, wo-
ze uzilahlekele khona lapho.
Izangoma nazo ziyayifaka
iminqwamba yesikhumba esimhlophe
noma esimpemvu, nazo zithetha
wona amadlozi, zibonga abada-
la.

## Isiphandla

Isiphandla isiqqizo aqqiziswa
ngaso umntwana emkhonweni
wakhe ~~woko~~ wesandla sokupho-
sa. Naso sisikwa kuso isikhu-
mba sembeleko yomntwana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sisikwa emkhonweni waso, isiphandla size sithukululwe sesimqina, sinikwa uninakhulu asigcine, naso size sizilahlekele lapho asikhweza khona. Umnqwamba nesiphandla kusikwa kuso isikhumba esenza imbeleko yomntwana.

~~[illegible]~~ Inhlanti

~~Imvaba~~ Inhlanti igula lamasi elenziwa ngesikhumba senkomo. Siyaphalwa kahle sishukwe njengoba sengichazile ngokushukwa kwezikhumba zenziwa iziphuku nokunye okuningi. Sisikwa phakathi senziwe isiyingi esikhulu. Sibotshozwa izimbotshana ezincane eceleni zizungeze njengaso, ezokufaka ifosi elincweliswe kahle lalolongwa. Yilo elizosifingciza emlonyeni kuboshwe ngalo nsi lapho sekwethiwe ubisi phakathi.

779 Inhlanti yayithungwa ithi du izqingqa ngenhlabathi nolaulongwe isemanzi zomele khona. Kokhishwa igegwe. 

Ubisi luyavuthwa lube ~~e~~ amasi angazakhanywa umlaza ngoba imvaba kayinambotshana ngaphansi. Leligula lishukuzwa ~~ngoka-~~ ~~[illegible]~~ ngokugingqwa phansi lidushuzwa libukuzele libe umbukubuku lithi buku buku.

K13/118

Selizochathazwa amasi esehlangene phakathi nomlaza. Imvaba yayiyinhle kuqala ngezikhathi zokuhlaselwa izimpi, ngoba yayithwaleka kalula noma iwa ingafi ithi nje baba, futhi yayilengiswa kalula nokudla phakathi. Kodwa iyangcola ayifani negula loselwa.

## Usinga

Usinga olukhishwa enkomeni lwenza ~~[illegible]~~ izintambo zokuthungwa luchazwa esigabeni ~~z~~ semisebenzi eyenziwa ngezintambo.

779 6 189

# Ukusetshenziswa Kwensimbi nethusi.

~~Okwensimbi nethusi,~~ K13/118

Abantu bakuqala nanxa babenga-
fundile, bengazange bahlangane
nezizwe ezinye ezimhlophe esezafi-
ka nolwazi olukhulu lwemisebenzi
emangalisayo, babeyikhanda
insimbi, beyazi abakhandi
bayo la itholakala khona nala
imbiwa khona, lo~~kho~~ kungulwazi
lwabo bona baninikukhanda.
Babazi ukuthi ukuze ilunge ku-
hle incibilike ngokuba iphekwe
eziko, nokuthi idinga amalahle
amaningi, nesifutho esizofutha
amalahle avuthe ngamandla
ashise kakhulu, insimbi yabo
ibile bayikhande iphenduke
isikhali esithile sokuzivikela
nesokusebenza, nesokubulala.
Lolulwazi babenalo endulo
lababantu, lwaludluliselwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

kubantwana babo ngokuba nabo babebuka imisebenzi eyenziwa oyise bagaphele yonke into, kothi oyise sebefile ingabe bafele empini noma bagodukile, lelofa abalishiyayo libe ilifa labantwana abaseleyo nabo benze imisebenzi eyayenziwa oyise bebuka ngamehlo.

Abakhandi bensimbi kwakungebantu bonke kwakungaba munye mhlaumbe kulesisigodi, kanti nakwesinye mhlaumbe munye noma babili abenza lomsebenzi bawuthola uyilifa elashiywa ngabadala. Nanamhla bakhona abasayikhandayo insimbi abantu nabo basaggaggene kakhulu. ~~[illegible]~~

Kwakudingeka ukuba umkhandi wensimbi abenendawo yakhe eyiziko lokukhanda abenama-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lahle amaningi asalungela ukuba-
swa, ngakho wayegaula izihla-
hla zomtholo nomnqawe imithi
enamalahle amahle angasheshi
ukucima kodwa akambelela
umlilo isikhathi eside, kanye
neminye imithi enjalo. Izinkuni
lezi zazibaswa ngaphandle
kweziko elakhiweyo lokukhandela
zivuthe zibemnyama, zingazega-
sha zibebomvu, zinyenyezwe nga
manzi zicishwe. Ngokucisha
kwazo zizobekelelwa ingwaba
zibeningi, sekuzolokhu kuthathwa
kulengwaba kubaswa eziko.
Iziko lakhiwa ngamatshe
liphahlekwa ngodaka ukuze
amatshe angazabidlika la
sekusetshenzwa izinsuku ngezinsu-
ku. Kuleliziko kusele imbotshana
elingene umlomo wophondo lwe-
sifutho. Loluphondo lwanqunywa

779



K13/118

phambili lwaselubotshozwa lwanembo-bo.
Kapho ephemba umlilo ezikho uphe-mba ngawo amalahle-ke enqwaba afuthe isifutho uvuthe umlilo kulapho-ke esefaka insimbi.
Isiqalaba naso sasiqotshwa izinkuni zokubaswa zibe amalahle.
Kwakwenzeka ukuba amalahle abaselwe khona emahlathini.
Kamalahle ayecishwa ngokukhaphe-zela inhlabathi phezu kwawo.
Kemithi yayibaswa ingakomi kahle.
Uma enzelwe le endle, kuvuka abesifazana bayowathwala ngakusasa ngezihlandla ezelukelwe ukuwathwala. Abanye bakewathwala ngamaqoma bawathuthele khona enkandelweni.

Sekubasiwe esefake insimbi emlilweni engamaqekathana isibungelwa amalahle ishe ibe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bomvu klubu.

## Isongo.

Isongo lalikhandwa ngensimbi embiwayo eyayifika izigaxa yayaziwa inyanga yokukhanda kuphela, ingakhulumi ngendawo la iyithapha khona, nakahlala naye bengayazi, kwazi yona yodwa izithwalela yodwa. Isongo lalihloba ngokufakwa ~~[illegible]~~ ezingalweni ngenhla kwendololwane kugqizwa ngalo. Amanye amakhulu ayekhandwa elinganiswa nentamo kungawokugqiza entanyeni.

Lapho insimbi isibomvu eziko uyikhipha ngodlawu ayikhandele phezu kwetshenkomo eliluhlaza elikushelelezi, ayikhande ngembokodo eyigoba eyelula njengenduku ibeno—

mhlandla phakathi. Usezoyinquma ayilinganisele isongo ingabinkulu ibencane, kanti abekhona futhi anomhlandla omkhulu okwenza amasongo amakhulu. Usezothatha intambo yokulinganisa engalweni awalinganise onke kanjalo hapho esewanqume abamaningi usewafaka emlilweni esha, usezowagoba esashisa ebomvu esathambile ewalinganisela zona izandla. Uwagoba kusale isangwana elincane ukuze uma ingalo inkulu lithi ukuwetshwa libuye libuyiselwe ukuze lingabe lisaphuma. Kukhona-ke abantu abazowagusunga ematsheni bawenze abemhlophe njengomuntu elola ummese ngamanzi emlalazini. Sebethatha imigoqwane imivalo yezinkomo, sebewasulela kuyo imivalo, asezoba bu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

195

779

K13/118

shelelezi abemhlophe acwazimule manje. Umkhandi esewasulile wawaqeda usezowafaka embe-ngeni agawale, asehanjiswa esiwa enkosini. Lawoke izikhono zamakhosikazi enkosi.

Inkosi isizowabela umuzi wayo. Abantu ababewathenga babeshaya izimbuzi nezinkomo bewathenga amasongo ngoba imali yayingakabikho.

Indondo.

Indondo lena sengathi izinhloko ezimbili iyodwa emnyama efana nensimbi, iyodwa ebomvu efana nethusi ebubomvu bayo bufana nopondo. Yayimbiwa nayo enhlabathini. Iyakhandwa ifakwe emliliweni ibunjwe imbulungwana eyisigaxana ishaywa ibunjwa ngesando ize ibumbane ilokhu

igotshwagotshwa isale imbotshana.
Leyombobo iyona eyofakwa intambo
umchilwana nxa isithungelwa
ezicwayweni zomakoti, ezidweng-
weni zabo. Isicwayo sikamakoti
sesikhumba sempunzi, zothunge-
lwa phezulu naphakathi kwehle
naso nasemasondweni aso.
Nxa esehamba kuzokhala kuthi
khehle khehle izindondo.
Nayo indondo ilolongwa emlalazi-
ni ukuze ikhazimule, icwebezele
umlalazi ufakwa amanzi
n jengoba kusuke kulolwa imi-
khonto.

779

K13/118

## Isando

Isando sakuqala kwakubunjwa insimbi eyisigaxa, ifakwe eziko ishe ize ibebomvu ibisigxotshwa ngamatshe, kukhandwe ezinye izinsimbi iguqulwe igxotshwe ize ibe isando. Ikhandwa kufakwe enye insimbi ukuba kungahlangani imboko yesando la kuzongena uthi lwaso isando. Sesiphelile ukukhandwa sasifakwa emanzini ukuba siphole siphiselwe uthi lwaso. Zazingavamile kubakhandi konke kuqala ngoba babekhanda ngezimbokodo zazikhetha nje labo abazenzileyo.

## Udlawu.

Udlawu olwalumlomo munye lwalwenziwa, kungolokukhip-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

ha insimbi eziko izandla zalo zokubamba zingabimfushane zibende ukuze angashi umlilo eziko. Yilo udlawu oluwalwengelwa ukubamba izinsimbi ezishisayo eziko, ukhanda nje ubambe ngalo udlawu.

Zazazihlangana khona zazenziwa banzana, nala zibamba khona zibebanzana. Zazibotshozwa imboko lazihlangana khona lezinsimbi, zime zibekane ziyavuleka zivaleke. Zazingavamile kakhulu nokho izindlawu.

Imbemba

Imbemba kushiwo isizenze sokulwa noa kulwa impi, kunqunywe ngayo umuntu kuliwa. Ifana nomkhonto ukucija kwayo nokukhali kayo. Kuhlonywa kuthathwa

779



isihlangu nomkhonto, nembemba
newisa. Yenziwa ngensimbi ifakwa
enkandelweni iphekwe ibebomvu,
ikhandwe ithambile yenziwe isica-
ba esibanzi icije ngenhla icije
ngenzansi ibenomsuka phakathi
la kuzongena umphini wayo wo-
muthi obazwe wayisagidlana.
Kubotshozwa imbobo esagileni ngo-
sungulo olushisayo kufakwe umsuka
ugotshwe ngale ukuze ungakwazi
ukumonyuka ngoba ugotshiwe.
Isigololwa emlalazini ngamanzi
ubebukhali ubemhlophe. Ihlala
igcotshwa amafutha ukuze inga-
thombi igqwale ibemnyama.
Imbemba ihlala ~~nom~~ nemikho-
nto emsamu emabasweni eyezi
nsigwa, neyomnumzane ihlale
nemikhonto yakhe esithandweni
emabasweni emsamu.
Iyodwa imikhonto yokuphathwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umuntu ezihambela ~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ noma eyozingela, ibe yodwa
eyokuhlasela, ihlezi nesihlangu
sayo khona lapho eduze.
Kuthi uma izinsizwa zihlezi ekha-
ya zingayendawo ziyoyesula
emthunzini esangweni ekhaya
zigqothe ichoba. ziyesulele emgoq-
waneni ziyigcobe amafutha ziyi-
beke. Isikhali esiyingozi asivunyelwe,
ukuphathwa phakathi kwezwe.

## Inhlendla

Inhlendla imathatha amabili
enye likalinye ngokuthanda
kwenyanga ekhandayo. Amatha-
tha amadlebe ayo aphumise
okwamaphiko enkonjane abeka
emuva, inhloko yaphuma yaya
phambili yabanomsuka ophiselwa-
yo omude ngokulingene nothi lwa-
yo lude. Uma ikugwazile kayi-
buyeli emuva, uma ingabuyise-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/ 118

lwa" umuntu angaze ahlinzwe kusu
ke isicubu esikhulu senyama
sikhathini asinde. Kayihlehliswa
kuphela ukuba umuntu ahlinzwe noma
isingaze iphume ngokusiwa pha-
mbili lokho sekunga ukumqedela
noma ukengakafi.
Isikhali esibi kakhulu siyesabe-
ka, ukungena kwayo iyavula
noma ungawanga ukaleka nayo
ufe isemzimbeni kuwe.
Kukhandwa idlebe langansca-
nye lenziwe libekanzi licijwe
phambili, kukhandwe futhi elin-
ye, lamadlebe azofakwa eziko
kanye nomsuka, asezobila awa-
khande awahlanganise <u>ne</u> kunga-
bonakali ukuthi ihlanganisiwe.
Usezoyincenga kahle eyikhanda
imihlandlana athi ukuyahlukanisa
ithi ukudeda ingabeki phansi
ipetuke kancane, ayiqede

779

K13/118

ayifake emanzini iphole. Kukhona abayesulayo bayilole ngamanzi ~~#~~ enkandelweni lapha kukhona nemilalazi. Izokwesulwa kusuke konke ukukhandwa ngesando kungabe kusabonakala ukushaywa isando, nemisukwa yayo isulwe ize iyogcina la ingena othini. Iphiselwa njengomkhonto icanwe kanjalo nayo. Iphathwa kuyozingelwa ukuze nenyamazane ingabangwa muntu ngoba nala iwele khona nansi inhlendla kuyo iluphawu lomniniyo.

Inhlendla yayiphathwa nemikhonto empini, iqale ukulwa ngezinhlendla iyadumelana bukhoma ngemikhonto nezimbemba izitha sezinamanceba ezinhlendla sezikuzo emzimbeni. ~~omuny~~ omunye abaleke nayo ayowela kude.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 Mhla kuvinjezelwa amadodana ka Jobe inkosi yakwa Mthethwa u Tana no Godongwane, wagwazwa ngenhlendla u Godongwane wabaleka nayo isemhlane waze wayocasha ehlathini lapho wa-ficwa abathezayo. yakhishwa elethelwa ukudla wasinda wadinga waye wafika ekipi la afunda khona ukuphathwa nokukhuzwa kwama butho am-hlophe wabuya esegibele izinjo-mane waseba u Dingiswayo ngoba waye sedingile ~~[illegible]~~, waba-khombisa inxeba lakhe ~~[illegible]~~ lenhlendla wabuthatha ubu-khosi obabushiywe nguyise, afika esafa sekubusa omu-nye.
Kayisavamile ukukhandwa inhlendla kulezizikhathi isikhali esinenxeba elikhulu.
Abanye bayibiza ngokuthi inkonjane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/ 118

## Iklwa

Iklwa umkhonto okuthi isihlangene isibambene ngezandla impi ibagwaze ngamaklwa lapho isibagwaza ~~ku~~khoma, linomsuka liyaphiselwa licanwe othini olubazwe kahle lweklolo, nolomcele neminye imithi uthi lweklwa kalubilude kakhulu luyalingana. Likhandwa libeyikhebe ukudla kwalo kwelulekе kube kukhulu futhi.

Lapho likhandwa lifakwa emlilweni libebomvu liseyinsimbi ligxotshwe kakhulu ngesando lizelibulungane, liqanjwe umsuka ngemuva ngaphambili lisabulungene liseyimbulunga. Ngemuva lenziwa umsuka ukuba lifakwe othini khona lisakhandwa, uthi lomsenge abazobamba ngalo sebelikhipha eziko,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

belikhanda. Libanjwa ngothi lomsenge ngoba lona lunamanzi amaningi lumanzi aluf-ani neminye imithi eshesha ishe uma ifakwa eziko, lona lize liqede lomsebenzi lingakashi. Likhishwa ligxotshelwe phezu kwetshe elikhulu lenabiswe lenziwebanzi. Lishiywa umhlandlana omncane phakathi li-khandwe ngapha emaceleni usa-le umhlandla uzuyophumela phe-zulu, kande-ke nalo seliphelile lifakwe emanzini liphole lesu-lwe emlalazini libemhlophe. Ngokuphela kwalo selocanwa liphiselwe inyanga yalomseben-zi.

Inkosi uShaka wakungqamula ukuciba umkhonto empini kuwo wonke amabutho akhe njengoba kwakwenziwa koDingiswayo kwa-

779 

K13/ 118

Mthethwa nakoZwide inkosi yakwa-
Ndwandwe nakuyise uSenzangakho-
na inkosi ~~yakwaZulu~~ yamaZulu.
Wakufanisa nokulahla isikhali
somuntu nje ngoba kwakuvama
ukuba uCibeke, kodwa ungaqwazi
kelisiko wabona ukuthi kuhle
liphele empini yakhe aseyilungise
kangaka, wawakhombisa ama-
butho ngokuwahlomisa ngomhla-
nga wawaqhatha, wonke uShaka, olunye uhlan-
gothi wathi uShaka aluCibe
kanti olunye luza luqonde pha-
mbili luzogwaza bukhoma.
lelibutho lalingenakunqandwa
masinya langoba wabona
wonke umuntu ukuthi leloSu
linamandla. Kwasukela lapho
ukuba onke amaqhawe akwa-
azulu ahlome iklwa kuphela
ngaleliklwa lokugwaza bukhoma
~~[illegible]~~ empini. ~~[illegible]~~

779



K13/118

~~[illegible]~~
hokho kwenza ukuba yonke impi ibenolaka ilwe ngokuthukuthela okwesabekayo ithi nxa isiyobambana kube ileyo ithi "uyedela wena usulapho," sekuzoba ukuthi ": Ngadla, Ngadla, Ngadla, Ngadla" mina kababa kuphela.

## Isijula

Isijula abanye bathi ingcola siwumkhonto naso sikhandwa njengeklwa nesingqindi sibukhali ndawozombili, ukudla kwaso kufushane, esinye sinomsuka omude esinye sinomsuka omfushane ngokulingeneyo. Umuntu ehamba eyozingela noma eyoqomisa wayephatha isijula.
Naso sinomhlandla ngapha

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

nangapha phakathi uzuyophuma enhla. Sibukhali ngapha nangapha siyaphiselwa othini sicanwe njengemikhonto yonke. Uma sinokudlana okufushane umsuka waso ubamude, uthi lwaso lubalufushane. Nxa sinokudla kwaso kukude umsuka waso mfushane uthi lwaso lubeludana ngokulingene.

Kuzingelwa ngaso enqineni, nasempini siyaphathwa, siyacitshwa impi ikude, baqalwa ngazo besekude, iyonanhlamvu yabantu abayicibayo.

Uma kuhlatshwa inkomo igwazwa ngesijula, ungezwa umnumzane ethi, "Thathani isijula sami lapho endlini ngiyigwaze." Sikhona isijula okuthiwa iwaba ngoba siwaba ndawozombili. Iwaba leli limhlophe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

limnyama nganxanye kolunye uhlangothi, ngakolunye uhlangothi futhi limnyama limhlophe kuthi lapho likhandwa liphambanisiwe. Nxa selikhandiwe seleksulwa, lesulwa ngapha kwelinye icala liyekwe, uphendulwe nangale lesulwa icala libelinye elinye liyekwe. Kwenziwa ngamakomu ukuyeka amanye amacala aloiwaba-ke lelo. Kuthi la kuthiwa letha iwaba, uyokhetha lowomkhonto onjalo phakathi kwemikhonto. Ikhona eminye imikhonto enokudla okukhulu eyenza nenxeba elikhulu, lena ibizwa ngokuthi amakhebe.

Isingindi

Isingindi ummese wabantu bakuqala bengakafiki abelungu.

779

K13/118

Sinomsuka wokusiphisela othini ukuze kubanjwe ngalo. Siyacanwa isinqindi sesiphiselwe othini olubazelwe sona. Sigxotshwa njengemikhonto sibenomhlandla phakathi njengawo futhi.
Sasisetshenziswa ukudla inyama. abanumzane benezinqindi zabo, kanti amakhosikazi nawo anezawo, asika ngazo utshani afule ngazo emasimini ekwindla, adle ngazo inyama enze yonke imisebenzi. Esomnumzane kwakusikwa ngaso amahawu ebaza ngaso zonke izinto ezibazwayo amawisa, izingqwembe, nezinkezo nokunye.
Umnumzane ehamba sasingazasali sasingena emacansini akhe sithwalwe, [illegible], wodla ngaso phambili. Siyalolwa sibebukhali sidabule kalula

779

K13/118

sasihlala sibukhali siyadephula nje. Isingqindi lesi sasifakwa enkohlombeni yaso, njengoba imikhonto nayo inenkohlomba yayo.

## Inkubazana

Inkubazana kwakuyigeja lakuqala lalinomsuka omude libebanzi libesibemba lilolwa libe ubengu nxa kulinywa. Laliphiselelwa emphinini onewisa umphini wawubotshozwa imboko lapha ewiseni, imboko ibotshozwa ngensimbi ecijile eshisayo. Umphini wawuschozwa kwenziwa imiphini yomunga, ngoba umunga kawuvami ukudabuka nokushesha ukuguga.
(Umvangazi) umuthi owawenza imiphini ebaziwe yezimbazo ezinkulu neyamageja, wona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

waziswa ubulukhuni bawo, awap-
huki, awudabuki.

Kwakuligeja lokulima ngemikho-
no, ngabesifazana, ~~[illegible]~~
namakhosikazi, izintombi nam-
antombazana, kwakuphunywa
ekuseni kuyiwe emasimini, kubu-
ywe ngenhlazane kuzophekwa ku-
dliwe kubuyelwe sekobuywa seku-
zophekwa ntambama, kukhiwe
namanzi, nokuhlakula kwaku-
hlakulwa ngalo yibo abesifazana
Kwakuthi hxa kulinywa noma
kuhlakulwa kwethuka kukhala
inkubazana kulesosigodi, kumenye-
zwe kuthiwe "ikhalile inkubaza-
ne akubuywe," nempela kubuy-
we. Kuyenzeka ukuba amageja
ashayane kanti sekuyiso isikh-
athi sokubuya kubuywe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

## Isampotho

Isampotho imbazo encane yokubaza umuntu ehlezi phansi ebaza izingqwembe, nezimboko, siphala izikhumba futhi. Izicamelo zibazwa ngaso isampotho, sasiphiselwa emphinini obazwe wabanewisa sasihlala sibukhali silolwa njalo, umsuka waso wawunjengowegeja lezandla uphiselwa ubusugotshwa ukuze siqine.

## Isikhetho

Isikhetho sokukhetha utshwala ezinkamfeni, sebuthungiwe babekwa phambi kwabanumzane zijenziwa kakhulu nanamuhla ngabantu ezinkulu nezincane zabanumzane. Lezi ezenziwa ngothayela, kusobala ukuthi ziqalwe ukwenziwa ngothayela ngokufika kwabelungu nothayela kulelizwe ngoba wawungekho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

uthayela wawungaziwa, kwakwalukwa izikhetho zelala ~~nawungeounda~~ nezesundu ezis~~t~~elukwa nanamuhla kwabathanda zona. Ezikhandwa ngothayela lona olula ofulela okhakhayini lwezindlu zikathayela zikhandelwa phezu kwesibuku sesigcoko esagawulwa sanqunywa kahle ndawozombili salinganiselwa ukukhandela phezu kwaso.

Kusikwa uthayela ngesikele sokunquma othayela, abe isiyingilizana, lapha esibukwini kwengiwe isigojana esilingene ubukhulu bezikhetho, kukhona ~~ez~~ esezincane nesezikhulu, sagwedwa ngesigwedo sathi ukushona, uthayela ungqunywa ungcangcawathwe ngesando ubekwe phezu kwesibukwana esigojaneni ubuye masinyane ubenendlwana phakathi.

Kusikwe omunye uthayela abe

779 K13/118

uthi abethelelwe kuso ngezipikili
ezishaywa ngapha nangapha zihl-
anganise kuthi ne. Siphela kutha-
thwe isipikilana esilingenezo sibo-
tshozwe izimbotshanyana phakathi
isikhetho izinhlana, ngezinhlana, sizesiphe
le senziwa njalo. sekuyisikhetho.
Zisikwa zibeningi ngelanga
zenziwe zibeningi ~~ngpa~~ ngelanga
Inyanga yazo ihamba inqa-
mula izwe izithwele ithengisa
ngazo, abantu bazithenge uku-
thaphuthaphu abagaya utsh-
wala ngoba zibazinhle ziya-
thandeka ezinye bazibethelela
esinqeni ithayela bawuphele
ubenezinyawana zokuma
kuthi lapho sibekwe phansi singa
thinti umhlabathi, uma singase-
benzi lutho siyahlonywa ezintingw-
eni noma silengiswe ngoba si-
botshozelwa imiboko efakwa umchilo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779

# Ingxotha

Amasongo entamo nawezingalo ethusi ayekhandwa ngabantu nezindondo zokuhlobisa izidiya zomakoti. Inyanga eyayikhanda lamasongo yayaziswa kakhulu. Nanamhlanje asikhona kwabanye abantu amasongo abanzi azibelekeza entamo, ahloba abesifazane. ~~[illegible]~~

Isongo lengalo elalisethenziswa amadoda athile esigodlo senkosi lalibizwa ngokuthi ingxotha, yayiyinde inesisindo futhi yenziwe kahle.

Owayehloba ngayo wayenelungelo lokuvunyelwa inkosi, ayibongeke ngenkabi, naye-ke abuye ayithenge ngenye inkabi kumkhandi wayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Njengoba yayinezikhathi zokuhlotshwa kwayo yayinesithunzi. Yayifakwa kanzima engalweni, noma isikhunyulwa futhi yayikhunyulwa nzima, ngosungulo oluthize. Ithusi leli sengathi lalitholwa kude.

## Umdaka

Kungathi umdaka lisongo lethusi elalaziswa kakhulu elafika nezinye izizwe zasenhla ngasePhuthukezi zalithengisa kubaNguni nakubeSuthu, okwaya ngokuya abakhandi bensimbi kulezizizwe baliguqula bakhanda ingxotha yenkosi nesigodlo sayo.

## Umnaka – ubedu.

Umnaka kwakulisongo lentamo elikhandwe ngethusi, lalihloba amakhosikazi enkosi. Kwezinye izizwe umnaka uzwu-

779 K13/118 2/8

bizwa ngokuthi ubedu nawo ukha-
ndwa ngalo ithusi wawuhloba
abesilisa nabesifazane.
Ngokuqhubeka kwesikhathi abesilisa
bedinwa ukuba kuthi uma libalele
kakhulu ilanga ubedu lufudumale
lushise kakhulu luze luhangule
isikhumba ~~ung~~ bawuyeka okoku-
phela, kwase kuba lisongo eliklo-
ba abesifazane bodwa. Amakhosi-
kazi ahloba ngawo-ke wona ~~eg~~
ewuthandisisa, amadoda anama-
thela emasongweni ezingalo ama-
ncane nalula, ezihlakala nezi-
ngalo.

## Umcibisholo nosungulo.

Umcibisholo wenziwa ngensimbi ilolwe
icije ingabinde kakhulu ifakwe
othini oluncane, eyokuciba izinyoni
namabuzi nezinyamazane, usungulo
lwenziwa ngensimbi encane lufakwe
othini lomuthi, olokucumbuza imbobo
uma kuthungwa isikhumba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

7 219

779 Ukusetshenziswa Kophondo nezinyo.

K13/118

~~[illegible]~~

Kusukela ophondweni lwenkomo kuya ophondweni lwenyamazane yasendle ziningi izinto abantu ababezenza ngophondo, enanamuhla abanye abayizinyanga zokubaza uphondo abasazenzayo. Kuyasikhanyela thina banamuhla ukuthi abantu abadala babecabanga, babehlala babuke into ngamehlo ~~[illegible]~~ beyicabangela umsebenzi othile abangayenza wona basuke bayenze leyonto nempela iphumelele ibeyilokho abakuqondile, sekuzokwazeka ukuthi ubani wasekuthini obaza zonke izinto ezithile ngophondo lwenkomo nolwenyamazane. Ofuna leyonto ayifunayo usebanga kuleyonyanga bala useluthola utho aluhlosile.

779



K13/118

# Umncwado

Baningi abantu banamhla abang-
awazi ukuthi umncwado konje
ngabeyini ~~[illegible]~~
nokuthi wawenziwa ngani, ngoba
bazalelwe empucuzekweni yana-
mhla-nje izinto sezaguqulka
kazafana nezasendulo. Lencwa-
di ngiyiloba ngizama ukuveza
eminye imisebenzi eyayenziwa
ngabadala. ~~[illegible]~~
Umncwado wawubazwa ngophon-
do lwenkomo, lungqunywa phamb-
ili nalo lapha la lungenayo
khona imbobo yesihleza, yileso-
singamu salo azosibaza asenze
umncwado. Eselinqumile ~~[illegible]~~ bakinq-
anyana esilingene ukuphela
umncwado useluqweda ngesiqwe-
do sakhe alulinganise ukunge-
na isithupha, aluqwede lubene-
ndlwana esebona ukulingana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/ 118

kwesithupha abeselubaza, ukulubaza kwakhe uzolucijisa ngaphambili lukeluncane lufane nesibonda somuthi sicijiwe, usezoluchambuza imboko ngosungulo olushisayo ibotokele endlwaneni. [illegible] [illegible] umakhama [illegible] lubotshozelwa ukuba lwamukele [illegible] masinyane lapho encwada. Seluphelile ukubazwa sekungumncwado lowo. Uma umncwado obazwe ngophondo uyisamuku uyahlupha uyansinya. [illegible]

shukiwe kodwa ulukhuni um ungabotshozwa kuphume lesosilwanyakazanyana sesafela

779 K13/118

kwesithupha abeselubaza, ukulukaza kwakhe uzolucijisa ngaphambili lubeluncane lufane nesibonda somuthi sicijiwe, usezoluchambuza imboko ngosungulo olushisayo ibokokele endlwaneni. [illegible] [illegible] [illegible] [illegible] [illegible] [illegible] lubotshozelwa ukuba lwamukele [illegible] masinyane lapho encwada

✓ seluphelile ukubazwa sekungumncwado lowo. Uma umncwado obazwe ngophondo uyisamuku uyahlupha uyamnsinya. [illegible]

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 Umfece wokuncwada 222

Ukwenziwa komncwado womfece
komncwado ungampulwa emahla-
thini emithini womfece, uyalenga
wakhelwa izilwanyakazanyana
ezingangeminwe yesandla.
Ukhiwa usikwe ngaphambili
ubenembobo besekuba umncwado
wokuncwada ngaphambili.
Unjengesikhumba senkomo si-
shukiwe kodwa ulukhuni uthi
ungabotshozwa kuphume leso-
silwanyakazanyana sesafela

K13/118

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

phakathi ngoba ukhiwa sewavuthwa, sizalela kuphume abantwana bodwa sife sona.
Umfece uyagqiza futhi uthungelwa esikhunjeni senkomo sisikwe isweswe, kugqizwe ngawo ezithweni ngenhla kweqakala.
Uyamenza umuntu athande ukuhamba kahle nangamandla ngoba uyakhala phansi.

Umuntu ofake umfece uyathanda ukuvuka usinga akeligagu athande ukusina, nokuhamba kwakhe ewugqizile uhamba njalo angathandi ukuhlala ndawonye ngoba uyakhala umenzela inkwahla enhle.
Inkwahla le ikhalisa, izwakalise okwamasotsha ehamba ngezinyawolunye, izinyawo zisuka kanyekanye ithi ha! ha! ha! ha! ha! Noma umuntu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

ehlezi endlini enganakile, usukuma asheshe alunguze ambeke lomuntu odlulayo, ngoba kuzwakala kuthi, ha! ha! ha! ha! ha!
Oggizile usehamba enyathela kakhulu aqinise impela nemilenze, ubone nje ukuthi wahamba loyamuntu umbeke azayosithela laphaya, kulo kuthe ha! ha! ha! ha! ha!
Uthungelwa ngamafosi ubeke phezulu ukuze ukhale kakhulu. Uggiza omakoti besina nezintombi nezinsizwa. Umuntu ongenawo uhamba ewubolekea eya emsindweni.
Sekusinwa kuzwakale kukhala ukuwahlawahla boomfece.

Inkamanga

Inkamanga umncwado owelu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

kwa ngelala nangekhwane, nange-
thembu. Enye yenziwa ngezinhl-
-amvu zelala zikhiwa zischozwe
zifakwe isigwedo zigwedwe
ngesigwedo phakathi zenziwe
inkamanga.
Ukwelukwa kwayo, kuthathwa
imicu eklayiwe yelala icwi-
lwe emanzini ithambe, ibisithi-
wa nki. nkli ukuboshwa ngozi
oseluphothiwe lwayintanjana.
Kubazwa uthi, imicu yelala ezun-
geza lona iboshwe ngozi bese kucucua
niswa imicu yelala kube isigujana.
Okunye kuqalwa ngokwelukelwa
ngaphakathi kube nembotshana
encane, lokhu okungafakelwanga
uthi, kuthi sekuzophela kulingani-
selwe esithupheni (esithusheni) sesa-
ndla kufakwe uzana olubijiwe
okuzophethelwa kulona. Isiphe-
thwa phezulu, ukuphela kwayo

779

K13/118

lokho. Eyethembu neyekhwane yelukwa ngayolendlela, kusekususeni la isuswa ngokususwa kodwa kungehluki kakhulu, ekuphetheni iyafana.

Uphondo lokutha

Lapho kwenziwa uphondo lokutha kubazwa uphondo lwenkomo lulungiswe kahle kushiswa usungulo eziko lubotshozwe. Kunqunywa kancane phambili lubazwe kahle. Sekuchunjuzwa imbobo, luphehlwe ~~ngomaka~~ ngothi lwesingindi lucijile kwandiswa imbobo ukuze umuthi ungene nxa kuchathwa. Luncwelwa kahle ngenhla la lunqunywe khona lwalinganiswa amathamo omuthi wokuchatha. Omunye uqala ngokulufudumeza eziko luthambe alunqumele eduze nendlu yesihleza, kodwa angazafika la sigcine khona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Isihleza ithambo lophondo elinga-
phakathi okubongcuka kulo uph-
ondo. Kubotshozwa imbobo luka-
zwe selubobokile, sekuba luphondo
lokuchatha uma umuntu equmb-
ile esiswini; noma ephethwe isisu
nanxa ~~ephethwe isiqondo; noma~~
kubuhlungu iqolo, noma enesila-
lo sokwenyela nokwephuka eqolo.
Kwenzelwa imithi engaphuzwa
ngaphezulu, ukuze ingene ngaph-
ansi iphume khona ngaphansi.
Owesifazane enzima-ekhulelwe
uyachatha ngalo ngemithi
elula, elungele ukuchatha
ngayo. Yonke imizi inophondo
indoda inophondo lwayo nom-
fazi unophondo lwakhe. ~~noma~~
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~
~~[illegible]~~ Abafana ba-
chatha ngolukayise, amantomb-

779 K13/118

azana achatha ngolukanina. Zilondolozwa ngokuhlonywa ezintungweni zendlu.

## Uphondo lokulumeka.

Uphondo lokulumeka lwenziwa ngophondo lwenkomo; loluphondo lunqunywa kakhulu ngalalukhulu ngakhona, lunqunywe nangaphambili kancane lubotshozwe lugujisiswe. Lubazwa ngobunono ngaphandle luxhozwe ngesinqindi, seluphelile lubalukhle. Embotshaneni encane lunanyathiselwa inomfi, inomfi le iyazisiswa abafana bona bethiya ngayo izinyoni ebusika bayayikha emahlazeni imilile phezu kwezihlahla ezinkulu zeminga, isihlahlana sayo sithela izinhlamvana zayo eziningi, ikhiwa ekwindla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

isivuthiwe, iyahlutshwa ngamazinyo bayifake emlonyeni bakhafule izinhlamvu zayo, yenziwa nje ize ibesigaxa emlonyeni, bayafika emanzini bayayigeza bayifake ezigujaneni zoseluwa ezincane, abazibobosela bona abafana sezomile, bezicosha emahlangeni. Abanye bayayigcwalisa kuzo nxa ininingi ukuthela kwayo ehlanzeni. Abasezinkangala bayaya ehlanzeni ngesikhathi sayo behlomile bayikhe babuye nayo. Abanye bayayithengisa ngezigujana bathole imali encane. Icupha izinyoni ezihlahleni nasemazibukweni emifula lapho ziphuza khona, nasemihlangeni nezithala la zilala khona izintaka. Namhlanje iyathandeka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngoba uma ikhiwe ~~ya~~ ngothi olude lwamiswa endlini endaweni ejwayelwe izimpukane zihlala kulo zibajiwe ngezinyawana nangezimpikwana zife zinciphe. Inomfi umsebenzi osetshenzwa abafana abelusa izinkomo.

Inanyathelisiwa ophondweni lokulumeka ngala umuntu elufaka emlonyeni nxa elumeka omunye. Ihlala khona njalo kuthi uma kulunyekwa ichunjuzwe ngothi. Kusikwa inceba ngengcabo kuthotshwe ngamanzi amthuku afudumelelyo, lubekwe khona inxeba libephakathi, olumekayo aludonse ngomlomo, athi ngci ngamaziyo, avale imboko aluyeke lumile khona luqine nko.

Inomfi iyona edonsa igazi uma selugcwele uyaluzwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



olunyekwayo seluxega asho.
Umlumeki aluvule, imboko, kala alufice lugcwele igazi eliyihlule.
Eceleni sekukekwe isinde lokulongwe lenziwa isikayana khona kuzothelwa kulo igazi.
Eseqedile, isinde uzoyolibuca emfuleni limuke hamanzi mhlaumbe umkhuhlane ungasulabalale sisinde isiguli.
Kulunyekwa umuntu ogulisiwa ikhanda, noma onesiboko, nxa umuntu ephukile uqala ngokulunyekwa anduka ahlatshelwe ngomhlabelo, noma umuntu elunywe inyoka, walunyekwa inxeba masinyane ngasolesosikhathi, lingakakhuphukeli enhliziyweni igweku lesihlungu senyoka, ziyafika nje izihlungu zokukhothwa nokugcatshwa uselunyekiwe uyasinda lowomuntu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Nanxa umuntu engasalali egaganjelwa umhlathi - izinyo uyalunyekwa nempela ezwe selibangcono abulale ubuthongo kanti bekuze kuse engqwathaze amehlo limhloma ngapha nangapha sekuze kwabuhlungu nemithambo enyukela ekhanda.

~~[illegible]~~ Akusibo bonke abantu abalumekayo kuya ngabantu abathile nabo okungomunye wemisebenzi yabo nolwazi lwabo ekwelapheni nasekusizeni ogujukelwe isifo kungalindelwe. Omunye agule bonke ubusuku angazalala, avuke asho ikhanda bala alunyekwe. Izingozi zabantu abazishaywa abanye belwa zihlala zihlale zivuke uma zingahlahlwanga nalapho umuntu uyalunyekwa.

779

K13/118

# Imbungu

Imbungu luphondo lokushaywa ngomlomo ngezikhathi ezithile, lushaywa izinsizwa zihamba nezintombi, loluphondo lubazwa ngaluphondo lwenkomo enkulu; olwenkabi enkulu engumagengenene, engumasananananda enkabi. Lunqunywa kancane phambili esihlokweni lubotshozwe imboko luncwelwe kahle ngesinqindi phezulu. Alubazwa kodwa luyalolongwa kakhulu ngokuphalwa lucwilisiwe emanzini lwathamba. Uphondo luyathamba uma lucwiliswa emanzini, kanti futhi ukulufusa eziko kuyaluthambisa, njengoba nezingodo nezintungo ziyafuswa ezibini zomlilo uma umuntu ezigoba noma ~~eth~~

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ethanda ukuzelula. Imbungu iyabethwa uma kusinwa indlamu, izwakale ikhala ithi bu! bu! bu! bu! bu! kube kuhle kakhulu khona uma kushaywa nesigubu naso sesithi dum! dum! dum! turu! tu! dum! Izinsizwa lapho zivuke izinhlanya sezisina. Sekukhala nemifece, kuzwakale sekuthi khahla! khahla! khahla!
Imbungu ibithi bu! bu! bu! bu! bu! Isigubu sibe sithi dum! dum! dum! turu-tu-dum!
Izinsizwa zihamba zijosina ziqhamuka phezulu esikhaleni sentaba zayibetha imbungu izwakala kude phansi ezigodini isho. Ibethwa ngala incane ngakhona, uma kuhanjwa igaxwa ehlombe ngesihibe sefosi, inakabethi bayo abaziwayo ekuyibetheni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

## Isivilika

Isivilika isiqhaza esifakwa endlebeni yomuntu okhaklile, sona-ke sibazwa ngophondo lwenkomo ngoba ezinye izinto ~~zibazwa ngokanye~~ ezibazelwa indlebe zibazwa ngokunye. Kunqunywa uphondo lwenkomo lubazwe la lungenambobo khona. ~~k~~ lwenziwe isondo, inkloko yalo ibeyindingilizi, into eyisiyingi. Kuqoshwe kwenziwe igingci ukuze singene endlebeni, kuthi ngaphambili siphume ingonywana, inklokwana icije phambili sifane nokhakhayi lwendlu enamabalelo ahlangana phezulu. Sesibaziwe sesulwe kahle sifakwe endlebeni umuntu ahlobe ngaso.

## Ishaza

Ishaza isiqhaza esimhlophe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ukumhlophe kubizwa ukuba liba-
zwa ngezinyo lendlovu nangezin-
yo lemvubu. Libaziswa okwesivi-
liba sophondo kodwa lona libali-
khulu libebanzi, induku yalo
engena endlebeni ilingana
indlebe yomuntu, kubebanzi ikh-
anda, bonke nje bayalifaka
ishaza alikhethele muntu ingqoko
umuntu okhlakhlile.

Isigqobela

Isigqobela ishungu, idlelo logwaiji
elibazwa ngezinyo lendlovu
lalilengiswa entanyeni ngentambo
ephothiwe yosinga, ephothwe ya-
namafinjwana amancane. Izinyo
lemvubu lalisenza isigqobela,
umbazi wayesibaza nangezin-
yo lemvubu, esinye asibaze sibe
nezinyawo sime. Kwakukhandwa
insimbi eyisibebana, okuphehlwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ngayo indlwana yogwayi izinyo
laliswiliswa emanzini, kuthi nanga-
kusasa inyanga ivukele kulo, ithi
nca ilukaza noma iluqweda lutha-
~~ndaba~~ nde ukugumuzeka kalula
ngoba lulale emanzini. Enye
insimbi eyayenziwa kwakungeyo-
kuqweda ngaphakathi, kugunjwe,
kugunjwe soze silunge silo senzi-
wa njalo, sigweda yona indlwana
yogwayi. Phezulu ngaphandle ~~se~~
eceleni kwakwenziwa indawana
elugedlana, ebotshozelwa imboko
eyayiphehlwa yokungena umba
okunguyona ntambo yokulengi-
sa idlelo entanyeni.
Zazingavamile kakhulu iziqqo-
bela, futhi kwakungamadlelo
abanumzane, hayi bonke nje
abantu abangebanumzana.
Uhlonzi lwaso lwalubaluncane
ukuze sibelula lapho silengisiwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

# Isiqhaza

Ingane iyayikhula ithi nxa isi-
ngumfana osefanele ukwalusa bese
kufunwa umuntu okwaziyo ukukla-
kla indlebe ongenabo ubuhlungu,
ayiklaklе ~~indel~~ indlebe, ayibobose
ngesinqindi esincane, afake isiqha-
za esenziwe ngokunquma uhla-
ngana lombila, noma olonogaba
wekele. Igazi lalopha omunye
akhale omunye angakhali, kod
wa uklaklwa ebanjiwe ukuze
indlebe ingadabuki, ayekwe
eseklakliwe zombili izindlebe.
Njalo ngakusasa ekuseni wayege
zwa ngamanzi abuthukuthuku
kancane, omgezayo wayemba isi-
qu sesiqungwa asihlafune, ang-
amgeza amphephethe ngaso.
Unogaba unqunywa ukumfushana
ufakwe ngalolelolanga mhla
indlebe iklaklwayo. Izingane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ezinningi ziyabaleka ziqede izwe ngokwesaba zazisukelwa zize zibanjwe. Inyanga yokuklakla yayisika iqondise ithi kle! kle! kuze kubobboke qede ifake uhlanga, yayiziklaklela nje noba zibeningi langalinye, ngoba izi[illegible]ndlebe zithambile, kungathandeki zize ziqine. Kuthi kungaphola unogaba aphume lula kubonye kufakwe olunye uhlanga.

Isiqhaza siyenziwa ngomhlanga omkhulu ovulekile phakathi, uvama ukufakwa izintombi nezinye izinsizwa, unqunywe ubemude, izinsizwa zivama ukufaka izishaza. Sekwandile ukufaka iziqhaza ezenziwe ngesifutho sebayisikili, sinqunywe kahle, sinembobo phakathi simnyama, esinye siyalotshwa sihlotshiswe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

770

240

K13/118

# Intshengula

Intshengula ithi ayimise okokhezwana oluhle oluncane, yona eyokubema ~~[illegible]~~ ugwayi wamakhala ogayiwe wayimpuphu. Yenziwa ngophondo lwenkomo, luyanqunywa lulinganiselwe ukuphela intshengula lubazwe qede lugwedwe umlomo lube ukhezwana, kube iyona ntshengula-ke isigwedwe yaphela. Enye iyenziwa ngethambo likagalo wenkomo esanda kuhlatshwa, nale ibazwa kanjalo. Enye yayibazwa ngophondo kuthi phakathi ishiywe iginxi ibazwe yenziwe izimfologwana nobazimbili zicije, wobema ngayo umuntu ayicwaneke ezinwaleni, nezinsizwa ezibema ugwayi zaziyifaka ngoba inhle, ilotshwe iqakaqwe ngento ethile emnyama.

Amadoda amakhulu asekh-

779

K13/118

ulile abema ngentshengula, nxa eyibekile ayifake embotsheni yendlebe, ngoba abadala bazjazikhumula izivilibo namashaza abanye. Ikhehla elinesicoco libema lithi du liyihlome esicocweni ngaphansi kogondo, ezinye zifakwa embalukweni yesikhumba sikasamu. Ungafumanisa abanumzane behlezi phansi bechathazelana ugwayi behosha izintshengula zabo phansi kogondo bekha ugwayi esandleni bewubema ngazo, bengabantu abanamile bethokoza. Ivame kubo abanumzane abadala enye yezinto zamadoda intshengula. Inyanga ebaza izintshengula ngumuntu oyinono kakhulu obaza ngobunono. Ezibazwa ngophondo zibambala ufana nalo, ezethambo zibamhlophe.

779

K13/118

Igudu

Igudu uphondo lokubema insangu insangu umuthi omila ubeziklaklaa ezikhulile eziluhlaza, ezinamakhasi amaningi, zithela kakkulu imbewu eningi, iyona evunwayo yenekwe, ilungiswe ukuze itshalwe futhi, amakhasi ayo ayavunwa alungiswe; enziwa imifunzo eboshwa ngezihlandla njengogwayi, uvuthwa ube namaqakatha, uvunwa lomuthi usuvuthiwe womiswe, ufafazwe ngamanzi uboshwe, ubekwe endlini ~~ug~~ uyimifunzo yensangu.

Igudu lenziwa ngophondo lwenkomo nangolo mganhla, luyabazwa lubelude ngaphambili nangemuva, kubotshozwe imboko eceleni ibencane, kulemboko kufakwa umhlanga ongangomunwe ophakathi, kufakwa imbiza

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kulomhlanga, imbiza ibazwa ngetshe lokhethe, lelitshe liyagujwa libotshozwe imbotshana phansi ezokwamukelana nemboboyomhlanga onembobo nawo, uvumelana nembobo yophondo oluthelwa amanzi phezulu emlonyeni walo nxa sekubenywa. Imbiza iyona okucotshelelwa kuyo insangu ethungelwa ngelahle uma yokhelwa. Ngapha kophondo kubobozwa enye imbobo yokuhogela. Uphondo seluwenziwe kanje sekuyigudu lokubema njalo.

Sekufuneka intshumo yona-ke umuthi omilile nje wodwa, uyanqunywa, unesigaxa esikhulu phansi, kwalukwa isimpompo sokubopha izintshumo nxa umuntu ehamba eliphethe igudu lakhe eyolibemela kwabanye okuthiwa kuyoliwa eyamathe.

779

K13/118

Lomuthi umila ugaxele kweminye
emahlathini, utshumo olutshuma-
yo kuthiwa futhi ingwevu,
luyenziwa nangesitelekana
nangomhlanga onembobo pha-
kathi.

Izinsizwa zilibemela emalawini
amadoda alibemele ezindlini
zawo. Lapho kubenywa ayathel-
wa amanzi ophondweni lwegudu
kubekhona amanye ahlezi ngesi-
tsha, alokhu umuntu ewaphuza
kancane, athi esemlonyeni aho-
gele intuthu, abeme qede atshu-
mele phansi ngomhlanga, oku-
ngukuthi nje abe lokhu
enze njalo, ajone, aphuze ama-
nzi awamumathe ahole intuthu
yegudu ewamumethe, awakhiphele
emjonweni ajone kuphume ama-
gwebu amhlophe nentuthu, kathi
kubanga amathe amahle uku-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 tshuma ~~an~~ kufakwe injuye
engugwayana, yenza ingweku
nxa ifakwe emanzini egudu
okujonwa ngawo, kwenzelwa
ukuba amathe abemahle
angaphumi ngokuhlupheka
umuntu esetshuma.

Kubenywa kubongelwa njalo,
athi "Liyantoloza - wowa -
wowa - wowa" esekhwehlela
etshuma belu.

Nxa beyobema ndawonye bah.
Elala endlini babesiyingi bayico-
bele babeme bakhe imizi yabo,
phansi, yakhiwa qede kuhla-
selwane ngawo amathe ukuba
bangaze bacishu #kuxabana
khona lapho ngakho ukubema
lokho. Iyathengiswa insangu ngoku-
ngemthetho bathole imali eningi
uma bebanjiwe uhulumeni babo-
shwe nzima ngoba umthetho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

wezwe sewayenqaba ngobubi bayo, insangu iyasanganisa ingqondo yomuntu oyibemayo.

## Umtshitsho

Umtshitsho kushiwo uphondo lwephithi olubazwayo lugudwe ngaphakathi lubotshozwe imbotshana phezulu selunqunyewe kahle lufakwe intanjana. lulengiswe entanyeni lugondane nesigodi senhliziyo, ~~lin~~ luqatshelwe kahle ngobuhlalu ifosi lalo. Kuloluphondo umuntu ufaka umuthi wokubema uma ethuka evukwa yikhanda, noma isihlungu sokugcaba nokukhotha uma umuntu elunywa inyoka ehamba. Umuthi wokuziphuthuma nokuzivikela Baningi abantu abalufakayo loluphondo okuthiwa umtshitsho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

# Izimpondo zemithi

Izimpondo ezifaka imithi yezinyanga zokwelapha neyezinsizwa nakanye izimpondo zembuzi, nenkomo, nonkonka nomziki, nempunzi, nenxala, nephithi, neqhina, newula, nempofu nomgankla nezezinye izinyamazane ezinezimpondo.

Lezimpondo zifaka yonke imithi izinhlobonhlobo, umuthi oyimpuphu, oyinsizi, owokuncinda, owokubema, owokugcaba, owokuvuthela, umphuphuthe, owomeqo umbulelo, eyokugqaba, eyokukhothwa eyokuphosa, ~~[illegible]~~ nezihlungu. Izihlungu zijathanda ukuhlaliswa ophondweni lukankonka. Imizwe~~z~~we yeqhude iyabonculwa ifake imithi, ethakiwe nezigqabo, engamafutha asethakiwe nangathakiwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Imithi esezimpondweni iwalwa ngezihloko zamaqobe-amahleza ombila, nangomhlanga, nohlanga noma kubazwe isivinjwana somuthi, ziyagudwa ngaphakathi.

Uphondo lwemvu lufaka imithi yokubethelela izulu, amafutha emvu nesikhumba sayo ayakethela, loluphondo luhlala emsamu lwaziwe akantu bonke abadala ekhaya, kuthi ehlobo lwehliswe luhlonywe emgqadini phezu komnyango ngoba sekuthwese izulu. Ukuhlala emnyango kwenzelwa ukuthi noma kungekho muntu ekhaya kanti lihlomile liyaduma unyazi lungangeni luqonde emsamu, kodwa luphelele emnyango.

Uma lethuke liduma kanti akakho umnininimphathi walo abakhona bayaluqqaba baluke-

779 K13/118

ke emnyango kanye nesigqiki sakhe ahlala kulo.
Isivimbo-ke lesi sezulu ukuze kuthi umbani ungamuke phandle emnyango. Uma esekhaya unenza anenze athungisele ahlale emnyango nezigqu zakhe nalo uphondo lolu.

Izinduku zophondo.
Zikhona izimpondo abantu akenza ngazo izinduku emazweni asenezinyamazane zasendle nanamhla lokhu, nakuqala kwakungumsebenzi wabantu bengakafiki abamhlophe kulelizwe. Ukubazwa kwezimpondo ziyakhwekhlwa ngesingqindi ummese wakuqala, ziphalwe zihlikihlwe ngomquba owomileyo wesibaya sezinkomo. Uma kungolokufakelwa endu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

kwini yomuthi esibaziwe yaphela lufakwe ngaphansi nangaphezulu isikhanjana sibazwe kahle sahlotshiswa, mhlaumbe senziwe ingqukuqana yalo uphondo, lungeniswa endukwini ngokuqina. Selungene lwaqina iboshwe ngedweshu lesikhumba ithiwe nko khona izohlangana nophondo, olunye lubazwa lufane nesondo lenyamazane kantic lubaziwe, luphiselwe endukwini ngenhla, luboshwe sosuswa isikhumba uphondo selwahlangana nenduku nko, olunye lugotshwe kube induku yokuphathwa abanumzane. Kokunye inyamazane enophondo olude, luyelulwa lufusiwe eziko lwathamba, luphalwe lulolongwe lulunge, kubazwe olunye oluzoba isikhanj-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

77..

K13/118

ana phezulu, lwenziwe imbulu
ngana, luthi olwangaphansi
ukunqunywa kancane emaze-
ngeni esiqu salo, soluzofakelwa
lolu lwangenhla, lona okelunqu-
nyelwe ngaphansi la lungena-
mboko ngakhona. Ngokuhlanga-
niswa kugine, kuboshwe nge-
swesiwe laso isikhumba kuze
kuhlangane ne, kuyathuku-
lulwa ~~#~~ sekuyinduku ephath-
wayo. Ziyathandeka izindu-
ku zophondo kakhulu, zinem-
ali, abelungu kabazibeki
bazithenga ubuthaphutha-
phu ngemali enhle umuntu
eke wafika nazo ezithengi-
sa kade ezibaza.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# Ukusetshenziswa Kwethambo.

~~Amathambo~~

K13/118

Abantu babebuka amathambo esilwane bacabange basikume bawalumbe benze into ethile ngawo.

## Uphephela

Uphephela lubazwa lube luhle ngobambo lwenkomo, lubazwa lube isiscenjana esibanzi, luphele lucanwe ngeshoba elimnyama kunqunywe ngelimhlophe isigatshana isigatshana kuze lapho kuzohlonywa khona ezinweleni. Singathi ilona-duku labantu lokwesula ~~izithukn~~ izithukuthuku uma umuntu ehamba esejulukile ngoba kugululwa ngalo izithukuthuku ebusweni azichithele phansi.

Uphephela futhi lwenziwa ngethambo lembuzi likagalo lingaphu- lwa

ukuthi ~~phakatho~~ phoqo, kuthathwa ummese
selomile luluhle lucandwe pha-
kathi ngawo luklayeke. Lubazwa
ngommese luze luphele kufunwe
itshe lechoba likhuhlwe ngalo
kahle libelincane, lingaphela
ukukhuhlwa ngechoba lube selu-
phelile uphephela. Umnumzane
uzolufaka ngaphakathi kongiyane
wesicoco nangaphandle nje
aluthi cwasha ahlobe ngalo
lo luyimbemba. Kuzothi nanxa
elunywa ezinweleni ezathungwa
kanye noqondo azenwaye ~~nga~~ nga-
lo. Abanye balubiza ngokuthi
imbangula.

Inkafu
Inkafu ibazwa ngethambo nayo,
ibaziswe okokhezwana oluncane,
yande ngasothini, iyahlonywa
ezinweleni amadoda, eyokucwa

779

K13/118

la nokushonisa izinwele ngapha-
nsi kukangiyane wezicoco zama-
khehla.

## Izinzenga

Izinzenga ameva amilile emzim-
beni wonke wenyamazane ebizwa
ngokuthi ingungumbane. Lenyama-
zane ithi ingabona umuntu noma
inja ikhukhumale ikhanda ili-
shonise phansi kuvuke izinzenga
zayo zime zibesihlonti, zibesi-
hlomololo, inja ngeke iyikhwele-
le ngisho umuntu uze ayingqobe
ngewisa. Ibodla sengathi ink-
ulu kanti icishu ukubangange-
ngulube encane. Ihlala emgo-
dini wesambane naphansi
kwamawa ~~naphansi kwasa~~ naso-
khalweni la kukhona umngodi
wesambane, kodwa ayihlalahla-
li ematsheni amaningi ngoba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

kunganqundeka izinzenga zayo.
Ihlinzwa kunquntwe izinzenga
kosiwe isikhumba simnandi.
Izinzenga ziyashiswa ngoba zi-
ngahlaba abantu zingameva
kushiywe ezibekelwa imithi.
Uma umuntu egulisiwa izibo-
bo zifakwa odengezini olunomuthi
ozoncindwa isiguli, sincinde ziph-
akathi. Izinyanga zithwebula
ogulayo ngeva layo ingungu-
mbane futhi. Uma umuntu
egulisiwa intamo ziyamsiga
uma zinqunyiwe zathungelwa
entanjeni zazungeza intamo kube
sakuhloba kanti kwenzelwe isifo.
Iyadliwa inyama yayo imna-
ndi, ameva ayo mahle ekuhlo-
beni ayahlonywa athiwe qhwa-
sha ~~[illegible]~~ lana amancane esi-
dunu esisila la kukhona ama-
ncane amhlophe amahle, kanti

amakhulu angamangqangasi iwona asiza ogulisiwa intamo, anombala onokumhlophe nokumnyama ayachonywa ezinweleni zamadoda zihlobe ngawo noma ngalinye noma ngamabili, nanko-ke umsebenzi owenziwa ngezinzenga zengungumbane.

---

Amathambo okubula.

Amathambo okubula akuvamile ukuwagagula ngegama lawo angase athi umuntu, "Ngisayofuna indlela," omunye athi, "Usayoyifuna kubani?" athi yena, "Kubani ngoba uzifundile kakhulu izimpemvu, uyazidlala kakhulu zona." Izimpemvu lezi-ke ziphathwa izinyanga zokwelapha ezelapha izifo zibezikwazi nokubula zishaye amathambo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Izimpemvu zisetshenziselwa yonke
into edida umqondo okufuneka
yazeke iqondakale ukuma kwayo.
Inyanga iyaphenya ukuqambeka
kwesifo nokuthi singakhishwa
ngamiphi imithi enokusetshenziswa
ukuze umuntu ogulayo aphile; iya-
bula futhi uma umuntu efikile
ethanda ukwazi ngomhlolo othile
omehlele noma ngowaluphi uhlobo.
Izimpemvu lezi zihlala embaluk-
weni yazo zodwa yesikhumba se-
mvukuzane umshoshaphansi noma
kwesenyengelezi.
Ithambo lawo lokuqala elivule-
la amathambo ukuba abule okwa-
kulandwa lona elwandle amagqob-
olondo ezimbadi abemathathu noma
aze abemahlanu; ahlakaniphisa
amathambo ayilanga lawo ay-
awakhanyisela. Kulandwe itshe
elincane lasemanzini ommfula

K13/118

omkhulu. Kufunwe amathambo ezilwane nezinyamazane eziningi, kufunwe kwawezimbuzi akhishwa kwawamangina ezihlakaleni nasevini le[n]dololwane yembuzi, emangineni emkhono nasemangineni emlenze. Kuthathwa ithambo lembuzi ehlatshelwa ukubonga, kuthathwe elembuzi engabongile; kuthathwe elembuzi ezifele yahlinzwa. Kuthathwa embuzini noma makili. Ezinyamazaneni kuthathwa ithambo lephithi libelinye lomkhono wesandla sokuphosa, lithathelwa lona ukubonisa into efihliwe noma ecashile ekweneni ngoba iphithi inyamazane engaphumi ehlathini ezithukusayo, nenja engalazi iyasebenza ukuze ilibambe. Kufunwe ithambo lengwe, inyamazane enolaka, khona indaba yenyanga ezipheyayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 izohamba kahle ivuleke ngoba aphethwe inyamazane enolaka.
Uma inyanga isibula izowaqembula phakathi – elinye iqembu lifake ithambo lengwe phakathi, elinye iqembu lifake ithambo lembube phakathi ukuze lamathambo ahambe kahle uma ibula ifuna indaba ngoba nembube inyamazane ethukuthelayo njengengwe, kakhulu uma isicanukile.
Kuthathwa ithambo lomkhono wesandla sokuphonsa kunkonka, kuthathwe kanjalo nakwawembabala, kuthathwe elensimba kanjalo. Kuthathwa ithambo leqaqa elithathelwa ukubula into esibolile esinuka lithukuthele ukuthi lomuntu uzofuna into esinuka, ngoba iqaqa isilwane esinephunga elibi.
Kuthathwe ithambo lomvuzi inyamazane ekwazi ukweba izinkuku

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

namaqanda, lithathelwa ukuvega isela elibayo elifunwa ozobula. Elikankonka nelembabala afakelwa ukuba achaze nsea kubulwa ukuthi into ebulwayo ingabe mhlaumbe iganene yini - noma indoda nomfazi, noma isilwane senduna nesensikazi yini; ngoba lezizinyamazane kazivamile ukwehlukana.

Kuthathwe ithambo lemvukuzane yona ehamba phansi kwenhlabathi inesulubezi lokungabonwabonwa ngaphandle, lizoveza into engene ngaphakathi ingasayikuphuma kalula, esingasetshenzwa kumiwe ngezinyawo zombili ngakho konke ukwazi nokuhlakanipha. Kuthathwe elenyengelezi, lihambisa into enhle emhlophe, kodwa kungabilula ukuyibona ngoba inyengelezi

779 le ayibonwabonwa ihlala emgodini
wesambane, umuntu okewayibona
usuke enenhlanhla; uma ibulewe
isiwa komkhulu, umuntu uthola
icala eyibulele akazayisa
enkosini.

Kwawezimbuzi, kuthathwa ithambo
lesiphongwana esingakabebi noma
ngabe sesibeba kodwa singakaki
namsebenzi libelinye, kuthathwe
elesibuzikazi - isibuzazana
noma sesimithi liyalunga.
Kuthathwe elempongo endala,
Elempongwana lichaza okwens-
izwa, elesibuzazana lichaza
okwentombi uma kungakhona
okubulwa ngabo. Elempongo
lichaza owesilisa omdala, elem-
buzikazi endala lichaza owesi-
fazane osemdala.

Kuthathwe ithambo lesingci,
elesingci lichaza inja uma ifu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

nwa ngoba noma liphakathi kuwo elenja alikwazi ukuzichazalizivele obala liyazifihla khona phakathi kwawo.

Kuthathwe ithambo lemfene, lona lichaza umuntu ohamba ebusuku ethakatha - umthakathi ohamba ebusuku kulomuzi ozobula, lichaza futhi umkhovu nxa umthakathi ethakatha ngemikhovu yakhe, uma-ke lichaza umkhovu liyema lapho inyanga iwashaya ibula. Elenja lichaza imfene ehamba ekhaya, nalo ashaywa lime, kala ukhona-ke umhlolo wemfene ohamba lapha ekhaya elizobula.

Inyanga ephatha amathambo iyona eyazigo ukuthi njengoba emi kanje amathambo, elokuthi nelokuthi lichaza ukuthi nokuthi,

Kuthathwe ithambo lekati elizochaza izilwane ezinca-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ne njengempaka, kuthathwe ele-
qhude lenkuku elichaza umun-
tu ofuna amakhambi okwelapha
nomunye noma ufuna umuthi
wezintombi, ngoba iqhude liya-
khala, futhi umuntu uma enza
umuthi wokulalwa bakhe uya-
lihlaba athathe izinto zalo
azaziyo aziphose phakathi kwa-
bo ngokuthanda kwakhe, iqh-
ude liyithongwane lokulawu
okushelwa ngabo.

Insizwa uma yeshela into-
mbi yalumba uhlamvu lommbi-
la yaluphosa ebaleni kobontom-
bi lacoshwa iqhude lakhona-
lokhala qede ebaleni intombi
ishaywe uvalo iyicabange. Ka-
yizu ukuyithanda inani iyi-
lumbe ngeqhude lakwabo nje?
Ithambo lesikhukhukazi, isekela
elisekela eleqhude.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Itshe leli lasemmfuleni lihlawula amaggobolondo athathwe elwandle athathwe kude azozeka izindaba kude ahamba enqamula imifula, azafike. Asefika-ke kulo lasemmfuleni omkhulu nje obanga umsindo ngoba lithathwa la ubanga khona umsindo uhuba uthi ha, ha, ha, kuthathwe elimnyama elincane, kanti kulommfula kukhona iziziba eduze. Ilona eselizozeka izindaba nalawa asolwandle amaggobolondo.

Kuthathwe ithambo lengulube elichaza umuntu osuke ezokwethwasa abe isanusi. Elembuzi yokubonga lichaza umuntu nxa egulisiwa amathongo - amadlozi efuna ukuba kwenziwe into ethile. Kungena namanye nje amaningi nelendlulamithi liyafakwa nelikabejane liphakathi kwawo.

779

K13/118

Elegogo liyatholakala kwabanye abanamathambo okubula, elesiphisane liyaqabukela, elempisi baqabuka benalo. Amanye amathambo angatholakali kalula elexhanti, elempundulu inyoni yezulu, ixhanti inyoka yabafazi, nelikatikoloshe, elesingawungqawu nelomkhovu, kodwa bakhona abathi bona banawo, elesidawana kabanalo nempela ngoba kunzima ukuthola lawa.

Inyanga iwahlanganisa qede iwafake ezinsisheni zotshwala obugayiwe ifake impepho phakathi, ahlale kuzo utshwala lobo buphuzwe buze buphele nya esephakathi ezinsisheni.

Utikoloshe bathi indoda emfushane ehlala emanzini kayibonwa ngabadala kuthiwa ibonwa izingane

779

K13/118

ezisencane, bayikhulumela izinto
eziningi abayaziyo ukukhona bayo
Isinqawunqawu inyamazane enca-
ne emhlophe abathi ihamba no-
mniniyo umthakathi ehamba
ethakatha ngayo ngezindlela
ezithile engingenakuziqeda ku-
lencwadi ngoba ngiqondene
nemisebenzi, ~~[illegible]~~ lezozinda-
ba zingabuye zibekelwe elazo isu.
Umkhovu bathi umantindane
kuvuswa umuntu ofile ngumtha-
kathi okunguyena amenza ukuba
afe amvuse amfake usungulo
ekhanda amenze ngemithi yakhe
yonke yobuthakathi bakhe, amgo-
qe abemfushane, amnqamule
ulimi ampheke ngemithi, emlumba
ngemigilingwane yonke yobutha-
kathi akhulume ashwashwaze
ayothakatha ngaye, kuthiwa
~~nga~~ udla izinsipho zotshwala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kanginakuqhubeka nezinye izichasiso kulencwadi ngoba ijonge indlela yayo.

Amathambo esalokhu ehlezi phakathi ezinsisheni eggunyisiwe, inyanga izowakhipha inyanga ephezulu ithwasile ukuze nayo mhlaumbe iwethwase kayinakuwakhipha inyanga ifile hleze nakuyo kungabanjalo.

Izowafaka embalukweni yayo iwayeke ahlale khona, uma kungukuthi inesifiso sokuwathwasela ngempela, izowalandela nembuzi ahlatshelwe, lapho-ke isiwavulela ithi awakhulume achaze izindaba eziyimfihlo kodwa zibe zikhona zenzeka noba ngabe ezaluphi uhlobo, zighamuka nangamuphi umoya. Kayikhethele imbuzi noba impongwana noba isibuzazana kulungile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Amathambo lawa ayisangoma esibulayo esihlahla imihlahlo. Isikhwama semvukuzane siwaphatha kahle ngoba ekuso ayakwazi ukumbulula izinto eziphenywayo zifunwa ukuba zibesobala. Imvukuzane inenhlanhla ifana nayo inyengelezi nakuso ahlala kahle.

Inyanga uma isiwashaya iyawathatha ilume inhlanhla, nesiqhungwa, nempumela iwakhife ngaleyomithi iwanyakazise, ikhiphe abemabili iwakhafulele esandleni iwachithe phansi; noma isiwachathaza ngaso isikhwama kulungile – iwona asezojivezela indaba uma evumile yabanenhlanhla. Ngesinye isikhathi awavumi ukuveza kahle okufunwayo, uma isheshe yabona isikuthi kawavumi izowayeka.

779

9

269

# Ukusetshenziswa Kwetshe nobusengi.

K13/118

## Okwetshe ~~nokuqhumisengqu~~.

Nanxa abantu babengawabazi amatshe amakhulu benze ngawo imisebenzi emininingi enjengokhu-akha ngawo izindlu ebaziwe, noku-wabazela eminye imisebenzi ethile kodwa ayesetshenziswa ngezinye izindlela ezazifanele lezozikhathi zabo zakuqala.

## Amagwedl[e]

Amagwedl[e] amatshe amahle amancane atholakala emmfu-leni nasematsheni emaggumeni. Ayakhazimula lamatshe, wona ayebuthwa izingane abe isixha-giwabuthela ukudlala umd-lalo wazo wokugenda lapho zidlala zindawonye zincintisa-na ngalomdlalo, ezamantombazane zigenda ekhaya, kanti ezaba-

fana zigenda ngawo ekwaluseni endle. Ziwabuthele ndawonye lapho ziqedile ukugenda ziwalondoloze okothi nangelinye ilanga ziwakhumbule zigende ngawo.

## Ukhethe

Amatshe okhethe awuhlāwyana angamagaqelana ayêbuthwa umuntu uma ezogeqa amagula enziwe ngezigubu zoselwa ngoba ayakwazi ukuligeqisisa igula noma iqhaga lotshwala holukhethe nalo lwalunyawo umsebenzi oluwenzayo phakathi kwemisebenzi eyenziwa ngamatshe ngabantu bakithi. Singeze salulibala ukhethe olulu-hlwayi ngoba ukhona umsebenzi oluwenzayo ngesandla somuntu, ayawolwa nje wona lapho emaningi khona awakhethele.

779

271

K13/118

## Awokucupha

Abafana babewanakekela kakhulu amatshe angemakhulu kakhulu kodwa elingene, lamatshe ayezicaba ukuma kwawo khona kwasekuveleni kwawo, ayengabazwa ngoba ayevele alungela ukucupha ngawo ~~ezinye~~ izife zokuthiya izinyoni endle nasemahlangeni ebusika. Kwakuthi umfana angalibona lilihle elithandela ukucupha ~~[illegible]~~ angazalishiya alithwale ahambe nalo, wolibeka lapho eyocupha isife sakhe khona, endaweni evame izinyoni ezidla inhlava azicupha ngayo.

## Umlalazi

Yonke imizi inamatshe okulola imimese, nezimbazo, nemikhonto lamatshe abizwa ngokuthi

K13/118

imilalazi. Umlalazi utholakala ematsheni angamachoba. Uma kulolwa kuthelwa amanzi etsheni elingumlalazi kulolwe isikhali esilolwayo. Imitsalo nezingaco ziyalolwa kuwo. Izingaco zengiwa ngokuba kulolwe izinsimbi zigcunyekwe esibukwini somuthi ezokuphala isikhumba kuze kuvele umswende.

## Itshe lemithi.

Itshe lemithi liyatholwa nje endle libonwe ukuthi lilingene ukugaya umuthi lithathwe lisiwe ekhaya, libalihle liyisicaba. Alihlaliswa ngasendaweni yabesifazane endlini libekwa endaweni yendoda, lokho kusho ukuthi iyona ephatha amakhambi, kuthi nalapho iyocela ikhambi nakubani ithathe itshe la ilazi khona. Uma abantwana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 belithathile balisusa endaweni yalo umnumzane uyabathethisa uma efika lingekho kantio uyalifuna. Kugcotshwa kulo amakhambi aluhlaza, namakhubalo, nezinsizi nayo yonke imithi ethakwayo igayiwe.

## Itshe logwaiyi

Itshe logwaiyi kufenweka itshe elikhulu ngokulingeneyo, elibushelelezi lenyangane ukuze ugwaiyi ungachitheki, ngoba alilungi elizigodigodi, elinezikhisana ezincane. Ligalwa ngokugudlwa ngemhkodo yalo ligezisiswe, lingoma kugayelwe kulo ugwaiyi.

## Itshe lokuchopha

Njengoba abantu bekwazisa kakhulu ukuchopha izinyawo nokugeza imizimba babebanawo njalo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

amatshe okuchopha izinyawo zako Abanye bathanda ~~akla~~ ahayayo omkhulukampofu nawenyangane kanti abanye bathanda abushelelezi. Ichopha libekwa ndawonye uthi angageza achophe umninilo ~~[illegible]~~ alilondoloze noma egezela emachobeni emmfuleni uyalikhwe-za, athi esebuyela ageze ngalo.

## Itshe lezingulube

Itshe lezingulube elibizwa ngokuthi umqengqe kuthathwa itshe lokugaya eselilidala, eselambeka isigodi esikhulu lingasagayisi kahle libekwe esibayeni sezingulube noma phandle ziphakelwe kulo.

## Imbokodo

Izimbokodo zokugaya imithi nogwayi nezokugudla izindlu uma zigandaywa zitholwa emmfuleni onamatshe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

zibazintingi lapha, emanxuweni amadala ziyatholakala nanamhlanje nemilalazi eyayilola izingqindi nemikhonto.
Imigodi yokudla yayizibekelwa ngamatshe amakhulu abanzi ayizicaba ayetholakala emmfuleni egeleza amanzi.
Itshe lokushuka izintambo lalitholwa phakathi kwamatshe eggumeni, kukhethwe itshe elide elinokufukuleka kalula uma seliboshelwa ezikhunjeni.

## Isiza

Isiza somuzi siyambiwa eggumeni noma phansi kwentaba kukhishwe amatshe amaningi, lamatshe kubiywa ngawo isiza ngaphambili, kwakhiwe saluthangwana lwamatshe, inhlabathi nokhethe ilelezwe phezulu ithiywe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

amatshe abiyileyo.

Izibaya zezinkomo zazakhiwa ngamatshe ambiwayo naqoqelwa ndawonye.

Izintango zokubiyela umuzi ziyakhiwa ngamatshe zibenamasango okuphuma.

Isivivane esiba sendleleni, siyisiqoqo samatshe okuthi noma ubani oyisihambi edlula ngendlela abone isivivane naye acoshe itshe aliphose kuso adlule ahambe.

## Itshe lokugaya.

Itshe lokugaya liqoshwa ngenyangane, itshe eliluhlaza, litholakala ematsheni lapho emaningi khona, liyatholakala ezindongeni nasemifuleni emikhulu enamatshe namadwala, uma lishaywa noma seliqandulwa liyakhala cishu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

njengensimbi lithi nqhe, ~~na~~ Lelitshe liyaqhekezwa uma lilikhulu likaselwe umlilo kuqala lishiswe liqhekezwe lilinganiselwe itshe lokugaya, liqhekezwe emaceleni lenziwe libe umphatha olingene. Kufunwe imbokodo yalo, nayo iqhekezwa khona lapho ilinganiselwe lona, iqoshwe ilinganiselwe ukubanjwa ngezandla zombili. Liyaqandulwa phezulu ngala ligaya ngakhona nembokodo iyaqandulwa njalo inga babuthuntu, liqandulwa ngesiseko salo, liqedwe lishayelwe ngomshayelo walo omncane ligezwe ngamanzi ukuze ukudla okugaywe kulo kungalumeli.

Ummbila wokuqala wokulesula uyanyenyezwa, impuphu yawo isakazelwe izinkukhu ngoba iyalumela, bese kugaywa eyokudla.

779



K13/118

## Okobusengi

Ubusengi bukhandwa ngocingo oluncane oluthengwa ezitolo, kanye nentambo ephothiwe yeshoba lehashi noma elenkomo, kugqizwa ngabo ezithweni nasezingalweni.

## Inkumbi

Inkumbi ubusengi bakuqala obabuqatha babugaywa ngezintambo ezimbili zocingo ziphothelwe eshobeni lehashi noma elenkomo, kwenziwe imicu emibili, omkhulu nomncane; omkhulu ubengaphandle, uhambe ngaphambili. Ubusengi bugaywa ngophondo lwenkomo oluwanqunywa lwalungiswa kahle, bugayelwa phezu kwesibukwana somuthi noma phezu komggiki womuthi oqinileyo. Kuthelwa umlotha weziko phezu kwesibuku ukuze insimbi ingabambe-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ki kodwa ishelelele. Kugaywa ngophondo lubekiswe ngale umlomo walo, kugaywe ngala lucije ngakhona, ~~[illegible]~~ umuntu ogayayo abudonsele ngakuye khona emgqikini. Uma sekuphethwa abunqunywa kodwa bufakwa phakathi kwalobu osebugayiwe ukuze bungabe busanyomuka. Bunyathelwa ngophondo buqiniswe ukuze buthandane la buhlangana khona; buhloba ezithweni noma ezinyaweni, obunye benziwa bulingane izingalo nezihlakala.

Isicakathiso sihloba enhla nombala, isixegiso siqgiza phansi onyaweni, nobezingalo bunjalo, ubuhlalu buhloba amadoda nezinsizwa, amakhosikazi nezintombi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

## Inkohlwane

Inkohlwane ubusengi obumhlophe kodwa bugaywa ngomucu owodwa abugaywa ngemicu emibili, umucu uthandelwa eshobeni selihlanganisiwe labayindilingi nabo buyacindezelwa labuhlangana khona, ukuze buthandane bungaze baqhuma.

Inkohlwane ihloba izinsizwa kuvama ukuba izixegiso enye yenziwe intandelo. Intandelo ubusengi obugaywa bubebude, buthi bungaqedwa ukwenziwa buthandelwe embaleni noma esithweni, nezintombi nomakoti ziyabugqiza.

## Isikhonyane

Isikhonyane ubusengi obubomvu nobumpofu futhi bube bungahlangene nobumhlophe

779

K13/118

bugaywa ngeshoba nomucu owodwa wocingo. Isikhonyane sihloba amadoda kodwa awakezaggiza ngemicu eminingi ayifaka ngamibili noma ngamithathu, izinsizwa nezintombi nazo ziyahloba ngesikhonyane.

Inyengelezi

Inyengelezi ubusengi obuxhubile ngokufakelwa amaqanda, izinsinjana ezihamba zibuhlobisa njengobuhlalu zibuthi gamfu, buphothwe indawana zibuye zibuthi gamfu njalo buze buphele benziwa kanjalo.
Bugaywa njengabo obunye kodwa bufakelwa amaqanda buthi bugaywa besengaphakathi amaqanda.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

# Isitibili.

Isitibili ubusengi obumhlophe obuhloba enzansi nombala nako bubunjwa njengako bonke obu-nye, buhloba izinsizwa nezinto-mbi.

Ubusengi bukhandwa inyanga yako, kuyavama ukuba umk-handi wezikhetho zensimbi akwa-zi ukubumba nobusengi, ngel-anga inyanga yako iyakwa-zi ukukhanda ubusengi obuningi. Sebuphelile iyabuthengisa izinsizwa kanye nabanye zibuthenge ubuthaphuthaphu ngoba zihlo-ba ngako kakhulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

# Ukusetshenziswa Kwezimpaphe

K13/118

## Okwezimpaphe nokhokhobeleha.

Izimpaphe zezinyoni ezithile zagisetshenziswa nakuqala ngokwenza izidlodlo zokuhloba ekhanda uma kukhona umkhosi othile odlalwayo.

### Isidlodlo

Isidlodlo siyenziwa ngezinsiba zesikhova akanye abasikiza ngokuthi ivumakabili ngoba sithi sikhala emaqeleni nasemaweni, nasezimfundeni zemihlanga, nasemthaleni, nasemafukwini ekhwane, nasezihlanjeni ezenile sithi "uwu! uwu! musabo! ziphi izimpuku! phuma! ungibule!"

Nxa ~~sikulekwe~~ sibulewe isikhova kucazwa izimpaphe zaso zamaphiko nezesisila, zicazwa zihlanganiswe esiqwini

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

sazo ngentambo ephothiwe yosi-
pha, yosinga lolu oluthunga
ezinye izinto njengesidwaba
-nokunye. Zithi ziboshwa esiq-
wini ezinye zibe ziboshwa
phakathi zinqunyiswe ziphanj-
aniswe ukumiswa kwazo, ukuze
isidlodlo sibe isiqhova, ezinye
zimiswe zibeke phezulu, kanti
ezinye zibekiswe macala onke.
Isikhova sindiza ebusuku
ngoba sidla amabuzi nama-
gundane ahamba ebusuku,
futhi siyesaba ukundiza ob-
ala emini ngoba silunywa
ezinye izinyoni, namehlo aso
akhoshwa ilanga emini,
kanti ebusuku sibona kahle.
Sinoboya obuningi obuthambi-
le obenza singezwakali nxa
sindiza (sizingela amabuzi)
Inyoni engathandeki ukuba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ingezwakala ikhala eduze nekhaya, kuba sengathi kuzovela umhlolo othile omubi kulelokhaya, ngoba kungathi inyoni abathakathayo abasebenza nangayo imikhuba yabo yokuthakathi. Phela uboya benyoni sibazi ngokuthi amagubu, ikakhulu uma isihluthiwe sithi izigubu noma amagubu enyoni, kushiwo izimpaphe zayo ezincane, eziyinomfunomfu.

Incwincwi iyasenza isidlodlo esiluhlaza, uma ibulewe, iyahlinzwa isikhumba sayo sihambe nezimpaphe zonke zayo zingachuthwa ngama bomu, kukhishwe inyama namathambo, zikhishwa lezizimpaphe zenekwe zome. Sezomile zibuyiswe ngobunono zifane nenyoni ephilayo, ngoba ikhanda nalo lisele nezinyawo

K13/118

779 okungathi nxa sezibekwe phansi zifane nenyoni ezwayo kanti izimpaphe zodwa, seziliwokosi lefelekece eliyigobongo lodwa phakathi akukho lutho.

Isidlodlo salenyoni sivamile ukuhlonywa amakhehla anezicoco emakhanda; futhi avunula ngayo nje inyoni okuthiwa inesithunzi. Umntwana ongasazi lesisidlodlo usibuka qede sisekhanda lekhehla athi, "Awu leliyakhehla lithwele inyoni ngekhanda;" kanti ingane kayazi ukuthi isidlodlo esenziwa.

Ujomela intaka ethile naye uyasenza isidlodlo esinjalo, nesakabuli elincane liyasenza isidlodlo esinjalo, nehlokohloko, neqola okuthiwa iqqola liyasenza isidlodlo esinjalo.

Insiyane nendlazi na lezinyoni
ziyasenza isidlodlo esinjalo
kodwa akuvamile ukubona
loluhlobo lwesidlodlo, ngingathi
kuqabukela nje umuntu esiboni-
le. Esihluthiwe siyenziwa nge-
zimpaphe zendlazi.

Abaziyo imithi ~~[illegible]~~
bayawenza umuthi omuhle
ngezithwana ezithile zendlazi
inomuthi omuhle futhi wemfu-
yo kwabafuye impahla betha-
nda ukuba ichume iphile
kahle.

Igwalagwala liyasenza
isidlodlo esithungiwe ngezimpa-
phe zalo, isisila salo sibomvu
nezimpiko zalo zibomvu pham-
bili nazo.

Indwa inyoni okuthi uma ikha-
lile indiza phezulu izulu liphe-
ndule belibalele, inyoni yezulu,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

yenza isidlodlo esihle ngezimpa-
phe zayo, inezimpaphe ezinde
esisileni sayo, simnyama esayo
siyacwazimula, sicwebezele.
Ipigogo okuthiwa igogo linesi-
dlodlo esihle esiluhlaza.
Intshe eyazisiwa kakhulu nga-
bamhlophe ngezimpaphe zayo
ithunga esihle ngezimnyama,
esinye senziwe ngezimhlophe.
Izimpaphe zesisila seqh-
ude ziyahlonywa ekhanda
khona zingenziwe sidlodlo, neze-
gwalagwala nezendwa neze-
sakabuli ezinde ezimnyama,
nezendlazi.
Inkwazi inyoni ethanda ukuzi-
cwashekela ezintini ezinde ezinte-
ngela phezu kwesiziba somfula
lenyoni inyela emanzini kuzike
Izinyanga ezithaka imithi
yazo ziyawufuna lomuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

khona emanzini lapho ziwuthakele ukwelapha ngawo. Amafutha enkwazi mahle, kodwa awamahle kakhulu kumuntu oseyinsizwa ngoba noma kuliwa ngezinduku umuntu ophethe wona uvama ukulimala kuqala. ~~[illegible]~~, Ayesabeka nje ngoba owaphethe uyashesha ukuthola ingozi, kodwa amasimba ayo kawanangozi wona umuntu kalimali ngawo ewaphethe.

Izidlodlo ziyahloba uma kwendiswa intombazana noma kukhethwa ziyimvunulo ethandekayo, ungabona zigenqeza emakhanda amakhehla, nawamadoda nawezinsizwa ngemuva esiphundu noma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emaceleni. Indwa nencwincwi
ihloba amadoda. Omunye uma
ethanda ithatha esegwalagwala
asixube nesesikhova sibesikhulu
ziyavumelana zifanelane, uma
ethanda asithi qhwa phezulu
ekhanda esegwalagwala, abese-
sithi qhwa eceleni esesikhova
zivumelane futhi nxa
zenziwe njalo. Amabutho
lapho eguba umkhosi othile
ayahloba aphelele nange-
zidlodlo zezinyoni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

291 Ukusetshenziswa Kokokuhlabe= lela 291

779 ~~Okokuhlabelela~~ (13) 118

Abantu babenazo izinto zokuhlabelela lapho benamile bejabule lezizinto babezibazela bona ngokwabo phakathi kwazo ngiphawula lezi: isigubu, imbungu, ugwabi, ugwala, umqangala, ingenkle, umtshingo nezinye. Njengoba sengichazile ngokwenziwa kwesigubu nembungu angisezukuyithinta indaba yalezizinto ezimbili lapha.

Ugwabi.

Ugwabi lwalwenziwa ngesigubu soselwa, uselwa luyatshalwa kulinywa, luhlanze amaselwa, uma esemancane esathambile ayadliwa amnandi. Ilo uselwa oluveza amagula, namabanga namadlelo namaqhaga nokunye. Ugwabi lwenziwa

K13/118

nangothi lombangandlala.
uthi lombangandlala lwalubazwa ngaphakathi lube ubemba ukuze lukwazi ukugobeka.
Kuthathwa isigubu soselwa esesomia saouthisiswa kahle sivulwe umlomo, sibotshozwe imbobo enhlokweni yaso ibenkulu ngokulingene ukuze sikhale kakhulu. Sasigeqwa ubuthumbu baso ngaphakathi kukhwezwa izinhlamvu zembewu kulahlwa ubuthumbu sigeqwa ngamanzi nangamatshe amancane okhethe, sikhwaywe ngaphakathi.
Kubotshozwa izimbotshana ezine esingeni, zime zibekane zibembili ngala zibembili ngale, kuthandelwe inkatha yentozwane, kuthandelwa inkondlwane ngozi lwentozwane inkatha ilinganiselwe isinqe sesigubu, kufakwe imicu yenta-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

mbo ezimbotsheni ibophe inkatha sekuzothi uthi lombangandlala nalo luboshelwe phezu kwenkatha, uthi lolu lude luzogotshwa kuboshelwe intambo yeshoba lenkomo ephothiwe kulo.

Uthi lokushaya uqwabi kuzoba uthi nje noma kungoloqungwa, uma selushaywa isandla sibamba uthi olugotshiwe kanye nentambo yeshoba, umlomo wesigubu ubeke ngakumuntu odlalayo, esedlala uzoshaya intambo ngothi lobaqa olusesandleni sokudla.

Isigubu sizolo sibekwa esifubeni sibuye sisuswe, seluhlabelela njalo uqwabi, luzwakala kahle nomuntu aze athande ukuluvumela ngokuhlabelela, athi noma ehamba ngendlela agodle izinduku zakhe phansi kwekhwapha aluthinte uqwabi luhlabelele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779. K13/118 

Insizwa isihamba inqamula izinkalo ihamba ilushaya isho nayo ngephimbo ithinte lengoma:
"Ngonomahohovu!
Ingoma yami isele kwaZulu!
Halala! Somathole!
Uqhune nje! Awunamfazi!
Uqhune nje! Awunamfazi!
Uqhune nje! Awunamfazi!"
Amadoda abelushaya ebusuku ezwakale esebongela amakhosi khona ebusuku.

Ugwala

Ugwala nalo ngobunye bemintshingo yokuhlabelela kwabantu. abantu behlezi kahle izwe likusa bedla ngokudala, izinhliziyo zenamile. Kuphothwa ishoba lehashi, kunqunywe umhlanga ubude bawo bubengangengalo yomuntu yeluliwe, kuklaywe ucezu lophondo ubude balo bubenganganamalunga amabili kacikishane, ububanzi balo buke-

ngangozipho lukacikishane, luphalisiswe lolucezwana lubelubaa okwekhasi, lwande ngesidunjana salo lunciphe enhla nangenzansi. Lubotshozwe izimbotshana ndawozombili, kuthathwe ishoba eliphothiwe layintanjana encane, lifakwe emhlangeni usuklayiwe ngenhla nawo kwagaciniswa ngelunga lawo, kufakwe intambo eboshelwe ophondweni ndawo zombili. Kunqanyulwe uthi lufakwe phakathi komhlanga nophondo, lube uthana olufushane, kwenzelwa ukuba uphondo lunganamatheli emhlangeni. Kusuke intambo phezulu ophondweni yehle ize ithandelwe enzansi nomhlanga ngale kwelunga lawo. Umhlanga unembobo phakathi ubotshoziwe emalungeni ngaphakathi.

Ukushaywa kogwala lufakwa ~~k~~ phakathi kwezandla zombili

zihlanganisiwe, uphondo lube phakathi esandleni, olushayayo uzofuthela ophondweni, adonse umoya wakhe, acindezele kancane intambo yalo, abuye ayidedele njalo lukhale kanje:"
"Kwekle! kwekle! kwekle! kwekle! kwekle, kweke! kweke! kwekle! kwekle! kwekle! !!
Lukhala lwehla lwenyuka, lubuye lwehle njalo, olubethayo ezwakale egquma ethi: "um-um- um-", esenembubusi.

## Umqangala

Umqangala wenziwa ngomhlanga ongemude kakhulu, ongacishe ukufika endololwaneni usulinganisiwe usuka eminweni yesandla. Unqunywa uklaywe kancane phezulu ohlangothini lunye, kuze kugcinisiwe ngelunga lokuqala khona phezulu.

kufakwe intambo efindwe ifindo emklayweni, iboshelwe ngenzansi elungwini lomhlanga. kunqunywe uthi lwalufushane lwathiwa ukuqoshwa lwabekwa phezulu laphaya, intambo yagijima phezu kwalo yathi khâxa la luqoshwe khona ukûze ingeqeli ngapha nangapha, yona iboshwe yaqina, lentambo iphothwe ngeshoba lenkomo.
Kukazwe uphondo lube ucezwana lothi olufushane kakhulu lukazwe lucwecwe, kuze kuthi nxa sekushaywa ngalo intambo luphebezeke luthi phebe, phebe, phebe.
Umuntu odlala umqangala uwubamba ngesandla afake umhlanga emlonyeni, ngesinye aphathe uthana lophondo aphebeze ngalo intambo yomqangala iyona ezokhala inkenteze

779 K13/118

kuzwakale sengathi kuthi: nkente!
nkente! gente! gente! kente! kente!
gente! gente! kente! kente! gente! gente!
gente!!!

Hapho kanti oseludlala ubeka-
de ebema insangu yakhe walu-
khumbula waluthatha wadlala,
sebezosukuma nabanye endlini
laba abema nabo, besina khona
endlini, beshendela ngezinyawo
behlabelela ingoma bewulingisa
bashendela beshishiliza phansi
behlengela ngemizimba, njenge-
zinkalankala zona zihamba
zigugushele nxanye. Ukuhlabe-
lela kwabo kathi:

Bayiqed' inyanga yami!
Bayiqed' inyanga yami!
'Inyanga yami!
'Inyanga yami!
'Inyanga yami!
Basine badele babuyele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezikhundleni zabo bahlale
bazinze babuye bezwakale
sebebongela igudu, sebekhathele
ukuhlengela behlengelisa okwa-
mahlengethwa wona ahlengela
emagagasini olwandle, kuthi
nobenganazelele aze awabuki-
sise eshona eqhamuka pha-
kathi kwamagagasi. Sebesho
bethi:

Ubulala mina nje!
Wodliwa ngubani wemantayi!
Uhaqhambula, uhohombisa
Us~~[illegible]~~ shishiliza kwelimahayane
Lamshaya lambedula
Ngob' ~~[illegible]~~ eshishilize kweli~~[illegible]~~ mahololo
Kwelihayayo lamshaya.

Lambedula, ngob' ~~[illegible]~~ eshishilize
Kweli~~[illegible]~~ maholo Elihlabayo.
Isihlehla nyovane njengomthakathi
Ehlehliswa buthakathi bakhe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

Ugaula kegoduka kehamba
Umzondo azwakala ngokunuka
Ngoba' iphunga lakhe lishaq'ikhan-
da.
Umalal'egqumeni,
Njengesoka lingqumisile,
Amakhaza adlula egunguluza,
Lingawezwa ngoba lisithwe
Isihlahla esihle somkhiwane
Omaqabunga awo athambile
Kanti athambele izandla zalo.
Unodumela umkatayiya.
Lapho sebebonga iqudu
labo akade belibema behlezi
ndawonye, becobelelana insa-
ngu betshuma, sebethintwa
umqangala osubavusela
usinga lokusina nokusho
zonke izibongo zequdu.
Abalibemayo babelazisa
kakhulu njengabo akabema
ugwaiji wamakhala ogayiwe.
Umqangala uyabizwa ngokuthi umhube.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

# Umakhwelana

Umakhwelana luqumbu elinye igama kuthiwa inkohlisa, kuthathwa uthi lubazwe ngala luzogotshelwa ngakhona lugotshwa ngokuboshwa ngentambo, luboshwe luze lomele kuyo. Kuphothwe inhlali, ishoba lenkomo kwenziwe intambo noma kuphothwe intambo yosinga. Ilentambo eboshelwa othini oselwa gotshwa loma yakhunyulwa intambo yefosi eyayilubophile.
Kuthathwa isigubu soselwa esilingene sivulwe imbobo elingene kwenziwe inkatha yozi lwentozwane ezohlala esingqeni sesigubu kubotshoziwe izimbotshana ezinoane esingqeni, zokufaka intambo ezobopha inkatha nothi olugobile. Abanye benza nangezigubu zige zibembili esikhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nesincane sihlale zingaqhelelani kakhulu, lolugumbu ~~kathi-ke~~ lukhala kakhulu nalo futhi. Ukusha yewa kwalo, (~~lolugumbu~~) lubanjwa ngesinye isandla, ngeminwe phansi, omunye udlalise intambo, esinye isandla siphathe uthi noma loq~~k~~unga okuyilona luthinta intambo, isigubu sibekwe esifubeni ludlale. Izintombi ziyamshaya umakhwelana, ungafunanisa izingane zamantombazane zihlezi zilalele ukusho kwalo, ezinye izintombi zihlabelele kanye nalo ugumbu.

## Igenkle

Igenkle lakhiwa ngomhlanga omkhulu ubude bawo ungaki

779

K13/118

mude kakhulu ucishe ubengange-
ngalo yomuntu. Umhlanga ku-
ba ilona omkhulu ongangalona
wesilungu, unqunywa uhlokozwe
phakathi imbobo yawo uvuleke
kunqunywe omunye umhlanga
omncane uhlokozwe nawo
phakathi ufakwe kancane
kulo omkhulu udlulise ilun-
ga, lona ube isiteli sawo.
Enziwa abemabili, ukuze kuthi
eseshaywa eliqalayo kube
elifushane, elivumayo kube
elide, ilelogenkle linomhlanga
omkhulu nomncane.
Ashaywa abantu ababili
abawafundile bawashaya
ngamabili sikhathisinye.
liyasikwa liphebezwe ngala
lizoshaywa khona ngomlomo
umunwe wesandla ubesemb-
otsheni engaphansi esitelini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Ayevama ukushaywa izinsiz-
-wa uma inkosi isizodlala
umkhosi wokweshwama, izinto-
-mbi zaziwashaya ziyobuka
umkhosi. Ukuvuma kwawo
ezwakala esevumisa okwensingi-
-zi yamahlanze, ungezwa elinye
lithi pe! pe! pe! pe-re-be! pe!
pe! pe! pe! pe-re-be! pe! kanti
ngeliqalayo lelo, libelithi
elesibili lokuvuma geke!
kelege! kelege! kelegeke!
geke! kelege! kelege! kelegeke!

## Umntshingo

Umntshingo wawushaywa nawo
kakhulu ngokungena kokwindla
la sekuzokweshwama inkosi
kudlalwe umkhosi. Izinsizwa
zaziyokukha umhlanga ezihla-
-njeni zemifula, ziyinqamule

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ilingane nengalo ziyihlokoze phakathi kuvuleke imbobo ziwunqamulele elungeni lawo ngale ziwuphewule ngommese, zizowushaya ngokuwufutha ngomlomo zibe ziwuthinta ngomunwe embotsheni ngaphansi. Ukhala kahle nawo ngendlela yawo, abafana abelusayo bayawuthanda ukuwushaya ungezwa ukhala endle uze ulalelisise ukukhala kwawo.

Ukwindla kudliwa ummbila nemfe, ihlutshwa qede imfe amakhasi ayo lana ayizimbembana, izingane ziwalinganise kahle ziwashaye ngokuwaphekeza ngeminwe esemlonyeni abezitolotolo zokudlala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

11 306

779

# Ukusetshenziswa Koselwa

~~23~~ K13/118

## Okoselwa

Uselwa luhlangene nomkhosi omkhulu, umkhosi womdlalo wenkosi, okuthiwa inkosi iyadlala umkhosi woselwa, kusukela kulowomkhosi ukuba abantu baqale ukweshwama ukudla emasimini ekwindla sekweshwame inkosi kuqala ngokuguba umkhosi omkhulu woselwa.

Uselwa engiloba ngalo ngosiba lolu neyinki ngichaza imisebenzi eyenziwa abantu ngesithelo soselwa.
Uselwa luyimbewu etshalwayo ezifeni nasemasimini njengoba kusuke kuhlwanyelwa izintanga namakhabe nokunye ukudla Amaselwa azimila enabe njengezimpunzi ngesikhathi

779

K13/118

sokuhlanza ahlanze kakhu-
lu uma evunywe unyaka,
uhamba kahle.
Ekwindla sekudliwa ifutho ese-
hlanzile amaselwa ayakhiwa
athambile aphekwe amnandi
anokudla okuthambile okudle-
ka kahle. Lapho ehlanziwe
amanye akhula abemakhulu,
amanye abemanana-
ne kuye ngokudlulana njalo
Azimukile mahle anomse-
benzi wawo kanti namanana-
ne anjalo futhi. Ekusika
sekuvunywa abuthelwa
ndawonye namaphuzi
athwalwe ngamaqoma na-
ngezihlibi asiwe emakhaya
abekwe ngaphansi kwezi-
ngqolobane nasezibuyeni,
ahlale khona aze ome
athi nkeqe, kube sengathi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

kawanakwe muntu kanti siyeza isikhathi sokuba akhunjulwe enziwe izinto ezithile ngabaniniwo.

## Igula

Igula leli abanye balibiza ngokuthi ishathazo noma incagu, lenziwa ngesigubu soselwa. Kukhethwa izigubu ezinhle kwezinkulu nakwezincane ezavuthwa kahle zomisisa futhi, kususwa ingonywana sivulwe imbobo khona lapho, imbobo elingana ukuvalwa ngehleza lommbila. Imbobo iyabotshozwa ngomsuka wensimbi oshisayo noma ngommese igoshwe ngobunono, ligeqwe phakathi bonke ukuthumbu nembewu yezinselwa. Lapho ligeqwa lihlokozwa ngothi lomuthi noma ngolomhlanga

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

kuthelwe amanzi abathambise
ngaphakathi noma silele
nawo egcwele kuyalunga.
Hapho ~~set~~ sesixukuzwa isigubu
kuthelwa uhlwaye lwamatshe
sixukuzwe kakhulu amanzi
ephakathi, kubuye kuhlokohl-
we ngothi, ubuthumbu bonke
obungaphakathi buyawohloka
athululelwe phansi amanzi
namatshana lawa kuphume
konke ukungcola okungapha-
kathi. Uma ~~a~~ silala solala
nawo amanzi namatshe,
sibuye sigeqisiswe, sekobona-
kala ukuthi silungile sesi-
geqekile ngokuba amanzi
achathazwayo aphume ese-
cwebile engasangcolile, sesilu-
ngile-ke. Ukuze sibeligula
lamasi, kubotshozwa imbotsha-
na esingeni ibencane yenziwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



indingilizana elingene ngisho
~~unamna ka~~ kucikishane ungakw-
azi ukungena kuyo. Lembobo
ibazelwa isivinjana esihle
esilingana yona singene kha-
sekha kuyo kodwa singashoni
phakathi, sibazwa ngocezu
lwesigubu, lembobo eyokukhi-
pha umlaza ngaphansi
uma sekuzovutshwa amasi
esevuthiwe eguleni.
Kusengwa kuthiwe du nouku
zonke kwethiwe ubisi emagu-
leni, agcwala amagula kwesinye
isikhathi akhishelwe phandle
athanyeliswe ilanga ukuze
avuthwe kahle, amanye ngo-
kuzwa ilanga ziqhume izivi-
mbo zamahleza phezulu
aphuphume amasi eseyiza-
ngqondo emahle, emhlophe
qwa, kuchiche umlaza kanc-

779

K13/118

ane. Umlaza uyakhanywa sekuvutshwa uphume uluhlaza cwe ukucweba, kusale amasi ayizangqondo zodwa eguleni. Iwona avutshwayo adliwe ngabantu abawadlayo lapha ekhaya, umlaza umnandi uphuzwa libalele abantu bekhathele bephuma elangeni ekusebenzeni, sengathi utshazisa igazi liphole kahle, kube sengathi ukukhathala kuyaphela.

Ehlobo ngesikhathi zizele kusengwa kakhulu uyanda umlaza uze unikwe izinkukhu nezinja nezingulube.

Igula elisanda kugeqwa kalibinamasi amnandi lisaqala, kuya ngokuya aze alunge abemnandi, ngakho avutshelwa abantwana, izinga-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ne zona zingavamile ukukhetha ukudla. Igula lomnumzane liyaziwa alithintwa nempela, futhi kubaligula elihle elincanyana okwethiwa kulo ubisi olusengwa ezinkomazini esezincelisa amathole angamaguqa ubisi lwazo selunamafutha amaningi, umnumzane udla ukudla okuhle okunesizotha okulungiswe kahle ngesineke.
Abadala babanamagula ako, nezingane zibanegula lazo. Abekwa emsamu endlini ethala angabe lokhu ethintwathintwa ngaphandle kokuba kwethiwa ~~un~~ ubisi noma ngesikhathi sokudla esezokhanywa kuchathazelwe amasi ezinkanjeni kudliwe.
Uma kukhanywa, ungaphumi kahle umlaza kuvulwa

K13/118



isivimbo phezulu uphume, unqa-
muke ngoba usuphelile, namasi
uma evuthwe aba izangqondo
awachathazeki kalula lize
lixukuzwe igula ahlangane
aphume kahle.
Kodwa ukudla kuyaziswa kak-
hulu ubumnandi bakho noku-
thi kunempilo enhle ezinganeni
nakwabadala, nabamhlophe
bevutshelwe amasi bayawazisa
impela ukuthi ukudla kwab-
antu okupholile okuyolisa igazi
okunempilo- agayelwa umcaba
wamabele nowezinkobe zom-
mbila. Ichilo ukudla amasi
asemzini nokuphuza ubisi
lwakhona, uma kungasasengwa
amagula ayalondolozwa akhw-
ezwe ngokulengiswa noma ahlo-
hywe ezintini alenge emaxhibe-
ni kuze asebenze futhi sekuse-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngwa. Kuhlala kuhlale agegwe-
amagula ukuze amasi ahlale
emnandi njalo angazababa.

## Ibanga

Ibanga isigubu sotshwala, si-
bizwa ngokuthi iqhaga noma
kuthiwe igobongo, nalo lenziwa
ngesigubu soselwa. Abanye
bayavuma ukulibiza ngoku-
thi iqhanga uma linotshwala
obufikile buphuma komunye-
umuzi, kuthiwe kufike utshwala-
obuvela ekuthini ngamaqhaga,
kanti kuyashiwo futhi ukuthi
bufike ngamabanga noma
ngegobongo. Sengathi lihle
endlebeni elokuthi igobongo,
uma ibanga lingasaphethe
lutho ngoba igobongo liyinto
eze engenalutho phakathi
okuthi uma khona kungetha-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

mbile engenalutho phakathi kuthi-
we ligobongo noma liwokosi.
Ukwenziwa kwebanga livulwa
umlomo omkhulu ngokwanele
ukuze utshwala buthelwe kalu
la ngenkezo, nalo liyageqi-
siswa phakathi njengegula.
Kuthelwa kulo utshwala oseb-
ukhanyiwe bavovwa, buyabi-
la kulo buqhilike ingwebu
emhlophe. Utshwala obusiwa
emzini buthwalwa ngamaq-
haga, athwalisa kahle, na-
bo buphatheka kahle eqhage-
ni. Ungahlangana nezinto-
mbi nomakoti zingumqobo
zihamba zilandelana zibuth-
hwele ngamaqhaga busiwa
emzini, ubone kuqhilika
ingwebu emhlophe. Buyaphu-
zwa nangawo amabanga
utshwala uma kunciphe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

izinkamba okwalesosikhathi.
Uma engaphethe lutho ayage-
zwa kahle abekwe ngokukhwezwa
ethala noma emaxhibeni.

## Isigubu samanzi.

Izigubu zokukha amanzi kwa
kuvamile kuqala ukuba kwe-
nziwe zona zoselwa, amanto-
mbazana ekha ngazo ama-
nzi emfuleni, lezizigubu zazi-
vulwa imboko elingeneyo
nazo zilingene, kube ileyo
ntombi ithwale ekhanda
isigubu sayo samanzi.
Lezizigubu zinamanzi amna-
ndi aphotile. Umnumzane
ekhaya unesigubu sakhe
samanzi esihlala endlini
yakhe, kasithintwa ngane
isigubu somnumzane, uyena
kuphela ochathazelwa kuso

amanzi uma ezophuza noma
ezoxuba umlomo emva koku-
dla, noma ezogeza, kasihlali
nempela singenamanzi, sihlala
ekhona njalo ngoba akesifaz-
ane benomthetho wokuqikelela
isitsha somnumzane ekhaya
ngakho noma usokhaya
engawabiza nini amanzi
omile ethanda ukuphuza
uzowathola akhona apholile
kunjalo-nje.
Sikhona isigubu samanzi
elawini lezinsizwa, naso
sihlala sinawo njalo, ngoba
zivuka zigeze, noma zidla
zigeza izandla, ziqede
ukudla zixube amazinyo
ahlala emhlophe sonke
isikhathi ehlanzekile, noma
zomile zehlise isigubu emsa-
mu ziphuze.

K13/118

779

# Inkezo

Inkezo yenziwa ngesigubu soselwa, ziya ngokwedlulana kukhona izinkezo ezinkulu, kubekhona izinkezo ezincane ezinye ezotshwala ezinye ngezamanzi okuphuza nokupheka, kubakhona nenkezwana ebalukhezwana lokuphaka ukudla emabodweni uma kuphakelwa emcengezini.
Kukhethwa isigubu esihle esingathi sinentamo ephumile yabande, inyanga yokuvula izinkezo isivule lesisigubu iqale ngokuhlabahlaba izigojana ihambe nazo zizungeze lapha phezulu la kuzoba umlomo wenkezo.
Isizohlaba ishonise kwenye indawo iye ngokuqhubeka njalo yenze ngobuciko ukuka-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 ingadabuki ngoba kulula uku-
qhuma kwayo, ibe ilokhu inge-
na njalo kuze kuyohlangana
kugebhuke ucezu lolo umlomo
uvuleke, inyanga isizowakha
kahle iwuncwela yonke inda-
wo ibone ukuthi ulungile noma
ngeyotshwala, okuvama ukuba
enkulu noma eyamanzi eba-
nkulu ngokulingene ukuba
angathi umuntu ephuza ngayo
adele, kanti eyotshwala umu-
ntu uphuza ngayo angayi-
qedi kodwa akaphumule ka-
nde uba athathele aphuze futhi.
Isiwuncwelile umlomo yawuli-
nganisa waba sengathi uyi-
siyingi esiyindilinga, isand-
la singene kalula, iyikhiphe
ubuthumbu ~~bonke~~ ~~uyi~~ iyiklw-
aye ngaphakathi konke,
nangaphandle iyiphale

konke ~~ukukhlwa~~ ukukwaya
yesuleke, isiphelile belu, eya-
manzi uma ethanda oyibaza-
yo ayenzele ulinyawana ngapha
emlonyeni ngasesandleni ngoku-
yiqopha kahle. Eyotshwala
othandayo uyayivula imbobo
ngasesandleni sayo engonwa-
neni ukuze kuthi la kukhiwa
utshwala, bukhiwe qede buthu-
lulelwe ezinkanjeni ngalomlon-
yana osesandleni sokubamb-
a iyaphangisa enjalo inke-
zo. Othandayo uyichumbuza
imbotshana esandleni ikhu-
ngelwe ifosana kuthi la inga-
sebenzi ilengiswe ogibeni ngalo
Zikhona izinkezo ezinhle
ezincane ezenziwe kahle ka-
khulu, lezi ezabanumzane
okuthi uma kuthungwe utshwa-
la kuhlezwe kuphuzwa umnu-

779 K13/118

mzane akhe ngayo aphuze ngoba
phela ngumnumzane, futhi izi-
nkamba zinkulu bayakhatha-
la ukubelo beziphakamisa
abanye ~~s~~ sekungamadoda
asemadala amaxhegu, azo-
lokhu ephuza ngenkezo ayi-
beke phezu kwenkangezo ese-
qede ukuphuza.
Ezotshwala zinkulu zineza-
ndla ezinde, kuqungwa nga-
zo utshwala bufudunyezelwa
noba sebuphekwa noma bupho-
liswa noma buthungelwa
ezinkanjeni buphuma embize-
ni enkulu. Inosizo olukhulu
kuqungwa isijingi sotshwala
ezikbo kubasiwe kuvutha umli-
lo ushisa owesifazane aqunge
ngayo nakhu inesandla
eside ngokwanele nethamo layo
lide likhulu, kayephuzisi

K13/118

779

okungukuthi ayilibazisi.
Inkezwana yokuphaka izijingi neminyambazi uma kungasetshenziswa isixembe iyavulwa phezulu nesandlana sayo sivuleke, kuphakwe ngayo kuthi we caba, caba masinyane unina ayinike ingane ~~yakh~~ yakhe iyikhothe, iyihlome ezintungweni zendlu, noma ichu-njusiwe yanefosana ilengiswe ogibeni.

~~Isitunga~~ Idlelo

Amaselwa ayazihlanza izigujana ezincane ezinentanyana nekhanjana nesiswana, sime sibenegingxana lentamo. Isigujana esinje sisincane siyachunjuzwa imbobo ~~engonweni~~ lakwakumile khona uliba lwengono, sigeqwe kahle senziwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ishungu logwayi. Abanumzane nezangoma nomakoti nabo bonke nje bayalisebenzisa kakhulu lelidlelo loselwa, ugwayi walo umnandi, uyaqqingqwa kakhulu ubemningi kulo lifakelwe ifosi lilenge entanyeni noma lifakwe embalukweni. Omakoti besina bahamba nalo njengempahla yabo baliqabele kahle ngobuhlalu obulihlobisayo.

Izinyanga ezelaphayo zifaka nemithi yazo eyizinsizi noma ~~ez~~ eyizimpuphu.

Kukhona ezinye izigujana zasezindlini ezincane ezifaka amafutha okugcoba ziwaphatha kahle angonakali.

Ezinye sengichazile ngaphambili ukuthi kwenziwa ngazo ugwabi nogu~~m~~bu, imintshingo yokuhlabelela amagama. Umba ifosi elibopha idlelo.

779

324

K13/118

# Ingeje

Ingeje ibizwa ngokuthi isingcozi isona sikigi sabantu sokudabuka, yenziwa ngesigubu esilingeneyo soselwa sivulwe umlomo waso ubebanzi ngokwanele. Enye yenziwa ngobumba ithi ukubunjwa kwayo ifane nokhamba kodwa ikamadlakadlakana nje ingabinhle ingabukeki ngoba kayilolongwanga, ishiswe iyekwe injalo. Enye yenziwa ngomuthi, ibazwe ngomsenge noma ngomunga ixhozwaxhozwe nje nayo iyekwe. Kungathi isetshenziswa abesifazane nezingane ngoba amadoda embatha ingubo aphumele phandle khona ebusuku nezinsizwa zenzenjalo. Into yabantwana basekhaya nje, nginge lande konke ngayo iyaziwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

19

779 Ukusetshenziswa Kokokucupha 325

K13/118

Okokucupha.

Njengoba thina Bantu sadabuka kulelizwe ~~laseAfrika~~ eligcwele zonke izinhlobo zezilwane nezinyamazane zasendle, abadala bethu bacabanga amasu namaqhinga amaningi okuqili kokucupha izinyamazane ezidliwayo nezihluphayo ekudleni kwabo; nezinyamazane ezihluphayo ngolaka lwazo nezinamandla kanye nezinye izilwane ezinolaka nengozi, nezinyoni ezidliwayo bawathola amasu amaningi okubamba isilwane nokusibulala ngaphandle kokuba naso sife nomuntu, kodwa onke amandla aso nolaka lwaso abeyize sife nawo. Uma ngicabanga ngalamasu ngibo-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

na inhlakanipho enkulu ababe-
nayo ngokumbulula lobuku-
qili engizobuveza kulesisiga-
ba, ngizozama ukuphawula
izinhloko ezithile ngizishiye
ezinye eziningi izindlela
ababekwazi ngazo ukuson-
deza kubo masinyane isilwa-
ne abasijongile, beqonde uk-
usibulala ngaphandle kok-
uba sibenze utho lwengozi.

## Igwijo

Igwijo balazi ngokuthi ugwijo,
nangokuthi umgogo nango-
kuthi usihlalandawonye. Uma
kwenziwa igwijo kugawulwa
uthi oluqinile lomuthi owaziwa-
yo ukuqina kwawo njengoba
ngiyikalile imithi eminingi
okusetshenzwa ngayo esigabeni

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sokomuthi. Kwebulwa uzi losa-
ndo lolu lokuthunga ongiyane
bezicoco zamakhehla, loluzi
luthandeka ngobulukhuni noku-
qina kwalo, nezicoco kazithung-
wa ngolumhlophe oluthambile
okuthungwa ngalo amacansi.
Uzi luyaphothwa lube intambo
eqinile yenzelwe isihibe phansi,
iboshelwa phezulu kuloluthi
oluqinile olugxunyekwe lwambe-
lwa phansi lwashona. Kumbiwe
umgodi oyisiyingi, obanzi
ngokwanele nje, kuzobekwa
izinti phezu komgodi kwen-
dlalwe utshani ukuze um-
godi ufihleke ungabonakali.
Intambo ~~njen~~ njengoba
iboshelwe othini olugxunyekiwe
izodonswa lugobeke uthi
kakhulu isihibe sayo
sivulwe phansi, kuthi khona

phansi intambo icushwe ngezi-
bonjwana ezigxunyekwe ngapha
nangapha. Impunzi izoham-
ba ~~ingalele~~ ingazelele lo iham-
ba ngendlela yayo engena
ngayo lapha ensimini zonke
izinsuku kusihlwa kanti
sekucushiwe, izothi iyadlula
kanti isingena emgodini
kukhwibike utshanyana nezi-
ntana isihibe sentambo ka-
de singenile emkhonweni we-
mpunzi, ngokuthinteka nje
ugwijo solukhwibikile lway-
ibamba ngomkhonywana
lwayigxumisa yabeka phe-
zulu ngokuphazima kweso,
konke nentambo nempunzi
nothi sekuphakeme phezulu
ingebuye idabule.
Impunzi isizozikhalela khona
phezulu isilenga ngomkhony-

wana ingasenamandla oku-
phunyuka ngisho nawokugx-
uma ngoba iyalenga, pho,
ukulenga kwayo isilengela
eweni. isilengela eziko
izodliwa inyama yayo ili-
khuthu, izimpondo zayo zi-
fake imithi yezinyanga
isikhumba sayo namasondo
aso senze isidiya sokucwaya
umakoti, sihlotshiswe ngama-
qhulwa sibesihle sesabeke
uboya baso bulale bucwebe-
zele. Abacuphile boyizwa
khona ebusuku uma kusedu-
ze bavuke bayoyibulala.
Zicushwa ngesikhathi sase-
kwindla okukhulu izindlubu
sezivuthiwe sezithanda uku-
wohloka amakhasi, zizipha-
nda zizidle ukuba sonke isi-
fe singaze siphele nya yizo.
Igwijo licushwa ngala iqhanuka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ngakhona ngoba iyavama
uk-ulanda umzila wayo ukemunye engena ngawo lapha
esifeni ivela esikhundleni sayo.

Umwowana

Kungabe kayiphelele indaba yokucupha izilwane uma kusele umwowana obizwa ngokuthi umona ngabanye, ngoba ucupha inyamazane edumile ingwe, ingubo yayo imbathwa inkosi uma ilaila noma ivuka ekuseni imi enhla nesibaya esigodlweni ibonakale iyembethe. Okwenziwa ngesikhumba sengwe sengikuchazile kwenye indawo ngingeke ngisakuphinda ngikunambithe njengezinkomo ezidla

endle utshani zingene esikayeni zikukhumbule ngokukuhlwa-kula. Isazi sokukhuluma sathi endulo sisho isaga, "Uyedela umuvi wona wazi-bopha ngebande, wakonakala." Okhalweni
mina ngithi, "uyedela umu-ntu owahamba waye wafika-la kusacushwa khona isilo ngomwowana", ngisho ngo-kukona inhlakanipho yala-kobantu bakithi akabegola ingwe njengenyoni ife na-mandla ayo ingalimaze muntu uma icushwe ngom-wowana.

Ukucushwa komwowana, ku-gawulwa izikonda eziqata ehlanzeni, awucushwa ind-oda eyodwa ngoba uyasi-nda uma sewakhiwe waphe-la usulungele ukucushwa;

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uze ucushwe amadoda amane. Uma umwowana ungabamncane ingwe ingawuthatha ihambe nawo ngoba isilwane esinamandla asabekayo.

Kugxunyekwa izibonda eziqinile zime zibekane zingaqgaqgaqaniswa kakhulu, kubekhona izinti eziqatha ezivundlayo ukuze kuthi noma ingwe igxuma ingakwazi ukuwufukula, noma sekufika abantu ingabinamandla okuphuma baze bayibulalele phakathi, ibe iyathe iyabodlabodla ingabinamandla okuphuma, kube ukubodlela emswaneni nje. Ithi iyadumela ingabinamandla isineke nje, kuphela idumele zona izinsika lezi ezigxunyekiwe. Kwakhiwa kubekhona isangwana elilingene

ukuba ingene, emsamu kuboshelwe isigaxa senyama noma inhloko yembuzi, ingwe idonswa iphunga lalenyama ephakathi. Emsamu kukhona isibonda esigxunyekiwe inyama iseceleni kwaso, ingcupho ingaphezulu igaxwe kulesisibonda iphicwe ngezinti eziqatha zodwa. Ingwe izodonswa liphunga lenyama ibone isangwana elilingene ukuba ingene, izongena ithinte uthi olusuka emnyango oluyingcupho, kanti kula isizibulala ayisenakubuyela emuva isingaphakathi ingaphakathi kuphela ukuba idliwe isijula sendoda. Umwowana lona kuphiawe indlwana enezinti ezicijiwe eziluklhuni zama zabeka phansi, ungenisua phakathi kwezibonda eziwuzungezi-

779 K13/118

le noma zigxunyekwe usunga-
phakathi ubekwe phansi, ku-
boshelwe intambo eqinile okha-
khayini lwawo, lokhu uyindlwa-
na ephiciwe, lendlwana ipha-
kanyiswe ngokudonswa iye phe-
zulu ngentambo leyo, babe-
belekelela abanye beyipha-
kamisa yenyuka, ezicijile
zime zibeke phansi.
Intambo yenzelwe isihibe
esifakwe uthi, loluthi ilona
oluzocushwa ngokuncikiswa
esibondeni leso esigxunyekwe
phansi emsamu, loncikiswa
luthiwe gaxa kancane kulo-
lu oluyingcupho olusuka emnya-
ngo okuyilona luzothintwa
ingwe ingena. Izongena qe-
de inyathele kanti isithinta
uluthi lwengcupho lukwibike
masinyane uthi olucuphile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

uwele phansi umuwowana
ngoba nakhu uyasinda izinti
zigxumekeke phansi zishone,
ivaleleke ngaphakathi ingwe
isizothi iyagxuma isunduza
umuwowana uthiywe izinsika
ezigxunyekiwe emaceleni onke
kube kula nezomwowana zi-
shona phansi enhlabathini
ngoba zicijile, nezibonda ezi-
wakhile ziyasinda zinzi-
ma, lokhu kwenziwe ngama-
bomu ukuze kuthi la isigxu-
ma nawo kube izishaya
ematsheni ingasenakuphuny-
uka noma ithandafkanjani
isingaphakathi kukanoxe-
haka womuwowana. Ungagi-
nile singakaqeda abantu nya
isilo, ngoba singawuphonsa
le sibadumele ngenkulu impi
namandla nolaka nenkani
sife nabanye-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

# Idlangala

Idlangala liyindlu eyakhiwe yokucupha ibubesi okuthiwa imbube kubuye kuthiwe ingonyama, inkosi yeziluane zonke ngaphandle kwendlovu nayo ngenxa yesu layo nangamandla ayo nangomboko wayo, kwesinye isikhathi ibubesi liyabulawa ingwenya uma ilifice kahle lithi liyaphuza ezibukweni lokuphuza iziluane emmfuleni onezingwenya ilibambe ngekhala libeliyathe ilidonsele phakathi kudekude esizibeni, osekwini, kwezinye izingwenya kade iphelile inkanyana yalo.

Idlangala nalo liyalehlula ibubesi ngoba lakhiwa aka-

ntu ngobuqili babo. Ukwakhiwa
kwalo kwakhiwa indlu enjeng-
yabantu ngezinti eziqinile
kakhulu zigawuliwe, yak-
hiwe ibelihele ingahlangani-
swa ukuba izintungo zitho-
thwe kakhulu, nanxa ~~zong~~
zinjalo zibe ziqinile ku-
ngabiyona ingcekengce-
kana yezintingo.
Yakhiwa ~~kushiywe~~ kushiy-
we umnyangwana olingene
ukungena umuntu ungabi
mkhulu nempela, yakhiwa
iphicwe ithiwe du, kwebulwe
uzi lomunga uma ungekho
umunga kwebulwe inxoza
yomobu iboshwe ngayo.
Umovu ufana nesinwazi
umila emahlathini ube-
nezigodo ezinkulu, inxoza
yawo iyazaka nezindlu ku-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

thandwa ngayo.

Mhla sekuyozingelwa imbube lendlu ithwalwa amadoda amaningi nezinsizwa ezini-ngi kuhlonyiwe, inkulu indlu (~~kayincane~~) iyasinda ngoba yakhiwe ngezintungo ezinkulu zodwa.

Kuzohamba phambi kwabo enye insizwa enesibindi iy-olihlokoza lapha likhona ngoba liyaziwa indawo yalo abathwele indlu bazosondela beyithwele angabi kude nabo babeseduze, ngoba uma engabakude noma enejubane angabe ugugelwe inguko lingamfica esekuza-lihlokoza lanengwa lamthu-kuthelela.

Beza nendlu bemlandela ukuze bamhlangabeze

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779



K13/118

uzofika ngakulo alihlokoze
lithukuthele liye kuye abale-
ke ngejubane, sebeyimise
phansi afike qede aziphο-
nse ngaphakathi, limbone ezi-
shwathika kuloluphahla lwe-
ndlu enezintingo ezakhiwe
zabangamahele kazathotha-
na. Liza seliluba alisathu-
kuthele, loza lifike liziphonse,
phezu kwedlangala lithi
liyamcima umuntu, lo limbo-
ne kahle engena kulo, ka-
nti kulapho selizibulala
khona. Selizogaxela nge-
milenzane yonke nangе-
mikhono itengele ngaph-
akathi, bayibambe beng-
aphakathi ingasenamand-
la ngoba igaxele iyalenga
baligwazele khona lapho
nabo baningi nalo alisena-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

mandla okulwa ligaxele
liyalengalenga imilenzana
libajiwe, izikhala lezi zishi-
yelwe khona ukuba ligaxe-
le kalula.
Kalicushwa kanjalo ibubesi
kuqala ngoba kwaziwa uku-
thi lingabaqeda abantu be-
ke balinhumela inqina, kho-
na behlome bephelele, ngoba
nalo liyindoda emadodeni
liyazilwela futhi linaman-
dla amakhulu nolaka
olubi. Kalingamsukeli um-
untu ezihambela ngendlela
engaliqalile kodwa lidinwa
ukuqalwa lilwe noliqalileyo.

## Isisele

Isisele abanye abasibiza
ngokuthi umgobandlovu
isicupho okwakucushwa ng-

341

779

K13/118

aso indlovu. Zazicushwa endleleni yazo eya ezibukweni la ziphuza khona, ziphuma emahlathini la zihlala khona. Indlovu yayithandwa ngamazinyo ayo anenani elikhulu, kwakucushwa ngobuqili ngoba indlovu ihlakaniphile iyasheshа ukuyibona ingozi ngaphambili. Kwakumbiwa umgodi obanzi omude oyisisele, kuyogawulwa izinti eziqinile zicijwe kakhulu, zimbelwe phakathi emgodini, ukucija kwazo kubeke phezulu, kuzokwelekwa izintingo phezu komgodi, kusikwe utshani obuningi bendlalwe phezulu umgodi ungabonakali kube sengathi utshani nje

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

obuzimilele, angizukuchaza
la ukuzingelwa kwayo, ngik-
homba nje ukufa kwayo.
Zizothi zihamba zihalazela
sezomile ziyophuza zilande-
lana, zingene ziphonseke
emgodini zizichome ezintini
ezicijile zigwazwe izona.
Abacuphi bafike baziqed-
ele bazihlinze, yayicushwa
kanjalo-ke indlovu, ngesi-
sele esigoba izindlovu.

## Isihibe

Isihibe kwakucushwa ngaso
amathendele namakhwehla
nezinye izinyoni ezidliwayo,
bekuthi phakathi ehlathini
~~kucent~~ kucentwe indawo
enkulu ibelibala, phaka-
thi nalendawo ~~ba~~ kugxu-
nyekwe izinti ziphicwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zigxunyekwe ngapha nanga-
pha kusale isikhala phaka-
thi esilingene ukungena ithe-
ndele, kuphothwe intanjana
yenhlali ishoba lenkomo, lenta-
njana yenziwe isihibe simi-
swe sigcine ngapha nanga-
pha phakathi kulelisangwa-
na. Kuzosakazwa izinhl-
amvu zithi gqwa gqwa
zisondelane phansi kwesi-
hibe, isizofika inyoni
ikhangwe izinhlamvu izi-
coshacoshe ithi idlulela
ngale ngalo isangwana
leli izibona laphaya, kade
ibajiwe ngentanyana ngoba
intambo iboshelwe ngaphe-
zulu izoyithinta, sihlanga-
ne isihibe, kuphela isibubu-
bubuza nje, kayisekho inda-
ba isibajiwe kokuphela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

344

K13/118

# Isigcaki

Isigcaki sakhiwa ngenhlali uboya obuseshobeni lenkomo iyaphothwa ibe intambo, lentanjana yenziwe isihibe, kushaywe amafindo ukuze singaqhaqheki, kwakhiwa-ke isigcaki ngezinti ezithambile njengezomaluzwenda nezomzungulu. Lesisigcaki sezinti ezakhiwe zaphicwaphicwa zibekwe ngaphezu kwesidleke senyoni, izihibe zimiswe zibeke phansi, izothi inyoni iyangena ~~st~~ ibajwe ngentamo ikhanda libe phakathi, ubunga phandle umzimba wayo, ibubuze izihibe ziyithi nqqi entanyaneni, uma inenkanyana kade ivovekile ngoba iyekhameka, sekuphelile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ziyacushwa nangogwijo izinyoni, kugotshwa uthi ngentambo enesihibe phansi, kubekwe umbeko uthi ezofika ilunyathele kanti kucushwe ngalo, ikhangwa izinhlamvu zemithi ezidlayo, njengezomhlakuva. Iqedukunyathela umbeko kukhwibike uthi okuboshelwe kulo intambo lume luthi mpo, kade inyoni ibajwe ngazo zombili izinyawo isilenga le phezulu, ikhanda libeke phansi izimpiko zibubuza le kude, hayo isiziphonse kunoxhaka, bazofika abafana abangabanini bogwijo lapho ehlathini bayithathe baphinde bacuphe nangomuso.

## Isife

Isife senziwa ngeshe elihle

eliyisicaba, kunqunywe izinti
zomuthi, olugaphana lube insika
olusuka phezulu netshe, oku-
yilona olwengqikise itshe nge-
ngcuphe ugobelo, oluncikisa
itshe lihambe phezu kothi
oluyinsika luthandelwe inta-
njana, kubekhona umbeko
luthi olusuka phansi kwetshe
oluklaywe phakathi lwafakwa
inhlava elokhu inyakaza
ikhanga izinyoni amaqgola,
nemingcelu hamahobe.
Umbeko woncikiswa phaka-
thi nensika, intambo yogobelo
iqhamuke ngale inothana
oluzogaxwa kancane
ensikeni lubambe ngokucak-
athisa umbeko. Yofika iny-
oni idumele inhlava, kukhubi-
ke konke njengethophi, kade
liwile itshe ngci ngaphansi
inyoni, yasinda inhlava futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 347

Sengachaza ngenomfi, ngiloba ngophondo lokulumeka, umsebenzi wayo owokucupha kakhulu izinyoni ezibajwa ngezimpiko nangesisila, zibe inkatha yenkangala ngoba inomfi inindwa ezintini zomthala ezikwaziyo ukusontana nayo zigobe ngoba zithambile.

Inhlali iyaphothwa intambo kokunye kucanjuzwe izinhlamvu zommbila, kuchonywe izintambo lezi, ziyocushwa endle, zifindiwe ukuze izinhlamvu zingakwazi ukumonyuka. Izintambo ziboshelwa ezintini ezigxunyekwe la nalaphaya, nezinhlamvu. Kothelwa la nalaphaya izinhlamvana zokuluha izinyoni zozicosha zize zicoshe nezi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

nhlamvu ezibosheliwe ~~izinhla-
mvu~~ ezintanjeni zizigwinye
kube kulapho umjokojoko
wentambo usuyibamba njalo
uyisondezela esigxotshaneni
esibethelwe, isibubububuza
njalo zize ziyishiye eza-
kubo zibona ukuthi lena
iyasethusa ngomsindo kasi-
Sacoshi kahle ukudla
phansi, nathi singaze sibajwe
njengayo. Zindize zimuke
kusalele lezo esezikhingxwe
izinhlamvu neshoba, sezi-
sele ungosala, sebeza
masinyane abafana abano-
buqili bokuzigola lula
njengamadiye.
Kangisenakukuchaza
okunye okukhona ngokucu-
pha, lezizimpawu ezipham-
bili, ezinye kazisaziwa nam-
hlanje.

779 Ukusetshenziswa Kobuhlalu.

Okobuhlalu K13/118

Ziningi kakhulu izinhlobo zobuhlalu, namhlanje sekuvame namagama amaningi amasha abo, ayengaziwa kuqala, futhi kuqala kwakuhlotshwa ngamaqgobolondo ezilwane zaselwandle izimbadi neminenke enamaqgobolondo, amaqgobolondo ayelungiswa kahle achunjuzwe izimboko ahlelwe kahle kuhlotshwa ngawo.

Ingwele

Ingwele ubuhlalu obuhle obukomvu obabuligugu enkosini uShaka ehloba ngabo emzimbeni.

Isisimbula ubuhlalu obumny-

ama obabuthandwa kakhulu umdlunkulu wenkosi uShaka ubuhloba.

Imasa ubuhlalu obumhlophe obabuthandwa kakhulu umdlunkulu wenkosi uShaka ubuhloba.

Isidanga ubuhlalu okwakuphothwa usinga bube intambo ende buhlulelwe, buhlulelwe ubuhlalu kulentambo, uma sebuphelile buthandelwe entanyeni bubizwe ngokuthi isidanga baubuhloba izintombi.

Isigqizo ubuhlalu obenziwa ngokuphotha usinga buhlulelwe kuso, bugqiza esihlakaleni sonyawo buthandelezelwe kuso, bubizwe ngokuthi isi-

gqizo, bungubuhlalu obuncane obuxubile ngokuthanda komuntu, bugqiza amakhosikazi nezintombi.

Isigege ubuhlalu obenziwa ngokuphotha intambo yosinga buchonyelwe kuyo buzebube-ngangesandla, ~~bub~~ bubincwa izintombi ngaphambili zingembethe lutho.

Umgaxo ubuhlalu obuchonyelwayo bakhiwe bubebude besebugaxwa-ke, bugaxwa entanyeni kungene ingalo ibenye besebuza ohlangothini, bakhiwa buhlotshiswe ngezinhlobo ezingi zobuhlalu, buhloba izintombi nezinsizwa, bakhiwa ngobuhlalu obuncane, izinsizwa zibunikwa izintombi eziziqomile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umgexo, ukuhlalu okwakukunjwa amakha, insundwane yenziwe izigaxana ezincane lezizigaxana zibotshozwe ngezinti, kuphothwe intambo yosinga kuxhonyelwe entanjeni kuphelele umgexo kufakwe entanyeni, kufakwa amadoda, amakhehla namakhosikazi.

Ingxashi ukuhlalu okwakwekulwa ubendle kuphothwe kahle benzelwe entanjeni yosinga Ezintanjeni zobendle kufakwe izinhlamvu zomsalingi, kufindwe kahle kulinganiswe enzansi ngoka kuzintambo nje kuzobincwa njengesigege, kubincwa izintombi ngaphambili zingembethe lutho emzimbeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Umazitike ubuhlalu obuchonyelwa ngosinga bakhiwe njengesigege, lobubuhlalu bubincwa izintombi ngaphambili zingembethe, nomakoti bayabubinca.

Ixhama singingalibiza ngokuthi isibamba sokuzibopha esiswini, lelukwa ngemihlahle liqatshelwe ngobuhlalu, ububanzi balo bubaminwe emibili noma ingabamithathu, izintombi nomakothi bayazibopha ngalo.

Imfangidelile iyakhiwa ibeliswesiwe lobuhlalu kungafakwe lutho ngaphansi, kuhamba kwenziwa amaketangana obuhlalu aze ayogcina, kwenziwe ngala kuzoba ngenzansi ngakhona. Imfangidelile ibincwa esinqeni ibincwa izintombi kanye nezi-

nsizwa, izinsizwa ziyinikwa izintombi zazo ezizigqomileyo ngoba izona ezakha ubuhlalu.

Umgonqgqolozi ubuhlalu obakhiwayo, kuthathwa ubuhlalu bakhiwe kufakwe ucu phakathi kobuhlalu, kwakhiwe kube umgonqgqolozi nje, ubulingane ubukhulu ubangangesithupha wakhiwa ubenembobo phakathi enocu lobuhlalu phakathi. Uma lobubuhlalu sebuphelile bubincwa esinqeni izintombi nezinsizwa, izinsizwa ziwubinca phezu kwamabeshu azo.

Ubandeqbeke ubuhlalu obakhiwa bubeliswesiwe, kubakhona amaketanga amaningi akhiwe ngobuhlalu, buhlotshiswa ngokufakelwa izindondo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezikhala zithi kece! kece! kece!
kufakwe nezinhlamvu zombaba
wona ubincwa esinqeni izintombi
nezinsizwa, izinsizwa ziwunikwa
yizo izintombi.

Unomadasidi ubuhlalu obuxutshwa
ngezinhloko zonke zobuhlalu. Kuphothwa
intambo yosinga bufakwe buxutshwe
izinhloko ngezinhloko, buggiza esandleni
izintombi nezinsizwa. Unomadasidi
ubuhlalu obabukhulunyiswa noma
kungabe kuxabene izintombi ezithanda
isoka linye, enye yayimethuka
umnakwabo ~~ngezinhl~~ ngezinhlamvu
zalobubuhlalu kwakwaziwa ukuthi
uhlamvu lwabo oluthile lusho
ukuthi, naye o~~wa~~thukwayo
azazele ukuthi ungethuka ngokuthi.

779 K13/118

Ipasi ubuhlalu obakhiwa njengesigege, lakhiwa libe amaggebana amancane lihlotshiswe kahle ngezinhlobo eziningi zobuhlalu, lihloba ngokufakwa entanyeni izintombi nomakoti kanye nezinsizwa.

Ihlwenga ubuhlalu obakhiwa kahle, lakhiwa entanjeni ephothiwe yosinga, kwakhiwa ngenye intambo yalo usinga, lakhiwa libelide ukuze lilingane ukuhlangana esinqeni, libincwa izintombi nezinsizwa ngaphezu kwemitsha yazo.

Ingusha ubuhlalu obakhiwa ngokuba kuphothwe izintambo ezinhlanu zosinga, kwakhelwe phezu kwazo zimiswe amafolo, kuphothwe ezimbili okuzokwakhi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wa ngazo, enye ivezwe ngala nenye ivezwe ngale kwalezi ezinhlanu ize iphele yakhiwa kanjalo. Kuchelwa ngayo ekhanda izintombi, nomakoti nezinsizwa. Abanye bayaggiza ngayo ezihlakaleni zezinyawo nasentanyeni.

Ijembula ubuhlalu obabakhiwa ngobendle, kwakwebulwa ubendle buseluhlaza bomiswe, bungoma buboshwe izintungwana, bakhiwe ngobunono kahle buthungelwe ngobuhlalu enhla ezintanjeni zosinga. Kugotshwe ucingwana lwakhiwe lube isigwedo okuthiwa isipelethu, abanye bathi isiqhobosha kwakhelwe kuso, buthungelwe enzansi naso kungabi ngala sihlaba ngakhona. Kufakwa

779 K13/118

izintombi nezinsizwa, nomakoti nabanye besifazane okhakhayini ngemuva.

Umampapheni wakhiwa abe isigege esibincwa izintombi ngaphambili, uhlotshiswa ngezinhlobonhlobo zobuhlalu. Intombi iyabinca ngomampapheni ingembethe lutho.

Amagcagcane ubuhlalu obuhle obakhiwa kube izingqatshana ezifana nompapheni, zihlotshiswe ngobuhlalu obunemibalabala ngokuthanda kwenhliziyo. Amagcagcane afakwa aze agcwale intamo yonke kuze kwale nokuba umuntu aphenduke ngentamo, kube sengathi kukhona okumbambe intamo uma esebufakile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Nobubuhlalu bufakwa izintombi nezinsizwa.

Uhlanga ubuhlalu obenziwa ngomhlangana omkhulu, ~~luya~~ luyanqunywa elungwini nase-lungwini ngale, kusale ilungu libelinye, kubotshozwe emaceleni kuphothwe intambo yosinga ikhungelwe kahle eceleni icho-nyelwe ubuhlalu buze bubekude ubuhlalu.

~~Umutsha wenziwa ngo~~ kaba ~~kwabulwe ubendle,~~

Umutsha wenziwa ngobendle, kwebulwa ubendle uma kwe-nziwa umutsha wentombi enga-gcagciyo, kuphothwe intambo yosinga, bese kwenziwa ubendle bugaxwe entanjeni yosinga

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

kwakhiwe lokhu kube umutsha oweluleikile uze ulingane ukuhlangana esingeni sentombazane. Umutsha welukwa abesifazane onina bezintombi, nezinye izintombi ziyakwazi ukuweluka. Ugcotshwa amafutha ukuze ubendle bungagongobali, kodwa beluleke bubeke phansi ngoba bugcotshiwe ngamafutha. Ngenhla wakhelwa kahle ngezinhlobo eziningi zobuhlalu. Izintombi ziyawubinca zingembethe lutho uma zisina esigcawini.

Utshodo luthengwa ezitolo luyi-~~nlu~~-ndwangu elula, luhlotshiswe ngobuhlalu bakhelwe kulo lungaphela ukuhlotshiswa luyagcotshwa ngamafutha ulaza, lwembathwa izintombi namakho-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

sikazi. Kwembathwa emahlombe noma kuyiwa emsindweni noma kuhleziwe nje.

Ulimi lwakhiwa njengamagcagcane, luyigcagcane elide elishaya ovalweni ngoba amanye aqatshelwa intamo akhaule khona phezulu, lona ngoba lulude lubizwa ngokuthi ulimi kanti lwakhiswe okwegcagcane. Luhloba izintombi, nezinsizwa nomakoti uma bevunule, kukhona la kuyiwa khona.

Umqhele wakhiwa ngobuhlalu uhlotshiswe ngezinhlobo ezithile zobuhlalu, kuphothwa izintambo ezimbili zosinga, kwakhiwe ngentambo yesithathu, kupheth-elwe ndawo zombili. Uqhela izintombi nezinsizwa namakho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 sikazi akhehlile ekhanda.

Umasicosi ubuhlalu obuzube izinhlobo ezinigi zobuhlalu kuphothwa intambo yosinga buchonyelwe buhlotshiswe bugqiza ezandleni izintombi nezinsizwa.

Amansinyela ubuhlalu obuphothelwa imicu emithathu yosinga, buhlulelwe kuzo obumhlophe, buhlotshiswe emaceleni ngezinye izinhloko. imicu ilinganiselwe intamo, ilowo uboshwa ngokwawo, ukuze kuthiwe amansinyela ngoba buyamnsinya entanyeni ohlobe ngabo ahloba izintombi nezinsizwa.

Umasibunjana ubuhlalu obakhiwa bubebanzi ngenhla

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ngala kunentambo ngakhona kuye ngokuya kuncishiswa kunciphe njalo kuze kugcine ngokuba uhlamvu lubelunye. Intambo iphothwa ibende ize ihlangane isinqe somuntu kulokhu kwakhiwa izingqatshana, izingqatshana kuze kuhlangane isinqe. Kwakhiwa ngezinhlobonhlobo zobuhlalu inqobo lezozinhlobo umuntu azithandayo. Umasibunjana ubuhlalu bokuhloba izintombi nezinsizwa.

Ukepe ubuhlalu obuphothelwa intambo yosinga, kuphothwe enye intambo okwakhelwa ngayo kulentambo, ibende intambo yosinga. Uma selwakhiwa luhlotshiswa ngezinhlobonhlobo zobuhlalu uma seluphe-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 Lile olokuhloba izintombi nezinsizwa ngokugaxwa entanyeni kungene enye ingalo luhambe ngaphansi kwayo.

Umalunkwambu kuthengwa indwangu ezitolo, lendwangu iqatshelwe ngezinhlobo ezithile zobuhlalu, ikhathwa ngamafutha ingaphela ukuqatshelwa besekuthiwa umalunkwambu. Wembathwa izintombi nezinsizwa nomakoti.

Umgexo womthombothi wenziwa ngezinti zomthombothi ziyangunywa zibazwe zilingane zibengangamalunga amabili omunwe zibotshozwe, kuphotshwe intambo yosinga, lezizinti zifakwe kuyo, zimiswe zibeke phansi zilenge, zilingane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 intamo, lomgexo owokuhloba amaxhegu nezalukazi, abantu asebekhulile.

Ingeje ubuhlalu obenziwa ngokuba kuphothwe intambo yosinga kufakwe izinhlamvu zobuhlalu. kufakwe nezinhlamvu zolonyane. zixutshwe nezinhlamvu ezibomvu zomnsinsi yakhiwa ngocu lubelunye, ihloba entanyeni amakhosikazi asekhulile nomakoti.

Intothoviyane iyaqatshelwa ngobuhlalu, kuphothwa intambo yosinga, kuxutshwe ubuhlalu obumhlophe nobumnyama neminye imibala, kanye nezinhlamvu zomsilingi nezomnsinsi, ukuqabela ukwakha ubuhlalu uma buthungelwa phezu kwa

779 K13/118

noma indwangu, intothoviyane ihloba izintombi nezinsizwa.

Ingqoqa ubuhlalu obabenziwa ngamaqqobolondo, ayebotshozwa, achonyelwe ngentambo kuhlotshwe ngawo esihlakaleni.

Intsephe lutshodo oluthengwa luklaywe bese luqatshelwa enzansi ngobuhlalu lube amalenceza alengayo, luphothwe-ke.

Uqomondo ubuhlalu obabuqqiza amakhehla abubeke ngaphansi kukangiyane, amanye ayebuqqiza ezihlakaleni.

Umketengu ubuhlalu obabuhloba izintombi nezinsizwa, kuthiwa umketengu wabulala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ilizwe lakwaMshukanguko nelakwaSidoyi, ngoba intombi yawunika abesinye isifunda wabonwa usulgqize insizwa yalapho kanti ntombindini kawukabali laba abanye. Zaxabana izinsizwa zalimazana kwaze kwangena ezifundeni zonke kwaliwa kakhulu. Okunye kungathi intombi yayeboleke enye intombi ethandana nayo ngobungani, kwaxabana izinsizwa ngalokho, lwasuka udweshu lolo olwabulala ilizwe.

Idlelo logwayi liyaqatshelwa ngobuhlalu ~~betu~~ buchonyelwe kahle buqale esinqeni kuqatshelwe lonke idlelo ngabo libephakathi, kuthungelwe umba wokulilengisa, elezinsizwa nezintombi nomakoti.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Obunye ubuhlalu.
Ziningi kakhulu izinhlobo zobuhlalu ezakhiwa namuhla, sekuvame namagama abo amasha amanye ahamba nezinsuku zanamuhla. Ukubizwa kobuhlalu akufani yonke indawo abanye babiza bona lobo ngelinye igama, nazi ezinye izinhlobo zobuhlalu ezivame namuhla.
Iketanga, ujantshi, iphepha, uhluphuthuli, indavathi, uqinxi, iva, uthandiwe, namanye amaningi.
Amaphepha ubuhlalu obufakwa izintombi nezinsizwa entanyeni bube isixha bunolinyana oluncane.
Nabo bonke lobu bufakwa izintombi nezinsizwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# 779 Ukusetshenziswa Kotshani.

## Okotshani

K13/118

Ziningi izinto ezazenziwa ngotshani, imvama yazo isenziwa nanamhlanje, izinhlobo zotshani besikhotha obusikwayo ilezi: uhlongwa okuthiwa uqunga umthala, umcele okuthiwa intunga, umxhopho, umuhlwa.

## Isilulu

Isilulu salukwa ngotshani, kusikwa umcele okuthiwa intunga, lobu utshani obuncane obunubunubu, ubude babo bungangengane esineminyaka emine, busikwa buboshwe izithungwana akanye bathi amaxhawu, kwelukwe intambo yomnguبu noma eyomsingizane noma obunye utshani obutholakala kuleyondawo yelukwe ibe isinqanyana

iyona ezoqala isilulu. Owesifazane
usiqala emi ngezinyawo efolile
kuze kuthi la sesiyintende
aguqele kusona abelo ezungeza-
naso. Ucaphuna isixcha sotsha-
ni kwesinye isithungu, kade ezi-
cwile emanzini ukuze utshani
buthambe bungahlabi izandla
nokuba bephuke. Ububeka abu-
phambanise phansi abuhlanga-
nise ngentambo eyibeke ngaphansi
esinqeni, ayiphendule qede ace-
mbule isinde phakathi, lithi
lilinye lizale amasinde amabi-
li, uselo enze njalo kuze kuye
ngokwanda amasinde ngoku-
wacembula, uwacaza awali-
nganise onke. Kuphela intambo
yesinqe, eluke ngotshani abufa-
kele, elukela ngabo bunquma
lobu obumile babeka phezulu,
weluka sengathi uyaphica

779

K13/118

abufake ngapha, obumi bubuye ngapha abulethe ngapha obumi bubuyele ngale njalo. Uma sebuncipha abufakele ukuze ~~ba~~ bulingane, uma sizoba sikhulu dwacaze njalo amasinde ukuze senekeke sibesikhulu, kanti uma ethanda ukusibutha sibuye ubangqa amasinde.

Kokunye umba isisedlana esilingene isinqe asithi khaxa phakathi, eluke siphakathi abudonsele kuye utshani eqinisa, ufuna ukuba sime sibeke phezulu utshani baso, futhi lapho efuna ukuba sibe ~~amg~~ amagubungu sibe indlu ubangqa amasinde ngamabili, sosuka sishwilane amasinde awelukayo, usephuma phakathi usezoselukela ngaphandle egugile aze ame sesiphakeme.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Sesiphelile sesiphethwa phezulu
isinde ligotshelwa kwelinye kwep-
hulwe elinye ligotshelwe kwelinye
kuzungezwe umlomo waso woze
ubemncane ulingane ukungena
ingane ezoshayela izibi ezipha-
kathi ebeziwuthuluka kwelukwa.
Sesiphelile kugawulwa amaba-
xa ehlathini, nezikonda ezi-
~~nge~~~~nam~~~~wabaxa~~ ngenambaxa
zicijwe zigxunyekwe sezilinga-
niselwe kuso ubukhulu baso
zime ezinembaxa, kugaxwe
kuzo ezingenambaxa, kodwa
zingenziwa ithala, ngoba asi-
hlaliswa phezulu sihlaliswa
phezu kwazo zenziwe imibeka
zigaxwe nganxanye kuphela
nganxanye zibekwe phansi
ziphambane phakathi phansi
zibeziningi. Lokhu kwenzelwa
amanzi ehlobo selina ukuze

779

K13/118

singaboli uma ischiba linge-
nela amanzi, sona sihlale
somile, singenisiwa sithiwe
khaxa kulezombaxa sime
siqonde sibeke phezulu.
Sothelwa umbila phakathi si-
gcwale, uhlohlwe ngezigqulo
ukuze siqumbe, namabele
ayathelwa ebuqelwe
ngomzala, umlotha ukuze
angasheshi ukuphehlwa imbov-
ana. Izimbaxa zibekelwa
kudana nazo ukuze kuthi
nxa sesiqumba angasicinde-
zeli sifacake siphume amaqhu-
bu ngapha nangapha nezifa-
ca ngapha nangapha, um-
mbila osiqumbisayo siye nga-
kuya size senqike ezimbaxeni.
Sihuqwa ngokulongwe umzimba
waso, kwenzelwa ukuba ama-
gundwane angasheshi ukusi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bobosa, axoshwe liphunga lobulongwe, athi noma ezodla ummbila angene ngaphezulu ngoba kasivaliwe, kodwa akanye bayasivala, basenameke phaqa ngobulongwe wonke umlomo waso amagundwane asibobose ngaphansi, nasemaceleni angene, ummbila uyaphehlwa esiluluwini phakathi nehlobo selethwasile udliwe imbovana, kungakho bezama ukusivalisisa ukuze singashayimoya phakathi.
Esinye ~~sef~~ singena isaka elilodwa kuyengokuya, ezinkulu ziyawangena aze afike emashumini amabili; zisuke zizinkulu-kee lezo.
Isilulu siyamiswa nasesibuyeni, sakhelwe isihongo ngezihlandla zosthani, zelukwe

779 K13/118

zelukwe emaceleni zihlangane phezulu ziphume umboncosana. Isihlandla siyasigubuzela isilulu, singene sithi khaxa ngaphakathi.

Icansi nesicephu

Icansi lelukwa ngencema nango mihlahle, incema inezinhlobo ezimbili, ekhiwa elwandle ibizwa ngokuthi umevana ngoba inameva phezulu ahlabayo, enye ikhiwa emifuleni emikhulu njengoMzimkhulu noMkhomazi, 'nakweminye imifula emikhulu, le kuthiwa incema nje, amanye amacansi elukwa ngenduma, amanye elukwa ngendawo.

Isihlandla yilo icansi selukwa ngekhwane, esinye selukwa ngebuma, esinye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ngentshemulane, intshemulane imizi emila emahlathini okudabuka.

Icansi likizwa ngokuthi ucansi nangokuthi ukhukho, kwelukwa nezicephu amacansana amahle amancane ahlala emalawini ezinsizwa. Incema ekhiwa emmfuleni itholakala ezighinganeni phezu kwemifula eduze kweziziba, ikhiwa ngokusishulwa yenekwe iyizichana, ithwalwe iyizinyanda iyokwenekwa kahle ekhaya, ikx ilo iphendulwa seyomile iyahlungisiswa kahle ibisikoshwa izithungo ezihlanganisa izandla.

Incema ekhiwa elwandle iyasikwa yona, imila emachibini emifula phezu kogu lolwandle, isikwa yenziwe izi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

hlandla yenekwe, noma ibosiwe izinyanda ithwale iyokwenekwa emakhaya. Iyahlungwa, ikhethwe ende ibeyodwa eyokweluka amacansi, emfushane eyokweluka izicephu.

Kwakuphothwa izintambo zomphuhlane zibe izintanjana ezincane zokweluka incema, amacansi encema elukwa kahle ngobunono, amabanga amancane, kweqiwe njalo indawana kubuye kwelukwe amabanga athothene kakhulu hiyahlotshiswa ngayo intambo yenziwe amaqwingcixqwingci nangayo incema lwenziwe isiphambano, imizi yalo isilinganisiwe yahlelwa yelukwa umucu ngamunye.

Izintambo zibambili, enye ibangaphezulu enye ibenga-

779 K13/118

phansi, imizi yencema ike-
ngaphakathi, lezizintambo
zizokwelukwa ziphamjaniswa
engaphansi iyengaphezulu
engaphezulu iyengaphansi
kuphakanyiswe umuzi kwehlis-
we intambo, kwenyuke enye.
Ekupheleni liphethwa ngemigqa
emibili yentambo eyelukwe
yathothana, linqunywe kahle
lilinganisiwe lingabi nama-
gwingcigwingci.

Icansi elelukwa ngemi-
hlahle, imihlahle isikiswa
okwencema nayo imila
emmfuleni inemihlonzo, iyas-
uswa lemihlonzo sekwelukwa,
uma ingasusiwe isika
izandla, elemihlahle lelukiswa
okwecansi lencema.
Ukwalukwa kwecansi okuthiwa
isihlandla eselukwe ngekhwane

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ikhwane limila emachibini, ezihlanjeni njengebuma nomthala omila ezimfundeni zezihlanjana. Ikhwane libanzi ngakho liyaklaywa, seliklayiwe phakathi, lelukwe kubangqwe imicu emibili sikhathi sinye, lishaywa amabanga amakhulu lize liphele lenziwa njalo, kodwa libelelukwa kahle khona kanjalo, liphethwe kahle emaceleni linqunywe Icansi eliyisihlandla elelukwa ngentshemulana nalo ~~leb~~ lelukiswa okwecansi elelukwa ngekhwane.

Izicephu zelukwa ngemizi emifushane zelukwe kahle njengecansi lencema zona zihlotshiswa kakhulu, amacansi encema, nezicephu zencema nezenduma, kwabiwa ngawo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emzini lapho intombi yendela
khona yabela abomndeni
wakomyeni. Izicephu zihlala
abanumzane nezinsizwa
nomakoti nezintombi.
Uma umakoti esaba emzini
uhlalisa umkhwenyane esiceshini
esinye abeke izinyawo zakhe
kuso. Amacansi abelwa oyise
nonina, abafowabo nodade-
wabo, kuye ngokwedlulana,
oyise nonina abamacansi,
kuye ngobukhulu kubafowabo
nodadewabo abanye abama-
cansi abanye abezicephu.
Izingane zabelwa izigege
zokulinca nezingxashi.
nomazitike.
Induma incema ekhiwa
elwandle, imizi yayo imhlophe
qwa, kanti enye incema ithan-
da ukuba nemizi ebomvana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ubumhlophe bayo buthophele.
Amacansi ekhwane nawebuma awokulala izingane nonina abanabantwana nezalukazi ngoba bathi ayabanda awencema, abanumzane balala kwawencema, bayawelakanyisa aze abengamabili noma ngamathathu, izinsizwa nezintombi zilala ngawencema kodwa ezithandayo ziyalala ngawekhwane.
Ayasongwa agaxwe ezintini ezingamabaxa ezigxunyekwe endlini zabekelwa umbeko amacansi okulala, amanye ahlala emalawini la kungekhona intuthu agaxwa emgibeni.
Amagama amacansi ahlukene, awencema amanye elukwa kuthiwe isikhumo,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngoba elukwa amabanga
amancane odwa akhume
kakhulu intambo, amanye
kuthiwe ubangazana elukwa
amabanga amancane ahlotsh-
iswe kahle, kubuye kushaywe
ibanga elikhulu, kwelukwe
elincane, kubuye kushaywe
elikhulu ~~bz~~ aze aphele
elukwa kanjalo kuthiwe-ke
ubangazana. Icansi
~~[illegible]~~ abanye ~~bathi~~
ucansi noma ukhukho.
Lapho lizokwelukwa icansi
linyenyezwa ngamanzi
imizi kuhlondaniswe nendawo
ezokwelukwa ukuze ithambe
ingephuki, owesifazane
owelukayo uhlala phansi
azinze kahle enabe iziny-
awo zakhe alibeke phezu
kwakhe aleluke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

# Umumba

Umumba welukwa ngencapha,
incapha isishulwa esidakeni
iyimizi imila ilale phansi
ithi watha, emihosheni ya-
mahlathi phezu kwemifula
ifana nomxhopho.
Incapha iyasishulwa ikoshwe
izithungwana iphonswe phezu
kwendlu yomiswe ngoba izin-
gane zingadlala ngayo uma
iphansi, ubude bayo bunga-
ngengalo yelulekile, uma
sekwelukwa kunqunywa iziqu
nemishoba, kulahlwe, kuthi
okuzokwelukwa kunqanyul-
we phakathi kabili, kweluki-
swa okobijo, kwelukwa nge-
mizi eyisithupha ngoba
imizi yakho mincane inga-
ngomsingizane, uma isicwili-
swe emanzini iyadamba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

iyadumba kancane.
Kwelukwa imizi yayo ibekwe
ize ibe imfuma, ibeyinqwatsh-
ana ayelukiswa ~~okwaantamba~~
okwesifociya ngoba sona selu-
kiswa okwentambo, yelukwa
intambo inquntwe kahle, lokho
kusho ukuyicwecwa, ngoba
uma seyelukwa iyaphela
ichunywe njalo.
Umumba unjengesifociya
owokuzibopha, isiyelukwe ya-
phela intambo kuphothwa
intambo yozi ibende, kubaz-
we izinti ezimbili, zigxunye-
kwe phansi ububanzi bulinga-
ne nokhalo nesisu somuntu
ozozibopha ngawo umumba.
Kugaxwe intambo ngapha
nangale iyoze iphelele lapho
izongolozelelwa, kuthathwe
eyozi, umuntu aguqe agonda-

779 K13/118

ne nezikonda abephakathi
nendawo, abambe ngakutha-
thu athathe eyozi akweluke
ngozi phakathi nakho njengo-
ba esuka eluka icansi, nase-
maceleni omabile eluke kanjalo
ngasezikondeni. Zingakakhi-
shwa ~~[illegible]~~ izibonjana kufa-
kelwa amafosana esikhumba
sembuzi, kuyasuswa lapho,
sekuqatshelwa phakathi nase-
maceleni omabili, kube izig-
aba ezintathu ayi yonke
indawo. Umumba isibamba
sokuzibopha, amakhosikazi
azibopha ngawo, izintombi
uma ziya odwendweni
ziyosina ziyazibopha ngawo,
kodwa owazo ubamncane
kungaki umumba omkhulu
onjengowamakhosikazi.

779 Unyazi K13/118

Unyazi kwelukwa ngencema, kugalwa njengoba kwelukwa isilulu, imizi iyaklelisiwa yelukwalukwe kancane, kuphendulelwe isibonywana sakwo sibuyele ngaphakathi, kubangqwa imizi ibengamibili, kudlulelwa kweminye sekucenjulwa omunye umuzi kulena esibangqiwe ubangqwe nomunye futhi nakuyo kuzocenjulwa omunye ~~uka~~ ubangqwe nomunye, kwelukwe kanjalo, uma ~~seku~~ sewu phela, ingabe isabangqwa imizi kodwa ivulwe ichitheke ukuze kuncipke ngesinqe kwande ngomlomo. Sekuphethwa ukuze kungabe kusaqhaqheka kwephulwa umuzi kweqiswe omunye phezu kwawo, yenziwe njalo yonke imizi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kuze kuphele kwenziwa njalo. Lezizi~~khamba~~ imbenge ziyedlulana ezinye zibankulu, ezifaka umcaba wabanumzane, ~~ezinye~~ zincane, ~~lezo ezakufaka~~ ezilingamaf namagoma zithwala ukudla ~~ezinkezo zokuudla, zisebenzela~~ emasimini ~~wakhona kunga pheba uku- dla zihoshwe kudliwa.~~ Amakhosikazi namadoda athandayo ayaweluka unyazi kunye ngokuthanda komeluki. ~~Ukubangenkathi unyakeni iziganaubaca, zengathi akaanaga kwathi isa- mpontsho wonnaa isaampampa.~~

## Isihlenga

Isihlenga sokuhlengela emanzi- ni omfula uma ugcwele isona esasiweza abantu emifuleni emikhulu njengoTukela noMzinyathi, uMzimkhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

no Mkhomazi neminye eminingi
bengakafiki aBelungu nezike-
be zanamuhla namabuloho
okuwelwa ngawo emazibukwe-
ni. Kwakusikwa umhlanga
phezu kwemifula ecaleni-kwezi-
ziba ezinzulu, nasezihosheni
zamachibi ekhwane nemith-
ala nebuma nomhlanga,
lomhlanga wabuboshwa kahle
inyanda isihlelwe kahle.
Inhlambi eweza umuntu
~~isafakaranma~~ isifaka ema-
nzini isihlenga isiqhube
ngesifuba ihlambe ngeza-
ndla nangezinyawo, umuntu
alale phezu kwaso ethwele
izingubo zakhe ekhanda
aze ayowela, sibuyele
emuva siyolanda omunye
isihlenga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

# Isifociya

Isifociya ngokunye sibizwa ngokuthi ixhama sengike ngachaza ngaso ngichaza ngobuhlalu ukuthi sihlotshiswa ngobuhlalu. Selukwa ngemizi yemihlahle, uthsani obumila entabeni emahlanzeni, iyasikwa yenekwe, seyomile iyaklaywa kuthi okungaphakathi ububhumbu bayo bulahlwe. Kwelukiswa okwentambo ngemi-cu emithathu, kube intambo ende, kuphothwe intambo yosinga ibende. ububanzi baso bubangangekbande lokhalo singaze sabasibelekexe, izintambo zimiswa kahle zanele ukuphela isifociya, zithungwe zihlanganiswe zihlotshiswe ngentambo yozi noma ziqatshelwe ngobuhlalu. Izintombi zisifaka ziphuma

ziyosina emgidini yodwendwe.

## Ihluzo

Ihluzo laziwa ~~kaokha~~ kakhulu ngokuthi isivovo noma ivovo, lihluza utshwala nxa sebubilile baqeda kuthathwe lona buhluzwe ngalo. Ihluzo lakhiwa ngemizi yemihlahle, nangencinini nangencema nangelala. Imizi yelala iyaklazwa phakathi, kuphanjaniswe imicu lelukwe, kusongwe amafindo ekuqaleni, lelukwe kanjalo lize liyophela phezulu, lona liqalwa ngasemlonyeni, libenomlomo omkhulu, lakhiwe njalo lenyuke lize liyogcina esingeni lenziwe inkibe ukuze ligaxwe ngayo. Lithungwa libelide isandla singena siphelele kulo nengalo yaso, libalikhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngasemlonyeni liyengokuncipha lize liyobalincane esinqeni salo.

Elithungwa ngemihlahle liyaphothwa, kuphothwa izintambo ezi-ningi zizezibe ingwaba ubu-ningi bazo, kuphothwe enye intambo yokuthunga, kufakuza-iva, lichushwe ngalo, nalo liqalwa ngakho ukufinda amafindo, lichushwe lenyuka njalo lije ngokuncipha, intambo ephothiweyo ilokhu izungeza yona, lithungwe ngokubuyiswa. Imicu emifushane ilo isisala, ishiywa isibuyela ngaphakathi, emide ichushwe iyephezulu, ekugcineni kuhlatshwe ngeva kuthungelwa intambo, liboshwe nsi liphume isiqhovana.

Uma livova kuthelwa utshwa-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779

la kulo likanjwe ngasemlonye-
ni ngesinye isandla esinye
silikhame kuvuze bonke
utshwala kusale izinsipho
zingenalutho.

Isichumu

Isichumu sithungwa ngelala
isitsha sokuthela utshwala sak-
hiwa sibesikhulu esinye silinga-
ne nempofana yamanzi
esinye sibengangokhamba
olukhulu, sima sibe isigu-
mbuxukazi sibesikhulu
sithungwa sibuyiswe umlomo
ubemncane. Isichumu sifake-
lwa ngotshani ingongoni bese
sithungelwa ngelala, sithung-
wa ngeva okuchunjuzwa
ngalo kufakwe umuuw wela-i
la udonswe ngale, othungayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uhlala enesitsha samanzi
acoboza kuso njalo ngeminwe
anyambise imicu athunga
ngayo. Kufakwa iva lichumb-
uze njalo size siphele kanjalo
noma sesiphethwa siphethwa
ngalo ilala ngokuphela
kwaso sithelwa isijingi sotsh-
wala esikhangulwa ngaso
siginiswe sipholele kuso,
utshwala obuthelwa esichunyini
abonakalisa buhle bupholile,
isichumu sibizwa ngokuthi isithundu.

## Umshayelo

Umshayelo wokushayela phansi
ezindlini wenziwa ngezinhlo-
ko ezithile zotshani ukhona
owengongoni, nowokhasi,
nowesundu, nowelala,

## Umshayelo wengongoni.

Kusishulwa ingongoni, imila

emaqeleni ezintaba ibeningi, ba-
yiphumela imiqobo omame bayo-
yika isivuthiwe, babuye nayo
iyizischa zezithungu.
Uma sekuthungwa umshayelo
iyakhandwa izigqu ithambe
ihlunguleke kahle, yelukwa
ngentambo yesonya noma
ngentambo yesikhonko, lentam-
bo yelukwa ibencane ubude
bayo bulingane nezingalo
zomuntu zenekiwe, uthandwe
ulinganiselwe ukugcwala
isandla sokubamba, wenzi-
we izischana ezintathu, utha-
ndwe ngentambo. Intambo
izogaxwa phakathi kwezischa
na ezintathu ingene kahle
idonswe ukuze umshayelo
uqine ungaze wahushuka
nxa ~~st~~ sekushayelwa,
usuphelile ukuthungwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 izintamjana ezibophe izixhama ziyasonjululwa ngoba usu-
thungwe waphela. Usunqu-
nywa phezulu ulinganiswa
kahle.

Kukhona emincane eyalukwayo
okushayelwa ngayo amatshe
okugaya uma bekugaywa
ukudla okuyimpuphu, okus-
hayelwa ngawo uhlonywe ezintu-
ngweni ngaphezu kwetshe loku-
gaya elisendaweni yalo end-
lini. Eminye eyamalawu
ezinsizwa nezintombi ibamihle
lena, ithungwa ngentambo
yozi, iqatshelwe ngobuhlalu
inezihibe zokuyilengisa
ogibeni lapho ingasetshenz-
iswa, eminye emikhulu
eyezindlu. Eminye ithung-
wa ngentambo, kuhlatshwe
ngeva kudonswe intambo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

iphume ngale, kubuye kuhlatshwe idonswe ngale, ibuyiselwe emuva, njalo uzithandeke kahle, kube nezindawo la intambo ihamba inkintshelwa khona, uthungeke uqine nko ungakwazi ukuhushuleka.

Umshayelo wokhasi, ukhasi utshani lobu obeluka nezintambo zokuthunga uma kufulelwa izindlu, lusikwa luboshwe izithungu, sekuzothathwa kuzo lezizithungu kuthungwe ngaso umshayelo. Ukhasi luboshwa phakathi luqiniswe ngentambo lwephulwe lugotshwe lubuyiselwe ngaphakathi, luhlanganiswe, luthungwe ngaphandle intambo ethungayo iwundliswe ngoba izintambo zimbili

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

779 ezithungayo. Enye intambo othungayo ucembula ayigaxe, enye ilale iwundle njalo uzuphele uthungwa kanjalo lomshayelo, intambo iyadonsisiswa iqiniswe ukuze ungahoshuki uphele kushayelwe ngawo.

Umshayelo wesundu
Isundu liyamila emihosheni enamahlathi emahlanzeni anemifula emikhulu, livame kakhulu ngaselwandle, umuthi obukeka kahle kakhulu kuyathungwa ngawo izinto ezithile.
Kugawulwa izinduku zesundu, zicandwe phansi, kuxhozwa xhozwe induku yesibambo, ngala kuzoba ngumshayelo ngakhona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kukhandwe kakhulu ngetshe kuwohloke okukhandwayo kusale izinti ezininingi ezizinsaba, zicazwe zivuleke zigwezwe emanzini kuphume yonke imfungumfungu kusale izinti zodwa, ungunywe kahle phambili ulinganiswe, kube umshayelo, kwesinye isikhathi kwenziwa isibambo sibeside umuntu akwazi ukushayela engafolile, kwesinye isikhathi singqanyulwe sibesifushane umuntu ashayele ngawo efolile njengeminye.

Umshayelo wesundu muhle ngoba ulukhuni uyephuza ukudleka nokuguga, uhlala isikhathi ushayela, kuye ngokuya udleka uze ube isigqunswa-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

na esingasenamsebenzi.
Uma kushayelwa ngawo umzima owesundu, uyasinda esandleni.

Umshayelo welala
Ilala uma lisetshenziswa liyaklaywa kuphume imidweshu ethwibilekile yokwaluka nokuthunga kusale izingqondo zodwa ezilukhuni, kuthi la sezizinningi sezingaphela umshayelo, zinganyulwe kahle zilingane ngaphambili nangemuva, isiqu siqqulwe phansi silinganiswe, isithungu sazo sikoshwe phakathi naso ngentambo iqine kakhulu zihlangane izingqondo zibe umshayelo wokushayela, uqinile lomshayelo.

Ingqalathi

Ingqalathi ilonasaka labantu bakuqala elalakhiwa libe umhlube nje ngotshani, kwakusikwa uqunga noma umcele lobutshani buhlungisisiwa bese kwelukwa intambo, kuthungwe njengesihlandla, sekuphele lokhu siyathungwa isihlandla sihlanganiswe ngenzansi sivuleke ngaphezulu. Kwakuthelwa kulo ukudla namabele acwiliwe ezoba imithombo, lelisaka lalithelwa liboshwe nko ngentambo, abadala abanye basalithanda nanamuhla kodwa kalisavamile ukuba khona sekwanda amasaka esilungu.

Isithebe

Isithebe selukwa ngemihlahle

nangencema siyelukwa kodwa simisiwe ngemihlahle. Imizi yemihlahle iyacazwa iphothwe imiswe, sekwelukwa iyacwilwa emanzini iqaqwe, siqaliswa okwecansi sisasuka phansi, lase selukwa selukiswa njengoba umuntu ephica indlu, kwelukwa kuze kufike ekugcineni, siphendulwe selukwe ngapha futhi selukwe kanjalo size siphele kulo kunjalo.

Siphethwa ngentambo yozi ngenhla nangenzansi, kwenziwe isihibe sokusilengisa, sinawe lwe ngokunqunywa kahle, kuthi phakathi kunquntwe obekusalela kufakwa imizi. Izithebe ezokugayela ukudla akesifazane kayaphakela phezu kwaso umqhoko wamathanga namaselwa. Kuyabi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wa ngezitheke emzini, izona
ezibeka izinkamba uma sekuza-
biwa. Ezinye zinkulu kakhulu
kanti ezinye zilingene ubukhu-
lu bazo. Isitheke sinezinsika noma zin-
tathu, kubangqwa imizi emithathu.

## Inyakeni

Inyakeni okuthiwa isimpontshi
noma isampompo yelukwa
ngencema noma ngekhwane,
nangelala, iyisikhwanyana
sokufaka izinkezo zibekwe
ngayo, yelukwa ibe ngumhula-
na ongena izinkezo zime phaka-
thi, yakhelwa isihibe sokuy-
ilengisa emgibeni endlini.

## Iguza

Iguza ijwabu lesikhumba se-
nkomo liyaphalwa kuso, kuthi
la esemaningi afafazwe nga-
manzi, agayisiswe abe inhlama

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118



abunjwe njengokhamba, abuyiswe intanyana, umlomo ubemncane, kuvalwe ngesivimbo, kube lishungu logwayi.

## Iqoma

Iqoma lelukwa ngelala nangengongoni, nangomsingizane nangethembu, nangokhasi. Ukhasi lwebulelwa uzi lwebunda kuthungwe ngalo, ingongoni iklayelwa intozwane yebulwe kuthungwe ngayo. Ukuqalwa kweqoma, liqalwa ngokuthandwa kumiswe lokhu okulidlungulana okuzoba isibonywana, liqalwe sengathi isibonywana sizoba ngaphandle kanti sizophendula sibuyele ngaphakathi.

Kuvundliswe ingongoni ibe izingqondo kucunjuzwe ngeva noma usungulo, kufakwe umusu wentozwane udonswe, lithu-

ngwe kanjalo liye likhula zila-
ndelane izingqondo lize lipha-
kame libebanzi, othungayo
esebona ukuthi selilikhulu
selinokudla okuningi elinga-
kuthwala aligcine ngokuliphe-
tha ngolungathi luphakeme
ungqondo kunezinye lubeqatha
Lapho kwenziwe imicu emibili
yentozwane, omunye kuhlatsho-
hwe ngeva ungeniswe ngala
omunye kuhlatshwe ngeva u-
ngeniswe ngale, idonswe ipha-
mbane, ubeke emuva omunye
ubeke phambili, kuthi okupha-
mbili uhlatshwe ubuyiselwe
emuva, ubuye usiwe pham-
bili kube umthungo omuhle
oqinile umphetho walo, u-
thungeke uhlangane.
Amaqoma ayathungwa na-
ngelala nangesundu, ayizi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

qebetho zokuthwala ukudla nxa kuyofulwa, noma sekuvunwa noma kweliwa ummbila, namabele, nezindumba kanye nezindlubu, iziqebetho eziqinile kakhulu.

## Imbenge

Imbenge iqalwa ngenkalankala kuthathwa ilala ~~elicayiwe~~ elingacayiwe phakathi liphindwe kabili, lihlale libe isicaba phezu kwelinye imicu yalo iphume ifulathelane ibemine, omunye ubeke le omunye ubeke ngale, nomunye ugonde le, bese licaywa phakathi liba imicu emincane, kuhlatshwa ngosungulo emaphethelweni enkalankala kufakwe umucu, usuzofakwa kuzungezwe inkalankala

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isinge sayo, seku ukusuka
kwalo lithungwa, selifakelwa
imiqolo yezinggqondo zelala
ziqalwe zizincane ziye ngoku-
ya zikhulakhula, ~~A~~ ize ibe-
banzi imbenge ikhula, uma
isithungwe yaphela isizophe-
thwa njengeqoma, kuphanja-
niswa umucu umunye ubeki-
swe phambili udonswe uqiniswe
ngaphakathi, uhlatshelwe
ngosungulo ubeke emuva ubuye
ucunjuselwe ngalo ubeke pha-
mbili, ukhishwa ucunjuselwe
ufakwe udonswe ~~Zo~~ ize iphethe-
ke yonke kanjalo.
Imbenge izibekela ukhamba-
nona olotshwala lomnumzane
lubekiwe, ikakhulu izibekela
ukhamba lwamasi omnumza-
ne, iphatha umcaba, kupha-
kelwa kuyo ukudla okuqinio

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

le umbaqanga obunjwayo noku-
dlela izinkobe, abesifazane
bayibiza ngokuthi inkange-
zo. Ezindlini zabancane nabo
bayazitshekelelwa ukudla kwabo
ngembenge, ngoba noyise abezu-
kuya ukuyobona ukuthi bay-
azitshekelelwa, kodwa engena
zembulwe lapho bezizitsheke-
lwe ngoba uyahlonishwa.
Ivame ukwelukwa amadoda.
Igoma elelukwa ngemizi yemihla-
hle elithambile, libizwa ngokuthi
inyekevu lakhiswa okwesilulu
uma lihlezi liba inyekenyeke
ilona futhi okuthiwa unyazi,
kanye ~~no~~ nembenge ethambi-
le eyelukwa ngemizi yemihla-
hle kuthiwa unyazi, uma
kudliwa ziyabekwa izinkezo
ngayo, kwakinye isikhathi
uqatshelwa ngobuhlalu emaceleni

779

K13/118



## Isikhetho selala

Isikhetho sokukhetha utshwala sebuthungelwe okanjeni salukwa ngezingqondo zelala, ziphalwa kahle zelukiswe okwecansi sisye ngokubuya siyohlangana enzansi. Kuphanjaniswa imicu yelukwe ihlanganiswe kuthathwe ilala elicayiwe lithandelwe kahle emuva, ~~kwa~~ kwenziwe isihibe, sithandwe ngelala esokuphanyeka isikhetho la singenzi lutho.

## Umhlanti wotshani

Umhlanti wokuthwala ukudla wawalukwa ngotshani, okuthambili umcele omfushane, wawelukwa njengocansi, wawusethenziswa nxa kuthwalwa ukudla amasaka lana esilungu engakaziwa nempela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 

K13/118

# Iziqqoko

Iziqqoko ziyelukwa ngothembu, nangomsingizane, zelukwa njengoba kwelukwa iqoma noma imbenge kodwa ukuma kwazo, zimise okwesiqqoko sokuthwalwa ekhanda, zazingavamile kuqala, ngingathi zazingekho, sekuyinto yanamuhla iziqqoko zotshani.

# Izikhwama zelala

Ziningi izikhwama ezelukwa ngelala, liyacaywa phakathi kuthungwe isikhwama kuphanja niswa imizi yelala, eminye imizi imisiwe eminye ivundlisiwe njengoba kuthungwa isitheke, kodwa imicayo ibebanzi. Lezizikhwama zakhelwa izivalo nesilengiso, ezokuthwala izinto nemithi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

15 410

# Ukusetshenziswa Kwentambo nokombala.

779

K13/118

Okwentambo ~~nokombala~~

Ziningi izinhloko zotshani ezaqisetshenzisela ukweluka izintambo zotshani zokusebenza imisebenzi eminingi.

Usinga intambo yokweluka nokuthunga ikakhulu izidwaba, nobuhlalu, neziphuku, nezikhakha neminye imisebenzi njengoba ngichaza kwezinye izindawo. Luyaphothwa ngemicu emibili selomile, luqala ngokomiswa lushukwe luvuthululwe inyama eseyomele kulo lube imicu, lugcotshwe amafutha. Lungathamba luyaphothwa lube intambo. Lugululwa emhlubulweni nasemkhonweni yenkomo kadeihlinzwa, luyaziwa futhi luyabonakala ngaphezu kwesitho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

luvela kungasuka isikhumba senkomo ihlinzwa.

Umxhopho utshani obumila esidakeni, bunubunubu buthambile kwelukwa izintambo ezinhle zokufulela izindlu, uyasikwa lapho umile khona wenziwe izithungwana.

Umphuhlane obizwa ngokuthi uhalibomá owawutshalwa uzungeze imizi, nezibaya zakhiwa ngawo, usikwa amagceba awo, agxotshwe ugezwe emmfuleni kuphume izintambo ezinde ezimhlophe qwa, zenekwe zome. Kwakwelukwa ngawo izintambo eziqinile zokutheza izinkuni, nezokuqhobosha izinjomane, zaziphothwa izintambo zawo kwelukwe ngazo amacansi, wenza namuhla

K13/118

izindophi ezinhle nezinto ezithungwe kahle ngezintambo zawo.

Inkomfe utshani obuthanda ukubamnyama, bumila izithungwana, inkomfe inezigaxa phansi ezifana nezamadumbe imila enkangala. Ikhiwa ekwindla kuphela sekuzovunwa ngoba azithintwa izinto eziluhlaza ehlobo ngoba zibanga ukuba izulu lidume kakhulu nayo isuke ingakavuthwa. Ukukhiwa kwayo iyasishulwa, iboshwe izithungo, iyelukwa izintambo ezisetshenziswa uma kufulelwa izindlu noma kwakhiwa amaguma nezihongo nezibuya.

Ingongodwane utshani obuthi abube njengemihlahle kodwa

kube kungeyona imila emaxhaphozini ezihlanjeni zamanzi, iyasishulwa ilukhuni. Uma seyelukuwa iyagxcotshwa ngenxa yobulukhuni bayo. Izintambo zayo zeluka izihlahlalla zokusonga imifunzo yogwayi nensangu, zithunga utshani bezindlu ezifulelwayo.

Indlolothi utshani obuluhlaza imila ngamicu emibili noma emithathu, imila enkangala, iyathanda nasezihlanjeni zemihlanga, iyamila nasemahlangeni amasimu, isishulwa kungena ubusika, iyakhula ibende yephuke ilale uwatha phansi, yeluka izintambo zokutholela izinhlanga nezinkuni. Uma isiyomile iyangamuka, abafana belusile

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

beluka ngayo izisweku. Uma inkomo ifika esigodini esimile indlolothi ivela lapho ingamilile khona yayidla kanti umniniyo kayigxobanga wayiphuzisa kuqala ingakayidli, iyafa leyonkomo.

Isikhonko utshani obuluhlaza sinjengokhasi, simila enkangala nasezihlanjeni emasimini, sifana notshani nje, seluka izintambo ezinhle zokufulela izindlu.

Umnguku umila yonke indawo enkangala nasemasimini utshani obuluhlaza, usikiswa okotshani, weluka izintambo zokwakha izindlu nawo.

Ithembu linemiou enjengeyelala,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kodwa yona ayibanzi kangako nanxa elinye lidatshulwa sekwelukwa. Limila enkangala nasezintatshaneni liyathanda, linezintambo ezilukhuni kwakwenziwa ngalo izisinga zokukhuleka amankonyane ethombeni eliphiciwe ngophico endlini phakathi. Liluhlaza lithe cwe, limila iziqhingi nje, alisishulwa liyasikwa, uma selelukwa liyacwilwa emanzini. Izintambo zalo ziyathunga izindlu, akafana benza iziswebu eziqinile ngalo.

Umshiki weluka izintambo zokufulela izindlu, uluhlaza umila ngasezindleleni, kwenye indawo umila isigodi esikhulu iwona ozala umsingizane. Izingane zisiphula umsingizane

zeluke ubijo, ubedezane ngawo
Izinhlobo zezimbedezane ezeluk-
kwa izingane ilezi: umthamo
wempisi, insontane, umphulu we-
schegu, nesikemba.
Umthamo wempisi welukwa nge-
micu eminwe mibili yaphukile
eshumini, insontane ngemicu
eyisikhombisa, umphulu we-
schegu imicu eyishumi nukhulu,
isikemba imicu engamashumi
amabili kwaphuke iminwe emi-
bili, sinemiphetho emibili ngoba
sibanzi, izimbedezane zihloba
izingane, nothandayo nje.
Umsingizane weluka izinta-
mbo zokwakha, weluka nam-
aqoma ~~[illegible]~~ nezimbenge.

Isconya leluka izintambo zoku-
fulela izindlu nokutheza,
utshani obuthi akubenjenge-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nkomfe, nokumila limilisa
okwenkomfe limila emadwaleni,
nasematsheni ezixhotsheni,
liyasishulwa lelukwe.

Ukhasi lweluka izintambo zo-
kufulela izindlu, luluhlaza,
lumila ezintabeni nasemasi-
mini, lunjengomnguku,
luyasikwa, zinhle kakhulu
izintambo zalo.

Ingqude inde imila igomboqane
noma igoqongane njengesi-
khumba esesomile saluqhotho
yelukwa abafana benze izi-
Stwebu ngayo. Iyasishulwa
imila ezimfundeni ezinkang-
ala, nayo yeluka izinta-
mbo.

Umvithi weluka izintambo zokufu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

lela izindlu, umilisa okomsingizane uyasikwa, uyamila emasimini, uluhlaza nawo, zinhle izintambo zawo zilukhuni futhi.

Insekane utshani obumila ezihlanjeni, yeluka izintambo ithambile zinhle izintambo zayo.

Idwahu utshani obuluhlaza obunjengecacane limila emadwaleni nasemadotsheni, liyasishulwa, liyimicu ebanzana, likopha izintungo zezindlu.

Icacane utshani obuluhlaza obumila bube imicu, lithanda emmfuleni, liyasishulwa lelukwe izithungo, nalo likopha izintingo zendlu yakhiwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Intozwane, kugawulwa isihla-hla sayo, kuxetshulwe ama-gxolo esihlahla yebulwe ema-gxolweni, isongwe izinkatha ibekwe yome. Iyaphothwa ibe izintambo zokweluka am-acansi.

Umovu, kugawulwa isihlahla sawo, kuxetshulwe amagxolo aso kwebulwe umovu, usongwe izinka-tha, wenekwe wome. Uyapho-thwa ubezintambo zokweluka amacansi.

Inxoza iyaxetshulwa emungeni nasemtholweni, kwebulwe inxoza isongwe izinkatha yenekwe ize yome. Iyaphothwa yeluke amacansi, iyazibopha izintingo zendlu, ikhishwa imidweshu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

Uzi, kugawulwa isihlahla kusetshulwe amagxolo kwebulwe uzi lusongwe izinkatha, lomiswe, luphothwe lweluke amacansi luyazibopha izintungo zendlu eyakhiwayo luluklumi luyaziswa kakhulu.

Ubijo lwelukwa ngomsingizane osuvuthiwe njengoba sengishilo, lukhona nolwemicu emine, nemihlanu neyisithupha. Kufindwa ifindo ngala imicu imincane ngakhona, kuthathwe umuzi ubangqwe nomunye uphendulwe njalo luzeluphele ubedezane luphethwa ngokuhlanganiswa lube isihibe luqqiza engalweni nasembaleni, nasentanjeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 | K13/118 | 421

## Okombala

Abantu banalo ulwazi ngokuphe-
ndula imibala yezinto ebazeng-
ayo zibe nemibala eminye
abayithandayo, lemithi eph-
endulayo imila endle, ku-
phendulwa ngezimpande
zayo, kweminye kuphendulwe
ngamaqabunga ayo, lapha
ngizoloba ngeminye yayo
kangizukuyiqeda yonke
ngoba nayo miningi
imiphendulo.

## Inkomfe

Inkomfe utshani esengibuchaz-
ile ukuthi kufulelwa ngabo
izindlu belukiwe baba izinta-
mbo. Iyakhiwa, kuthi ingoma
igxotshwe * ibiliswe embizeni
iveza umbala omnyama,
utshani njengelala noma
isundu uma buguqulwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

bi
bulisiwe nayo kuphenduka umbala omnyama, nezinye izinto ezigququlwayo ziba umbala omnyama. Izigaxa zayo ziyembiwa zisikwe zibilisiwe notshani obuphenduluwayo, buphenduke bubemnyama.

Umphekambedu umila emahlanzaneni amancane athe gqa gqa enkangala, ukhula omunye uphakame ubude bawo bubengangobude bengane, kuye ngokudlulana, iziqu zawo ziluhlaza nje, amakhasi awo anjengawomsalingi. Kukhiwa lamaqabunga agxotshwe, afakwe embizeni kuthelwe amanzi, amanzi alinganiselwe umsebenzi ozokwenziwa, kufakwe utshani obuphenduluwayo, kuthi-ke kungabi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

la kupholiswe ngethonsi lamanzi, kubile kubuye kupholiswe ngamanzi kuze kuphenduke utshani bube umbala obomvu, kwephulwe imbiza kuze kuphole amanzi notshani buse kuwo. Liyaguqulwa ilala nesundu kanje.

Uvumamanzi umuthi omila emahlanzeni ube izihlahla ezinkulu, kuxetshulwa amagxolo awo agxotshwe afakwe embizeni namanzi nento eguqulwayo umbala wayo, abile naye ize iphole kuwo la imbiza seyephuliwe eziko, into iphenduka ibembala obomvu namanzi abebomvu. Lomuthi uyasetshenziswa ekuhlanzeni, nasekuziqqumeni, igxolo lawo liyikhubalo elihle.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 424

Intolwane umuthi omila ezinkangala, amakhasi awo athanda ukuba njengamakhasi kawatela izimpande zawo zimnyama, ziyaphalwa zikeumbala obomvu sekususwe isikhumba esimnyama phezulu, iveza umbala obomvu lokhu kobubende, nayo iyagugula izimpande zigxotshiwe zabilliswa nento egugulwayo, iphenduke ibe umbala obomvu.

Umvuthwane umuthi omila ezintatshaneni ukhule ufike okhalweni lomuntu emile, unesiqu esiluhlaza ngapha kanti simhlophe ngale unamaqabunga amhlophle naluhlaza dcijile. Kumbiwa izimpande zawo ezibomvu, zigxotshwe zifakwe embizeni namanzi alingene umsebenzi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

amanzi athi lapho esebila apho-
liswe ngabandayo kuze kuguqu-
ke lokho okuphendulwayo, aphole
nakho phakathi.

Inhlokoshiyane ebizwa ngokuthi
isihlakothi iyamila nje nasema-
gqumeni anamatshe, ithela
izinhlamvu ezidliwa abafana
iyaxetshulwa amagxodlwana
ayo abomvu agxotshwe ap-
hekwe nawo ayaguqula.

Inkondlwane utshani obumila
emafusini ezihlabathi inezinhlo
bo ezimbili, ikhona inkondlwane
okokhelwa ngayo esengiyichaz-
ile ngaphambili, enye iyaph-
alaza kulabo abazi amakha-
mbi, iyona-ke, eveza umbala
ompofu, inamagabunga
amhlophe, iqhakaza imbali

ebomvu. Kumbiwa izimpande zayo ezibomvana, zigxotshwe zibiliswe nelala noma enye into egqugulwayo, uma umbala usuvelile uyabonakala yephulwe ipholiswe.

Idlebelendlovu umuthi omila ezinkangala, unamakhasi amakhulu amaggebe awo, limilisa okwezintanga, kumbiwa izimpande zalo nazo zinkulu ziyimiphonsi, ziyaphalwa zigxotshwe zibiliswe njengoba sekuchaziwe ziveze umbala obomvu.

Uwatela umuthi otshaliwe ilizwe lonke namuhla ngoba wafika nabelungu uyaziwa, amagxolo awo ayaxetshulwa agxotshwe abiliswe ayayiphendula into umbala wayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 427

amagxolo awo ayásetshenzisiwa kakhulu lapho kusetshenziswa izikhumba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

# Ukusetshenziswa Kwezinwele.

779 ~~20~~ K13/118

## Okwekhanda

Abantu abaningi bangacishe bamangale ukuthi konje ngabe msebenzi muni owawenziwa ngabantu ngekhanda, nawo lo-ngumsebenzi owawusetshenziswa ngezandla ofuna isineke esikhulu ukuze wenzeke kahle, abanye babethatha isikhathi esikhulu besebenza lomsebenzi wekhanda, ngizochaza ezinye izimpawu zalomsebenzi okhombisa inhlakanipho enkulu nokuzithanda nokuzehlukanisa ngezigaba zobuntu.

## Isicoco

Isicoco sithwalwa amadoda asekhulile, asithwala ekhanda, senziwa ngoqondo, uqondo lolu intambo eyenziwa ngozi olum-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

hlophe olulumayo emzimbeni, olu-
bizwa ngokuthi impongozebe, lomu-
thi umila ezixhotsheni, uyizihla-
hla ezinkulu ezingezinde kak-
hulu, izinduku zayo ezinye
ziqondile, yizo lezizinduku ezisi-
kwa ngommese, kodwa lomuthi
uyaluma, zisikwa qede zebulwe
kuxetshulwe inkatha yozi ize-
ibenkulu. Lenkatha yozi ijene-
kwa ekhaya, ngokoma kwayo
isicwiliswa emanzini ize itham-
be, seyithambile sekuphothwa
intambo encane engangefosi,
iphothwa lentambo ibeningi ize
ibeyinkatha enkulu.
Inele ibeyinkatha enkulu kutha-
thwe umucu wayo kulinganiselwe
ekhanda lendoda ezothunga
ungiyane, isizolo ithandelwa
iboshwa, kuze kubengangom-
unwe omkhulu ukudumba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

koqondo, kuthi lungaphela lubekwe, uqondo luyenziwa futhi nangelala, luyalinganiselwa edolweni lomuntu nasekhanda, kuthandelwe intambo kanjalo.
Sekuzofunwa izihlahla zomunga emahlathini phansi kwezintaba lapho leminga ingamahlanzana ukumila kwayo, kukulemithi la kutholakala khona ungiyane. Ungiyane umhlophe sengathi amafutha akambelanayo, ubungela emagatsheni omunga lana aphambili ezindukwini zawo, awubungeli esiqwini somuthi.
Usuhululwa uxetshulwa ngobanaku uyanamathelana, usubunjwa isigaxa esizolingana ukuhlangana oqondweni. Ekhaya sekuthathwa udengezi olukhu

lu olufanele ukupheka, udengezi lolu luyimbiza noma ukhamba olwafayo, sekwenziwa amaseko ngamatshe amane, kusale izikhala zokukhwezela, kubaswe umlilo, kubekwe udengezi phezu kwamaseko.

Kuzothi ngokushisa kodengezi kufakwe ungiyane, kubaswe uzu-ungiyane ubile, lapho umbala wayo usuphenduka ungabe usabamhlophe, kodwa ubemnyama. Ingiyane ibila eziko kuze kuthi igwebu elimhlophe eliphezulu lishe lizeliphele, udengezi lwephulwa sekusele igwebu elimnyama lodwa, iya ye kwa ize iphole, isicoco asizukubunjwa mhla iphekiwe ingiyane soze sibunjwe ngakusasa.

Ngakusasa ingiyane isuke isiqinile ingasewona amanzi.

Sekufika-ke inyanga yokuthu-
nga izicoco, isithatha uqondo
ilulinganisela ekhanda ilufa-
ka kahle, isiluthunga ngeva
lothi olucijile, lubotshiwe imboko
ngemuva, uthi lolu luncane
lungangeva, kodwa lufana
netulo lokufulela izindlu.
Nxa isiluthunge yaluqeda
isithatha ungiyane iwubu-
mbela ezandleni imphotha,
sekuphuma into enjengomgo-
nggolozi efana nenduku
ukubumbeka kwayo, isiwenz-
ile umgonggolozi isilinganisa
phezu koqondo, uma ibona
ukuthi kulungile iwubeke
phezu koqondo, angahlali
phezu kwezinwele, ngoba nxa
ehlale phezu kwazo uyanama
thela.
Uma ikhehla lihamba ela-

ngeni kakhulu uma libalele
ehlobo wabonakala uthanda
ukuncibilika esicocweni, lokho
kukhombisa ukuthi wawungawu-
thisiswanga kahle usaphekwa.
Isizowugudla ungiyane uzube-
luhlaza cwe, sekuyisicoco, aba-
ntu sebezothi kulendoda isiyi-
khehla ngoba isithunge isicoco,
Kuqala kwakujutshwa ibutho
elithile inkosi ithi alithunge,
nempela lithunge lonke lelo, kusa-
le ongenazo izinwele ekhanda,
ezaphucuka ~~[illegible]~~aba impandla,
Honengozi embi embulalayo edin-
ga ukuhlahlwa njalo kubonak-
ale ukuthi isicoco singeze sa-
hlala kuye, labo-ke asebenga-
makhehla, sekuthiwa sebenga-
madoda sebekhulile.
Isicoco sithungwa phansi komuthi
emthunzini kubaswe nomlilo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 

K13/118

khona lapho ukuze kuthi ingiyane uma ingalungile, ingavuthwanga kahle ibuye iphekwe. Inyanga yokuthunga yayihola nje noma inkukhu, noma kube ugwayi olingene ushelen.

770

Umqhino ukweluka izinwele ikhanda lonke, kubekhona izindlela ekhanda ziphambane. Izinwele ziyakhula zibe nemiqhino emide. Amakhosikazi nezintombi ziyaqhina ikhanda.

Umyeko izinwele ezelukwe ikhanda lonke neziphothwe zashwilwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

435

K13/118

ngezandla zaba izintambo nje ezilengayo zilengela phezu kwamehlo, naphezu kwezindlebe nentamo, zigcotshwa ibovu lixutshwe namafutha, izinsizwa nazo ziyaweluka umyeko kodwa zingagcobi ibovu. owesifazane uma ezilile enomyeko uyawubuqa ngesibuda ubemnyama. Izangoma izona ezivame ukuba nomyeko.

Ixhungulo izinwele ezicwalwe kahle zashoniswa ngocwalu kuthi la zishone khona zivunjulwe zilingane zonke kahle kuthule kuthi ne, noma ngabe sezikhulile, zilingane zonke kahle. izintombi nezinsizwa ziyalenza ixhungulo lezinwele ekhanda.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umshengelo izinwele eziyisi-
hluthu kodwa zicwalwe kahle,
zabekiswa emuva zonke ngo-
cwalu, zilale zibeke emuva,
zigcotshwe amafutha zicwazi-
mule, izintombi nezinsizwa
ziyawenza umshengelo ekha-
nda.

Ungelo izinwele ezilungiswe ngo-
kunono obukhulu ngocwalu
kuvulwe umugqa emaceleni oma-
bili kwenziwe ungelo phakathi
phezulu lume lubeke phezulu
luqondane nebunzi lobuso,
ukuma kwalo kufane noge-
dla lweqhude, nezisemaceleni
zivulwe kanjalo kubekhona
izindlela ezivulekile phaka-
thi zime izingelo izinwele
ekhanda, kanti ngemuva
esiphundu zicwalwe kahle

zabalixhungulo. Izinsizwa ezivama ukwenza ungelo nezintombi ezithandayo.

Amangenge izinwele eziyisihluthu ezicwalwe zakhulisiswa ngaphambili, kuathi phakathi zashona phansi, zabuye zakhula, njalo kuthi phakathi zashonisiswa, zicwalwa zibezinhle zibeluhlaza, zigcotshwe amafutha, kazivulwa indlela kodwa zishoniswa izifaca nje. Izintombi nezinsizwa ziyawacwala amangenge ekhanda.

Umxhaxhazo izinwele ezigezwa zigcotshwe insipho, zishaywe ngezinti zobaqa ezimbili zibanjwe ngasandla sinye zixhaxhazwe ikhanda

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lonke, zithule ekhanda sengathi sekulele impukane, zibeamaqakashana amancane amahle, kube sengathi kade zifindwa amafinjwana, kanti bezisongwa izinti zasongana zahlala phansi. Izintombi nezinsizwa ziyawenza umxhaxhazo ekhanda uma zigeza emmfuleni.

Ukuncakida kushiwo izinwele ezithandiwe lonke ekhanda ngencema ecaziwe nangemizi yemihlahle ecaziwe. Izintombi ezithile ziyazincakida izinwele nezinye izangoma ziyancakida emakhanda, izinwele zibonakale zithandiwe zilenge zehle njengezomyeko.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

439

779 K13/118

Ithiliza kwezinye izindawo amantombazana amancane kodwa asengamatshitshi asefudumele aselandelwa izinsizwa ngokuwaqomisa aphotha ithiliza alibuqe lonke ikhanda ngesibuda.

Isibuda siyembiwa, siwukhethe olumnyama, luyagaywa lucoliseke luhlanganiswe namafutha, kugcotshwe ngaso ikhanda.

Impithi iphothwa izintombi esezingamaqhikiza, ziyiphotha ngemuva isuke esiphundu kuthi lapho seziyiphothile ziyikhathe nge xx bomvu, ibomvu limbiwa esibomvini lihlanganiswa namafutha likhathwe, abanye besifazane bavamile kwezinye izindawo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukukhatha ibomvu ebusweni.

Indenda iphothwa izintombi esezikhulile osekuzinkehli isuka endlebeni iqede sonke isiphundu iye igcine ngakwenye indlebe, nayo iyaphothwa ibisikhathwa ngebomvu kuthi la isigana iphothe lonke ikhanda, indenda yona ibikhula yehla iya enzansi ngemuva.

Lezizindlela zitholakala kwabanye abantu, abanye njalo benza okunye, akufani zonke izindawo.

Isicholo sithungwa intombi esikhulile esiliqhikiza esifanele nokuba ingacelwa igane ithi ingasithunga ikhehle kuthiwe inkehli. Isicholo senkehli kasi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bi side kakhulu sifushane nje
kasifani nesamakhosikazi
nomakoti asebenabantwana
bona sebenezinwele eziningi
abazithunga izicholo ezinde.
Isicholo siyemiswa ~~kwa~~ kuphothwa intambo yozi ibenye ibende
kuthungwe ngayo izinwele kuzungezwe, zime zibeke phezulu,
kuthi ngaphansi kuphucwe kuzungezwe ikhanda. Othungayo
uthunga njengoba kuthungwa
ingubo la esehlabe khona
angabesahlaba abesehlaba
emkhathini aze aqede ezungeza kanjalo. Abanye bazithunga bazicwale kakle kungabanakali ukuthi zinentambo
yozi ezithungileyo ngaphandle
-e kwala isicholo sisuka khona
ekhanda. Sithungwa sibeke
emuva kodwa sibe sibeke

phezulu. Isicholo sigcotshwa
insoyi, insoyi imbiwa ema-
hlanzeni, ibunjwe izigaxana
bayithwale bahambe beyithe-
ngisa la ingekho khona uku-
ze bonke bayithole abangena-
yo. Insoyi ihlanganiselwa
namafutha ephehlwa,-ulaza
Kucwalwe ngocwalu silungiswe
kahle lakunezigodi khona
kuvuswe ukuze kulingane
kahle. - Uma intombi isinda-
la isidlulwa isikhathi soku-
ba nga isiyenda iyakhehla
Izicholo zezalukazi ziguga-
nazo, kazibe zisanakwa
zisale sezibamfushane
kakhulu zibemadlikidli-
kana nje, kubonakale
ukuthi sekwaba onguko
ziya-eweni, ziye ngokuphela
njengoba nezinwele ziqothuka

Ekhaya kwakhiwe ufumanisa abesifazane behlezi emva kwezindlu noma emva kwamaxhiba nezihongqo bethungana izicholo becwalana ozakwabo eceleni kuhlezi isiqujana samafutha omunye emi ecwala ngocwalu abe omunye ehlezi phansi enabile ethe thwishi bacwalana njalo bayaxhoxha izindaba zabo zomabani nomabani.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

18

Ukusetshenziswa Kobumba 444

779 K13/118

Ukubumba kuya ngezinyanga zakho akusiko bonke abesifazana abethwasele ukubumba kukhona abayizingcwedi ekubumbeni, kanti abanye bayabumba nje, kufana nakwezinye izinto ezithile esengiziichazile kukhona amagagu ezinto kukhona amabimbi ezintweni kuye ngokwedlulana njalo. Ubumba luthashwa emmfuleni akusiyo yonke imifula nezindonga ezinobumba lokubumba luyakhethela, kusuka abesigodi bayoluthapha noma kude kwesinye isigodi. Akuthathwa udaka, ubumba luyembiwa ngezimbo osekwini lomfula luyakhethwa. Abesifazana baluvukela ekuseni

779

K13/118

bambe basuse lonke ubumba olu-
lukhuni, bathaphe olumanzi
baluhlanganise lube izigaxa
balubeke izinqwaba ndawonye.
Bafika ekhaya balugxobe
beluhlanganisa, alugaywa
ngembokodo kubazwa isibukwa-
na somuthi kugxotshwe ngaso
luphendulwa lugxotshwa, ku-
gaywa ukhamba oselwafa
lube impuphu, kuhlanganiswe
ndawonye nobumba, lempuphu
iyonamyolisi webumba.
Seluhlangene kahle, sekuca-
shunwa ngesandla, kuzwiwa
amatshe lubekwa nganxanye
ekhethwa, ngoba uma kungab-
unjwa namatshe ephakathi
ziyaqhuma izinkamba zicha-
chambe ~~kha~~ sezishiswa emlilwe-
ni, kungakho luhlanganiswa
ngokugxotshwa ngesibukwana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sona singenakuwa gaya.

Ukhamba

Sekuqalwa ukubunjwa, kuthathwa ubumba luhlanganiswe phakathi kwezandla lwenziwe isicaba esibanzi ngokwanele, sibekwe phansi phezu kwetshe eliyisicaba noma phezu kwesikhumba esidala senkomo siphendulelwe noma phezu kwesithebe esidala. Kuthathwe ubumba lubulungwe ezandleni, lube umbulungo obulungene lubekwe emaceleni alolu oluyisicaba okungukona singe sokhamba, luyabekwa ngesandla sokudla luyananyathuliswa ngesandla sekhohlo. Lubekwa luzungeze isinqana, kubulungwe olunye njalo, kuthi ukungqanyula la kugcine khona umbulungo osubunjiwe luhlanganiswe nomusha, isandla sokhohlo

sihlanganise njalo masinyane, kubekwe amanzi ngomcengezana eceleni, kwabazwa uhephezi lwesigubu esesafa, yilololu uhephezi oluzocwilwa emanzini, kushaywe ngalo lumanzi ngaphakathi luhlanganiswa, lwenziwa futhi lubenesisu nokugululwa kancane ukuze lubelula.
Lwenziwa ngaphakathi lubanjiwe ngesinye isandla ngaphandle, lwenziwa belu luyagondiswa, isinqe sihlale sizinzile amacala ame alingane nesisu siqhubeke ngokulingana, luzobunjwa luye lukhula kuze kubuyiswe kancane umlomo walo ulingane lolokhamba olubunjwayo ungaze wabamncane ulingane ukungena inkezo kwezinkulu izinkamba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Luphela ukubunjwa lunawelwe
kahle umlomo walo lugululwe
ngohephezi olumanzi ngaphak-
athi nangaphandle, luphenda-
phendulwe lubukwe ukuma
kwalo luphele luthi nya lulo-
tshwe ngaphandle kahle ngok-
uthanda kwenyanga ebumba-
yo nangolwazi lwayo izinhloba
zokuloba ezifanele izinkamba
ezinkulu nezincane. Lulotshwa
ngothi olubaziwe oluncane, pha-
mbili lwenziwe iqophelwana
okuhlatshwa ngalo, la selugilwa
lowomkhuba awuthandayo,
ziyalotshwa zonke izinkamba.
Seluphelile ukubunjwa nokulo-
tshwa luzothathwa lubekwe,
ingabe ziningi ezibunjwe ngale-
lolanga zobekwa zonke.

Ngakusasa sezihwamukile
kuvukelwa kuzo, sekuthathwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

imbokodo encane eluhlazana eyacoshwa emmfuleni, noma uphondo lwenkomo olwabazwa kahle, noma inselo yenkomo zigudlwe ngayo ngaphakathi nangaphandle zize zesuleke zicwe bekele ngaphandle, zize zomele ezandleni, kulokhu kusile zigudlwa.
Inyanga ebumbayo ibumbela endlini, ngingathi edladleni lapho kungekho khona izingane eziningi ezizodovoza izinkamba, akubunjelwa la kukhona abantu abaningi nabaphuma bengena, ngoba abanye bazongena benamakhanda amabi alula angalufanele ubumba, zife zonke lezonkamba ezibunjwayo, ngakho akuthandeki ukuba kubunjelwe phakathi kwabantu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Seziphelile ukugudlwa, kukhona umgodi osewembiwa ngaphandle komuzi okushiselwa kuwo, zishiswa mhla izulu lilihle libalele lingani ngoba zingabidlika zonke ngenxa yemvula, futhi kuba kuhle kakhulu uma libalele lingenamoya ovunguzayo. Sezomile impela ngoba uma zinga komi ziyafa, inyanga ebumbayo ivuke ekuseni ithathe izinkuni esezathezwa, lapho zingekho khona ezinkangala ithathe amalongwe esitheni esesabekelelwa, ithuthe izinkamba zonke zilaliswe emgodini kuphenjwe umlilo izinkuni sezendlalwe zalekwa zinqunyisiwe ngaphezulu, umlilo uvuthe ube mkhulu, zishe izinkamba, zibezilo ziphe-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ndulwa ngothi ngesineke, zishe
zizezibebomvu klubu, kunga-
ze kwaya muntu, noma ayo-
dlula nje lapho zishiselwa
khona, kuhlale umbumbi
kuphela ngoba kusesatshwa
ukuthi hleze zife umuntu
unekhanda elilula.
Uma sezishile nganxanye
ziphendulwe ukuze zishe yonke
indawo, zishe yonke indawo
zizezibe bomvu ~~klabu~~ klubu.
Sezishe zazezavuthisiswa
ziyekwe emgodini zipholele
kuwo, ngoba uma zikhishwe
zishisa zishaywa unyelele
lomoya obandayo ziqhume
kufuneka zipholele emgodini,
ukuze zingaze zachacham-
ba nempela, uma zichacha-
mbile sekuzothiwa zichacha-
njiswe umoya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Zokwephulwa ntambama sezipho-
lile, kubonakale nolufile, uma
sezishaywa ngesandla zikhale
zithi nce, nce, nce.
Ngakusasa zibuyiselwe emg-
odini ziyofuswa ngentuthu
yotshani ukuze zibemnyama
ngoba zishiswe zazezabakabo-
mvu, kazibukeki zibomvu.
Sezonele zifuswe ngentuthu
zibemnyama zikhiphwe ngo-
kuphola kwazo zesulwe ngo-
nwali zicwebezele zibeluhlaza
sezizinhle-ke lapho.
Uma ukhamba seluzophu-
zela kakuqalwa ngokuthela
utshwala, kuqalwa ngokulukha-
ngula ngesijingi sotshwala
esikhiwa eziko sishisa sithe-
lwe kulo noma kuthelwe kulo
umphungulo kungakathelwa
inhlama embizeni, isijingi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

sipholele kulo sithululwe ngoba
sesizofakwa isandla sivutsh-
elwe, emva kwalokhu luphuzele
ukhamba selukhanguliwe.
Kukhona izinkamba zotshwala
ezinkulu ziye ngokwedlulana
kubekhona ezilingene, kubuye
kubekhona ezincane ezibizwa
ngokuthi omancishane.
Umadlisana kuthiwa ugo-
zwana ukhamba oluncane
olungaphansi kukamancish-
ane, olokuphuza, lungange-
nkezo, kuthiwa umadlisana
ngoba kuthiwa umuntu anga-
mnquma omunye ngalolukha-
mba ngoba ophiweyo uluthathe-
la phezulu aluthi ji engaphu-
mulanga, lungaze lwabekwa
naphansi, lungangenkezo
elingene nje.
Izinkamba zamasi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zibunjiswa kwazo izinkamba zotshwala zilotshwe kahle.

Umcengezi okuthiwa umkhele ukhamba lokudlela izijingi nokunye ukudla lubunjwa njengalo ukhamba kodwa luthi lusakhangezile, lusavulekile luyekwe, nalo luyalotshwa kahle luseluhlaza lushiswe lufuswe.

Umcakulo okuthiwa isikhamba ubunjiswa kwalo ukhamba uyekwa wona uvulekile unjengesitsha, kwakuyisona isitsha sakuqala sokweneka nokupholisela isijingi, asigudlwa isikhamba sibunjwa nje siyekwe, sishiswe nxa sesomile.

779 K13/ 118

Ingcazi ibunjiswa kwalo ukha-
mba iphakame, enye ibenkulu,
ithi uma isimagubungu
usunciphile umlomo wayo
obumbayo abuye awuchithe
futhi kodwa angabesawuchi-
tha kakhulu. Ingcazi eyoku-
hlala notshwala bomnumza-
ne obubizwa ngokuthi imfihlo
obuze buphume sebuphuzwe
baphela bonke, sebuphuma
obakhe ngengcazi uselokhu
ezichathazela ephuza nab-
antabakhe, namanye
amakhosikazi asezothi "Awu,
usayidla nini umnumzane
imfihlo kamasibanibani?
Akesiyobeka." Nempela
azofika ephuza umnumz-
ane aphuze nawo.

Imbiza enkulu engangomp

K13/118

hongolo wesilungu lona okuthiwa usimende, lembiza inkulu ingangentombazane esinkulu. imile, ibanzi injalo nje, enye imbelwa phansi endlini emsamu, lembiza ingumankankanana ~~[illegible]~~ okuthi ~~[illegible]~~ abayeni befike emzini bephelezela intombi iganile bangeniswe kuleyondlu enalembiza. Othunywe uyise wentombi uzongena ezotshengisa abayeni utshwala athi; "Uthi umkhwewenu angizoninikela nantu ukhamba lwenu emsamu." Abanye bazoyibona imfushane ngoba ivele kancane imbelwe phansi bayeye, abanye bathi sinikwa lokhu nje sibaningi kangaka, kanti abazi ukuthi iphansi bazoyiphuza kuze kuse nangakusasa bobe besayiphu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

za ingapheli. Kuzofunwa iphini lokuyigovuza, nezinkamba nenkezo, kuzothi oyigovuzayo athi "Awu, wemadoda kanti imbiza sithi incane nje ningayibona!" ngoba esebona ukujula kwephini nobude bayo, seliqubula ingwebu yotshwala buhubisa okwemamba sebuthintiwe.

Impofana ibunjwa njengokhamba ~~nangaxx manjengokhamba~~ nanjengembiza, kodwa kayigudlwa kuthi ingoma ishiswe, iyimbiza enkulu, uma igcwele utshwala izinsizwa ezimbili ziyayibamba ziyitatamise ziyise kwenye indlu. Eyokuthela utshwala, noma kade kuyilimo noma kubuswa imbiza yokumisa utshwala endlini kuphuzwe.

779

K13/118

Imbizana iyimbiza elingene ukuba umuntu akwazi ukuyifukula eyokukha amanzi [illegible] emmfuleni. Utshwala iyabuthela, nokuvubelela kuyo imvingci kuyavutshelelwa.

Ikhanzi libunjiswa kokhamba nembiza kodwa aligudlwa alilotshwa, lona liyimbiza yokupheka lalibanesizibekelo salo sobumba senziwe isicaba, lalisekelwa ngamaseko amatshe amathathu kuphekwa ngalo konke ukudla.

Udengezi lwenziwa ngesihlephu sokhamba olufile, siqeshulwe kahle silinganiswe, udengezi lubekwa emasekweni amatshe lubaselwe, kuncindelwa kulo imithi yonke yokuncindwa, uma selushisa sekuzoncind-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

wa lubekwa phansi kuncindwe.

Umphanda imbiza esuke isifile isinofa yabuye yavuswa ngokuba kucwilwe isikhumba, singabamanzi sidatshulwe senziwe imichilo, lemichilo iyona okuboshwa ngayo imbiza isemanzi ithekelezelwe, omunye uyibophe ngenhla, omunye uhingqelwe kongenhla nakoboshelwe ngenzansi, kwenziwe njalo ungabamfushane usehunywe kuze kuhlanganiswe imbiza yonke. Lemichilo yomele khona embizeni iqine, ulufa luvaleke, imichilo ibambane, ufa luhlangane, lembiza isizobizwa ngokuthi umphanda ngoba seyifile, isiphanjiwe ngemichilo.

779 K13/118

Igobongo lokuthwala utshwala liyaphanjwa khona lingafile, kuphothwa imizi yemihlahle icayiwe yacwilisiwa emanzini. Imizi iphothwe izintambo zibeningi ezinye zakhiwe zibe inkatha okuzohlala isigubu phezu kwayo, inkatha ibekanzi, eminye imizi isibophe egingqini laso, kuthathwe izintambo zikhungelwe enkatheni ~~ezinye~~ ziye zikhungelwe entanjeni ethandelwe egingqini lesigubu, zikhungelwe iziqaba singenziwa ukuthi gumbekeqe sonke sifihlwe ngemihlahle, kugcine ngokwenziwa isihibe sokusilengisa.

Igula eselinofa negobongo elinofa lithungwa ngeziqu zesiqunga, iziqu zesiqunga ziyimichidlwana, ziyanqunywa zisk

779

K13/118

uthekwe ezimbotsheni esezichunjusiwe ngapha nangapha komklayo wofa, isiqu sishuthekwe ngapha nangapha sicindezelwe kuze kuhlangane kwenziwa njalo. Kungaphela, kunanyathiselwe ngenomfi, uma ingekho kunanyathiselwe ngobulongwe, bubacekwe kancane, kukhathwe ~~[illegible]~~ umlotha sekoze komele khona.

Ukuphanjwa kokhamba, uma ukhamba selunofa luyaphanjwa ngesinye senkomo sisemanzi, uma sesoma sicwiliswa emanzini, sifakwe okhanjeni sidonswe, size somele khona. Izinkamba ezinkulu nezimbiza ziyaphanjwa futhi ngemizi yemihlahle iphothiwe yaboshwa yazungeza, kuthungwe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 462

K13) 118

ngentambo yosinga iqine noma
inofa ingabe isavuza.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Okunye

Ithala ilona kabethe labantu lokukhweza ukudla lenziwa ngozi lwentozwane oluphothwa intambo ende, kukhiwe inkondlwana yenziwe umbungwana obulungene wanga ngohlanga intambo ithandelwe kulenkondlwana, yenziwe njengenkatha ehlala igula. Kugawulwe amabaxa, izinti zomuthi ezinezimbaxa, lenkatha ethandiwe ubude bayo ibengangezingalo zeluliwe. Sekuzobekwa uthi ngaphansi kwalentambo iboshelwe kulo, ekugcineni kwalo, kusuke olunye uthi ngapha nangapha lubeke ezintingweni zendlu, nazo zenziwe kanjalo. Kuthi phezulu kwelekuwe utshani obelukiswe

okwesilulu noma kusikwe isilulu
esidala sibekwe phezu kwethala
lezinti ezinqunyisiswe-zavu-
ndliswa zisuke ezintungweni
zendlu, zifakwe phakathi
kwentambo nothi, zithandelwe
ukuze ziqine ithala lingatebe-
zeli. Uthi olunganeno lugo-
shiwe emaceleni omabili kwa-
boshelwa izintambo ezize zatho-
kelezelwa phezulu ezintungweni
zendlu. Intambo yenkondlwa-
na ethandelwe emaceleni onke
yenzelwe ukuze kuthi ~~[illegible]~~
sekubekwa amagula athiye-
ke angaze aqingqika.
Lelikabethe libizwa ngo-
kuthi ithala lamagula, len-
zelwa ukuba amasi emagu-
leni abemahle abemnandi
angabi injungunjungu
ngenxa yomswakamo phansi

endlini, umswakamo wendlu uwenza abe injimbilili nje-ngamanzi aduma. Kanti ehlezi phezu kwethala ahlala emnandi njalo, izinkamba ezinobisi namasi zihlala ethala, inyama iyabekwa nge-sithebe sayo ethala, ukudla okuvuthiwe nomcaba uyahlala ethala, izinkamba ezisuke zingaphethe lutho ziyagezwa zimbozwe phansi endlini emsamu.

Umgodi wokudla obizwa ngo-kuthi umgodi wesangcobe se-kushiwo ukudla okuphaka-thi okubizwa ngokuthi isipata. Lomgodi umbiwa phakathi esibayeni sezinkomo, umlomo wawo uyisiyingi ulingana ukuba umuntu akwazi uku-ngena. Umbiwa wehliswe ka-

ncane ungako, kuthi phansi
wandiswe kakhulu ugujwe
ubemkhulu, ugwedwe kakhu-
lu yonke indawo umise okwe-
ngcazi, ubude bawo, ushoni-
sa umuntu emi phakathi,
uqedwa ukumbiwa usindwe,
ngobulongwe uyekwe wome.
Kuthelwe ummbila noma ama-
bele, uma ummbila umningi
uthelwe uze ugcwale, uzibeke-
lwe ngetshe eliyisicaba, kulele-
zwe inhlabathi phezulu.
Eminye ingena amasaka
amaningi namashumi
amabili ayakwazi ukungena
ukudla kuhlala isikhathi
eside akuphehlwa imbovane.
Uma usuyovulwa uvulwa
ekuseni lizeliyoshona mhla-
umbe umuntu aze angene
ngakusasa ekuseni kuwo

ngoba uyashisa umuntu eke-
wangena usanda ukuvulwa
ufunyaniswa esewumbambala-
la phakathi ebulewe. ukushi-
sa, amasela endlala aye-
tholakala esenjalo.
Ukudla kuhlala kunjengoba
kwafakwa kungaphehliwe
kodwa kunephunga lomgodi.

Isanda kushiwo isithando
sommbila noma amabele,
kugawulwa izibonda ezinezim-
baxa, kugawulwe ezinye ezing-
enazo, zigxunyekwe phansi
ezinezimbaxa, imbaxa ibe-
phansana uthi luye phezulu
kulembaxa kubekwe izibo-
nda eziyimibeko, kwendla-
lwe izinhlanga zithungiwe
zahlanganiswa ngentambo
kuthelwe ukudla kulesisithan-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

do, ngoba emaceleni siphiciwe ngophico lwakhula lwaya phezulu.

Ingolobane isizikba lokuthela ukudla sekuvuniwe, yakhiwa ngezibonda zigxunyekiwe, kwathi phezulwana kwakhona eziyimibeko zanqunyiswa, kwafakwa izintungo zagotshiswa okwezintungo zendlu, zaboshwa ngozi kwasala umnyangwana omncane phezulu. Ingolobane iyafulelwa ngotshani ukudla kuhlale kahle kukhwezekile, futhi kuhlale kuphakeme phansi, kungoniwa amanzi emvula.

Izinsika zokuphasa indlu ngaphakathi zigawulwa emahlathini, kugawulwa kulemithi nak-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

weminye, umthathi, umsishane,
umzane, umsonti, unukani, uma-
naye, umthombothi, isinqawe,
umtholo, umdubu, uvumamanzi,
umdakane, isikali, umbovane,
umnungumabele, umvumvu,
namasethole, ngoba ilukhu-
ni, kayisheshi ukudliwa
umuhlwa nokuphehlwa.

Insika igxunyekwa ofindo,
enye ibesesininini ngapha
nangale, enye ibesemlindaziko
enye ibesemnggangwini.

Insika yomthathi igxunyekwa
~~emlindaziko~~ emnggangwini
iphethele ngenzansi ngoba umu-
thi wezulu liduma. Uma kuduma
ma izulu umuntu uyakwazi
ukuba ayigulule ayiphale
athunqisele ngayo, imiswa
lapho ngoba ifana nenyanga
ephuma izulu yona okuthi

lingaduma ibuyele emnyango nesigqiki nezikhwama zayo.

Imiqadi izibonda eziphatha izinsika ngoba izinsika ziyaqoshwa phezulu zigaxeke kalula. Iphatha izinsika zasesinini nesofindo, ibamithathu ibeke emsamu nasemnyango, ijangqunywa kuzo izinsika.

Imishayo yendlu idonsa inqume yona ibeke ezinhlangothini zendlu, imiqadi ibangaphansi iyona ehlala izinsika, nayo igawulwa ehlathini neyomthombothi ibakhona, kunqunywe nasezinsikeni, kalugawulwa unyenya ngoba umuthi wokubethelela izulu.

Izintingo zokwakha indlu zigawu

lwa emahlathini, lemithi inazo izintungo ezinhle ezigondile umlahlankosi, iklolo, umbembedu ugagane, umnukambiba, umbovane, ibunda, iloshane, ingayi, isikhelekengane, umagoklane, umduku, amasethole. Kukhethwa ezemithi ekhule yagonda, zigawulwa ziboshwe izinyanda zofika zicijwe ekhaya, ziawiliswe emanzini uma sekwakhiwa.

Isihongqo okuthiwa isibuya sakhiwa kugxunyekwe izibonda phansi sibe isiyingi nomnyango wokungena. Kwenziwa isisele kugxunyekwe ugunga oluhlungiwe luthungwe ngentambo nemigolo yogunga owokuqala ubephansi, omunye ubephakathi omunye ugcine phezulu, seku-

thungwa omunye ubangaphakathi amkele intambo ende elokhu icwilwa emanzini ukuze ithambe, qbe yedwa ongaphandle. Kuĉaywa kuso ukudla njengommbila uma uselunama ungakomi kahle.

Iguma isihongo esakhiwa emnyango wendlu lakhiwa njengesibuya ngomhlanga nangentshonintshoni nangobaqa. Intshonintshoni izinduku ezisuke zikhahlelwe umthala. Kugawulwa izibonda zombangandlala nezeminye imithi, zigxunyekwe lapha nalaphaya, zifakelwe nezinhlanga emkhathini, kuthungwe ngentambo. Amanye amaguma ahlotshiswa kahle kwenziwe iziphambano, liphela linqunywe kahle

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

phezulu lilinganiswe lonke, nesi-
kuya siqedwa sinqunywe ka-
njalo phezulu silingane kahle.
Uma ilanga lifudumele
kuyaphekelwa egumeni, ilona
elivimbela umoya ukuba unga-
ngeni endlini ngomnyango.

473 na 476

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

476 Ichile elibizwa ngokuthi ichiye
779 kwakuyinsipho yakuqala,
lomuthi umila ubenamakhasi
angamaggebe, umila ezimfund-
eni nasemadudusini lapho ku-
vame ukumila umthala.
K13/118
Ichile liyambiwa linesigaxa
esisodwa esingangobatata,
ezimpandeni sinemiveve
lesisigaxa sihamba neminy-
aka sife sibole kuhlume esi-
sha isigaxa. Sithi ngokumbi-
wa sihlonywe emqadini wendlu,
sidatshulwe phakathi, kugezwe
ngocezu, lensipho inegwebu
eliningi, igezisa kahle, ama-
shoba nemitsha yayigezwa ngalo.

Amafutha okushuka isidwaba ayenziwa ngezinhlamvu zomhlakuva, zazomiswa, zifakwe embizeni zibaselwe umlilo, zishiswe zeze zibemnyama, zigaywe zibe impuphu, zixutshwe nensizi yebodwe ephalwa kulo ngaphandle, lempuphu ihlanganiswe nokapapakisa, sibugelwe ngawo lamafutha ~~isidwaba~~ ~~siphenduke~~ isidwaba siphenduke sibemnyama.

478

Isiyendane singathi umyeko owawuvame kwesinye isizwe sabantu izinwele zaziphothwa zigcotshwe ngamafutha zilenge lonke ikhanda zibezinde ikhanda liyende nje umyeko njengamabele ensimini esavuthwa kwagoba unogaba, ibele seliyenda ~~kanka~~ nezinsizwa ~~kuka~~ zazi photha

cont. on 479

isiyendane ekhanda. ~~[illegible]~~

Isigqulelo kushiwo umbuku wesigodo somuthi ogawuliwe wanqunywa phezulu naphansi, ukudebawo wangangengane esihlakaniphile, kwathi phezulu, wagujwa lombuku, wagwedwa kakhulu kwafana nesitsha, kwabazwa izigxobo ezimbili zabanezibambo phakathi kanti ngapha nangapha zenziwe amakhanjana amade zona zibizwa ngokuthi izigqulo. Isigqulelo lesi esokugqula — esokugxoba isitambu sommbila, ukudla okumnandi, abanye bagxoba ummbila kuso ube impuphu ecolisekile kakhulu. Ummbila uthelwa phakathi unyenyezwe ngama-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

nzi ukuze ungaqhashi lapho usngqulwa ngeziqqulo, okuthi siphakama esinye, sibesehla esinye uzuvuthwe ummbila kukhithike izimpepha, wenziwa njalo.

Isidla umncwado owenziwa ngolwembu lwenhliziyo yenkomo, ulwembu luyebulwa lomiswe lushukwe, lwenziwe isigujana esibunjiweyo, esithungwe ngosinga, kuze kubonakale ngentanjana elengayo ukuthi bala uncwadile, kushukwa ngamafutha kuthambe, kwakuncwada ezinye izizwe za Bantu ngesidla.

Umsubelo wenziwa ngesikhumba senkomo noma ~~enes~~ esembuzi, siyashukwa sithambe kakhulu, sisikwe isweswe elibanzi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukwanela ukusubela umuntu wesilisa. Okhalweni kuboshwa elinye isweswe lebande, kuthathwe umsubelo ugaxwe kulo ngaphambili ulenge, ubuyiswe ngaphansi kwemilenze ukhushulwe ngemuva nangakhona ufakwe ebandeni ugaxelwe ngaphakathi kubekuphela umuntu usesubele, amathanga avele ngapha nangapha. Umsubelo usubela ezinye izizwe za Bantu, ~~[illegible]~~

---

Ukulima umsebenzi owawusetshenzwa abantu besifazane begatha ngamakhuba ~~[illegible]~~ emikhono, betshala ummbila namabele nokunye ukudla, kufana nokusika utshani, nokutheza izinkuni nokufulela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

izindlu nokuzigandaya, kwakungumsebenzi wabesifazana.

Ukuzingela kwakwenziwa abesilisa, ababephuma inqina beyozingela izinyamazane zonke ezidliwayo, izikhumba zazo bezisebenzisa ngemisebenzi esichaziwe kulencwadi.

Ukwelusa kwakwelusa abafana abancane kanye nasebeqinile, kulapho la abafana babezisebenzela khona imisebenzi yokucupha nokubumba izinkomo zabo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 483

# Ukuvunula kwenkosi uShaka.

Ngezikhathi ezithile zemikhosi inkosi uShaka wayevunula kanje: Wayehloba ngomqhele wesikhumba somthini ekhanda, nezidlodlo ezinhle zegwalagwala, phambili ehloma uphaphe olude olumnyama lwendwa. Ezindlebeni efake iziviliba ezibazwe kahle zahlotshiswa ngokulotshwa, entanyeni evunule ngomqubula olengela emahlombe nasesifubeni wezinyamazane zentsimba nentsimango, ebinca umutsha wezinjobo zentsimba nentsimango, egqiza ezingalweni ngenhla kwendololwane ngamashoba amhlophe nasezithweni ngenzansi kwamadolo egqiza ngamashoba amhlophe, eshaya emaqakaleni. Esandleni sakhe sobunxele

779

484

K13/118

ephatha isihlangu sakhe eside esimhlophe sathi qwa; sigatshelwe ngegabelo elimnyama su, esandleni sakhe sobunxele ehloma ngomkhonto (iklwa) onothi lomnini lubazwe kahle kakhulu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

19

# 779 Ukusetshenziswa Okokwelapha. 485

K13/118

Angizukwelula kakhulu ngokwelapha kwabantu ngoba lendaba yezinyanga nemithi nokwelapha ibanzi ngokwayo, uma ngingayingena ngokujula ingadinga incwadi yayo yodwa, engethemba ukuthi ~~masi-~~ ~~[illegible]~~ ingachaza imilingo nezifo, nemithi, nezinyanga, nezangoma nokwelashwa kwezifo zakithi.

Izinyanga zike zibizwe ~~[illegible]~~ ngokuthi ukhukhuva lwenyanga noma kuthiwe ugedla. ~~[illegible]~~

Izinyanga zimi kanje:-

Izinyanga zokwelapha,

Izinyanga zezulu,

Izinyanga zemvula,

Izangoma zokubula

Izangoma zamathambo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 486

Izangoma zemilozi
Izangoma zamandawe
Izangoma zesipoliyane namandiki, nezizwe.
Izinyanga ezivimba isangquma
Abathakathi okuthiwa abakhunkuli.

Izinyanga zaBantu zelapha ngemithi yezinhlobo ngezinhlobo, nazi izigaba zayo nanxa ngingenakuchaza imithi esetshenziswayo esigabeni sinye, imithi emininingi kakhulu nami engiyaziyo amagama ayo, ngingeze ngayiphetha lencwadi uma ngizama ukuyiloba.
Nazi-ke izigaba zemithi:
Izintelezi - imithi emikhulu ezinyangeni zonke, lemithi imila emahlathini amakhulu, nasemaweni, nasemaxhaphosini emifu-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

la, nasezimfundeni ezenile, imithi eluhlaza, eminye imila ithandela ezihlahleni, eminye iyatshalwa emakhaya. Ithanda izindawo ezinethunzi, eziningi kuchelwa ngazo ukuvimbela imihlola.

Izinyanga zelapha ngamakhubalo, imvama yawo ayaqheshulwa alunywe ahlafunwe, kwenzelwa ukuqinisa imizimba yabantu nxa kuvele isifo ekhaya sadunga imizimba. Kuxetshulwa amagxolo

Amakhambi, akhiwa ezimfundeni, nasemaweni, nasemahlathini nasemifuleni, kukhiwa amakhasi awo aluhlaza, amanye ayomiswa agothwe, amanye asetshenziswa eseluhlaza ekwelapheni izifo ezithile njengemikhuhlane eminingi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Izihlungu zithakwa ngamakhubalo nemithi eminingi ekabayo nebukali, kuxetshulwa amagxolo emithi ethile omiswe agaywe abeizimpuphu, kuqothwe namakhambi athile ~~axaxx~~ ~~ax~~omisu~~k~~. Ziyakhothwa noma zibenywe noma zigcatshwe.

Izinsizi imithi eqothiwe yagayisiswa isishisiwe eziko ngodengezi, ikakhulu yezilwane, nawo amakhubalo, namakhambi. Zimnyama ziyimpuphu ezinye zingathi zijinevunevu ngoba sezithakwe namafutha. Izinsizi ziyathunqisela, zikhothwe zigcatshwe futhi.

Amafutha ezinyamazane, nawe ~~n~~ zilwane, ~~wabanta~~, amanye awaphekwa ayasikwa nje afakwe ezimpondwein

amanye ayaxhonxwa abiliswe afakwe emabodleleni, amanye athakwe kwamanye. Awokugqaba nokununuka nokuvimbela imimoya nokuveza isithunzi sokwesabeka.

Izikhumba - kusikwa izikhumba zezinyamazane ezithile zihlanganiswe, ziqotshwe zibencane kuthiwe izinyamazane, zisetshenziswa kakhulu ekwelapheni abantwana bathunqiselwe ngezinyamazane namafutha azo.

Imihlabelo - imithi eyatha~~tha~~kwa ngemithi ekhethiwe yodwa emilisa ithambo yashiswa odengezini yaqothwa yaba izinsizi, eminye igayiwe nje, ingashiswanga isetshenziswa ekwelapheni ithambo lomuntu ~~nox~~ aphukile noma kwephuke isilwane esifuyiwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 490

Amatshe athile akhishwa eziweni ezinkulu, namatshe akhishwa ebuchosheni bengwenya nasesiswini sayo, amatshe ayakhothwa, amanye agululwe athakwe neminye imithi ebabayo yokushisa ukufa okuphakathi egazini lomuntu ogulayo.

Izimpande eziningi zemithi ethile ziyembiwa zomiswe zigaywe zibe impuphu, ezinye zishiswe zibe insizi yokwelapha.

Izinhlamvu eziningi zemithi yasemahlathini ziyakhiwa zomiswe ezinye izinhlobo zihlala esikhwameni semithi, ezinye ziyagaywa zithakwe kweminye imithi yokwelapha izifo ezithile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Izicubu zenyama K13/118

~~Izinyamazana~~ ezithile ezitholakala ezilwaneni, isibindi sengwenya, inyongo yesambane, nenyama ethile embuzini, nasenkukhwini nakwezinye izilwane iyathathwa kwelashwe ngayo, abangabathakathi bathakathe ngayo futhi.

Umhluzi wenyama yenkukhu nowesinye nje isilwane ungumuthi omkhulu wabantu wokucima ukufa njengomkhuhlane, nokucima umuthi osuvuke ngamandla.

Ubisi umuthi omkhulu wabantu abelapha izifo, bayalwazisa alusali ezinyangeni, eminye imithi ichathwa noma iphuzwe ngobisi lwenkomo.

Iqanda nalo umuthi omkhulu wezinyanga zabantu, ezicima-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

ngalo ukufa, nalapho umuthi usudlongobele.

Izifo ezazijwayelekile phakathi kwabantu zazingandile njengezifo zanamuhla, ngakho babenayo imithi eqondene ~~nako~~. nazo bekwazi ukuzelapha, ngingabala ezinye zezifo kanje:

Umkhuhlane, kwakwenziwa isicoco samakhambi abiliswe umuntu awaphunge, uphenguleke umkhuhlane.

Isisu umuntu ebulawa isisu wayeluma ikhubalo, noma ahlafune amakhambi, noma achathe ngaphansi aphile.

Ingozi, umuntu wayehlahlwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

ingozi kukhishwe izimvava ~~zava~~ zamathambo, agezwe, athelwe izihlungu, nemihlabelo.

Ukwephuka – nxa umuntu enyelile noma aphuke ithambo wayegcatshwa afakwe umhlabelo.

Iqondo – uma umuntu eneqondo wayedla izimbiza azethe ngaphansi, aziphuze ngaphezulu, anciadiswe imithi ethile, eminye ayikhothe, agcatshwe.

Isifuba – nxa umuntu egulíswa isifuba sedliso, uyahlanzíswa ngemithi engamagxolo, neyizimpande, igxotshiwe yabiliswa akhothiswe nezihlungu, liphume idliso. Aphungiswe iziphungo zokuxegisa.
Isilumo – umuntu okhathaz-

779 K13/118

wa isilumo, wayesetshenziwa ngamakhambi, aze aphile.

Iqolo elibuhlungu lesilalo, wayelunyekwa kuphume umantshu wegazi, noma achathe ngamakhambi adonse amathekethieke namahluli angcolile umuntu avuke qangqashu.

Ikhanda - umuntu obulawa ikhanda uyalunyekwa ngophondo olumunya ~~ukl~~ igazi elinigi, noma abeme izihlungu athimule aphile.

Amathumba - uma umuntu enamathumba amilayo emzimbeni kuthiwa lowo unomzimba omubi afakwe izimbiza zomzimba azidle aphile.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Uzagiga - uma ingane imilwe uzagiga entanyeni nasezihlathini isiwe emgodini othile, ilunguze kuwo ithi, "Zagiga! Zagiga! ngiyeke! ihambe ibuyele ekhaya ingakhulumi ingabeki emuva uzagiga ayiyeke iphile.

Utwayi - umuntu onotwayi wayelashwa ngezimbiza zangaphakathi agcotshwe ngesikabula neminye imithi.

Ilumbo - lalikhishwa ngemithi yamalumbo.

Iphupho - umuntu onephupho novalo, wayelashwa ngemithi yokuhlanza neminye yokulivimbela nokulibuyisela lapho lavela ngakhona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ihabiya - Izintombi ezazihabiya zazithunqiselwa zihlanzisiwa.

Amehlo - ~~amash~~ onamehlo entela wayefakwa imithi yemiphuphuthe emehlweni eqondene nentela. Amehlo nje elashwa ngamakhambi ababayo akhiwe agxotshwe anyenyezwe ngamanzi aconsiselwe emehlweni, aphile umuntu.

Kwakukhona izinyanga ezinemithi yokubethela emzini ngezikhonkwane ngaphandle, nasekhaya ukuvimbela izulu, kukhona nezinduku zonyenya ezigcotshwe imithi eqondene nezulu. Kwakubethelwa futhi ekhaya uma kuqiniswa umuzi, ukuvimbela abathakathi, kukhona nezintelezi zokuchelwa, ezibamba umthakathi afike ame ebaleni

779



K13/118

kuze kuse abonwe ngabantu bonke.

Imvula - izinyanga zokunisa imvula zazivumbulula izikhonkwane namafindo abathakathi zelaphe ngokwazi kwazo, bala imvula ine, emuva kwemilingo yazo.

Ukusukula - amasimu ayenezinyanga zemithi yokusukula ukuze ukudla kubekuningi kuthungiselwe kwenziwe namafindo neminye imilingo.

Imbelethisana - owesifazane ekhulelwe, wayenemithi ayidlayo, kuthi nanxa esezobeletha adle imithi eyimiakukuxo, akhululeke masinyane, ezinye zinemithi yokumisela umuntu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ozala amantombazane <u>odwa</u> ~~ama~~ athi ngokumelapha ngemithi yokumisela nangemilingo umuntu azale umfana.

Ukuthwebula - enye indlela yokwelapha umuntu ogulayo, inyanga yayimthwebula isithunzi imfake imithi avuke umuntu. Eminye imithi yelapha ngokugqumisa umuntu kuyo, nangokumgeza umzimba wakhe. Izangoma ezinye ziyabula ngokushayelwa, ezinye ngamathambo kanti ezinye zikhuluma ngemilozi; amakhwelo akhuluma phezulu endlini okungathi nanxa kulahleke into bayofuna akalozi bahambe bayoyithatha babuye nayo.

779 499

K13/118

Izintelezi zezinyanga :—

Impumele - intelezi emila ezixhotsheni nangasemahlathini, iyahlanza uma umuntu ephoswe ngamakhambi.

Untingwana zibomvana umila emahlathini, kuchelwa ngaye uma kuvinjelwa isithunzi esibi ekhaya.

Umabophe umila emahlathini uyachela, kuthi ongena ekhaya abopheke angahambi.

Iphamba limila emihosheni yemifula emikhulu, elokuhlanza umuntu eyongena phakathi kwezixuku kuthi okuqondile aphambeke.

Umlulama - umila emahlathini kugezwa ngawo umuntu alulame

Ibucu - litholakala emihosheni elokuchela, kuthi okubi okuza ekhaya kucobeke.

Uqhobo - intelezi eyikhubalo luyachela, nezinkomo ezephukayo ziyaphuziswa lentelezi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

Umpunyu - kwenziwa ukuba umuntu aphunyuke emihloleni.
Unyenya - kuyathunqiselwa, kuchelwe ngalo.
Icimamlilo namakhasi omsenge kuthotshwa ngalo ogulayo, amakhasi omsenge enzelwa ukuthatha ukufa ngoba umuthi othandwa izulu.
Ezinye izintelezi ilezi: Indakane, Umaphipha, Impundu, idlula, nezinye.
Amakhubalo nanka: Umanaye, umaqunda, uvumamanzi, inguavuma, uphephelelangeni, umikani, inhlanhla, umphendulo, usibangu, utiyo, ummemezi, ungishiyele namanye amaningi.

Maybe left out

Ukufundwa kobunyanga.
Ukufunda ubunyanga kuqala ngezindlela ezimbili okuyizona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

zibalulekile.
Insizwa iqala ngokucobelela amakhambi nemithi ezinyangeni, imithi yokubulawu neyokuhlanza, nemithi yezintombi. Icobelela imithi yokuphosa ~~ssa~~ neyokuzivikela lapho igadlwa ezinye izinsizwa. Ngalendlela ithola amagama emithi esetshenziswayo uma kuthakelwa isifo esithile, iwabone futhi namakhambi asetshenziswayo, nalapha emila khona.
Kuya ngokuya lensizwa icobelela njalo ize izibone seyazi imithi eminingi isiyoze iqale ukwelapha, kuthi noma ~~sa~~ izinsizwa ezinye zigadlele ~~[illegible]~~ ~~[illegible]~~ izifumanise isiyelapha, ingayeki ukucobelela

kwezinye izinyanga, isigcino lensizwa iyethwasa yazi imithi emininingi, iyakhula isiyelapha abantu abagulayo kodwa yayiqale ngemithi yobunsizwa. Into enkulu ukuqaphelisisa ukuhamba kwezinto ezithile, nokuthi isifo esinje sifuna imithi ehamba kanje nakanje.

Uhlaka umuntu ohamba nenyanga ethwala izikhwama zayo iphuma iyokwelapha endaweni ethile, akasali nempela ngoba uyena omba imithi yenyanga ngesimbo, kuze kuthi lapho inyanga seyelapha, uhlaka lubone kuthakwa imithi yesifo esithile nokwelashwa kwaso. Ngesinye isikhathi inyanga ithuma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lona ukuba luyokwelapha
umuntu ogulayo ngokumfaka
izimbiza. Uhlaka nalo lu-
qale kancane ngokuzithakela
imithi luze lubone selwethw-
asile luphenduke inyanga.
Isangoma siqala ngoku-
ngenwa isifo, sigule selash-
we kakhulu izinyanga nge-
mithi emininingi, kubonakale
ukuthi sigulisiwa amatho-
ngo, siyasuka lapho sese-
thwasa siba isangoma
naso-ke sidle imithi emi-
ningi, kubekhona nezinto
ezithile esingavumelani
nazo, size sibule, kuvama
abesifazane ukuba izang-
oma.
Ngichazile ukuthi indaba
yemithi inde kakhulu ngakho
ngizoyika phezulu njengoba
sengiyiphethile ~~ngi~~ lapha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/118

Umhlanti isikhwama sezinyan-
ga okuthwalwa ngaso yonke
imithi yazo yokwelapha
izifo, senziwa ngesikhumba
sesilwane noma senyamaz-
ane ethile, siyabhukwa si-
thungwe kahle, isona esi-
thwalwa uhlaka lwenyanga.

Uhlaka. Lapho kufiwe, kwak-
hiwa uhlaka ngezingodo
ezimbili zibezinde, kube-
khona ezinqunyiswayo
phezu kwalezi. Isidumbu
sithwala ngaloluhlaka.
Lapho sewuphelile umseben-
zi wokungcwaba, uhlaka
luyabekwa phezu kwalelo-
thuna luze lubolele khona
ngenxa yezimvula nokuq-
hubeka kwesikhathi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Maybe deleted



779

## -Ukuphothula

Sesibonile ukuthi abantu baku-
qala babenemisebenzi ababe-
yenza, eqondene nezinswelo zabo.
Namhlanje lemisebenzi kayise-
nziwa ngabantu abaningi
isiyacisha.
Kwakufanele ukuba ingaze
yabulawa, kodwa ikhuthazwe
eminye yayo emihle yenziwe
kangcono kuneyasendulo,
ikakhulu yenzelwe ukusiza
abantu ngokuziphilisa
ngayo.

Imisebenzi esifanele abantu
banamuhla ukuba abanye
bafundiswe kakhulu ukusebe-
nzisa ukulima umhlabathi
~~akd~~ ikakhulu labo abakhe
ezindaweni zokulima, umh-
labathi ukwazi ukubavezela
ukudla kokubaphilisa noku-

ngenisa imali enenzuzo.
Okwesibili laba abakhe ezi-ndaweni ezingekho emadolo-beni bafundiswe ukufuya imfuyo yanamuhla njengezi-nkuku nezingulube ezinoku-buyisa inzuzo emva kwesi-khathi. Kusobala ukuthi ak-usiloo bonke abantu abanoku-fuya izinkomo zenzuzo nga-phandle kokuba benalo idlelo lokuzisikela utshani ziphile kahle nasebusika zidla, nok-ho abanye kuhle uma bekhu-thazwa kakhulu ekuvezeni izink-omo ezinosizo zalesisikhathi.
Kufanele ukukhuthazwa ngabaholi abamhlophe naba-mnyama besizwe imibukiso yemisebenzi yabantu kuzo zonke izindawo zabantu ngo-ba lemibukiso iyona enge-

nisa uthando lokukhuthalela ukusebenza imisebenzi emihle enokumphilisa umuntu. Imibukiso esikhona namuhla iyakhombisa ukuthi abantu banawo amandla okuveza izinto ezinhle uma beholwa ngabaholi.

Iyabongeka imibukiso esikhona iyona eyosiza ukwakha isizwe ukuba sithande ukuveza imisebenzi yokusiphilisa.

Izikole ezinkulu ezithile ezifundisa abantwana imisebenzi yabantu ziyancomeka, silindele kuzo ukuthola abaholi besizwe ukuba kwakhiwe imisebenzi yokusiphilisa. Lemisebenzi ifanele ukuqalwa ezindaweni lapho abantu

beminyene bengenakuphila ngo-
kulima, kumiswe nezitolo ezigo-
ndene nabantu, ngisho uku-
thi abantu ~~naba~~ baqhube
imisebenzi- [illegible] ezindaweni
abakuzo, kulendlela sidinga
ukuholwa, nokushunyayezwa
abaholi besizwe.

Miningi imisebenzi esifanele
thina banamuhla ngokufus-
hane ngingathi lapho aban-
tu befuya khona imfuyo ye-
zimvu nezinkomo, angafun-
diswa ukuveza izingubo
ngoboya bezimvu, bafundis-
we nokuveza izikhumba ezi-
shukwe ngendlela yanamuhla.
Ezindaweni ezakhiwe abantu
[illegible]kufanele ukuba kubekhona
yonke indawo [illegible]
lapho kubazwa khona okomu-
thi ngendlela yanamuhla,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nokukhanda insimbi kangcono, ukwenza insipho, ukweluka okungcono ngotshani nangeminye imithi, ukuthunga izingubo, neminye imisebenzi enjengalena.

Kusadingeka kakhulu ukuba kushunyayelwe phakathi kwabantu ngemisebenzi yenziwe phakathi kwabo, kuyadingeka abaholi kulolohlangothi umsebenzi usemkhulu ofanele ukwenziwa ngabantu ezindaweni abakhe kuzo. Iningi imali ephuma ezandleni zabantu iye kwezinye izizwe ngemisebenzi engabe yenziwa ibo ezindaweni abakhe kuzo. Kazizingaki izitolo zabantu phakathi kwezindawo zabantu ngakho

imali engabe izungeza phakathi kwethu iyaphuma masinyane thina sihlale sanelisiwe. Ababoli abazamayo ukukhuphula isizwe sonke bayabongeka emsebenzini yabo ngokwahlukana kwayo abamhlophe nabamnyama kodwa kusavulekile isikhala esikhulu sokuhola abantu ngokubakhuthaza ekuziphilisenі ngokuzama nangokuzisebenzela ukuveza imisebenzi yokuphilisa sonke isizwe. [illegible]

"Ngahamba ensimini yevila, nasesivinini somuntu ongazi, beka, yayigcwele ameva, ukhula luyisibekele, nodonga lwamatshe luwile."

779 K13/118

Ziphi izinsizwa zemisebenzi?
Ziphi izintombi zemisebenzi
Aphi amadoda emisebenzi
Aphi amakhosikazi emisebenzi?

Sengathi ngiyabuka ngibone
Ngibona imisebenzi yasendulo
Ishona phansi inyamalala
Sengathi ababeyisebenza sebahamba

Sengathi igugu lezinto ezinhle
Liyaphela, Sengathi ukuphi-
kisana akusekho.
Miningi imisebenzi enokwenz-
iwa, Sengathi yeswele izandla

Kusile empumalanga liyaphuma
Lona ilanga alibuyeli emuva
Imini iyadlula, ilanga liya-
shona, Muphi umsebenzi
owenziwe?
Zasongeka izandla.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

Aphi amadoda okubaza
Aphi amadoda ezimbenge
Aphi amadoda amaqoma
Aphi amadoda ezinduku?

Sengathi ukuswela kuza kunyelela
Kucindezel'umuntu onsundu ngefu
Njengenkungu isitha umhlaba
Ngenxa yokusong'izandla.

Shoshozela wen' omileyo,
Umi esiqongweni ubikel'isizwe
Shumayela indab'emnandi
Singacwil'isizwe sivuke sisebenze.

Hamba phakathi kwesizwe,
Sivezele leyomibukiso,
Sikhuthaze sisebenzise,
Nani zinsizwa bukulani
Nisebenze lokho enikufundile

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 To be rearranged

21

513

K13/118

| Isibonelo | Ikhasi |
|---|---|
| Amafosi | 117 |
| Amafutha | 477, 488 |
| Amagcagcane | 358 |
| Amagwedle | 269 |
| Amakhambi | 4 87 |
| Amangenge | 4 37 |
| Amansinyela | 362 |
| Amaphini | 89 |
| Amashoba | 169 |
| Amathambo | 256 |
| Amathumba | 494 |
| Amazwi enkosi uShaka | 103 |
| Awokucupha | 271 |
| Ibanga | 314 |
| Ibeshu | 147 |
| Ibomvu | 439 |
| Ibubesi | 78 |
| Icacane | 418 |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Icansi 375
Ichile 476
Ichophelo 478
Idlangala 336
Idlebelendlovu 426
Idlelo 322, 367
Idwahu 418
Igenkle 302
Igobongo 460
Igudu 242
Igula 308, 460
Iguma 472
Iguza 402
Igwijo 326
Ihabiya 496
Ihluzo 390
Ihlwenga 356
Ijembula 357
Ijokwe 95
Ikhanda 494
Ikhanzi 458
Iklwa 204

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118


Ilengisi — 176
Ilumbo — 495
Imasa — 350
Imbadada — ~~178~~ 177
Imbaluko — 97, 130
Imbeleko — 126
Imbelethisana — 497
Imbemba — 198
Imbenge — 405
Imbila — 157
Imbiza — 455
Imbizana — 458
Imbokodo — 274
Imbungu — 233
Imfangidelile — 353
Imiqadi — 470
Imishayo — 470
Impithi — 439
Impofana — 457
Imvubu — 158
Imvula — 497
Incekwa — 477


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Indenda 440
Indlolothi 413
Indlozi 155
Indondo 195
Induku 85
Ingcazi 455
Ingeje 324, 365
Ingodwane 478
Ingozi 492
Ingqoqa 366
Ingqude 417
Ingubo yengwe 162
Ingusha 356
Ingwele 349
Ingwenya 75
Ingxashi 352
Ingxotha 216
Inhlendla 200
Inhlokoshiyane 425
Inkafu 253
Inkamanga 224
Inkezo 318


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118

| | |
|---|---|
| Inkohlwane | 280 |
| Inkohlombe | 161 |
| Inkomfe | 412, 421 |
| Inkondlwane | 425 |
| Inkonjane | 477 |
| Inkubazana | 211 |
| Inkumbi | 278 |
| Inqalathi | 400 |
| Inqolobane | 468 |
| Inqonqodwane | 412 |
| Insekane | 418 |
| Intlanti | 187 |
| Intolwane | 424 |
| Intothoviyane | 365 |
| Intozwane | 419 |
| Intsephe | 366 |
| Intshengula | 240 |
| Intsimango | 156 |
| Intsimba | 155 |
| Inxoza | 419 |
| Inyakeni | 402 |
| Inyengelezi | 281 |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779

K13/118

| | |
|---|---|
| Ipasi | 356 |
| Iphupho | 495 |
| Iqanda | 491 |
| Iqolo | 494 |
| Iqoma | 403 |
| Iqondo | 493 |
| Iqoyi | 221 |
| Isampotho | 213 |
| Isanda | 467 |
| Isando | 197 |
| Isangci | 156 |
| Isangoma | 503 |
| Ishaza | 235 |
| Ishungu | 99 |
| Isibaya | 474 |
| Isi~~k~~buda | 439 |
| Isicholo | 440 |
| Isichumu | 392 |
| Isicoco | 428 |
| Isidanga | 350 |
| Isidiya | 137 |
| Isidla | 480 |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118


Isidlodlo 283
Isidwaba 142
Isife 345
Isifociya 389
Isifuba 493
Isifutho 178
Isigcaki 344
Isigege 351
Isigqizo 350
Isigqobela 236
Isigqoko 171, 409
Isigqulelo 479
Isigubu 316
Isihibe 342
Isihlenga 389
Isihlibi 91
Isihongo 471
Isijula 207
Isikhakha 139
Isikhetho 408, 213
Isikhonko 414
Isikhonyane 280


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Isikhumba 168, 489, 175, 174,
Isikhwama 409, 129, 131, 133
Isilulu 369
Isilumo 493
Isinene 151
Isingindi 209
Isiphandla 186
Isiphuku 165, 168
Isiqhaza 96, 238
Isisele 340
Isisimbula 349
Isisu 492
Isiswebu 114
Isitheke 400
Isitibili 282
Isivalo 473
Isiviliba 235
Isiyendane 478
Isiza 275
Isondo 95
Isongo 193
Ithala 463

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118


| | |
|---|---|
| Ithembu | 414 |
| Ithiliza | 439 |
| Itshe lemithi | 272 |
| Itshe lezingulube | 274 |
| Itshe logwayi | 273 |
| Itshe lokuchopha | 273 |
| Itshe lokugaya | 276 |
| Iwula | 155 |
| Ixhama | 353 |
| Ixhungulo | 435 |
| Ixonya | 416 |
| Iza | 155 |
| Izagila | 88 |
| Iziciphu | 379 |
| Izifo | 492 |
| ~~Izinggaka~~ | ~~[illegible]~~ |
| Izihlungu | ~~488~~ |
| Izimpande | 490 |
| Izimpondo | 249 |
| Izinduku | 249 |
| Izinhlamvu | 490 |
| Izinjobo | 152 |


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Izinsika 468
Izinsizi 488
Izintelezi 499
Izintingo - izintungo 470
Izinyanga 486
Izinyamazane 155, 491
Izinzenga 254
Izitilobo 119

Kubazwa isixembe 28
Kubazwa isigqiki 39
Kubazwa ithunga 51
Kubazwa iwisa 33
Kubazwa izinkezo 47
Kuleka usebenze 1

Obunye ubuhlalu 368 ~~349~~
Okobuhlalu 349
Okobumba 444
Okobusengi 278


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

523

"heading will be "
<u>Ukusetshenziswa</u> <u>Komuthi</u> and so on.

K13/118

779

| | |
|---|---|
| Okokucupha | 325 |
| Okokuhlabelela | 291 |
| Okokwelapha | 485 |
| Okombala | 421 |
| x Okomuthi | 16 |
| x Okophondo | 219 |
| x Okoselwa | 306 |
| x Okotshani | 369 |
| Okunye | 463 |
| x Okwekhanda | 428 |
| x Okwensimbi | 189 |
| x Okwentambo | 410 |
| x Okwesikhumba | 97 |
| x Okwethambo | 252 |
| x Okwetshe | 269 |
| x Okwezimpaphe | 283 |

| | |
|---|---|
| Ubandeqheke | 354 |
| Ubijo | 420 |
| Ubisi | 491 |
| Ucwalu | 90 |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

779 K13/118 524


Udengezi 458
Udlawu 197
Ugwala 294
Uhlaka 502, 504
uhlanga 359
Ukepe 363
ukhamba 446, 453
Ukhasi 417
Ukhethe 270
Ukhozi 478
Ukubazwa komqengqe 59
Ukubazwa kwezinduku 61
Ukubiyela amasimu 475
Ukufundwa kobunyanga 500
Ukugezwa kwamahawu 134
Ukugezwa kweshoba 136
Ukulima 481
Ukuncakida 438
Ukuphanjwa kokhamba 461
Ukuphehlwa kozwathi 56
Ukuphothula 505
Ukusubela 497


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ukuthwebula 498
Ukuvunula kwenkosi uShaka 483
Ukuzingela 482
Ukwelusa 482
Ukwenziwa kwesihlangu 121
Ukwenziwa kwehawu 121
Ukwephuka 493
Ulimi 361
Umadlisana 453
Umakhwelana 301
Umalunkwambu 364
Umampapheni 358
Umancishane 453
Umasibunjana 362
Umasicosi 362
Umazitike 353
Umcakulo 454
Umcengezi 454
Umchilo 108
Umcibisholo 218
Umdaka 217
Umfece 222

Umgaxo 351
Umgexo 352, 364
Umgodi wokudla 465
Umgonggolozi 354
Umhlabelo 489
Umhlangala 156
Umhlanti 408, 504
Umhluzi 491
Umketengu 366
Umkhuhlane 492
Umlalazi 271
Umnaka — ubedu 217
Umnwado 220
Umngubu 414
Umnqwamba 185
Umntshingo 304
Umovu 419
~~[illegible]~~ ~~[illegible]~~
Umphanda 459
Umphekambedu 422
Umphuhlane 411
Umqangala 296

779 K13/118


Umqhele → Umqhino 183, 361, 393, 434
Umshayelo 393
Umshayelo wokhasi 396
Umshayelo welala 399
Umshayelo wengongoni 393
Umshayelo wesundu 397
Umshengelo 436
Umshiki 415
Umsubelo 480
Umthamo wempisi 416
Umtshitsho 246
Umuba 106
Umumba 383
Umutsha 359
Umvithi 417
Umvuthwane 424
Umwowana 330
Umxhaxhazo 437
Umxhopho 411
Umyeko 434
Umziki 155
Ungelo 436


Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Unogwaja 157
Unyazi 386
Upphephela 252
Uphondo lokulumeka 228
Uphondo lokutha 226
Uqomondo 366
Uqwabi 291
Uqwembe 21
Usinga 188, 410
Usungulo 218
Utshodo 360
Utwayi 495
Uvumamanzi 423
Uwatela 426
Uzagiga 495
Uzi 420

s779 ends

f 10/32 = ·3125 × 530 pp = 165 tppjs

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.